


968.3 FUZÉ  
H4078.



Yimina  
Magoma ka  
Magwaze  
December  
1920

44 LIES

ABANTU ABAMNYAMA,  
LAPA BAVELA NGAKONA.

EKA M. M. FUZE.

---

ALL RIGHTS RESERVED.

---

Ise ng'eyokuqala.

1922.

---

City Printing Works, Bank Street, Pietermaritzburg.

## ISISUSA.

---

1. Njengokuba s'azi sonke ukuti "isisusa simnandi ngokupindwa," kufanele ukuba nginilandise, ngisusele pansi ngalo'muntu onizekela indaba elotshwe kule'nn-cwadi ebizwa kutiwa "Abantu Abamnyama," kona niyakumazi, nimqonde kahle nonke nin'abafunda le'nn-cwadi. Ngoba sonke pela namhlanje sitole inhlanhla nokwazana ngennxa yokusiza kwepepa lomntwana wenkosi yakwa'Ngcobo, uRev. J. L. Dube, indodana ka'James wenkosi, elisilunguza 'ndawaneni zonke kuleli laki *eAfrica*.

2. Esifundeni sakwa'maFuze kwa'Ngcobo kwakukona umnumzana, obizwa kutiwa ng'uMagwaza ka'Matomela ka'Toko, owab'enabafazi abatile; wazala komkulu amadodana amane, kwati kwowesibili wazala amahlanu, nakwabanye ababalandelayo wazala amadodana amatatu, sebebonke baba ishumi nababili. Kepa uMagwaza lowo wab'ake pansi kuka'Ngoza ka'Ludaba wakwa'Majozi, induna ka'Somtseu ka'Sonzica (Mr. Shepstone, afterwards Sir Theophilus Shepstone, K.C.M.G.), owab'epatele izwe las'e England ezindabeni zabantu abamnyama kwelas'e Natal.

3. Indodana yesitatu endhlini enkulu ka'Magwaza, ibizo layo lali uManawami, 'elama amadodana amabili amakulu. Kwakukona futi umfo wabo, uMlingane, owab'e indodana enkulu endhlini encane. Niyalazi kambe

ukuba abafundise ukucotsha *amatype*. Umlungu lowo wabafundisa kahle. Kulapa-ke kute ngolunye usuku lwa-lowo'nyaka kwafika uMagwaza Ekukanyeni ehambele enkosini, ezobona nendodana yake. Kungati lowo'nyaka waung'u 1859. Wakuluma-ke uSobantu noMagwaza ngalaw'amazwi. "Magwaza, ngitanda ukuba uSkelemu *abapatiswe*." "Nkosi, kuy'inu *ukubapatiswa* na?" Kubuza uMagwaza ku'Sobantu. Wapendula uSobantu ku'Magwaza wati, "Ngitanda ukuba ayeke imikuba emibi, alandele indhlela yenKosi Epezulu." "Wo! 'nkosi," kuperdula uMagwaza, "kanti wena utanda *ukumenza ikolwa yini na?*" Wavuma uSobantu. Wabe es'eti uMagwaza, "Nkosi, ngiyesaba ukuba umntanami abe ikolwa: ukona lapaya esikoleni sas'eEden (*Edendale*) umntwana ka—owaya'kufunda kona, osekuti uma unina eye'kumbona afumane engeko kutiwa uhambile njalo, engasahlali ekaya; ngiyesaba, 'nkosi, ukuba umntanami abe ikolwa, ngoba us'ezakudela mina nonina." Lapo-ke kapendulanga'zwi uSobantu, wasimze watabata inncwadi yokukuleka wayipenya, wati uSkelemu kafunde amazwi ezimemezelo, kona kuzakuzwa yena uyise. Nembala wawafunda-ke uSkelemu, waza wawati qotu onkana. Ute uba awafunde awaqede wati uMagwaza, "Hau, 'nkosi, kanti wena utanda ukwenza umntanami ukuba 'azise mina nonina na, ayeke ukwenza imikuba emibi yokweba nokupinga na? Wo, 'nkosi, angitsho'luto ngiyavuma ukuba umenze loko otanda ukukwenza kuye. Nami, uma ngiswele ingubo ngiyahamba ngiye'kuyicela ku'Somtseu, afike anginike; kuti uma ngifuna umfazi ngitate izinkomo esibayeni, ngimlobole ku'yise. Ngiyavuma, 'nkosi, menze loko umntanami." Yapela lapo-ke indaba.

9. Kute ngosuku lokuvuka kwenKosi (Easter, 1859), uSobantu watumela uWilliam Ngidi (owab'ehlala nenkosi ey'innceku yayo) ukuyakubuza ku'Skelemu, ukuti, loku selufikile nje namuhla usuku lokuba *abapatiswe*, yena (uSkelemu) utanda ukuba abizwe kutiwe ng'ubani ibizo lake na? kakete. Lapo-ke kwamhlwela nje uSkelemu, eng'azi ukuba uzauketa atini. Wamluleka uNgidi wati katate *iNew Testament*, akete kulo ibizo elimfaneleyo. Wawapenya-ke uSkelemu amabizo as'enncwadini. Wacabanga waketa emagameni amabili elika'Petros nelika'Johane. Wati uba afike uNgidi, es'ezobuza ukuti ukete elokuti-ni, wab'esemtshela ukuti uketa ibizo lika'Petros. Walimukisa lelo uNgidi, waliyisa enkosini. Wafika walinqaba uSobantu, wati kalifuni. Wapinda wafika futi uNgidi, wati, inkosi ailivumi lelo, keta elinye. Wabe es'eketa elika'Johane. Walimukisa futi lelo uNgidi, waliyisa enkosini. Yafika yalipika nalelo yati kasale es'eyeka, izakuzifunela yona ngokwayo ibizo elifanele uSkelemu. Aitandi yona ukuba abantu babizwe ngamaga ezizwe abangawaziyo. Kwati-ke emveni kwo-kudhla kwas'emmini wafika futi uWilliam Ngidi, esezi-mtshela ukuti inkosi is'imketele ibizo lika'Magema, akasayikubizwa ngelika'Skelemu. uNgidi wamkombisa inncwadi enamabizo amaningi abantu lapa kulotshwe kona ibizo lika'Magema.

Langena-ke isonto lantambama. Inkosi uSobantu *wambapatisa* uSkelemu ngebizo lika'Magema. uSkelemu waba ng'uMagema njengoba eng'uye nanamhlanje.

10. Kunjalo-ke ukuba-kona kwalo'muntu, uMagema ka'Magwaza Fuze wakwa'Ngcobo. Uquba le'nnchwadi nje, kade waqala ebuza kwabakubo, eti "Sapuma-pi

tina ?" Kepa abantu abamtsheli kahle lapa sapuma kona. Kwaza kwati ngenye inkati kwavela uMncindo ka'Dangadu ka'Mnyani ka'Ngqamuza ka'Notamela wakwa'Ngcobo, owati "Sadabuka emhlangeni emVoti sonke tina'bakwa 'Ngcobo." Indaba enjalo, kambe, ifana nesitura esinjengento engena'nhloko engena'nnyawo. Ngifisa kakulu ukuba abakiti baqonde ukuti kako umuntu owaqamuka lapa enzansi neAfrica. Naye umfo wetu kabuxoxi lobo'bupukupuku ngoba epete abantu bonke, upete ukuciteka kwetu nje sodwa tina'dhlanzana lakwa-'Ngcobo, esasixotshwa ng'abakiti, indhlunkulu uNyuswa.

Yimi onilobelayo,

Owakini onitandayo,

MAGEMA M. FUZE.

14, William Street, Pietermaritzburg,  
November, 1921.

## ABANTU ABAMNYAMA.

### LAPA BAVELA NGAKONA.

### INKONDHLO.

Kade kwasa nginxusa abantu bakiti ukuba sihlangane sibumbe inncwadi yabantu abamnyama lapa bavela ngakona. Kepa ukunxusa kwami kwapenduka ize. Sekweqe iminyaka nezikati engakube le'nncwadi seyaba l'ibhuku ukuba bavumile ukukwenza loko. Sekuze kwati ezinsukwini zokugcina kwaqamuka umfo ka Mr. Nicholas Masuku ongaseko owab'ake *eEdendale Mission Station*, uN.J.N.Masuku, oqinise wazibopa izandhla nezinnyawo, wati, nonxa bengasavumanga bonke abanye bakiti ukubumba nokuquba le'nncwadi, kodwa yena uyakuma ayiqube ize ipele. Mina-ke ngiyasibabaza isibindi nobuqawe balo'muntu, ngiti: sikulu isibindi nobuqawe bake, ngoba yena uti uyakuzama ukuba alwe naleyo'mpi ebalekelwa ng'abanye bakiti.

Nonxa ngingedwa kambe namuhla, ngiyacabanga ukuti siyakuba baningi tina esifisa ukuba inncwadi epete ABANTU ABAMNYAMA ibekona ezikoleni zabantu, kona abazovela beyakuqonda, bazi ngalapa bavela ngakona, ngoba namuhla zonke izinngane zakiti aqiqondi

ukuti zavela ngapi na. Kungaba kuhle ukuba nonke nazi ukuti zinningi izizwe zakiti esazishiya zakile ngakona lapo eNgonini (*Suez Canal*). Izizwe ezilapo zinningi kakulu. Ngobubanzi nobukulu bezwe las'e-*Africa*, ngingahle ngitsho ngiqinise, ngiti, lezo'zizwe zakiti ezisakile lapo zihlakanipe kakulu kunati tina esilapa. Zona zambata izingubo ezizalukela zona ngo-kwazo. Zifuye izimvu nezimbuzi, okuti ngesikati kugundwe uboya obuzakwaluka izingubo zokulala nezokugqoka. Futi bona labo bakiti balima ugampokwe, oyakuvunwa qede kwalukwe ngawo izingubo zokulala. Banamakosi abo abapeteyo njengati tina esilapa. Banizekhe zabo abawela ngazo kuleyo'mifula yakona emikulu—iZambesi neKongo—okwatunjelwa kuyo izikundhlwane ezinningi zabantu bakiti ababetunjwa ng'amaPutukezi nabanye abelungu ababi, ababevame ukutengisa ngezikundhlwane zakiti bese bezenza izigqili. Kuloko ngiyambonga uQueen Victoria owavimbela lowo'mkuba omubi wobutakati.

Okubonakalisa ukuti sonke sasikona lapo eminyakeni ey'izinkulungwane ezitile edhlulileyo, yiloku, ukuba nezalukazi namaxegu akiti baningi abayiwileyo nabayibonileyo leyo'mikuba ukwenzeka kwayo. Lesi'silwane esikulu esibizwa ngeSiququmadevu akusiko ukubhula nokuqandela nje, yisilwane esikulu esabonwa ng'abantu bakiti baleyo'nkati—umkumbi otuta izikundhlwane zabantu ezazifunyanwa zibhukuda emfuleni. Njengokuba leyo'mifula emibili mikulu ngangoba ingewelwe'myntu ngezinnyawo ukupela ngemikumbi yodwa, amaPutukezi nabelungu ababi babesizakele ngaloko ukugila lawo'manyala. Namhlanje baningi laba ababebiwa ngo-

kutunjwa okubi loko, babalwa ngezigidu nangezinkulungwane kwelas'e*America*, yibo labo okwatolakala ngabo ukuba kubekona laba ababizwa ngokutiwa ama *St. Helena*, asebogewalisa isiqingana lesu sase *St. Helena*, okwati ngokufikiswa kwabo laba abakiti basebehlangana nabelungu kona lapo kuso lesu'siqingana, basebezala onhlobo'mbili. Kwati ngokwanda kwaonhlobo'mbili, sebezalana bodwa, baguqula umbala wabo bonke baba-mhlope-mfe njengabelungu kaloku.

Nakona emuva lapo indhlu emnyama seyaciteka yahlakazeka nezwe lonke las'e*Africa*, ngoba kukona izizwe ngezizwe ezicitshe zikulume nga'lulimi'lunye, nonxa lungaqondene ukuti ngqo. Ngako-ke ulimi Iwabe-Sutu, amaMpondo, amaSwazi, amaTonga, amaNdawo, aba'Tshweki nazo zonke izizwe ezis'enhla ngas'entshonala-langa kwe *Africa* lucitshe ukuba luzzwane, alwahlukene kakulu esimweni nas'enkulumweni yalo nolwakwa'Zulu. Nabo laba abas'ake petsheya nanganeno kwomfula lowo omkulu iZambesi ulimi Iwabo alubalekelene kakulu nalolu esikuluma ngalo, ezinye izinhlamvu zihlangene, kuyabonakala ukuti nonxa lab'abantu bengakile ndawonye bavela 'mtonjeni'munye', akungabazeki ukuti sasikade sikanye ekadeni.

Nginxanele ukunioxela amazwi omngane ka'Sobantu omkulu, uDr. W. H. Bleek, owabe eyisazi esikulu, evame ukuziqonda kakulu izizwe ezingas'entshonalanga kwe *Africa*, noko zahlukene nje azahlukene kakulu kwezinye izinhlamvu zamazwi.

"Ezwini abakwa'Zulu abapete ngalo uNkulunkulu, abas'eNyembane [*Inhambane*] bati *Mulungulu*; abas'eKikamba nabas'eKi-nika bati *Mulungu*; abas'eNhlonhlweni

yas'eDelgado bati *Mlungu*; bati *Mulungo* kumbe *Muluko* olimini Iwabakwa'Makwa; eSofala kutiwa *Murungu*; kutiwa *Murungu* kumbe *Morongu* eSena nas'ePete; kutiwa *Mungu* ku'maSuaheli; kutiwa *Mungo* ku'maPokomo.\* (*First Steps in Zulu, by Bishop Colenso*, p. 2).

Kungati izizwe zonkana zakiti zilibiza nga'lulimi lunye ibizo lika'*Kulukulu* ong'uNkulunkulu, azahlukene kakulu.

Konje kipi-ke kulezo'ndawo enginibalela zona, inxa ngingasate ku-le kwa'Mamangalahlwa na? Kungaloko ngyiaqinisa mina ngiti: Munye umtombo wetu esa-bhoboka kuwo, nonxa sokwati ngokushiyana kwetu okubanzi kangaka sahlukahlukana enkulumweni yetu.

Namhlanje kambe, ngezwi nangokupikelela kuka-Mr. N. J. N. Masuku, onxusa nangokukala kimi izinnye-mbezi ezi'matonsi, eti masiqube le'ndaba senze *ibhuku*, ukuze izinngane zetu ziqonde ngalapo savela ngakona, nami ngivumile kuye, noma sengi'butakataka kangaka, sengiweqile kude amashumi ay'inkota eminyaka, sengisondele emashumini ashiyagalombili. Kepa ngomusa ka'Baba uNkulunkulu ngingahamba ngize ngifinyelele pambili lapa kutanda kona owakwa'Masuku. Ngaloko ngikuleka kuye uSomandhla, ngoinusa wake omnene, ukuba avume ukuba kengiube le'nnchwadi engiyinxane-lele ukuba ikanyise abazovela nazo zonke izinngane zakiti ezingazi'luto, njengokufisa kuka'Masuku.

MAGEMA M. FUZE.

\*ku'maTonga kutiwa *Nungungulu*.

## AMANGEBEZA.

---

BANDHLA lenkosi yakiti,—Nonke nina enifunda le'nnchwadi yaBANTU ABAMNYAMA, ningamangali nijabhe lapa nibona nifunda inncwadi engena'nqindi—equa izindaba ezingena'nhloko—eningayikuze nabona 'nyaka, 'nyanga na'lusuku lwezindaba ekuluma ngazo. Kuy'inkatazo enkululu nosizi ukuba kuge yikona siqala namuhla ukukuluma lezi'zindaba esizipeteyo, emva kwe-zinkulungwane zezinkulungwane zeminyaka abantu bekade baqala ukubakona ezweni. Kuy'inkatazo enkululu loku, madoda; kodwa noko ngitemba okokuti bonke abantu bayakuzifunele izikati okwenzeka ngazo loko inxa sebefunde babona ezinnchwadi eztile ezilotshwe kwezabelungu inxa bete lapa befunda bahlangana nazo ngakumbe.

Nami namhlanje, madoda, ngitokoziswa ukuba sengiyiqalile ngayingena umkono nesipanga le'ndaba ekade ngayiqala ngiyincenga, ngiti mayenziwe. Ngoba sengibonile-ke, angisena uvalo. Niyazi nani ukuti izintombi aziwahlabeleli amangebeza zingakaboni; ziti ziwabiza nje besezibonile. Ngako loko-ke umuntu keyeke ukukunata akungate izandhla, eti konje sisezakwenza-ni, loku sokwadhlula nje. Qabo! akube yilwo azame ukuziqubela ngokwake loko akubonayo, afunisise izikati okwenzeka ngazo lez'izindaba; kona kwoti

ezinnwadini eziyakulandela lezi bese beqalile abayakutanda ukuvusa lezi esizauzicindezela namuhla sebenonile bazama ukwenza okukulu okungapezulu kwaloku esikwenza namuhla; ngaloko bavuse abantwana betu, bapapame ebutongweni lobu esikade sabulala, oseloku babulelwe ng'aobabamkulu naokoko betu, sati sesiqala ukupapanyiswa yizizwe, sasesicabanga ukuti sadabuka kanye nazo; sasesiyeka ukuhamba konke kwakiti namasu onke okuhlonipa kwakiti, saduma nokwezizwe; ngaloko setuka sesifulatelwa Pezulu lapo sasivele ngakona.

Mina-ke ngiyaniyala nonke, ngiti: Yekani ubumbulu lobu, abusizi'luto. Qinisani ukuhamba ngokwakini. Akungati ngoba nibona izizwe ezikanyisiwego nicabange niti nani nizakuguquka zona, bese nishiya okwakini okulungileyo. Mhlaumbe noti nigijimela loko, netuke senikalakatela elinditshobeni, umgodi ongena'nakulo. Kasidalanga uMenzi ngobupukupuku, usidale ngokwazi. Akungabazeki ukuti inxa simtanda, simkonza, uyakusipakamisa nati njengezizwe zonke; kodwa inxa simeya, singamkonzi, uyakusilahla kube pakade.

Njengokuba abanye bakiti bati bekuluma, batande ukupenya izahluko nama *verses* ezinnwadi zezizwe, asebeti yizo ezipete isiminya sokudalwa kwezulu nomhlabi nezinto zonke ezikona—ezibonwayo nezingabonwayo—qalani namuhla kulena eyakini innewadi ukuyivakaza ngezahluko nama *verses*, nenzele abantwana benu. Ake niyeke ukucumisa okwezizwe, ngennxa yokudukelwa eyakini yokutunywa kwoNWABU neNTULO. Kodwa-ke ehene! nami ngivuma kahle kuloku. Imbuzi iti inye nje idonse umhlambi wezimvu iziyise ekuhlatshweni; kuti nonxa zi amakulukulu angakanani zize zipele zonke

swaca zidonswa iyo leyo'mbuzi inye. Ekudalweni kwezinto imvu yensiwe isituta, ipakapaka legwala, eliti lingetuswa intwana nje encinyanyana ligijime lizibulale ngokuti tambo yapuka. Inganti imbuzi, pezu kwo-buhlakani obukulu enabo, nonxa ibona ingwe izigingqa pansi, igijima iye kuyo, imeme nezinye izimbuzi ezikunye nayo ziye engweni; zidhliwe zonke nonxa zizini ningi kangakanani.

Kuqapeleni-ke loko engikuluma ngako. Baningi abakiti abadonselwa ekubulaweni bengaboni njengemu, bay'izindwendwe namaviyo amakulu. Kepa mina namhlanje ngifisa ukuba kenifeze okwakini kuqala, and'uba nigijimele okwezizwe.

Aniyikuze nagcina'luto nolulodwa ngobunhlalunhlalu benu lobu eniyibo. Hlanganani, nitandane nje ngezizwe ezikanyisiwego. Musani ukubukelana lapo omunye kudhlalwa ngaye. Inxa nisafiselana okubi omunye kwomunye aniyikuze naba'bantu ba'luto; kodwa niyakuba umquba wokuvundisa amasimu ezizwe ezi-hlakanipileyo kupela, nibe indhliwa, idanga, into engapele'mkuba wa'luto ezweni.

Loku sekuzakusa nje, lalelani nizwe. Nanzo izintombi zihuba, zicela amangebeza ku'mkwenyana. Zitini na? Ziti: "Wolete amangebeza: wolete!" Ngempela inxa umkwenyana engasazinikanga aziyikuze zatula, ziyakumfundekela kuze kuse.

MAGEMA M. FUZE.

ABANTU ABAMNYAMA.

---

ISAHLUKO I.  
UKUVELA KWABO.

---

Abangapambili kwetu babesitshela ukuti sonke tina-bantu abamnyama savela ennyakato. Kuti inxa sibuzisa ukuti innyakato leyo ingapi na, basikombise enhla nezwe; kepa kuti ngennxa yokungabi na'nncwadi 'eyashiwa kubo ng'abangapambili kwabo, basale sebekomba nje yona innyakato leyo—enhla nezwe—esizwa kutiwa kungas'eNgosini yolwandhle lapo lwacitshe lwahlangana kona (*Suez Canal*). Kutiwa kwati ukupuma kwabo kuleyo'nsonge, bahlakazeka nezwe lonke, bagudhla ulwandhle bayo ngas'entshonalanga nangas'enningizimu kwalo. Laba abapuma baqonda ngas'entshonalanga, ukubizwa kwabo, kutiwa ng'abaNtungwa; kanti laba abapuma balugudhla balubangisa ngas'enningizimu kutiwa ng'abaNguni.

AbaNguni nabaNtungwa kabezwani kahle ukukuluma, bezwana kancane, qa emazwini onke. AbaNguni yilaba abati inkulumo yabo bayizikise pansi, babelapa abaNtungwa okwabo ukukuluma bekutatela pezulu,

njengabelungu; uma beti inkomo, *cow*, abeSutu batī *khomo*; umuntu, *man, motho*; abantu, *people, batho*, amanzi, *water, metsi*; indhlela, *way, tsela*. AbaNguni bazikisa pansi, kepa abaNtungwa batatela pezulu njengamaNgisi okwabo ukukuluma. AmaBhaca, Mpondo, Swazi, Zulu, nezizwe zonke zabaNguni zikuluma ulimi lunye, kako kuzo "r" ukupela "l;" kepa abeSutu nezizwe zonke ezingas'entshonalanga nazo zikuluma ulimi lunye olupete 'r' ongeko neze ku'baNguni ukupela 'l' yedwa. Kodwa amaTonga wona acapuna ku'beSutu acapune ku'maLala futi. Lapa ekuleka ngokuti "Baba wetu os'ezulwini," ati "Tatana weru oke matulwini," inganti angeze atsho umNguni ukuti 'weru' inxa eti 'wetu.'

Loku kambe ngikwenzela ukunahlukanisela ukuma kwezilimi zabantu baki, nonxa ngingesiyo innyanga yokukuluma lezi'zilimi, ngenzela ukuba nibone nje.

Futi kukona ukwahlukana okubanzi emkatini waba-Ntungwa nabaNguni. Ngoba umNguni kana'nhloni zokuhamba enqunile ku'bantu, ngitsho, nas'ezinnganeni zake uqobo kesabi, nebhethswana lake leli elingemuva, nesinenyana sake esingapambili wenzela ukucita amahloni kupela, angipete kwona inxa bezihlalele emizini yabo, kwanele kubo inxa bebhince isinene lesi esingapambili, kuningi loko. Kepa abaNtungwa bayakwesaba kakulu ukubona umuntu ehamba-nqunu, banamahloni nokumbuka. Kungaloko-ke kwati enkatini yokuxotshwa kuka'Mzilikazi ka'Matshobana wakwa'Kumalo kwa'Zulu exotshwa ng'u'Tshaka, abeSutu batī ku'bantu bake 'Matebele,' beti abakwa'Mzilikazi bahamba-ze benqunile. Inganti tina siti nawo amaKumalo lawa ngabaNtungwa.

ISAHLUKO II.  
ABATWA.

Uhlobo olungaqondwa'muntu ukuvela kwalo yiolu okutiwa abaTwa, abantu abafutshane abangangennganya, nexegu nesalukazi ungaze ubabone ngokukahlela izimvi enhloko and'uba ubone ukuti 'wotshi! mudala lo'muntu !' Kungaloko ukuba endulo umuntu ube eze ambone umuTwa es'es'eduze kuye; ambone qede ati kuye umuTwa, "Ungibhonabhone ngipi na?" Lowo apendule ati "Ngikubhonabhone us'ekude le." Ajabule-ke umuTwa, 'ezwa ukuti ubonwe es'ekude; ab'es'eti "Neinci ! kanti nami ngimude ! Neinci ! kanti nami ngimude,"— etsho esina. Ngobapela inxa umuntu eke wapendula ngokuti "Ngikubhonabhone us'ukona lapa," isiCwe sizakutukutela, ngoba sihamba nje sihlomile, sipete izikali zaso — imicibitsholo enobuhlungu — sizakumcibitshela afele kona lapa.

Yizo ezafika kuqala kulel'izwe singakafiki tina. Kepa abangapambili kitina basitshela ukuti site sifika kulel'izwe kwasokwake zona; zingayakile imizi enjengalena eyakiwe ng'abantu, zona zazihambe zaka amadhlangalana amancinyanyana alingene ukuba kulale abantu ababili kumbe abatatu kupela. Umsebenzi wabo kwaku ukuzingela izinnyamazane ukupela, ezinkulu nezincane, ikakulu izinnyoni lezi ezinkulu—amaseme nezinye—okwakuti ingabulawa lapo enye, kuhlalwe kudhliwe ize ipele and'uba kumukwe kuleyo'ndawo. Isiduli lesi sas'endhle yiwona'muzi wesiCwe esimbiwayo kulalwe kuso.

Kepa ukupela kwalab'abantu kulel'izwe bapelela pakati kwetu ngokutatana, basebebabade abanye, nonxa abanye baba bafutshane njalo njengabantu bonke abanye, kodwa kababe besaba yiziCwe njengakuqala. Nanamhlanje bakona pakati kwetu lapa abakwa'Mutwa. Leso'sibongo kambe sibiza bona labo abaTwa engibatshoyo. Kepa ulimi lwabo alwaziwa'muntu ngoba luya-qoqoza njengokuti "Qam ! Qim ! Qu-qu-qu ! !" kakə ongalubambayo. Kuy'isimangaliso esikulu loko, ukuba sizwe kutiwa bona babekuluma nomuntu njengoba sikuluma nje sonke, inganti tina asikuzwa ukuqoqoza kwabo loko.

Lab'abantu banemikuba eminingi yokuhlakanipa neyobuqili neyobusela. Bayakwazi ukudundubala emaweni amakulu njengezimfene, lapa kungekwele'muntu kona; bayakwazi ukuquba izinkomo namahashi kuhambe emadwaleni nas'emaweni awesabekayo. Bayakwazi noku-tunqisela abantu ngomuti wabo wokulalisa, kona bezakutumba kahle impahla yabo belele ubutongo obukulu obesabekayo. Ekadeni babakile pansi kwoNdi ngas'empumalanga kwalo, bey'isizwe esikulu, lapa babevarme ukuloba kona imifanekiso yezinkomo namahashi pezu kwamatshe oKahlamba. Nabo kutiwa babenamakosi abo. Isibongo sabo kwakutiwa ng'abakwa'Nhlapo.

Naloku bengaseko nje lapa nganeno kwoNdi namuhla, baxotshwa yizimpi zabantu, ezazibahlupa ngo-kubahlasela, zibabulala, uma ziyekutabata impahla abayibileyo. Umuzi was'eBergville ungakakiwa, kwaku-kona ukuhlupeka okukulu ku'Hulumeni naku'bantu bonke ab'ake ngas'empumalanga kwoNdi, ngennxa yalaba'bantu. Ngiti mina, lo'muzi wakelwa kona-loko

ukubheka lab'abafo, wakelwa ukuba ubonisele uHulumeni enhluekweni nas'ebuseleni beziCwe. Okwahamba kwa-hamba kunjalo, kwati ngo 1848 kwafika amaHlubi akwa'Mutmkulu apetwe ng'uLangalibalele, ebaleka kwelakwa'Zulu. Afika qede kuleli las'eNatal uHulumeni wawa-bela ukuba 'ake kona lapo pansi kwoNdi ngas'empumalanga kwalo, 'enzela kwona ukuvimbela abaTwa ekuhlu-peni izwe. Nguye uqobo uLangalibalele owabaxotsha abaTwa, basebemuka nya kuleli baya ngalapaya kwalo uNdi ngas'entshonalanga, lapa sizwa kutiwa bemukela kona ngakwelas'eGerman West Africa.

AbaTwa abakwesabi ukukitika kweqwa; inxa likiti-kile kuba yikona bejabulayo, kube usuku lwabo abazau-tumba ngalo impahla yabantu. Bona abawezwa na-kancane amakaza, bafana nenkomu nennya-mazane okungangenwa ngamakaza, ngoba nabo bay'imila'ndhle, abawoti nomlilo njengati.

Ezikatini kusabusa amakosi akwa'Zulu—oTshaka, Dingane, noMpande—kwakuvama ukuba iti impi uma is'ekudeni ihlangane neziCwe,—hai ukuba zibe ziningi, qa ! sisinye nonxa zizibili nje—impi yesabe ukukuluma nomuTwa, kepa sona sikulume nje nayo singayesabi nonxa inningi kangako. Kuti inxa impi ingasihloni-panga isiCwe, sikulume kabi nayo. Ngesinye isikati kweka'Mpande impi, omunye wamabuto wati ekuluma naso wasidelela, wati "Ng'umuntu wani-ke yena lona ongakanana ongangenngane !" Sasesitukutela, samso-ngela sati, "Nawe wot'uba ufile ekaya uzale ongangami ngaka." Nembala lowo ute uba afike ekaya umkake wamita, wazala umuntu ongangenngane, uMagwaqa ibizo lake elinye uMlumbo; owafika lapa kanye neziGqoza zika'Mbuyazwe eNatal.

ISAHLUKO III.  
AMALAWU.

Laba'bantu futi asikanye nabo, sahlukene nabo ekumeni kwokudalwa kwemizimba. Ukudalwa kweLawu kwahlukene kakulu nesimo somuntu. Kanga inhloko yabo nekala namatundu obuso, ubheke ukumonqoka kwalo ezikaleni zobuso ngas'emehlwani, ubone ukuti kuyafana yini loko nokwomuntu na?

Inhloko yeLawu ilukuni kakulu ifana neyemu, yona ibulala inkunzi yenkomu ngenhloko yayo elukuni. Noma selilwa nomuntu kuhle aqapele lona ikanda leli lalo lapa liliqondisa ngakona, ngoba impela inxa enga-qapele kahle lizakumngqubuza ngalo apele masinyane.

Endulo kwas'endulo kungati laba'bantu bab'ake enhla le ngas'e *German West Africa*, lapo amaBhunu aya abatata kona abayisa kwelas'e Kipi, ebayenga ngotshwala bakubo lobu obubizwa ngokuti "ukologo;" babayenga beti babayisa ezwani elihle kwa "Mooi Plaaz," lapa eti umuntu inxa etanda *ubhatata* abopele innqola, iti lapa inyatele kona isondo layo kupume isigaxa esikulu esingangesidumbu somzimba womuntu. Po, amaLawu es'epuze kakulu futi *ukologo* at'ukusuka ezwana kakulu namaBhunu, avuma ukushiya izwe lakubo ngokuyengwa kwawo ng'amaBhunu. At'uba afike kwelas'e Kipi appenduka izigqili zamaBhunu, enatiswa kakulu aze 'eqe indawo. Ukugcina, akohlwa nya ulimi lwakubo, asale es'eqonda lona olwamabhusu kupela. Abakubo abasai aemuva abasezwani nabo lapa bekuluma, sebey'inngcozana abasaluqondayo ulimi lwakubo lokudabuka.

Inxa umuntu walol'uhlobo umnika *ukologo* angakunika yonke impahla yake anayo. Luku ku *ukologo* nekofi elibabay, kutene tuxa xolo loko kwokubili. Izwe lamaLawu kutiwa latengisa *ukologo*, lilikulu lesabeka; kwati ngobuxwele lobu bamaLawu abelungu bazinge belitenga kancinyane kancinyane baze baliqeda lonke swaca. Ukugcina abanini'mhlaba bakonza ku'belungu bengasenayo indawo yokuhlala ngennxa yokunata kwabo *ukologo*. Wena 'muntu xwaya ukunata *ukologo*, uqonde ukuti uy'inyoka elumayo. Amakosi anatayo kanye nabanutumzana abafuyileyo abasenazo izibaya ngennxa yokunata.

Yibo lab'abantu kambe itongo lakubo okwaku ile'ntete e'madolodolo, ababeyikonza bete nqi okwoba ku itongo labo elibasindisayo uma begula noma bes'osizini; njengati njena tina'Zulu esitemba aobaba naomame nabo bonke abetu abangaseko, esiti yibo abapete amandha okusindisa, esiti bate uba bafe baguquka izinnyoka. Nabo-ke laba babetemba ngesiminya ukuti ISITWALAMBIZA siyabasindisa, besibiza ngokuti uTIXO. Lavela lapo-ke igama lika'Tixo oseku ilona limi pakati kwezizwe zakiti. Kwati ngokufika kwabafundisi bokujala emaXoseni babuza ukuti bayibiza ngokuti ingubani bona iNKOSI enkulu eyadala iZulu noMhlaba naBantu nako konke okukona na? Po! amaXosa, ejwayele ukuzwela nokubonela ezzwani ezzwene, abatshela okwokuti ngu'Tixo ibizo leTONGO lakubo, sebezwele ku'maLawu. Nonke kambe niyawazi amaXosa ukuti ayazwela njalo wona emaganyeni ezzwene, anela ukulizwa nje beseliba elawo. Kanti ngokuy'isiminya, kwakungafanele ukuba ati uYISE wako konke, owaziwa yibo bonke abakiti

ukuti nguMVELINQANGI, owadala izinto zonke, umhlabu nezulu, nako konke okukona, ahle abizwe ngentshanyana encane engangeSitwalambiza kangaka, inganti imbanu nokuba mbana kangaka ! Kepa njengokuba selavela pambili, kus'obala ukuti lwohamba lihambe bagcine ngokulibona bonke ukuti alifanele, anduba libhuntshe lipele; bese bembiza ngeliyilo uBaba osidaliye, uNKULUNKULU wetu, uSOMANDHLA, kuyekwe okwokungazi loko kwamaXosa.

---

ISAHLUKO IV.  
AMAHILIGWA (*Grigas*).

---

Laba'bantu kutiwa ukoko wabo nguAdam Kok iBhunu. Sikulu isikati sokuvela kwabo, nabo kungati bang'amaLawu, kodwa bahlukile emaLawini, bayabonakala ukuti ba'nhlobo'mbili—umuntu nomlungu—kabafani ngempela namaLawu, nonxa ubhekisisa ubuso babo ungazibonela nje ukuti ngumlungu lona akusilo iLawu, kodwa uy'inhlanganisela.

Angazi nonxa iBhunu leli layitola-pi intombi elazala kuyo iHiligwa; mina ngilinganisa ukuti kwaku yintombi yeLawu, ngoba amanye amaHiligwa afana nawo uqobo amaLawu. Futi nenkosi yawo uAdam Kok\* oke wafika lapa emGungundhlovu eminyakeni epambili wab'eti inxa es'ekuluma ngolwakubo aluyeke olwamaBhunu lolu, akulume ngalo oluqoqozayo, olungati ngolwabaTwa uqobo. Ngiti mina, lezi'nhlobo—abaTwa namaLawu nama-

\*uAdam Kok iii.

Hiligwa—zi umndeni, ziyazalana, nonxa ngingekucaze kahle loko, kungati amaHiligwa lawa kukwoninalume lapa emaLawini, ngoba kungati umtombo walab'abantu munye lapo upuma kona, njenga kiti tina'baNguni sonke kanye nabaNtungwa, nonxa sesande kangakanana nje ! Kodwa bonke laba, abaTwa namaLawu kabakude kakulu kiti, sikona isifanekiso esikulu esikomba loko—izinwele zabo ezise yizo ezetu—ekona kwahlukanisa umhlungu nomuntu, inganti iHiligwa lona ling'umlungu uqobo.

---

ISAHLUKO V.  
KUPUNYWA ENGONINI (*SUEZ CANAL*)  
NJALO KUVELWA-PI ?

---

Kakwaziwa'muntu ukuti kwati kupunywa engonini (*Suez Canal*) lapa kwakuvvelwa-pi, abanye balinganisa ukuti songati sasivela ngas'eEgipiti. Bonke abangapambili kwetu abasitsheli, abazange basitsheli'ndaba neyodwa lapa babekade bekona. Inye kupela indaba abasizekela yona, lapa beti kwakukona imifula emikulu ezweni lakubo lapa bab'ake kona, eyabe ingawelwa ngezinnyawo ukupela ngezikebhe zodwa; lapa zaziti inxa ziyekeugeza emfuleni izikundhlwane kuqamuke isilwane esikulu ababesibiza ngokuti "isiQuqumadevu." Leso'silwane kutiwa sasisibi impela, ngoba kwakuti kungafika sona emfuleni lapa begeza kona abantwana, sibawole bonkana bengazelele — hai ngokubadumela ngolunya, kodwa sibawole ngomusa—ngokubancenga nangokubupa ukudhlana okumnanjana, sibapa njalo siyabahlekisa. (Kungati sasibanika o biscuits, nao keki nao switi, oku-

tandwa kakulu yizinngane, noma kodwa ngingeqinise kakulu ngaloko). Kutiwa kwakuti nonxa inngane is'ikala, ifuna ukugoduka, iti "Nginika ingubo yami leyo, Siqu-qumadevu," siperpendule siti "Woza lapa uzoyitata." Ifike qede inngane siyigwinye. (Inxa umuntu ezwayo kulapo isikebhe leso sesisuka sihamba).

Leyo'ndaba enkulu kangako sabe siyizekelwa ng'abada abangapambili kwetu—ababeyizeka ebusuku soku-lelwe—beyizeka kutiwa yinnganekwana; kwakungesiyo indaba yokuqanjwa nje, kwakuy'indaba yesiminya, kutiwa nokutsho aizekwa emmini, iyayekwa kuze kuhlwe and'uba izekwe, sekuelwe, funa umuntu omdala oyizekayo amile izimpondo enhloko njengenkomu uma eyizekwa emmini. Ngako-ke sonke siyizwe ebusuku ixoxwa yizalukazi lapa sesilele.

---

ISAHLUKO VI.  
UMLUNGU KU'MUNTU.

---

Nonke-ke niyazibonela namuhla ukuti aubonange ubakona umfula omkulu owabe ungahle uhanjwe ngezikebhe kulel'izwe, uhanjwe yiles'o silwane esikulu kangako, esasihambe sibuta izinngane zabantu, sibagcwaliise esiswini saso, besesimuka nabo. Kutshivo imikumbi yama Putukezi, nabanye abelungu ababi, eyabe ihambe izingela izinngane zabantu ezigeza emfuleni, ukuba uzi-tute uytengisa ngazo kwabanye abelungu, zenziwe izigqili, kutolwe imali ngazo. Lowo'mkuba omubi kambe waza wanqatshwa yiNkosazana yama Ngisi Enomusa uQueen Victoria, owamisa imikumbi emikulu yokulwa

(*Men of War*), ukuba ikake ulwandhle, iti ingabona leyo'mikumbi etwele izinngane zabantu ibanjwe yapucwe izinngane lezo, ziyiswe ezindaweni ezitile ezimiswe nguye, zingatengisi.

Kungaloko-ke ukuba abaningi bakiti sebaza bali-gewala elas'e *America*, ngobapela naye u *Kwini* uze wakubonela muva loko, futi inningi lezinngane ezitunjwayo lezi, ute evela ebukosini wasoukade waqala ukwenziwa lowo'mkuba omubi.

Njengokuba imifula emikulu esiyaziyo kus'e Zambesi nas'e Kongo, nani-ke kucabangeni nizakukubona kube s'obala ukuti lezo'nngane zazitatwa kuyo leyo'mifula. Ngingahle ngingahle ngabantu bas'e Kongo engike ngababona e St. Helena enkatini yokubotshwa kwaba Ntiana benkosi yakwa'Zulu' mina ngababona ngo 1896-7, labo abakunye nabo laba ababetunjwa emfuleni was'e Kongo ekadeni:—o Williams, no Cummings, no George kanye no Mbhilimbhili (likona kodwa ibizo labelungu abambiza ngalo, selingikohlile). Law'amadoda omane abanjwa lapo e Kongo egeza eseizinnganyana ezingazi'luto, abanjwa qede, imikumbi leyo yeNkosikazi yabapuca abelungu ababezipangile lez'izinnganyana; basebeyiswa kuleso'siqingana sase St. Helena ngezwi lika' *Kwini*. Bahlala kona baza bakula baba amadoda, loku namuhla seku amaxegu, banemizi yabo, ukupela yena u Mbhilimbhili lowo ongena'muzi, osalwaziyo nengcozana ulimi lwakiti, abanye laba abatatu abasalwazi, sebeqonda izinhlamvana nje ezitile. Yena u Mbhilimbhili lowo wab'ehleze engixoxela izindaba zika' Nqaba ka' Mbekwane Kumalo inkosi yakubo, owab'e isazi esikulu esifana no Cakijana bo-Gcololo.

Ngingezihlupe nokuzihlupa ngokunilandisa ngobunigi balaba baki*ti* abas' *e America* namuhla, asebe yizi-nkulungwane ngezinkulungwane namuhla, ababetutwa yiso isiQuqumadevu leso, kutengiswa ngabo benziwe izigqili zabelungu. Labo-ke kwati ngokusebenza okukulu kwaoyisemkulu endulo baze bazikulula ebugqilini babo, bati bebazala abantwana babo laba basebekululiwe, sebe abanumzana ngokwabo. Kepa bandile kakulu, ba-fundisiwe futi, bacumile kakulu ngokwesabekayo, babalwa ngezinkulungwane nangezigidi kulelo'zwe abatunjwa qede kwtengiswa ngaoyisemkulu kulo.

Akusiqali namuhla loku, kade kwasiqala, ukuba abelungu basifanise nezilwane zas'endhle, ngennxa yombala esanikwa wona ng'uNkulunkulu. Abanye abelungu kabatsho ukuti umuntu omnyama ng'umuntu, bati yisilwane, imfene, innja yabo abayinikwa ng'u-Somandhla ukuba ibasebenzele, ibazingelele izinnyamazane, ibasebenzele imali, ukuze babe ng'abantu boqobo abadalwe ng'uMenzi. O! badukile ! !

Munye kupela umuntu omhlope owaka wabakona ezeni, owabe engatandi ukubandhlulula omunye ngombala okuye, owabe 'azisa ukuti bonke abantu—abanjani nabanjani — badalwe ng'uNkulunkulu kanyekanye — *u Queen Victoria*, owabe ekuqonda loko.

Kepa baningi lapa ezeni abantu asebe onhlobombili — umlungu nomuntu. Kutandeka kakulu kubelungu abange'balungu ba'luto ukutata izintombi zakiti, bezibona zizinhle; beqa ngaloko umteto owamiswayo ukuba lube yilolo'luhlobo lutatane lodwa njengokudalwa kwalo; kepa bona, abanye kubo, sebekweqile loko, inganti bayayazi imiteto ka'Menzi. Tina sifisa ukubona loko

okwenziwe ng'abelungu bokuqala ababenikwe ngu Tshaka izintombi zomdhu'nkulu, aoMbulazi (*Fynn*), Wohlō (*Ogle*) nabanye, abahlale nabo abafazi babo babakela imizi, kabaze babalahla. Babuye balahlelwe-ni emveni kwesikati abafazi nabantwana babo?

---

ISAHLUKO VII.  
AMALINGANISO.

---

Kepa abanye bakiti asebejwayele ukufunda inncwadi ecwebileyo yamaHeberu balinganisa batina'bantu abamnyama sapuma kwabakwa'Israele. Nanko umuhla omkulu owaqamuka ukutshona kwenkosi yakona uSolomon, uba kungene uRehoboam ebukosini, mdhla izizwe ezi ishumi zimhlubuka zonke kusala ezibili kupela—esakwa 'Juda nesakwa'Benjamin. Labo, bati nonxa kuzwakala ukuti lezi ezi ishumi zabuye zazibekela amakosi azo nje, nokoakuqondakali ukuti zawa beka zonke, abati kungahle kwenzeke ukuba kwati ukuhlubuka kwazo loko, abanye bahamba njalo badhlulela pambili, ababe besafuna namakosi okubabusa.

Kung'umlinganiso nje loko, akako umuntu ongahle akutsho akuqinise ati kwaba njalo ukupamuka kwetu. Kepa ukuhamba kwabantu abamnyama besuka ensongeni yolwandhle lapo (*Suez Canal*) kusitshenisa ukuti songati laba'bantu babeyiloku behamba njalo bebangi pambili; kufana nosongatiti kwakukona okubaxotshayo ngemuva okufuna ukubafica. Ngani na? Ngoba seloku basuka ensongeni (*Suez Canal*) lapo kwaba yiloku behamba njalo. Loko kubonakala ngani na? Kubonakala

ngoba akuko lapa saka sahlala kona, ukupela saba yiloku sihamba njalo. Wonke umuntu wakiti—wazo zonke izinhlobo lezi esiyizo esengizibalile—ungati inxa umbuzisa lapa apuma ngakona, akuyalele ennyakato, enhla nezwe, angapindi akukombise enye indawo. Ngitsho umSutu, Swazi, muTwa, Mpondo, Zulu, mXosa, Ndawo, nazo zonke izizwe ezimnyama, nonxa songati sokwahlu-kene ulimi lwetu namuhla.

Konje masivume yini-ke kulaba abati sahlukana nabakwa'Israele na? Konje nabo abakwa'Israele laba babe mnyama-bhuqe njengati nje yini-ke na? Angitsho mina ukuti bonke babe mnyama, ngiti abanye babempofu njengama *Suluman* njen; kodwa tina sahluke ngokuba sibe mnyama sonke, nakuba bekona abampofana. Po, nabo abakwa'Israele laba babenezi-nwele eziSongeneyo njengezetu njen yini-ke na?

Ukwahlukana kwomuntu omhlope nomnyama kuku-lu kakulu. Ake ubheke izinwele zomuntu ubuye ubheke ezomlungu. Bheka ikala lomuntu nelomlungu, nodebe lomuntu nolomlungu, namehlo abo ukuti kuya-fana yini na? Bunye ubufakazi obubonakala bus'obala: abaTwa namaLawu babonakala ukuti badabuka kanye nati, ngennxa yezinwele zabo ukufana kwazo nezetu, nokuqokotana kwazo, okukanya kahle ngokus'obala ukuti sonke tina kanyekanye, ngokudalwa kwetu, sifuze uboya bemvu eziwaneni, inganti umlungu ufuze imbuzi.

Kepa nonxa umuntu engatata intombi yomlungu, nonxa umlungu etata eyomuntu, kungenzeke ukuba inzalo ifuze umuntu; qa! izakufuza umlungu, liti igazi lomuntu ligwinywe ng'elomlungu, kuqubeke kuqubeke kuti kuleyo'nzalo baguquke bonke babe mhlope-qwa, bu-

pele nya ubumnyama lobu. Okubonakala ngokus'obala kimi ukuti bonke abantu bayakugcina ngokuba-mhlope befanе nabelungu njen umbala wabo ezinsukwini zokugcina, ngoba abelungu bakalipile ngesinene emantombazaneni abantu.

Ezinnewadini ezindala zamaHeberu kutiwa kwaldwa indoda yaba'nye nomfazi waba'munye. Inxa kungaba isiminya ukuti indoda yaba'nye nomfazi oyedwa, kungaqama ukuti kwaba yindoda nomfazi, abamnyama bobabili. Uma babe mhlope, po! bavela ngapi laba abamnyama nabampofu nabanga'munwe, loku abamhlope abaguuki ukuba babe mnyama? Enncwadini ka'Genesis kutiwa uAdam wazala ku'Eva uKaini noAbel, kepa omkulu wabulala omncane ngomona. uKaini waxotshelwa kwelas'eNode. Wayitola-pi intombi eyamganayo, loku unina noyise babe abokuqala? Gen. iv. 1-8. Umuntu angezikataze kakulu ngezinnewadini ezindala zamaHeberu, azisipete nga'luto tina. Inxa loko kungaba isiminya, yibapi abadalwe kuqala kunabanye—omhlope nomnyama—loku kukona izinhlobo eziningi ezingafaniyo nje na? Abanye bamhlope-qwa, abanye bampofu, abanye babomvu, abanye bamnyama-bhuqe. Kwenza ngani ukuba intutwane yona ibe'nhlobo'ningi na? Kukona amahlwasisi amnyama-bhuqe awadhliwayo, nezipompolo ezilumayo ezimnyama-bhuqe, kanye namatsheketshe, namaye; kukona ubutumusha obubomvu obulumayo kanye nezinhlwabusuku ezigomvana ezimnandi kakulu, nezinkungwane, nengange yesiduli, inkosikazi yaloko nguQumbu. Konje kona loko akusiyo yini into eyodwa kanyekanye ukubizwa kwayo na? Umuntu yena uzitshaya into

enku lu ngani, loku naye umilise okwazo zonke nje izi-  
lwane ezidalwe ng'uMenzi na?

*Bheka lapa.*—Ingebe 'siminya ngani yona indaba yokuti umuntu owadalwa kuqala kwaba imfene, iyo okwahamba kwahamba isikati eside, izimfene zaguquka abantu abanjengati njena. Emva kwaloko abantu bahlakazeka ebusweni bomhlaba. Nanti likona kiti izwi lokuti abakwa'Tusi yizimfene, okwati ngokwenqena kwabo ukulima, bay'a'kuhlala endhle, basebepisela imipini ezinqeni, yamila yaba imisila. Aliko yini futi izwi lokuti ezintabeni ezinde zase Switzerland kukona izilwane zakona ezifane nezalapa kiti izindangala, ezimhlope zona, ezinoboya obude obuningi? Konje kungaba umhlola yini uma abelungu nabo bevele kulez'izilwane? Kako umuntu ongaqinisa ngendoda yokuqala nomfazi wokuqala, okutiwa watatwa wenziwa ngobambo lwendoda. Inkulomo enjalo iyasidida ! !

Inkomo nezilwane zonke zinemilenze emibili nemikono emibili, kufana ngako konke nezito zomuntu nennyoni, kwahluke ngokuhamba ngazo zonke izito lezi ezine, inganti umuntu umi ute twi ubheke pezulu, uhamba ngemilenze emibili ukupela; okunye konke kuyafana, ngamehlo nekanda nomlomo namazinyo, akwahlukene nga'luto.

Nazo izimvu lezi nezimbuzi kuningi, kunezinhlobo ngezinhlobo, siyaziqabuka tina lezi'zimvu ezifike nabellungu ezibizwa kutiwa "isiklabhu," nezimbuzi lezi eznikulu ezibizwa kutiwa "amabhokwe," inganti kunye konke, kudalwe ng'uMenzi odale okus'emazweni onke omhlaba, kako omunye.

ISAHLUKO VIII.  
ABASALA EMUVA.

Noma bahamba njalo abantu bebange ngas'entshonala nangala kwezwe, kodwa baningi kakulu abasalela emuva, ba izizwe ngezizwe; namhlanje baningi abakileyo petsheya nanganeno kweZambesi, banamakosana abo abapeteyo. Abanye sebavuma umbuso wamaNgisi, abanye bavuma owamaFrench, abanye owamaJalimane, inganti abanye bapansi kwamaPutukezi. Nakulezo'ndawo iZwilienKosi limi liyashunyayelwa. Bakona abafundisi abaliquabay. Kepa ulimi Iwalabo'bantu alwahlukene kakulu kwolwetu, ezinye izinhlamvu zihlangene. Sokudhlule iminyaka etile engemide kakulu kwakutunywe kona uArchdeacon Mackenzie walapa kiti emLazi kwe-saseNatal, ukuba ayekubonisa abas'eZambesi abe ng'um-Bishopo wakona. Kodwa ukuhamba kwake akubanga na'nhlanhla; kwati, ngoba abantu bakona besafana nezi-  
lwane zas'endhle, wawela kabuhlungu emfuleni lowo omkulu was'eZambesi, kulwiwa emfuleni, kudutshulwana ngezibhamu kona pakati emfuleni. Noko waza wawela ngobungako esekona. Kahlalanga isikati esingakanani ngennxa yomkuhlane omubi walelo'zwe, watshetsha wagoduka kungakabi'nsuku ngaki; okwasidabukisa sonke tina esimaziyo ubuntu bake.

Kubuye kwati dukuduku emva kweminyaka etile kwafika inkosazana (Miss Alice Werner) es'epuma kona lapo eZambesi ekade efundisa kona, epete nezinncwadi zakona, es'ekwazi kancane nokukuluma kwabo. Wasi-xoxela nezindaba zalabo'bantu, nemisebenzi yabo emikulu yokukanyiswa—ngokuz'alukela kwabo izingubo zo-

kwambata nezokubhinca; wasixoxela ukuti bafuye kakulu izimvu nezimbuzi, balima ugampokwe.

ISAHLUKO IX.  
UKUHLAKAZEKA KWABANTU EZWENI.

Ukuhlakazeka kwabantu loku ezweni lonke kubonakala ukuti kwaya ngoba behambe befuna izindawo zokwaka. Kepa kwakuti nonxa labo sebezitolile izindawo bapinde basuke badhlulele pambili. Isizwe esikulu-ke sika'Mnguni sesuka saqonda lapa kutshona kona ilanga, kodwa njengesikonyane, safika satiyeka elwandhle. Nguye-ke lowo uMnguni owazala uMxosa (osongati ng'uye owab'e izibulo lika'Mnguni). Lesi'sizwe sesinesekati eside sahlukene nabafu wabo, esabashiya emuva.

Isizwe esidumileyo kwaku esakwa'Sibiya, okwakutwa ukubizwa kwalaba: "Abakwa'Sibiya nga'nkomo, abanye bebiya ngamahlahla." Lesi'sizwe kutiwa sati ukufika kwaso lapa, sivela kona ennyakato lapa, safika saka pakati kweziMfolozi zombili—emhlope nemnyama. Yiso esateleka kwa'Zulu kuqala; kutiwa kwaku isizwe esifuyileyo. Kungati isibongo leso sokuti "Sibiya nga'nkomo abanye bebiya ngamahlahla," sivela lapa, ekufuyeni.

Esinye isizwe esikade semuka, ng'amaMpondo, esemuka sashiya laba bakwa'Madango—uXulu ung'abafo wabo ngokuzalana—ngoba noXulu kuye inxa umuntu es'embonga ngesitakazelo sakubo angati "Mpondo'nde, Madango," abahlukene kakulu nonxa nibona laba baka'Faku ka'Ngqungqushe sebekude kubo nje, kwaya ngo-

kusalela kwalaba baka'Madango, bazalwa' muntu'munye, omkulu ng'uMpondo.

Nanko-ke amaXasibe akwa'Nxele encike njalo wona ku'maMpondo, ekanye nawo ngako konke nangokuza-lana, kabakude nabo, indaba enkulu yimibango kupela pakati kwabo, ngako loku kwokuba umndeni ungfakani-lubhedu.

Ukuhlakazeka kwabantu loku pakati kwezwe okunye kwenziwe ukungezwani nokungatandani; wati omncane kwomunye, ebona engahlalisene kahle nomfo wabo, wagxuma waya'kuzifunela eyaka indawo, lapa ezakuzihla-lela azonwabele angahlukunyezwa'muntu, ngobapela izwe labelibanzi kakulu, bonke babeziyela lapo betanda kona.

Isizwe esikulu esasala emuva, ng'esika'Makasana ka'Tembe, lapa kukona ubukosi obukade bema. Futi bona abasibo abantu bokulwa, abakutandi ukuxabana. Mudala lowo'muzi, kade wabakona kule'ndawo okuyo, ngitsho abantu baka'Noziyingili. Bona seloku babe-n'abantu bokuzihlalela ngokutula nje. Kungaloko ukuba baze bati ngokubona benxanelwe ng'abanye abantu bebagxokogxa, basale sebeqoma ukufuna imiti yokuzipindisela kwababahlupayo; kwasokuvama ukuba kutiwe "ama'Tonga ayatakata, kawa'bantu ba'luto."

Kudebuduze nabakwa'Tembe nanka amaSwazi, ayisizwe esikulu, esesapuma namuhla izizwe ezinninginigi eseziqede izwe elibanzi. Lapa kwapuma kona abaMbo bakwa'Mkize, nabo bepuma ngombango njalo. Naleso sakwa'Mkize sesinezizwe ezinninginigi namuhla. Sekuxubene-ke lapa eduze nalaba izizwana zama'Tonga neza-maSwazi, nezezinhlubo ezinye.

Isizwe esikulu kwaku esakwa'Nxumalo, esidabulelene izizwe ezibili ezikulukulu — esika'Zwide ka'Langa eyona'nkosi yakona enkulu ka'Ndwandwe kanye nomfo wabo uSotshangana ka'Manukuza—bobabili laba bang'amakosi amakulu awanezizwe ezikulu kakulu.

Nampaya-ke ngenzansi abakwa'Mtetwa, inkosi yabo okwaku ng'uJobe, owazala amadodana amabili, o'Tana noGodongwana; okwati ngokubanga kwabo umhlakuva owaumile enxiweni, uJobe watukutela, ebona ukuti babanga nje bazaugcina ngokubulala yena; wabe es'ebavimbezela ngempi ekuseni; yambulala omkulu u'Tana, kodwa wapunyuka uGodongwana, weqa wabanga kwe-lis'entshonalanga. Wahlala lapo waza wezwa ukuti kaseko uyise uJobe; wabuya ese ng'uDingiswayo, wafika watata isikundhla sika'yise, waba inkosi yakwa'Mtetwa.

Isizwe esikulu sika'Malandela kwaku esika'Qwabe ekanye nomfo wabo uZulu ka'Ntombela, esivame ukubanezifunda ezikulu. Kunjalo kuzo zozibili. Kutiwa kwati ngenye inkati uNozidiya inkos'enkulu yakwa'Qwabe, etanda ukulungisa umuzi wake, wahlaba inkabi enkulu, wabekelela izito zenkomu zaba innqwaba enkulu. Wabiza amadodana ake onke wati makube yileyo itate isito esifisayo. Kwasuka uMeyiwa watata umlenze omkulu. Kwasokutiwa kuye "Wena-ke us'ung'umfokazana, weyisile ngokutata isito esingaka." Emva kwake kwasuka uMsomi watata umhlubulo. Kwatiwa kuye "Wena-ke uy'inkosi ngokutata le'nyama." Naye uMsomi wazala uMbhedu, isokanqangi lake, wazala futi uGasa (iqadi), and'uba azale uSingila inkosana yake. uSingila wazala uVumane, owazala uKude noMoyeni. AmaQwabe azala futi laba bakwa'Mhlongo, ngitsho laba bakwa'Zincuma.

Pela niboqonda ukuti ngibala izizwe nje, ningacabangi ukuti niyakuzizwa zonke lapa, ngoba ezinye zizala ezinye ezincane; kuya ngokuzalana kwabantu; kuti kungadhlula izizukulwana ezine kumbe ezihlanu, abantu besebebizwa ngomuntu omutsha ayekwe omdala.

---

ISAHLUKO X.  
KUSE YIBO ABAHLAKAZEKILEYO NJALO.

---

Nanguya umuntu obizwa ngegama lokuti ng'uBhede, umfo wakwa'Ngwenya, naye ehambé ezihlwatizela nje-ningabanye bonke epuma ngas'eSwazini. Waqonda naye kwelis'entshonalanga, lapa wafika wazitolela kona indawo pezu kwentaba nangapansi kwayo, lapo wafika wazalela kona uMokhatshana, owazala uMoshweshwe. Kuleyo'ndawo owafika waka kuyo kutiwa "Kus'eSihlabeni," (Thaba Bosiu, okung'ukuti "Intaba-busuku") ennqabeni yake enkulu.

Nango-ke uMcunu efika'aka pakati kwama Tala omabili (ekulu nelincane). Ng'uye owazala izizwe ezinningi kuleyo'ndawo. Wazala uLubhoko, owazala uMacingwane. Wazala uNdima owazala uLembede (isibongo okutiwa kubo 'Bayeni'). Yibo labo abaka babanga noMacingwane. Isihlahla sika'Lembede, lapo watshalwa kona sis'eSikaleni-Sebomvu, emkatini wawo omabili amaTala ekulu nelincane. Elikulu lingenhla ngas'ennyakato, elincane lingenzansi ngas'ennigizimu, okw'ake isikole sas'e-Church of South Africa kulo. Ngalapaya kwesikole enhla naso kukona innqwaba enkulu yamatshe lapo kwatshalwa kona uLubhoko. Babete ngokulwa kwabo loko

wahlulwa uLembede, wabutata ubukosi buka'Mcunu uLubhoko.

Nanguya ngas'emHlatuze pezu kwavo uMbhoma, lapo watshalwa kona, ey'isihlahla esikulu. Yileyo inkosi yakwa'Sikakana. Lolu'hlobo luvame ukuba yizazi zokwelapa, nas'endulo abakwa'Sikakana babevame ukuba yizinnyanga.

Nankaya amaCube aka'Dhlaba inkosi yakwa'Tshezi eNkandhla, kanye nabakwa'Majozi; lapa kwesuka kona amaCamane ewelela nganeno kwo Tukela.

Nanka eduze amaNdhlovu kona lapo eNkandhla; inkosi yawo kwaku uNgema, owazala uLumula, uLumula wazala uZingelwayo owazala uMpongo uyise ka'Manzezulu. AmaNdhlovu nawo abanga kakulu noMacingwane. Kwati ngennxa yokuba uMpongo enamandhla amakulu, enezingqungqulu ezimbili ayezituma kuMacingwane zi-yekulwa naye engakafiki yena uqobo lwake, wesuka naye uMacingwane wafuna eyake innyanga; eyalumba ingwe, yayitumela ukuba iyekudhla uMpongo ebusuku elele. Yafika yakwela pezu kwendhlu elele uMpongo. Yehla pezulu yamudhla elele ehlatini elikulu kwa'Nomangce emzini wake. Kwasokuba ukuhlakazeka kwesizwe sake njalo. uMacingwane wabutata ubukosi.

Nango-ke uTshisi inkosi yamaNxamalala efika evela kona le ngas'ennyakato naye, 'ahlukana nabanye ab-Sutu bakubo. Waza wazala uMatomela, uyise ka'Lugaju. Banda abantu.

Nampaya enhla nezwe abas'eZibisini, abatola isibongo sokuti "Izimpisi ezi'milomo'bomvu ngokuxapa inngazi zabantu," ngennxa yokuba beng'amaqawe bonke. Inkosi yabo nguNomatshingili ka'Bango. Yibo abehlisa uDingiswayo inkosi yakwa'Mtetwa ukupenduka kwake

es'ebuyela kwa'Mtetwa. Wehla njalo us'egibele ehashini elimhlope as'elinikwe ng'abelungu.

Nanka amaNgcobo 'ehla nawo, ehamba imizila emikulu, kanye nezizwana lezi eziningana ezi umunxa kanye nawo; kulapa batola kona lesi'sibongo sabo sokuti "ama-Fuzafulele njengennyamazane." Ngoba kwakuti endhleleni, abantu sebekatele, iti noma inkosi seimemezele ngaizolo ukuti akuze kuvukwe kuhanjwe, bavume qede kuse sebefulela amadhlangala abo becabanga ukuti ababonwa, sebedinwe ukuhamba, bepuma kude, kukade kwa-qalwa kuhanjwa.

Yilezi izizwe ezazi umunxa ka'Ngcobo omkululu ukwehla kwabo besapuma ennyakato. Niyazi kambe ukuti uNgcobo uzalwa ng'uVumezita, owahlukene nalaba bakwaTembe. Babemi kanje:—

- (i.) uNyuswa, indhlu'nkulu yabo bonke:
- (ii.) Iqadi las'endhlu'nkulu:
- (iii.) Abakwa'Madhliwa-iyeve (amaBhelesi):
- (iv.) uNgongoma (umuzi ka'Ngcobo esizinden).
- (v.) uNomazocwana ka'Ndela:
- (vi.) uMketshane ka'Ngcobo, u'Tshangase:
- (vii.) uNgidi, uMnguni ka'Kuzwayo:
- (viii.) uNdelu, uBhulose:
- (ix.) uNzama, uWosiyan:
- (x.) AmaMfene:
- (xi.) uCele, uNdosi:
- (xii.) uGoba, kanye nazo zonke ezinye izizwe engi'ngezikumbule kahle. Akumangalisi laba ukubiza umuntu ngokuti "Ngcobo" noma benezi-bongo ezinye namhlanje, ngennxa yokuba sebevame ukutatana bodwa, uNyuswa us'ebatata bonke, us'eyeka kupela amaQadi odwa.

AmaNgwane amaseng'asileke njengetole, enenkosi yawo enkulu uMatiwane. Yiwo amaNgwane awabe enobukosi obukulu. Nguye uMatiwane kaMasumpa owalwa kakulu noTshaka isikati eside; okwaze kwati ngokupikelela kuka'Tshaka, weqa uMatiwane, wadinga. Ute es'ebuya 'ahlulekile, watumela ku'Tshaka, wati, "Igade idiniwe wena ka'Senzangakona, tola, sengahlulekile." Wavuma uTshaka ukumtola; kodwa kute ngobubi bwabantu bakwa'Zulu, sebemfel'umona, bati usafuna ubukosi, ngaloko uTshaka wambulala. Wabulawelwa odongeni olukulu lapa wayiswa kona. Kwasokutiwa ukubizwa kwalelo'wa "Kwa'Matiwane," namanhlanje. Kwenzeka loku ngo 1812, emveni kwoba uMatiwane es'ez'etulile wazinikela ku'Tshaka.

Kudebuduze namaNgwane nanka amaZizi akwaSijadu, epetwe yinkosi yawo enkulu uDweba, afika abeka kona ngalapa ngas'emTshezi. Le'nkosi yabe inombuso obanzi. Kwati, ngelinye ilanga mdhla amaDhlamini akwaNongcama ka'Mndhlovu (ababakelene naye) beyekulobola intombi yas'ema'Zizini, bafika qede bazinge bebizana ngokutakazelana nabakubo kanye nabo bonke balapo bende kona (emaZizini) ngokuti "Dhlamini," kwaza kwaba kuhle pakati kwamaZizi. Bate sebemuka uDweba wabe es'ekipa isitole waya'kusitenga lesi'sibongo sokuti "Dhlamini." AmaZizi 'aba ng'amaDhlamini ngalelo'langa loku kuze kuge namhlanje.

*Bheka lapa*.—Izindhlu zika'Dhlamini ziningi kakulu. Kukona umuzi omkulu (i.) was'Ekonene eng'oka'Bhidhla ka'Ngonyama, oyena'mkulu wabo; (ii.) Emakuzeni ong'oka'Kukulela; (iii.) Esipahleni, ong'oka'Mbazwana;

(iv.) Egugwini, ong'oka'Fodo; (v.) Enhlangwini, ong'oka'Sidoi; namanye amasekela akona.

Ukwakelana loku kwabantu babengakelene kude; nanka amaHlubi ka'Bhungane ka'Nsele kona lapa sekwake umuzi wamaBhunu was'eUtrecht namuhla, akelele namaNgwane namaZizi kanye neNhlangwini (amaDhlamini).

Nanka amaDunge emVoti, kuso isiza lesi senxiwa okwake kuso umuzi wabelungu obizwa kutiwa umGungundhlovwana (*Greystown*), abe ake emaningi kakulu eze awelela napetsheya kwoTukela, alidakaza lonke leliya las'eMandhlalati, abati ukubiza bona "k'eMangralatsi."

NamaNgcolosi kawakude nabo; kwakiwe nje kuhanjwe kudedelwana imikati.

Namhlanje izizwe zamaNgcolosi zibili, esika'Ndhlakolo ka'Nkungu nesomfo wabo uHlangabeza. Loko kwenzeka ngokubanga kwabo ubukosana buka'yise uNkungu, indodana ka'Mepo, ka'Ngwane, ka'Bhengu. Yileso isibongo asebebizwa ngaso namuhla, kutiwa kubo "Bhengu."

AmaBhengu mabili lapa ezweni, inxa ngibala labo abaziwa yimi—amaNgcolosi nenxenyana ey'ingcozana yabas'eMbho kwa'Mkize—laba bakaBhulu ka'Bhengu—oMvubu ka'Tshongwe, noMahoiza ka'Mlandu, inkosi yabo okwaku uMfacane ka'Mpalampala ka'Matomela, abahlulwa ngempi eyalwa kakulu nabaMbho baka'Kabazele ka'Mavovo, kubangwa. Bahlulwa-ke abaka'yise-mkulu ka'Mfacane.

Ku'maNgcolosi kukona izifundana ezinningana—abakwa'Jali nabakwaPeta.

Ngingebashiye ukubabala laba bakwa'Nzama (ama-

Osiyana) nonxa be umunxa wamaNgcobo nje. Endulo babe isizwe esikulwana nabo. Yibo laba okwati emveni kweminyaka yokugcina, sekuqamuke u'Tshaka nje, abantu bonke sebedhliwe izinkomo zabo, inkosi yamaWosiyana, uNgcugcwia ibizo layo, wazuza umuti wobuqili,—ingabe wabe ewuzuze ku'baTwa yini, angazi,—naye wenza ubuqili bokuhambe etumba izinkomo zabantu ngokuzeba ebusuku bengamboni. Okwahamba kwahamba waza wabanjwa. Okwati uba ayiswe pambi kuka'Tshaka ngesikati sas'ekuseni, wati kuye u'Tshaka, "sakubona, Gcugewa!" Wavuma wati "Yebo, Ndabezita, ngibona wena." Wapinda futi u'Tshaka wati "Sakubona, Gcugewa!" Waza wapinda izikati ezitatu embingelela ngokunjalo, wase eti uNgcugcwia, "Yebo, 'nkosi; ubona mina nje nawe bayakukubona abanye ngomuso. Wase eti u'Tshaka, "Mbambeni !!" Savela lapo isaga sokuba ati inxa umuntu ebingeleta omunye ngokujabula eti "Sakubona, Banibani," ampendule naye ngokutokoza, ati "Yebo, ubona mina nje bayakukubona nawe abanye ngomuso," watsho uNgcugcwia." Kutishiwo ngoba naye u'Tshaka wagcina ngokubulawa ng'abafo wabo, njengokutsho kuka'Ngcugcwia, kwokuti "Bayakukubona nawe abanye ngomuso." Kwasokuba isaga loko kuze kubemamhlanje.

Nansiya isizwe esikulu kakulu sika'Mzilikazi ka'Matshobana, amaKumalo, ekanye nezizwana ezi umunxa wakona, abakwaMabaso nabanye, amaNgwe.

Nangu kona eduze lapa uKanyile, eyisizwe esikulu naye; eyeme kakulu kulaba bakwa'Zulu—ng'aoPunga noma kumbe oMageba kuleyo'nkati.

Nampa laba baka'Mevana ababezipete ngokwabo,

ngitsho abakwa'Butelezi. uMnyamana ka'Ngqengelele owab'e uNdunankulu ka'Cetshwayo inkosi yokugcina yakwa'Zulu, uyise uNgqengelele wabe efike evela kuleso-sizwe enkatini yokubusa kuka'Tshaka. Yena uNgqengelele wafika kwa'Zulu engacambusile izindhlebe. Ngokufika kuka'Ngqengelele wenziwa waba innceku yokulala nenkosи endhlini, ukuba inkosi iti inxa ipumesa isikwellela noma amate, ipumesele ku'Ngqengelele. Kepa wab'e nomfo wabo uKoboyela, owazala uKlwana, indun'enkuI yempi esikatini sika'Dingane; obulewe ng'uMnyamana enkatini ka'Mpande. Naye uKlwana wab'e ng'umuntu omkulu odumileyo, ey'induna enkuI yempi. Kute uba kungene uMpande ebukosini, uMnyamana es'epakeme naye, wabulala uKlwana, eti udhla ifa lika'yise uNgqengelele engesiye owake, kodwa eng'owomfo wabo uKoboyela. Ngicabanga ngiti uyise ka'Ngqengelele ng'uTshenge, owab'efungwa ng'uMnyamana, kodwa ngingekuqinise loko.

Nampa abaka'Manti, inkos'enkuI yamaTuli, okutiuwa kwati mdhla bahlukana nabakwa'Lutuli abasala emuva, yase ibabiza iti inkosi yasema'Tulini "Lutfuli lwaNgodzi,—kwasokuba ukwahlkana kwabo njalo nalaba bas'ema'Tulini.

Nanka amaCele ka'Ndosi, izizwe njalo ezazitekeza zilalisa ulimi inxa zikuluma.

Nanka amaNganga ka'Lutshozi, eyisizwe esikulu nawo ezibusela ngokwawo.

Ziningi nje izizwe ezafika zazakela lapa zizitandela kona, ngoba nalaba bakwa'Dube abab'ake lapa emHlatuze kanye nalaba bakwa'Sokulu abab'ake enzansi nabo ngas'olwandhle, babezibusela, benamakosi abo.

Nezinye nje izizwe ezikulu nezincane engingazibale lapa zazizibusela.

Njengokuba nanka amaZondi aka'Nondaba ay'e-petwe inkosi yawo enkulu uDhlaba asel'e izizwe eziningi namuhla :— Esika'Mhlola nesika'Bambada nesika'La-duma nesika'Bhevu. Bonke laba endulo babeihlangene be'muntu'munye, kungeko loku esenibabona beyiko namuhla.

AmaNtambo akwa'Kwela, inkosi yabo okwaku uNokwena, atshetsha wona ukukupuka ukuya kwelingas'e-Kipi. uNokwena ng'uyise ka'Mgwada.

Nanka futi amaPepeta, isizwe sika'Myeka esabe sijiyile naso njengezinye.

Isizwe esikulu sika'Mkupukeli,—aba'Tembu—esesi-nezizwe eziningi namhlanje. Nalapaya kwelas'eKoloni kukona amakosana amane, kepa eyona'nkosi yabo enkulu sebebonke, ng'uNgqamzana ka'Mganu, ka'Nodada, ka'Ngoza, ka'Mkupukeli, ka'Nyandeni, ka'Mvelase. Inkosi yales'isizwe aiyiwadhli amasi, aiyidhli nennyama yenkomu, iti ukwenza iyihlafune nje ingayigwinyi iyikipe igwinye amanzi ayo odwa. Idhla innyama yesibhudu neyennyamazane nje kupela, nennyama yentendele. Ukubaleka kuka'Ngoza ebalekela uTshaka wabe ehamba kanye noMacingwane owafela Ensiken. Yena-ke (uNgoza) wafela emaMpundweni, ngoba wabe elwa nawo. Sahlakazeka lapo-ke isizwe sake. Inkosana yake (uNodada) yapindela kwelas'eNatal, eCacane, ngas'emNambiti. Wafika waka lapo, emkatini ka'Pakade noMatshana ka'Mondise.

AbaMbho laba sekuy'isikati eside bahlukene nama-Langeni — amaSwazi — nabaMbho bang'amaSwazi. Ba-

hlukana futi namaTshange akwa'Dumakude. Kungati inkosi yas'eMbho yati ifuna ukubeka umntwana wayo omkulu yahlaba inkabi enkulu, yabekelela innyama. Kungati kus'esikatini sika'Sibiside. Kulapo uTshange wadumela umlenze. Kungaloko uMavovo yena watata insonyama. Wabutata ubukosi. Inkosi yabo ng'uGubhela, owazala uKubone, owazala uMngebelezana, owazala uDhlozela, owazala uSibiside, owazala uMavovo, owazala uKabazele, owazala uGcwabe, owazala uZihlandhlo, owazala uSiyingela, owazala uNgunezi, uyise ka'Tilongo noSikukuku. Ng'Zihlandhlo kupela owabe evunyelwe nguTshaka ukwaka isigodhlo, embiza ngokuti ung'um-nawa wake, ewabulala onke amakosi.

---

ISAHLUKO XI.  
UKUHLALA KWEZIZWE EZWENI.

---

Abantu bonke babeihlezi ngokuzibusela, bengacwa-swe'luto, ungeko umsindo nokuxabana pakati kwabo. Noma ngibashiyile abanye ukubabala lapa akusiyo into enkulu loko. Nginitshelile ngati ezinye izizwe zaziqamuka kwezinye ezikulu. Kimiaku'luto ukubala isizwana esinjenga leso sas'emaKabeleni kwa'Dhlomo, esaza abantu basenza isaga ngennxa yobuncane baso. "Uti umuntu munye, kukwa'Fabase yini ?"

Ngingewabale nempela amaNgidi ngoba adabuke kwa'Ngcobo, ase ng'amaNgcobo. NamaNdalu lawa akwa'Bhulose, namaCele lawa akwa'Ndosi, kanye nama-Mfene namaGoba, bonke laba base umunxa ka'Ngcobo bonkana.

Kodwa abakwa'Tusi laba bazimele ngokwabo. Aba'sendulo bayaqinisa bate nqi bati laba'bantu bakunye nezimfene ngempela, nazo izimfene lezi zazi abantu uqobo njengati sonke. Kepa labo bakwa'Tusi kwati ngo-kwenqena kwabo ukulima bemuka emakaya bayakuhlala endhle, badhla imbewu abapume beyakutshala ngayo. Nampo-ke sebepisela imipini ngemuva, besaba ukuya emakaya ku'bantu, balala endhle. Ngaloko basebemila uboya njengezilwane.

Nabo laba bakwa'Sitole, inkosi yabo enkulu okwaku uMbhadu ka'Ntshiba, isizwe sake satshetsha ukufekela, kwacuma esenduna yake uJobe owasala emanxiweni lapa uNtshiba esuka eya kwenye indawo. Wasala emanxiweni uJobe, abantu bakwa'Sitole baza bavuma yena ukuti uy'inkosi yabo. Ute esemzala uMondise basebemenza inkosi yabo uqobo. Naye uMondise uyamzala uMatshana akusabuzwa nokubuzwa ukuti iyipi inkosi yakwo'Sitole. Kanti oku isiminya inkosi yakwa'Sitole yomdarbu nguMbhulungeni ka'Mbhadu ka'Ntshiba.

Ngingesizakale ngezibongwana lezi ezivela kwe-zinye:—Msweli, Nala, Hlope, Mgwaba, Seme, Camu, Masondo, Sokela, Mlilo, Ntanzi, Duma, Mapanga, Mu-weli, Madondo, Zimu, Nzimande, Geza, Cagwe, Mate, Luvuno, Nkabini, Mseleku, Mahlanjeni, Nhlanzini, Nye-mbe, Zungu, Mtalane, Majola, Manyoni, Masuku, Mzellemu, Nyawo, Tusini, Nyatela, Ximba (Mlaba), Sondezi, Mbhata, Tole, Nkomo, Nyati, Nyawose, Ggewabaza, Bafazini, Nhlamvu, Mbwayi, Lamula, Mbheje, Maduna, Magwaza, Lumbo, Sengqela, Mtwazi, Ngiba, Mpungose, Gazu, Geabatshe, Senzela, Mbambo, Meyiwa, Mbomvu (Ngubane), Ngcoya, Mbonambi, Ncobeni, Cebekulu,

Nhlangoti, Mdhluli, Njele, Manzi, Muncwabe, Nkala, Ndumo, Xaba, Msimanga, Mzolo, Madhlala (esibazi kahle ukuti behla ku'beSutu), Zindela (aba abeSutu futi bakwa'Malinga) abafika nje nabo behambe bezifunela ukwaka njengabantu bonke.

Zonke-ke izizwe lezi esengizibalile nengingakazibali zabe zakile ngokutandana zonkana, zingazondani. Kuti inxa kuxabene esinye isizwe nesinye, abesilisa bahlome qede baye endaweni okutiwe kuyakuhlanganwa kuyo, kuyiwe kupetwe izihlangu nemikonto eminingi. Kuhlanganwe qede, kuponswane ngemikonto kutiwe "Heiye !" etsho umuntu eciba umkonto eziteni. Ati angahlatshwa omunye, babaleke labaya abakubo. Nabo laba abahlabe omunye beme kaloku, bangabaxotshi laba ababalekayo, kube sekuba ukugoduka kwabo njalo. Kuyasa ngango-muso sekutunywa abantu bokuya'kubakalela. Yabe ingeko ingqutshumbane pakati kwabo.

Futi ukulwa loku kwakungesiyo into evamileyo pakati kwabantu, bekuqabuka kuvele, kungesiyo into yemihla. Imikonto lena yabe ipatwa ibe ipande esihlangwini sendoda, kungafani nokwanamuhla, lapa umuntu es'epata imikonto emibili kuge kupela. Kulezo'nsuku abantu babetandana. Kwakuti noma omunye es'ezakufa angashiywa obala, kodwa abakubo bamhlene aze afinyelele ekaya.

Namhlanje inxa umuntu elimaze omunye ekulweni, uyamqedela afe nya, abuye amqaqe, afake umkonto esiswini, kupume zonke izitsha zomuntu ngapakati. Bati inxa betsho, bati loko bakwenzela ukuba ati lo ogwaze omunye angaqumbi, kepa indaba nje leyo.

Inxa kutshone umuntu kwakubikelwe izihlobo na-

bantu abakelene eduze. Kuyiwe kulowo'muzi; amadoda embe igodi. Kuti inxa ku umnini'muzi kumbiwe esibayeni ngapakati. Igodi lenziwe indilinga lingelulwa'bude. Limbiwe impela litshoniswe pansi. Kuti inxa selilide ngokufaneleyo, kumbiwe enye ingosi eyona izakuhlala isidumbu somuntu. Sikitshwe-ke endhlini yake enkulu lapo umnumzana egqatshukele kona. Siletwe esibayeni ngohlaka, ses'ambeswe ngezingubo zake. Abanta bake bonke beme kona lapo bekake iliba; umintanake omkulu epete izikali zika'yise. Isidumbu sikwezwe ng'abantu ababili, omunye eme ngapansi pakati eliben, omunye abe ngapezulu anikeze lowo ongapansi. (Loku pela kunjalo njalo, isidumbu sibotshiwe, sahlalisa nge-sinque njengongati umuntu usezwa uzhialele). Kut'uba akwezwe pansi, lo opansi asisekele isidumbu ngamatshe aqalele pansi aze afinyelele pezulu ekanda. Ongapezulu lona usebenza ukunika lo ongapansi amatshe njalo okusekela sona isidumbu. Uze upele uti nya lowo'msebenzi. Emva kwaloko kubuyiselwe inhlabati yonke. Anduba kuti inxa sekuediwe konke, kuzwakale isililo esikulu. Emva kwaloko bemuke bonke bayekugeza emfuleni. Bafunelwe izintelezi zokugeza. Bageze qede, bagoduke baye ekaya. Besekufunwa innyanga ezakubafunela umlawu wokudhla. Kuti-ke ngangomuso kufunwe innyanga yokupeka amakubalo. Kuhlatshwe inkomo kumbeitole lokudhla amakubalo. Leyo'nnyma maidhliwe yonke ipele ngalelo'langa. Kuhlalwe-ke kuzilwe izinsuku ezitile, kungahlatshelwa kuze kupele innyanga. And'uba kute emva kwezinnyanga ezi'situpa kwensiwe ukudhla, utshwala obukulu; kuhlatshwe inkomo nezimbu, kubuyiswe ofileyo. Kutetwe idhlozi lake. Lapo-

ke kujabule abantwana bake bonke. Ngalelo'langa omkake baziketele (abasatanda uMwenda) ku'bafo wabo kulabo abazakubangena bazale umufi inzalo.

#### INXA KUFE INKOSI.

Inxa kufe inkosi kuzaumenya bonke abantu bayo, beze behlome izihlangu. Bahube amahubo amakulu, bangasini kodwa. Kufanele ukuba isidumbu senkosi silale noma amalanga amatatu noma mane inxa bengakapeleli abantu besizwe sayo, noma kungaze kupele isonto. Loku pela isidumbu sihlezi isikati esingako njalo, kuzinge kuhlatshwa izinkabi, isidumbu sisongwe ngezikumba ukuze lingabiko ipunga elizwakala ukubola ekaya nas'endhlini.

Bat'uba bapelele abantu bayo sikwezwe-ke isidumbu kanye nempahla yayo yonke, sinqunywe isicoco, simbelwe kanye nesidumbu.

Kunjalo njalo amadodana onke ayo emi, enkulu ipete izikali zika'yise; nabantu bonke bemi nezihlangu zabo bakake igodi.

Kunjalo, konke ukufa kuyafana. Okwenkosi kwaluka ngoba onke amadoda ayapuca emakanda njengabesifazana abafelwe ngumyeni wabo, ngennxa yokuba pela inkosi ing'umyeni wawo onke amadoda ewafeleyo.

And'uba kuti emva kwaloko kupume innqina enkulu iyozingela izinnyamazane. Kuti inxa kukona izita ebezizondana naleyo'nkosi ihlambo lelo lipume njengempi ehlasela kuleyo'nkosi. Kodwa inxa ku inkosi nje noma kumbe umnumzana, kuyakuzingelwa izinnyamazana kupa-pela ingacatshangwa indaba yokuya kubulala abantu.

Kuzauti-ke emva kwezinnyanga ezitile, kumenywe

isizwe, kwensiwe isidhlo esikulu, kubuyiswe inkosi. Ngalowo'muhla innyama lena inningi yahlula nezinja ezimbala, utshwala lobu bupiswe nas'ezindengezini zamanzi, kako opuzisa omunye lapo ekaya; isidakwa lesi sesicwensa nje, asisayazi into esiyenzayo. Amakosikazi avunule ayoconsa, azakuketa abafanele ukuwangena. Ngalelo'langa inkosi ibuyiselwa ekaya.

ISAHLUKO XII.

IZIZWE EZAZINAMANDHLA KUNEZINYE.

Isizwe sika'Mokhatshana ka Bhede inkosi yakwa-'Ngwenya, owafika le enhla waxotsha abanye abaSutu. Kepa uBhede yena wab'engesiye umSutu uqobo lwake, wabe eng'umuntu wakwa'Ngwenya njengabanye abantu, nobuSutu lobu uze wabutolela muva es'eyizele indodana uMokhatshana. Wati uMokhatshana es'ezala uMo- shueshue wabe es'engumSutu upobo. Sapendulwa-ke isibongo sakwa'Ngwenya kwatiwa "Mogwena." Kwati ngokwanda kuka'Moshueshue ekuhlakanipeni nas'ekufundiseni abantwana nabantu bake, wapakama waba inkos'enku kunezinye izizwe.

Isizwe sika'Ngqungqushe inkosi yamaMpondo sabe sisikulu impela kuleliya las'Emtamvuna. Ute uba ahlukane nabakubo bakwa'Madango wafika wanda kakulu kulelo'zwe, ekanye nezizwe eziningi ezazi kunye naye amaXasibe akwa'Nxele nezinyo. Ute es'emzala uFaku namaMpondonusa nezinye izizwana ezipansi kwake.

Kukona izizwe ezihlangeneyo osongati zitatu namuhla—esakwa'Makoba nesakwa'Zungu nesakwa'Gwamanda. Nonxa kungati zahlukene namuhla, qa! azahlukene. Lapa kwa'Zungu kulapa kuzelwe kona unina ka'Cetshwayo, nNgqumbazi woka'Mbhonde ka'Tshana. Inkosi yakona kwaku uMfanawendhlela ka'Tanga ka'Manzini ka'Tshana. Lesi sakwa'Makoba sabe sing-'esika'Joko, uyise ka'Mangcengce indodana yake enku, nomfo wabo uMagwaza. Lesi-ke sakwa'Gwamanda angisazel'mnumzana waso, ukupela ngazi umfundisi omku uJoseph Gwamanda owab'e s'emtshwati *New Hanover*, owabuye wayakufundisa kwelakwa'Zulu, kanye noManzini, uyise ka'Nkofana, umnumzana omku wakwa'Gwamanda.

Isizwe sika'Ndungunya yiloku safika sivela ennyakato sahlala ndawonye njalo, waza wazala nendodana yake uSobhuza. Kwati noma es'ehlutshwa ezinye izizwe wasizwa yimigede evame ezweni lake, ngaloko wazinqoba. Anda njalo amaSwazi azalana aba maningi. Kwapuma kuwo abaMbo bakwaMkize kanye nezinye izizwana zakona.

Isizwe sika'Makasana ka'Tembe kade saka kuleyo'ndawo esake kuyo nanamhlanje; sikulu kakulu, kade samisa kuleyo'ndawo esise kuyo, abaxaxami bona.

Isizwe sika'Mzilikazi ka'Matshobana (ama Kumalo) sabe sisikulu kakulu, sinamandhla futi ekulweni. Inkosi yakona kanye nezinye izinhlobo zakona aiwadhli amasi, njengeyas'emaHlutshini neyas'emaNgweni neyakwa'Mabaso. AmaKumalo abe emaningi enamandhla kakulu; kwati nanga'mdhla sekuqamuke uTshaka, enyakazisa izizwe zonke, amaKumalo emuka ngempi enku ukuya-

'kwaka le ennyakato lapa sekutiwa kukwa'Bulawayo. Lelo'bizo ng'elomuzi ka'Mzilikazi omkulu. Nalapa emuva (kwelakwa'Zulu) u'Tshaka wasala wawaka umuzi omkulu wawubiza ngalo lelo lokuti kukwa'Gibixegu, okwagcina ngokubizwa kutiwe kukwa'Bulawayo.

Isizwe sakwa'Nxumalo sabe sisikulu sinamakosana akona amanangi. Inkosi yakona enkulu uZwide ka'Langa ka'Ndwandwe kwati nonxa sekuvele u'Tshaka owatshakaza izizwe zonke, walwa kakulu naye. uZwide wabe enomfo wabo, uSotshangana ka'Manukuza, okwati uba bacitwe kwelakubo wemuka naye waya'kwaka kwelis-emzansi, wakelana namaPutukesi. Namhlanje labo sebebizwa kutiwa amaTshangane, ngennxa yokuba bengabantu baka'Sotshangana. Kwasala uSotondose ka'Malusi yedwa emuva.

Isizwe sas'emaNgwaneni, abakwa'Luhlongwana, sasinamandhla impela. Kwati nonxa sekuvele u'Tshaka, uMatiwane ka'Masumpa walwa kakulu naye. Nguye owati uba acitwe ekaya, wahamba ezula nezwe. Waza wati ukugcina wabuyela kwa'Zulu engasahambi nempi; wati uba afike enkosini wati "Igade idiniwe, wena ka'Senzangakona, tola, senging'owako." Noma wabuye wabulawa uMatiwane kwaya ngobugcwelegcwele babantu bakwa'Zulu.

Ezinye izizwe zivama ukuvela kwezinye njengokuba amaBomvu lawa akwa'Ngubane avele ku'maNgwane. Ake ubheke lapa—uNomafu wazala uNgwane, wati uNgwane wazala uNgcukumane. uNgcukumane wazala uMyaluza, uMyaluza wazala uNgogo, uNgogo wazala uNgubane, uNgubane wazala uNomapikela, uyise ka'Mbomvu owazala uNyoniemnyama, owazala uNdhlovu,

owazala uMatomela, uyise ka'Nzombane, owazala uSomhashi, uyise ka'Mawele, owazala uNyoniyezwe.

Seku izizwe ezinningi, amaNgwane, amaBomvu, nesika'Sibhunge ka'Homoi kanye nesika'Njengabantu ka'Sobuza eseziqamuka ku'Nzombane.

Isizwe sakwa'Mtetwa sabe sisikulu kakulu. Inkosi yakona uDingiswayo ka'Jobe wabe enamandhla amakulu. Kodwa noko wabulawa nguZwide ehambele nje kuye ngobuhle. Yiso leso isisusa sokuxabana kuka'Tshaka no Zwide, ngobapela u'Tshaka wabe ekulele ku'Dingiswayo, wamondhla. Indodana yake uSomveli weqa naye ngayo leyo'nkati yokulwa kuka'Tshaka no Zwide inkosi yakwa'Ndwandwe.

Isizwe sas'emaHlutshini sabe sinamandhla amakulu esikatini sika'Mutimkulu. Yiwo amaHlubi awelekelela u'Tshaka kuleyo'mpi enkulu ka'Zwide.

Isizwe sas'emaCunwini sabe sinamandhla amakulu enkatini ka'Macingwane. Nguye owalwa no'Tshaka impi enkulu. Ukugcina wabaleka uMacingwane waya kwe-las'eKoloni, lapo wafela kona, Ensikeni.

Isizwe esikulu sika'Nozidiya ka'Qwabe ka'Malandela esikunye nesika'Zulu ka'Ntombela ka'Malandela sabe sisikulu impela. Inkosi yakona enkulu uPakatwayo ka'Kondhlo wabe edumile eyinkosi enkulu. Kepa kwati uba kuvele u'Tshaka ka'Senzangakona, ka'Jama, ka'Ndaba, ka'Punga, ka'Mageba, ka'Nkosinkulu, ka'Zulu, ka'Ntombela, ka'Malandela ong'umfo wabo ngokuzalana, kabe esaba nawo amandhla okulwa no'Tshaka uPakatwayo, ngoba kutiwa wabe emeyisa inxa ekuluma ngaye, eti, "Eya! yini yona leyo, igamata'ndukwana: eliti lidhla belipete ingxwembe ngesandhla, umcaba ngesinye:

kusondele innja liyitshaye ngekanda !” Laba’bantu bazalwa nguMalandela bobabili. Omkulu nguQwabe; kodwa uZulu ung’umfo wabo omncane. Naye uSenzangakona wabe ezwana noPakatwayo, bengaxabani ngaluto.

Lezi’zizwe esengizibale zazinamandhla kunazo zonke, nakuba zazingazibusi ezizwe zomhlaba; kodwa zabe zaziwa umhlaba wonke ukuti zikona, zinamandhla.

---

ISAHLUKO XIII.  
ISICOCO NENKEHLI KWAKUNGAZIWA.

---

Isicoco lesi endodeni nenkehli lena kwowesifazana, kwakungensiwa. Indoda yabe izihambela nekanda layo elingenaso isicoco. Nabesifazana babengenazo izinkheli lezi emakanda. Kodwa abesifanzana babebhuda ngebomvu emakanda njengaloku okwenziwa amaBhaca, zingamiswa izinwele lezi, ziyekwe nje, kufane impela nokwenza kwamaBhaca. Isicoco lesi siqamuке uba kuvele uTshaka, owaguqula abantu wabenza amabuto, nabesifazana nabo wabenza amabuto. Wanqumisela ukuba indoda ingaganwa engakayijubi, nowesifazana angalokoti endele endodeni engajutshiwe.

Mina angitsho ukuti uTshaka waziqambela ngokwake ukuba atunge amadoda izicoco, ngiti wakutshe-niwa loko ng’Nkulunkulu. Nawe ake ubheke ikanda lendoda ukuba limi kanjani na. Umfana uyakukula umbhekile nawe, izinnwele zake zizinhle zimnyama kace; woti uba aqeda amashumi amahlanu eminyaka yobudala bake, ubone es’eqala ukuvungaza enhloko. Kumbe

engakaqali nokuqala ukuba nezimvi umbone es’eqotuka lapa ngemuva esipundu, abe es’eba yimpandhla, kuti nya nolulodwa unwele kuleyo’ndawo, kube impucule nje. Kwati-ke uba abone loko uTshaka, evuswa ng’uNkulunkulu, wati makutungwe isicoco kuleyo’ndawo eqala ukuba yimpandhla, ukuze umuntu abukeke kahle, abonwe futi ukuti us’ekulile.

Waqamuka lapo-ke lo’mkuba owabe ukade ungeko ngapambili. Nonke-ke niyakubona ukutuneka kwomuntu ongenaso isicoco, kafani nalowo onesicoco obukeka kahle, ojiyileyo. Angitsho ukuti ibukeka kahle ingengelezana yendojeyana empungana, bonke abantu bayibiza ngokuti yimpandhlana nje. Siyakubona nako loku esesikubona ku’belungu, abangatungiyo, kodwa nabo basizwa yisigqoko abasitwala emakanda, ukuba kabakwenzi loko ngakubukeka kabi nakubo loko ngokudhlulileyo, kubatunisa.

---

ISAHLUKO XIV.  
UKUSOKA.

---

Kwakusokwa. Umuntu ongasokile ub’engabizwa ngendoda, wab’ebizwa kutiwa “ng’umfana” nje, noma seku umuntu omdala kangakanani, bekutiwa lowo ul’ivatavata lomfazi nje, “igwala,” elesaba umkonto loku engayanga edwaleni.

Bekuti ngesikati esifaneleyo pakati kwezfunda ngezfunda, kubutane intangana iyekusoka, labo nalabo ezindaweni zangakubo ezisaneleyo.

Bebengayi abesifazana abatsha ku’bafana abasokileyo, ukupela bekuya izalukazi zodwa ukubayisela

ukudhla. Innyama lena ibe igantuleki ku'bafana abaso-kileyo, bebevama ukuhlabu amatolana as'eqinile, bangawahlabi amankonyana ancelayo.

Nawo-ke lowo'mkuba wanqunywa ngu'Tshaka pakati kwabantu, wakunqumisela kwapela nya ukusoka, wamisa umkuba wokuba intangana yonke ibutane ngezifunda zakubo iyekukleza emakanden'i akubo; kona kuzakutiwa labo asebebutene kulowo'muzi wake omkulu "ibuto lasekutimitini."

Nezintombi-ke nazo mazibutwe zibe ibuto; kona ziyaqulala ngokubopeka nazo, zingendeli nakwoyedwa umuntu wenkosi engavunyelwe ngumniniye.

Bonke labo ababeganga beqe umteto babebulawa. Kodwa lalingeko icala inxa isoka nesixebe bezihlanganele ngokusoma kungeso ukutatana, bekubukwa nje kukuhle loko.

#### UKUTOMBA KWOMFANA.

Kute uba u'Tshaka akunqumisele ukusoka, kwema umkuba wokutomba kwomfana okunjenga loku:—Inxa umfana etombile kuyakusa izinkomo zingasabonakali esibayeni, umfana lowo ezebile wazitata zonke lapa kutata ukusa, washiya amankonyana odwa awakulekwa ezi-ndhlini. Azikipe zonke izinkomo engabonwa'muntu, azipube aziyise emadhlelweni as'ekudeni.

Bayaqala bevuka bonke ekaya lapo, nya na inye inkomo esibayeni, sokukala amankonyana odwa ezi-ndhlini ekalela onina. Abadala bonke babone ngaloko ukuti usibanibani utombile, lapa sebebuza ku'bafanyana ukuti ngubani ongeko na?

Uyakumuka nazo otombileyo aze azibuyise emmini enkulu kumbe ntambama. Ngokufika kwake ekaya um-

fana nezinkomo, atule du kangakulumi nakwoyedwa umuntu. Emva kwaloko kusondele kuye labo abatanda ukumenza ukuba akulume nokuba ahleke; qa! uyakutula nya angakulumi, angahleki futi nakwoyedwa.

Lapo-ke uyise womfana abize innyanga izomelapa, imupe nokudhla okuxutshwe nemiti. Angawapuzi amanzi abandayo, ukupela afudumeleyo. Ngoba kuti inxa 'omile, kutatwe igeja leli, likunyulwe empinini, bese litshiswa eziko lize libe bomvu, lifakwe emanzini abandayo, adumale, and'uba awapuze-ke. Ahlale njalo engakulumi, aze uyise amnike imbuzi, ihatshwe, agunde ikanda. Emva kwaloko akulume-ke nabantu njenga kuqala, uyise es'emnike umkonto wokuti use yindoda namuhla.

Ukutula loko kwomfana otombileyo kwenzelwa ukuba umuntu ang'onakali, abe yiloku ekuluma njalo. Kufana nomuntu ofelweyo otulayo; siti tina ku'muntu okuluma njalo "wonakala," "wadhlebeleka," "wazidhla." Bayaqinisa abadala bati inxa umuntu ekuluma kakulu, efelwe, kabe esakuyeka, uba yiloku es'ampompoza nje, angabe esatula njengabanye abantu. Naloku kwokungapuzi amanzi abandayo, bayaqinisa futi abadala bati umuntu kasayikuyeka ukupuza kakulu amanzi uma ewapuze eqanda inganti ufelwe noma etombile. Leyo'mikuba seyayekwa namuhla, abantu kabase'bantu ba'luto.

#### UKUTOMBA KWENTOMBАЗANA.

Okwentoombazana kubonakala ngokuzwakala izi-Ntombi zihambe zihlabelela amagama ezitombiso.

Amagama ezitombiso lawa mabi kakulu ayanuka, akuluma konke okungekulunywe'muntu olungileyo, uku-

pela angakulunywa ng'umuntu omubi ongahlonipyo. Kepa lawo'magama'enzelwe ukuyala, ukuba amantombazana atombileyo nawangakatombi'ezwe, aqonde ukuti ukwenza lawo'manyala kubi kakulu, akuyenzi'ntombi ya'luto leyo eyenza le'mikuba.

Ukutombisa loko kwenzelwe ukuba izintombi zazane; kuti intombazana eseyaka yazala ingahlangani nalezi ezingabonange zonakala, idumale ngaloko inxa is'ibona ihamba yodwa ingahlangani nezinye.

Kungaloko inxa umuntu etuke intombi yomuntu ngokuti ing'umfazi akuse'ntombi ya'luto, bekutukutela izintombi zonke zaleso'sigodi, zimuke ziyoohlaba inkabi yakubo, zizigeze ngomswani wayo. Kongabi'cala la'luto loko. Kubikwe loko ku'mnumzana. Ab'es'eketa indhlu ezakutombisela umntanake. Emva kwaloko atumele izigijimi zokuya'kumema izintombi zemizi eyakelene naye, abikele nezihlobo ezikude nezis'eduze, ukuti indodakazi yake itombile, kufanele ukuba amantombazana eze azoyitombisa.

Ingeniswe-ke intombazana endhlini ekewe nguyise nonina. Izintombi zonke ziyekuka incapa emfuleni, ziyingenise kuleyo'ndhlu eketiwego, besezaka indhlwana lapaya enhla nendhlu, ziylake ngezingubo, lapa kuzakuhala kona umamgonqo. Kwakiwe ingungu ngesikumba okuzakuti ngenkati yakusihlwa izintombi ziyitshaye ikale idume njengesigubhu samasotsha abelungu. Besezihlabelela zihuba wona amahubo ezitombiso lawa.

Kusuke izinsizwa zakwesinye isigodi zimeme ezinye, kuyiwe emgonqweni kuyogonyiswa. Izinsizwa lezo zifike njengabayeni kulowo'muzi okutonjiswe kuwo. Zifike sokwaziwa ekaya lapo. Zibikwe ku'mnumzana. Ziza-

ukipa kuqala into ezizogomisa ngayo kulowo'muzi, umkonto. Ukubizwa kwaloko kutiwa "ugelo."

Kut'uba kwensiwe konke loko, zicwaye-ke izinsizwa endhlini, izintombi nabas'ekaya lapo bebukela. Emva kwaloko ziqome izintombi. Makuti ngomkuba owabe wenziwa kushiywe omunye ozakubizwa kutiwe "iyobo;" kuhlekiswe ngaye lowo 'enziwe isituta. Kube kute ngapambili kungakaqonyiswa, izintombi sezizakuqoma, zikipe enye insizwa pakati kwazo ziti mayihambe iyekubika ekaya ukuti ishiye ziqoma. Lowo-ke akudhlalwa ngaye njengalona oshiywa ziqoma, okutiwa kuye "Iyobo."

Izakuhlala intombi emgonqweni kuze kupele innyanga kwensiwa yona leyo'migidi. Kuti mdhla ipumayo emgonqweni zihlangane zonke izintombi okwoba seiza-kwemula. Uyise ayihlabise imbuzi ebizwa ngokuti "eyomhlonanye"—nenkomo ebizwa ngokuti "eyokwemula." Zisine izintombi ngalelo'langa, kubutene abantu njengas'eketweni. Bese zabela abantu ababuteneyo utshwala nennyama. Kuti emva kwaloko kuhlakazekwe kuhanjwe; sekupangale loko.

#### ISAHLUKO XV.

#### UKUGANWA NOKUGANA.

Bekuti inxa insizwa itanda intombi ka'Sibanibani kepa yesaba ukutshela uyise, ikulume nomunye ozwana noyise kuge nguye oya kuye ayomtshela ukuti indodana yake iyayitanda intombi ka'Sibanibani ifuna ukuba izogana kuye. Enye indoda ivume kahle kumbe ingavumi.

Noko-ke intombi leyo isuke ekaya kubo iyogana kulowomuzi. Ivunule ngesidwaba sayo sika'nokutsho. Itate intombazana ey'impeleki yayo.

Mayipume lapa kuti makuti ziba ukuhlwa, ifike kuswalala. Maingene esangweni ngakwesokohlo, ilandeliwa yimpeleki yayo, ikupuke iyekuma enhla, ilinganisane nendhlu engasenhla. Iti uba ifike lapo, ime puhle, ibese ifola, ibambele ngezandhla zombili emadolweni ayo. Lapo-ke mabati uba bayibone abalapo ekaya, bahlabe imikosi yokujabula, beti "Hi-hi-hi! wahlatshwa, Ntombi ! ! " Kube sokuzwakala umsindo nokuxokozela lapo ekaya.

It'uba ibuzwe ukuti ize ku'bani, imutsho. Ngokuvunywa kwayo ngumnumzana, ingeniswe endhlini enikwa ukuba ingene kuyo. Ihlale-ke endhlini lapo, bobabili nempeleki yayo. Kuti ngesikati bafike abalowomuzi—amantombazana nabafana—bahlale nayo. Kufike ukudhla, kudhle intombazana leyo ey'impeleki, ezogana lena ingadhl yona. Izaulala ingadhlanga. Ivuke qede iye emfuleni iyogeza. Kuti inxa inezihlolo zayo lapo ziyyisele ukudhla kona lapo emfuleni. Ngokubuyela kwayo ekaya lapo igane kona, izaufika ingene ngayo inngalo engene ngayo ukufika kwayo kusihlwa—yokohlo. Izauti uba ifike ime lapo ifike yema kona izolo kusihlwa; bafike abesifazana bayembatise lapo (loku pela seloku kwaizolo ihamba nje ayambete'luto, ibhince isidwaba esinqeni kupela. Kut'uba bayembatise, iqale ukugubuzela kaloku, imboze ikanda ngayo leyo-ngubo abay'ambese ngayo yalapo ekaya. Emva kwaloko ingene kuyo leyo'ndhlu efike yangeniswa kuyo kusihlwa. Bese inikwa ukudhla. Ikubuke nje ingakunaki. Ize inikwe imbuzi.

Leyo-ke kutiwa ukubizwa kwayo "indhlakudhla." Kepa aizukuyihlaba, kwoza kufike izintombi zakubo esezibiziwe and'uba ihlatshwe yizo, ngoba pela nempela yona ingeze yayidhla innyama yas'ebulanda, yoze inikwe ukuyidhla emva seyagcagca, is'ing'umfazi wakona.

Ngaloko'kunikwa ingubo ukuba iyimboze ekanda, seku ukuyihlonipisa njalo loko. Emva kwaloko aisayikupinda ihambe ingagubuzele ikanda, aisayikupinda futi ihambe emabaleni ezindhlu, is'iyakuhamba emva kwezindhlu, ingahambi ngapambili njengabantu bonke.

Loku pela kute uba ifike njalo ngalolo'lusuku, kwati kusa umnumzana wabe es'etuma umuntu wokuya'kubikela uyise, ozakufika ati ku'yise, "Funela neno belu, wena was'Ekutinitini (etsho isibongo sakubo). Ati uba ahiale pansi atsho-ke ku'yise ukuti ngizobika ngenkomo etize (emnyama, ebomvu noma enjani).

Kuzakuti ngokuvuma kuka'yise wentombi, avume-ke ukuti uayivuma leyo'nkomo, kodwa kuhle ukuba alete izinkomo ezitile nezitile, ukuze avume ukumnika, amendise. Agoduke lowo otunyiweyo ayobika lawo'mazwi ku'yise wendoda eganiweyo.

Ngezinsukwana zifike izintombi ezizokudhla izimbuzi—indhlakudhla nezinye, njengemikuba eyenziwayo. Kwenziwe konke loko. Emva kwaloko intombi ipelezelwe iye kubo. Ihambe nabayeni (besilisa nabesifazana). Bat'uba bafike kubo wentombi, (loku pela utshwala lobu benziwe buningi kakulu), batsho-ke besemi pandhle bati "Yeti, mngane, wena was'ekutinitini! sifika nezinkono ezitile" (bezibala ngemibala yazo). "Size kucela isihlolo esihle, kepa sifuna ukuba usinikeze umntanako, usendise." Banikwe indhlu abazaungena kuyona. Bahla-

tshiswe izimbuzi ezitile, nenyе yentombi leyo ebe iye kugana. Wo! utshwala-ke abusabuzwa'muntu lapo ngo-buningi babo; nennyama lena ibe nkulu. Kudhliwe kutiwe teke.

Bagoduke-ke emva kwaloko abayeni, sebepete izwi lika'yise wentombi. Ati inxa evumile, kulungiselwe umgcagco kaloku.

Kuti mdhla sekuza umtimba kutunywe isigozolo (ibizo lomhlaleli), siyonxusa ukuba uyise avume ukuba umakoti azogida. Ati inxa evuma uyise atsho ukuti makuyocwilwa imitombo. Kuti uba lufike usuku lokumila kwemitombo, ahambe umhlaleli ayekutsho ukuti imitombo is'imirile. Lapo-ke uyise abize imikonto yabafana nowake wokukipa indodakazi yake. Kunjalo njalo sebezile abakwowake ukuzakupuca umakoti ukuba atunge inkehli, bamtunge ngento njalo ekokwa ngumyeni, ku'yise.

Ngelinye ilanga lupume udwendwe, uyise es'eqale ngokunika indodakazi imbuzi yomncamo, ezakuhlatshwa idhliwe ngumakoti ngalo lelo'langa apuma ngalo.

Uzwani-ke! sifike futi isigozolo sesize'kukipa udwendwe. Ngalelo'langa umhlaleli lowo kasahlekiswa'muntu lapo ekaya, sebemtshaya umtakati, ngoba ezekutumba umntwana; sekuti ngenye inkati balinge ukumtuka nokumtshaya. Alukipe-ke udwendwe. Abe es'enikwa icansi lake abe ehlala kulo; aze anikwe imbuzi futi esigcawini, imbuzi eyakufika nomtimba mdhla kugcagwayo. Umtimba awupumi innyanga ifile, upuma innyanga itwese seku izinsukwana. Umtimba upume nennyama yenkomо okutiwa "eyezibhoma," ehlatshwa kubo wentombi eyakuhambe iponswa kuyo yonke imizi

eyakelene nowakwomyeni; ngoba pela umtimba uyavijnjelwa kuyo yonke imizi odhlula kuyo. Umtimba ufike ngehubo kusihlwa kungakalalwa. Po! bonke abantu balowo'muzi bahlezi kabalele ngalowo'muhla, kanye nemizana yonke eyakelene nowakwomyeni. Utu uba ufike, uvinjelwe esangweni. Lapo-ke umtimba uponse zona izibhoma lezo kanye nokunye okufunwayo.

Ungene-ke umtimba lapo ekaya. Kubekona umsindo omkulu wokwenama nokujabula okukulu. Ube sewungeniswa endhlini umtimba; unikwe imbuzi ebizwa kutiwa "isiwukulu," nembuzi ebizwa ngokuti "eyomnyaango." Lapo-ke kudhliwe utshwala nennyama. Kuze kuse kungalelwe; ngoba izintombi ziyahlabelela zicela imbuzi yamangebeza ku'myeni.

#### ISAHLUKO XVI.

#### KUYASINWA NAMUHLA.

Kuse-ke kusasa. Umtimba upume ekuseni ngovivi uyekuhlala esihlahleni. Udhle, upuze lapo, ufunde namagama okuzaugidwa ngawo, ezintombi nawabesilisa. Kutunywe abokuya kuwubiza lapo esihlahleni lapo ungenise kona. Ukupuke-ke uze ekaya. Zisine izintombi, ziqale ngenkondhlo. Emva kwaloko kungene umakoti. Esaqlile ukugida, kusukume uyise ukuleke, ekulekela umntanake, ebonga oyise naoyisemkulu, ecelela isikundhla esihle umntanake; atsho nezinkomo zake eziseleyo, okufanele ukuba umkwenyana ahlale eziqonda, aze amnike zona ngesinye isikati. Emva kwaloko kusukume abakwomyeni, basuke qede esigcawini lapo bemuke

baye'kuvunula ekaya. Lize-ke kaloku iketo, lize kutule umoya, lihambe lenza imikuba yalo, selipete amahawu alo, abantu bevunule betshilo. Bafike kona esigcawini lapo bekusinela izintombi kona. Bakete-ke nabo, kubekuhle. Akuleke noyise wendoda. Asukume-ke uyise womyen'i akuleke, abonge okuhle okwensiwe ngumlingane wake ovume ukumnika umntanake. Abonge aoyise naoyisemkulu. Abonge impahla leyo anikwe yona efike nomalokazana wake, nezinkomo "zokubeka," noma inye kumbe zimbili. Emva kwaloko kunqamuke konke loko. Umllobokazi abize bonke abafanele ukwabelwa izimpahla afike nazo—izingubo namacansi nezitebenemitshanelo; nengubo ka'yise wendoda neka'nina, kanye nokwabo bonke abafanele ukwabelwa—amakosazana nabafo wabo bomyeni, njengemingci yakona eyenziwayo. Kuhlakazekwe.

Ngangomuso izintombi zizakuhlabu umbhubuzo (inkomo ecola umlobokazi). Zizakuziketela zona ngo-kwazo, kuti inxa imbi yondile ziyyeke, ziqome enhle ekulupeleyo. Ihlatshwe-ke leyo. Inxa umuntu eyihlabe qede kayaze yafa, ku icala loko, umkonto lowo obe uyihlaba ng'owakwomakoti, kufanele uhlengwe ngento; kuti kungapinda kubu njalo, uhlengwe nalowo, noma munye, mibili, miilanu noma ishumi. Ihlatshwa njalo leyo 'nkomo yezintombi, ziyahlabelela ziti "Maivuke! E e! Maivuke!" okwoba zifisa ukuba ingawi, ize ipinde ihlatshwe futi, kona umyeni ezaukoka okuningi, amahlauo okugwazwa kwenkomo, ingawi.

Iti uba iwe inkomo, ihlale isikati eside ingahlinziwe. Kuze kungene zona izintombi esibayeni anduba bangene abayihlinzayo. Ohlinzayo kaqapele ukuba angayibho-

bosi umswani, ngoba inxa eke wakwenza loko kuzakuba icala elikulu ezintombini elifanele ukuhlauwa, noma kumbe kungaze kukokwe enye inkomo esikundhlemi saleyo, ihlatshwe nayo. Kufanele ukuba umlobokazi apume endhlini ayoyibhobosa inxa is'ihlinziwe. Emva kwaloko abayihlinzayo bayikipe izito yonke baziyise endhlini. Kuleyo'nkati abe es'eklelile umakoti esibayeni kanye nezintombi besina. Inkomo leyo uyibhobose ngowakwomyeni umese akusiwo owake. Yilolo-ke usuku lokwaba kwake impahla. Lapo-ke izintombi zitate umlenze ziwyise esibayeni ebandhla, liwose. Yiwo lowo-ke "umbhubuzo." Emva kwaloko katelwe ngennyongo umakoti. Uzauti atelwe, izintombi zipangelane esibayeni ziyyotshaya abesilisa abadhla innyama esibayeni.

Umllobokazi uzaunxusa abesifazana balowo'muzi ukuba bamhlole ukuti imbalu use iyo yini intombi epeleyo engakwoniwa'ndoda na? Nanti igama lokunxusa abesifazana ukuba bamhlole. "Ngiyanimema, bafazi bakwowami! Hoya! Euyeye! Hoya!!" Nembala abesifazana bamhlole, kubu kuhle inxa bemfunyanisa esa-pele ubuntombi. Yilo lelo-ke ilanga lokumentza kwake umfazi. Kepa kayikuvuma ku'myeni wake engawile ngamandhla, aze amahlule ngokumpoqa ngawo onke amandhla anawo; ngoba inxa umyeni engenawo amandhla uzakwahlulwa, inxa umakoti enamandhla kuno-myeni, kuzaue kubu ng'amanye amalanga. Inxa umakoti ahluliwe kuzakuzwa abantu bonke lapo ekaya inxa es'ekala, ehlabelela igama lokuti "Ngehla nobulemb'o! auboni yini ukuti ngehla nobulembu ? O mayi-hoya !" Besekuhlabelela izintombi zonke zakubo ebezisele kwa-bakubo abagodukileyo, ezisalele kona loko.

Bekute kona ngaizolo watelwa ngennyongo yaleyo'nkomo yokubhubuza, okukomba ukuti sekumfazi ogeweleyo wakulowo'muzi; ngoba pela kungenzeke ukuba intombi nje itelwe ngennyongo ingendele lapo, kungaba icala elikulu elilingene ukuhlaulwa ngembuzi enkulukumbe ngenkomo.

Emva kwaloko-ke umakoti sekumfazi wakulowo'muzi njengabafazi bonke. Uzauvuka ekuseni ayokuka amanzi emfuleni, akelele leyo naleyo indhluyalowo'muzi. Agayele leyo naleyo'ndhluyukudhla. Uzauvuka ekuseni kakulu kusemnyama atshanele amabala alapo ekaya; enze konke okufanele ukusetshenzwa ng'owesifazana endhlini kwake. Nonxa likona icata (ilawu) alala kulonomyeni wake, uvuka ekuseni qede angabuyeli ukuya'kuhlala kulo, ukupela uhlala kwabo'myeni, apekele kona, adhlele kona; kuze kupele unyaka ehlala kwabo njalo. Esibayeni lapaya kangeni, utuma inngane iyomtatela ubulongwe inxa ezausinda endhlini. Kayi ngas'esililini sika'yise nonxa kukona into ayifunayo, utuma inngane imtatele loko; nokusinda kuleyo'ndawo ehlala uyise utuma intombazana yakona imsindele lapo. Inxa uyise wendoda engaseko nonxa nga unina kasondeli nempela eduze kwamaliba aoninazala. Kuzauhlala kunjalo aze abe isalukazi esingasapoteli, and'uba avunyelwe ukuba angene esibayeni, umuziseku ng'owake kuleyo'nkati.

Kunge'nzeke ukuba umlobokazi alibize ibizo lika'yise wendoda nelikanina, nonxa besekona nonxa bengaseko. Isifungo sokugcina kwabesifazana ng'esokuti. "Omamezala!" nonxa ku umfazi omubi ngokungakanani angeze abafunga oninazala eqambamanga; kodwa angazifunga ezinye izifungo. Umfazi ofunga aoninazala

eqambamanga waziwa ng'abantu bonke ukuti mubi, akusiyemuntu wa'luto, udhlulwa na innja ngobubi. Noyise nonina wendoda kalibizi igama umlobokazi.

Kuzauti uba umlobokazi agcagce kupelele, abafana balapo ekaya besuke bayozingela izinnyamazane, kufunwe isicwayo sika'makoti. Makubulawemimpunzi lena, ingabulawa kabi, isikumba sayo masingadhlilikizeki ngamanxeba amaningi. Sibetelwe kahle, sitshukwe, sibe isicwayo somlobokazi; sihlotsiswe, ngamaqotsha lapa emipetweni yaso nas'emilenzeni nas'emikonweni yesikumba.

Uzauti mdhla ezibulayo kuyobikwa kubo ukuti ubete, ngoba pela leyo'nngane kuse ng'eyakubo; yiyo ekanyisa ukuti le'ntombazana ifike inhle ingena'sitshitshi, ifike inhle i'msulwa. Batokoze-ke naoyise nonina bayo. Ngemva kwaloko-ke akusesi ilo icala labo nonxa ezala kahle noba kabi umntwana wabo. Ngoba ngeimpela inxa umntwana wabo ete esazibula wafelwa, kuzakuba icala labo loko lokuba bamfunele izinnyanga zokumgeqa, aze azale abantwana abemayo njengabantu bonke.

Inxa kungaqaibuka kwenzeka ukuba owesifazana, noba mutsha noba isalukazi, etuke es'ebize igama lika'ninazala—uyise wendoda kumbe unina—ngokudakwa kumbe ngobubhukudwane bokungaqondi, uzakuya kubo ahlaule ngenkomo enkulukumbe.

---

ISAHLUKO XVII.  
UKUGWETSHWA KWENNGANE.

---

Owesifazana uzaubeleta qede ahlale endhlini kuze kupele izinsuku ezitile ehlile endhlini engapumi, kuze

kuwe inkaba yenngane. Kuti inxa kuy'intombazana ahlale engapumeli pandhle amalanga ay'isitupa, kodwa inxa kung'umfana amalanga ay'inkota. Emva kwaloko atshise izibi. Ukutshisa izibi kutshivo ukuba owesifazana atate izibi lezo ab'ezandhlele pansi ukubeleta kwake, azitukuse; akutshivo ukuzitshisa ngomlilo. Kodwa apume endhlini yakwake uqobo lwake, angapumi nayo inngane ukuya pandhle nokuya kwezinye izindhlu, kuze kudhlule izinsuku eziningana. And'uba kuti ngo-kuqina kancane kwenngane, inxa es'ebona nabantu sebevame ukungena kwake lapo kukona yona inngane, ayigqabe ngomlota ebusweni; emva kwaloko akwazi nokupumela nayo pandhle nokuya nayo kwezinye izindhlu.

Makube njalo kuze kupele innyanga yesitatu ebelete, and'uba apuce ikanda. Makuti emva kwaloko lapa inngane seiqala ukukulakula, nonxa ku eyomfana nonxa ku eyentombazana, makufunwe umuntu ohlakanipileyo ekwaziyo ukugweba, atate umhlahle ayigwebe ngemuva ngapansi, yope kakulu. Okwomfana kwensiwa ngokunye akufana nokwentoombazana. Ugwetshwa njalo'lusuku uyakupinda futi agwetshwe es'ekulile.

Bayaqinisa bonke abadala bati umntwana angebe'muntu wa'luto es'ekulile, engagwetshwanga, angaba ngumuntu otshisa li'gazi, otanda ukuhambe ezihloma nje, apenduke unondindwa nesifebe, etshisa igazi eliningi kuye elingabonange likitshwa kuye. Ngaloko kwabe kung'umteto omkulu loko ukuba izinngane zigwetshwe, funa umntwana aze abe isibheva.

Inxa unina wenngane engakapuci, uyise kanako ukuyitata ngezandhla zake inngane yake leyo, kusweleke

ukuba kuze kupele lezo' nnyanga ezintatu and'uba uyise ayipate ayidhlalise.

Bekuba inhlahlia enkulu inxa kupuma impi, kwe-tukwe kubleta umfazi womuntu opumayo. Ub'esuka ayekungena kuleyo'ndhlu okubeletwe kuyo es'evunule ehlome izikali zake zonke. Angene qede abize inngane leyo, omunye ayitate ngezandhla zake, kodwa omunye ayibone nje ngamehlo, ab'es'esuka njalo ehamba. Ngoba pela ngomteto wakiti owaziwayo abesilisa kabangeni endhlini yomdhlezane ingakawi inkabi. Ngaloko kutiwa kuy'intelesi enkulu ukuba indoda ipume kwa'mdhlezane iya empini, ngoba iyakuba namasitesite eziteni; bakubonga kakulu loko abantu.

---

ISAHLUKO XVIII.  
UKUPUMA KWEMPI.

---

Inxa kupuma impi, abesilisa bonke bazakubutana bacelwe ngentelezi yennyanga. Inxa sebeceliwe bangabe besaya'kulala ezindhlini zaomkabo; owenza loko uzakuba ubulala intelezi yennyanga. Ngaloko ufanele ukufa nokufa, ngoba ubulala impi yonke yenkosi uytela ngamanyala.\*

Amakosikazi amadoda apumileyo azauhloma ipunganholi emakanda, avunule ngalo imihla ngemihla; kuti okwabo loku ukubhinca bapendulele izivato, ijjwabu libuyele ngapezulu, umswendo wengubo uye ngapansi. Ukuhamba kwabo loku kuge okwokukabuzela kwokuhamba ngamandhla. Nalapa beye'kugeza emfuleni bake bawavike kuqala amanzi, angatshetshi ukufika emzimbeni.

\*II. Sam. 8-13.

Okwabo loku ukulala kube okokuti qabalala, bangalali njengokwemihla, batshetshe ukuvuka.

Nawo amadoda abo enza yona leyo'mikuba eyenziwa ng'aomkabo emakaya; angiwapete lawa ahlabeneyo, as'egwaze abantu: kawayidhli innyama engapakati; izinyanga lezi zelapa ziqinise, funa umuntu obuleleyo abe nequngu, kumbe omunye apenduke uhlanya ngempela. Kunjalo njalo ahlome lona ipunganhlolli lelo elitwelwe ng'aomkabo emakaya. Ukupela bona laba aba izingwazi (izinxweleha), badhla innyama engapandhle kupela, hai eyangapakati.

Amacansi abo emakaya lapaya kanye nemicamelo yabo kubotshiwe kwemiswa kahle, akulalisiwe pansi. Auko nomsindo wokuxabana emakaya, kukulunywa kahle nje ngokutandana nokuhlekisana. Noma abesifazana bengatandani, kodwa bazauke bakuyeke loko kulezo'nsuku, kekuze kubuye yona impi, and'uba bakuvuse loko'kwenza kwabo.

Loku pela bonke abasele lapo empini (abafileyo) ababikwa, kuyatulwa nje kuze kubuye impi yonke, and'uba kutshiwo ukuti "obani nobani basala empini;" kuti uba kuzwakale loko kube yikona kusuka isililo esikulu emakaya abo. Bati bonke abagwazileyo kube yikona kuqiniswa kufunwa izinnyanga zokubelapa, ezizakurolelwa yinkosi.

---

ISAHLUKO XIX.  
IZIZWE ZABANTUNGWA.

---

Njengokuba sengatsho pambili ngati: "Labo abapuma baqonda ngas'entshonalanga," begudhla ulwa-

ndhle, "ukubizwa kwabo kutiwa ng'abaNtungwa," ngikuluma ngezizwe zabeSutu; ziningi kakulu nazo njeengoba nibone lezi zabaNguni. Kepa abaNtungwa banengqondo kakulu kunabaNguni: loko kubonakaliswa yimikuba lena engizakunioxela yona.

(i.) AbaNtungwa bayatandana, bayezwana, akuvamile ukuba kube kona pakati kwabo, nobunhlalunhlalu lobu obupakati kwabaNguni.

(ii.) AbaNtungwa okwabo ukubhinca kwahlukile, akufani nokubhinca kwabaNguni, abahamba-nqunu; abanganakile nonxa inngane yabo ibona amanya abo.

(iii.) Izikali zabo inxa kulwiwa babaza amawisa amakulu, okuzaufakwa kuwo izimbulungu zamatshe; kona eyakuti uba agalele ngalo kugamuke loko, kucobozek, bese kufa ngayo leyo'nkati. Banembemba efana nensaula yabelungu, elungiselwe ukuba kuti lapa igalele kona itshaye kwenekeke.

(iv.) Inxa kutukutele omunye kubo ngesici 'oniwe ngaso esingalungile, batukutela bonke, bayavunana, abafani nabaNguni abajabulela ukuti "Iya! kuhle abulawe, kona ngizautola impahla yake, kumbe umfazi wake, inxa es'efile. Bona bazwelana ubuhlungu njengabelungu, bafana noMoses owazwela owakwa'Israele ubuhlungu, waza wabulala owas'eEgipite, nokuba wabe 'ondhliwe yinkosazana ka'Faro, enjengomntwana wenkosi eEgipite.

(v.) Izizwe zabo zivame ukutandana nokuzwana, azifani nezabaNguni, okuba yilowo azifunele ubukulu.

(vi.) Izintombi zabeSutu azisomi njengezabaNguni. EzabaNtungwa zihlala zize zende zingakwazi loko. Kungaloko ukuba ezabaNguni zivama ukumitela emakaya, zenze okwakungenziwa ekadeni, zeqe umteto

wemvelo. Endulo intombi yomNguni yabe iya'kusoma, kanye ngennyanga; ihlale ize ibone ukuti aitolanga'-ngozi yini na. And'uba ipinde, inxa kusafuneka loko. Kepa zabe zihlolwa ng'aonina 'nnyanga zonke; eyonakeleyo ibonwe masinyane. Kwakungafani nokwanamuhla lapa zonke izintombi zabaNguni sezi abafazi.

Izizwe zabaNtungwa ziningi kakulu zinamakosi ngamakosi njengazo lezi zabaNguni. Kodwa amakosi abo kawafani nakancane nalawa abaNguni. Bona bahlangene, bayezwana, kabafani nabaNguni.

Izwe las'eAfrica likulu, libanzi, ngoba sonke tina esis'enzansi lapa kufana nokuti sis'elwandhle nje; inganti izizwe ezis'enmyakato yas'entshonalanga zinezwe elikulu kakulu kunaleli esikulo.

Njengokuba namhlanje ngisafuna ukupenya ukuma kwazo zonke izizwe zabaNtungwa, ngifanele ukuba kangiyeke ukuquba izizwe eziy'inngcozana engizaziyo, kengiube yona indaba yabaNguni le engiyaziyo; ukuze ngiti ngiyisukela nje, besengike ngakatula zona izindaba zabaNguni; kona ezabaNtungwa zongena emva kwokuba sengikatule lezi engizaziyo.

ISAHLUKO XX.

OWAZISELELA NGOBUKOSI OBUYAKUVELA  
ENZALWENI YAKE.

Loku sengilandile ukuti uMalandela wazala uNtombela, uNtombela wazala uZulu, uZulu wazala uNkosi-nkulu, uNkosinkulu wazala uMageba, uMageba wazala uPunga, uPunga wazala uNdaba. Ute-ke esengumfana uNdaba owalusa izinkomo kanye nabanye ababe intanga

yake, waziselela ngokuhaya ihubo lake, ekanye nentanga yake, lokuti:

uNdaba uy'inkosi,

Oho! O!

Kepa ihubo lelo selabuye laguqulwa lahutshwa ngokuti:  
Ha ! Oye !!  
Jijiji ! Ajiji !!

Sezayekwa zonke izinhlamvu zokuhlatshelwa kwalo. Laqanjwa ng'uNdaba eseng'umfana owalusayo, aziselela ukuti kuyakuvela enzalweni yake lowo oyakubusa izizwe zonke lezi ezinningi.

Yena-ke uNdaba wazala uJama, uJama wazala uSenzangakona, uSenzangakona wazala uTshaka, no-Dingane, noMpande, nabanye abafu wabo abaningi. Ukuvela kukaTshaka kunje:—

Uyise uSenzangakona wabe 'alusa izinkomo kanye nabafana aba intanga yake, njengomkuba owabe wenziwa kuleyo'nkati, wokuba abafana bonke aba'ntanga'nye bahlangane baye'kusoka ngezigodi ngezigodi zas'ema-kubo. Nayeke uSenzangakona wab'e nendawo yake abo ejwayele ukuhlala kuyo nabafana besigodi sakubo, lapo kwakuyiswa kona ukudhla okupuma emakaya akubo; kukona isihlahla sabo ababehlala kuso, badhlele kuso.

Kute ngolunye usuku kwadhlula indoda yas'eLangeni kwesika'Makedama ka'Mgabi inkosi yas'eLangeni, ivela-kutekela. UmNtwana nebandhlana lake labafana babe-dhla. Nendoda leyo yabe seilambile. Wati uba ayibone umNtwana ukuti ilambile wayibiza. Yafika qede yaku-leka ku'mNtwana. Wabe es'ebuza lapo ivela kona na-lapa kus'ekaya kubo. Yamtshela ukuti ng'eyakwo-Mbhengi weNguga. Wabe es'eti mayipiwe ukudhla. Ya-

piwa-ke yadhla yasuta. Esihlahleni lapa akuntulwa-'kudhla; okunye kuvela emakaya; innyama iningi, ngoba kuzinge kuhlatshwa amatole lawa as'eqinile, kudhliwe wona.

ISAHLUKO XXI.  
UKUZALWA KUKA'TSHAKA.

Ite uba iqede ukudhla indoda leyo yabamba indhlela eyaziyo, yaya yafika kubo. Yafika qede ekaya yayiti qinsi indaba ezintombini nakubo bonke abantu, ibatshela ukuti ifike ngalapa ku'mNtwana wenkosi yakwa'Zulu, lapa ifike yasinda kona, is'ilambile; wayipa ukudhla, yadhla yasuta; umuntu omuhle kakulu, umNtwana wenkosi ngempela. Zite ukuba zikuzwe loko izintombi zangenwa ukumtanda lowo'mNtwana onomusa, opanayo, osize umuntu wakubo es'ezakufa yindhala. Yase iti inkosazana yazo, uNandi: "Kunjani ukuba kesihambe nawe" (itsho kuleyo'ndoda), "uyosikombisa lowo'mntwana wenkosi yakwa'Zulu olungileyo na?" Yavuma indoda. Nanzo-ke izintombi zas'eNguga zihamba kanye naleyo'ndoda; zaya zafinyelela kuleso'sihlahla. Nanso-ke indoda ihambe iya'kuhlala eduze kwesihlahla lesi esihlezi umNtwana nabafana. Bazibona-ke izintombi lezo. Zase zibizwa. Zati uba zifike, kwatiwa mazime lapaya. Zabuzwa-ke ukuti zivela ngapi, ziyapi na? Kwasokupendula yona inkosazana yazo, uNandi, wati uzobona umNtwana wenkosi. Kwabuzwa-ke ukuti ufunani kuye na? Wati uzombona, uyamtanda, utanda ukuba asome naye. Kwasokutiwa izintombi mazisondele zonke. Zasondela-ke, zema zaklela. Wambona-ke naye umNtwana uNandi, inkosazana kaMbhengi weNguga. Nembala-ke

baza batola ukuhlangana kona lapa, njengokufisa kwenkosazana. Uzwani-ke, sahlala kona lapa isisu ku'nkosazana.

Kufihlwe kwafihlwa ukuti inkosazana imiti, baza baqala ukubona abaningi ukuti aipelele inkosazana. Kwati lapa kubuza abanye ukuti inani, kwatiwa "ineshati," uhlobo lomzimba-omubi. Kwatunyelwa kwa'Zulu kaloku kulabo bangas'enhla. Nango-ke es'ebuza uMudhli ka'Jama, ebuza ku'mfo wabo uSenzangakona, ukuti uya-yazi yini le'ndaba, ukuti inkosazana uNandi ka'Mbhengi weNgugu unesisu ngaye na? Kungati uSenzangakona waqala wangati angapika, 'enziwa ng'amahloni okwesaba umne wabo; kodwe wabuye wavuma.

Kwaba njalo-ke: kwaqubeka izinsuku waza wabeleta uNandi, wazala umfana, u'Tshaka, kona kubo eLangeni. Yahlala-ke inngane ekaya kwonina; yapatwa kahle. Yondhliwa yaza yakula.

Kute uba ikule inngane, lapa seiqala ukwalusa izi-nkomo nomNtwana wenkosi yas'eLangeni, yavama ukumhlupa lapa beti benza izinkomo ngamatshe lawa abutwa ng'abafana abawacotsha pansi, bawenze izinkomo zabo; amanye abawenza izinkunzi, amanye izinkabi, amanye izinkomazi namatole. Bazinge beti lapa sebepete izi-nkunzi zabo zamatshe, umntwana wenkosazana (u'Tshaka) avame ukuhlupa umntwana wenkosi ngokubulala inkunzi yake, (loku pela bazipete ngezandhla bayazilwisa). Kuhambe kwahamba benza loko waza wenyela umntwana ka'Mbhengi weNguga, wawubika lo'mkuba obuhlungu owenziwa ng'umntwana ka'dade wabo. Kwasokuba'bu-hlungu kubo bonke abas'eNguga, ukubona umntwana wenkosazana 'enyelisa umntwana wenkosi, emhlupa.

Kute uba akuzwe loko unina ka'Nandi kwamhlaba naye, inxa es'ezwa abantu bonke lapa ekaya bekuluma besola inngane eyazalwa ng'umntanake, beti inemikuba emibi; wabona ukuti bazakuyibulala. Nanguya esuka ehamba nenngane yomntanake, emuka nayo eyiyisa kubo bake bezwakala naku'yise kwaZulu. Waza noyise wawambeka esalukazini esamzalayo esing'unina.

Kulapa uTshaka wahlala waza wakula elapo, waba insizwa, iqawe lika'Dingiswayo elalimhlabanel. Ubuqawe bake baduma izwe lonke, Iwati udumo lobuqawe bake bezwakala naku'yise kwaZulu. Waza noyise watanda ukumbona umntanake ol'iqawe.

ISAHLUKO XXII.

UKUHAMBELA KUKA'SENZANGAKONA  
KWA'MTETWA.

INKOSI uSenzangakona ka'Jama wahambela kwa'Mtetwa enkosini yakona uDingiswayo ka'Jobe. Kungati kwakukona enhliziyweni yake ukufisa ukubona umntanake oselokwa wazalwa engabonange embona. Watata izinnceku zake nomndhlunkulu, eti uyakuqomisa kona, nonxa kodwa abe ehambela ukuya'kubona indodana yake, okwakungaqanyisiwe.

Wati uba afike kona kwabakuhle nje ku'Mbhengi weNguga uba kufike uSenzangakona, uyise ka'Tshaka, iqawe lake elikulu; ikakulu ngoba ehambela kuye ezmomba.

Wahlala uSenzangakona izinsuku ezitile eNguga, kujatshulwa kakulu nakona ngennxa yokuba kufike inkosi yakwa'Zulu. Kepa umsebenzi omkulu owabe we-

nziwa lapo eNguga kulezo'nsuku kwaku owokufuna izinnyanga zokuba zimtonye uyise, 'elekwe yindodana ngesitunzi, kona ezakufa, kungene uTshaka ebukosini. Kwakuti nonxa ehambile eye'kugeza nezintombi nezinneku, kusale kwelatshwa lapa ekaya. Ngaloko uhlale wahlala kona, waqala ukuzwa umzimba wake ukuba buhlungu. Kwabe kute ngolunye usuku ebuya emfuleni, uTshaka wacela umkonto ku'yise; kanti uwucela nje lowo'mkonto us'ewuzwile ukuti ng'oka'Nomkwaimba oy'inkosana ka'Senzangakona. Ute esekona lapo wabesewuzwile umzimba wake ukuti ause mnandi. Ngelinje ilanga, uSenzangakona ebuya'kugeza emfuleni, wangena kuye uTshaka endhlini, wacela wona lowo'mkonto abe esewuzwile ukuti ng'oka'Nomkwaimba; wati ku'yise, "Ngipe lo'mkonto, baba." "Akusiwo owami, mntanami," kupendula uyise, "ngowomfowenu uNomkwaimba." Wabuya wapumela pandhle esibayeni, lapo wab'epuma kona, bedhl'umtshwili kanye nezinye izinsizwa. Akubanga kusaba ngakanani ukuhlala kwenkosi, seizwe umzimba untagatkozile. Kwasokuba ukuvalelisa kwayo njalo seibulyela ekaya kwa'Zulu. Ukufa kwayiqinisa njalo yaza yafinyelela ekaya.

Kanti kuzakuti emva kwake, nendodana ilandeleya, seimuka kwa'Mtetwa seiya kubo kwa'Zulu. Naye uTshaka wanela ukusuka nje es'eya kwa'Zulu, nango-ke uDingiswayo epuma naye ekaya es'ehambela ku'Zwide inkosi yakwa'Ndwandwe, ehamba nehelana lezinneku zake njengokwenza kwabo. Uhamba njalo naye uti uya'ku'qomisa njengokwenza kuka'Senzangakona owabe eya kuqomisa kwa'Mtetwa. Nango-ke uZwide efike embulala (1818).

Kulapo-ke lapa kwasuka kona udwitshi lwemikuba emibi eyabanga izimpi eziningi ezingabonange zibe zisapela.

ISAHLUKO XXIII.

UKUFA KUKA'SENZANGAKONA NOKUHLOMA  
KUKA'TSHAKA.

Ute uTshaka esaqlala ukufika ekaya, lafika izwi lomkosi lokuti uyise uDingiswayo kaseko ubulewe ng'u-Zwide (ngo 1818). Wabelapo ete esafika ekaya, wabulala umfo wabo uNomkwaimba. Kwati loku inkosi yabe igula, yanelia ukuzwa ukuti "ifikile indodana yako uTshaka, is'ibulele umfo wabo uNomkwaimba," ngalowo'mbiko inkosi yabetwa uvalo, yase iyapela njalo (1818).

Nango-ke uTshaka es'ehlomisa uZulu noMtetwa namaHlubi, etukutelele ukubulawa kuka'yise uDingiswayo. Kwasala sokufana nokukipa ihlambo lika'yise uSenzangakona loko. Yapuma-ke impi yaqonda kwa'Ndwandwe. Kepa uZwide wabe enamandhla kakulu, esabeka kunamanye amakosi; ngaloko wati eyiyisa pambili uTshaka, wabe etanda ukurola yona eyakwa'Ndwandwe ukuba ize neno; ngaloko wati ekwenza konke loko, wabe enza isu lokumhola uZwide, ukuba eze azonigena pakati kwezwe lakwa'Zulu. Eqondeni ngaloko na? Eqonde ukuba esazi ukuti impi yakwa'Ndwandwe aiziquibi izinkomo inxa ihlasel, ipata imitwalo yamabele kupa; kuhle ake abahlupe abafo kebaze bapelelwwe ukudhla, balambe. Kungaloko-ke ukuba wayiyisa qede wabuye wayihlehlisa eyake.

Wamleta-ke uNdwandwe umfo ka'Langa owabe enempi ebukali kakulu. Loku pela uyileta njalo isuka lapa nga kwa'Nongoma, lapa sekwake inkantolo namuhla, nangalapaya kwayo, eMagudu, lonke lelo okwaku izwe lika'Zwide ka'Langa inkos'enku yakwa'Nxumalo. Iza ngakuleli lamaHlabati, lapo elakwa'Zulu lalikona. Yenake uTshaka utanda ukuyileta ngalapa emHlatuze, ukuba izolwela kwelas'eNkandhla, ngas'Ensuze, kwelibi kakulu eli'migoxigoxi. Wabe es'ememezele emizini yonke yanagwa'Zulu ukuba kususwe ukudhla, kutshiswe ngo-mlilo, kututwe kumukwe emakaya.

Wayileta-ke umfo ka'Langa, wayileta yagcwala lonke elakwa'Zulu las'emaHlabatini. Wat'uba ayibone umfo ka'Senzangakona, wayilungisa eyake, wayisondeza ngas'ezindaweni ezilukunyana. Wati inxa es'ezakuyiqata wakwela pezu kwentatshana ebizwa kutiwa. "uKomo," es'eduze nas'seSibhudeni. Wakwela lapo kwa'Komo, wa-yiqata-ke, eyibuka.

Yadumelana-ke lapo kwanuka, utuli Iwaqonda pezulu. Po! loku uNdwandwe wabe enamandhla kakulu, kwona loko po ukwenzelapi? uZulu us'etukutele uctishwa ngamanzi, us'ependuke ukufa wonke. Loku pela kute ingakabambani wayimisela umteto wokuti makulahlwe amapande emikonto lawa, abe yilowo apate isinqindi sokugwaza kanye nomkonto owodwa wokuciba lapa impi is'izakuhlangana. Kaseko opete imikonto emitatu nemine, njengokuba kwakukade kwensiwa. (Niyabezwa nani oMxakaza-pande, yibo labo ababebulala abanye ngokuciba, hai ngokugwaza).

Niyabazi-ke nani laba bakwaMutimkulu, ukuti ngalapo bebambe ngakona kababe besakumuka, baya pambili

njalo bona. Po! uZulu lapo waba uganiwe. Yalwa kwaza kwahlwa ipatene, kukubi nje. Kwaze kwaba izinsuku ilwa ngokwesabekayo. Kuhambe kwahamba kukubi kungatandeki, wabona kaloku uTshaka ukuti us'evame ukuyenza kabi eka'Zwide, nokuti seilambile aisakutoli 'ndawo ukudhla, sekupele nya konke owabo abebekupete, wenza elinye icebo kaloku; watuma amavio atile, wati mawahambe aqonde emzini omkulu ohlezi yena uZwide uqobo, aye ngempi; kuze kuti inxa labo sebebona ukuti umuzi wenkosi ausekude, baze bahube ihubo lakona elikulu lempi; kona bengayikuxwaywa, baze bangene ekaya, bambambe uZwide.

Kulapa kwahlabana kona lapo oNomdidwa wange-mihla ka'Sojiyisa (uMapita) iqaw'ekulu, naoMvundhlana kaMenziwa wakwa'Biyela, uNdonga zeLangwe ngibe ngiyasibiza, ziyesabela. Owancitshwa itshoba ng'uDhlungwana womBelebele, waza waya walipiwa ng'uMacingwane was'Engonyameni! O! Wahlabana-ke lapo uZulu; kwabonakala ukuti bayamcima uNdwandwe kaloku.

---

ISAHLUKO XXIV.

UKUNQOTSHWA KUKA'NDWANDWE.

---

Kanti lawaya'maviyo apakwe kwatiwa mawaqonde emzimkulu ka'Zwide, enza njengako loko atunywe ngako. Nembala bati uba basondele ngakomkulu wakwa'Ndwandwe bahuba lona elikulu lakona lempi, kwezwakala ukuti bamcitile uZulu. Kwasokuba ukupuma kwabesifazana njalo bakona, asebehlabo imikosi yokuba benqobile. Ngaloko izita zaza zasondezelana nabo. Po-ke uZulu

ka'Mdhlamfe! Bati betuka babezwa nje ukuti "Ngadhla!" "Maye ngenkomo ka'baba!" Bayaqala betuka, bekala, sebebaningi abawileyo. Ute uba 'ezwe loko uZwide, weqa, wafohla umuzi ngenhla, wabaleka.

Kwaba kute ngezinsuku impi isalwa, uSomveli ka-Dingiswayo wacela ku'mfo wabo uTshaka ukuba ake aye-kubona abantwana ngas'ekaya. Wavuma uTshaka. Wemuka kwaza kwaba isikati, izinsuku ezinningi. Waqala ukukononda kaloku uTshaka, wabaloku esede eti. "Hai umfo wetu! Umfo wetu lo unjani!" Basebezwa abanye ukuti uTshaka us'efuna ukumbulala. (Inganti pela nempi lena elwayo ilwela ukupindisela ukubulawa kuka'yise uDingiswayo). Weqa-ke uSomveli ngakona ekaya lapo, wabalekela isilwane esi umfo wabo, esesizakumbulala. Kwasala kwabakwabo bokuzalwa uMbiya uyise ka'Mlandela, nabo bonke labo ababes'empini.\*

Hawu! yabe iyayibhedula njalo. Soku ukuciteka kwesizwe sakwaNdwandwe njalo loko. Babopa abanangi bemuka, baqonda enhla le nezwe. Kwati kus'endhleleni wabuya uSomapunga, wabuyela kwa'Zulu. Lapa efike wazalela kona inkosana yake uMgojana nabafo wabo oMakulumane noHlokolo, nabanye.

Kepa akubanga kusavuma njalo ku'Tshaka ukuba abeke pansi isihlangu, kwaba yiloku es'ehlasela ezinye izizwe njalo, efuna ukuzinqoba, zibe pansi kwake. Ngaloko kwasweleka ukuba ezwe onke amakosi anamandhla awahlasele.†

\*uMlandela wazala uSokwetshata. Ng'uye owabe'ndiselwe inkosazana yakwa'Monase, uBatonyile, wakwabo'Mbulazi.

†Zivele lapo izibongo zika'Tshaka zokuti: "Isidhlukula-dhlwedhlwe, siyadhla, sibeke isihlangu emadolweni."

Induna yake enkulu kwaku uNgomane ka'Mqomboli wakwa'Mtetwa; encane kung'uMdhlaka ka'Ncidi wakwa-Langa. Innceku ku uMxamama ka'Ntendeka was'ezi-Bisini kwa'Mahlase, kanye nezinye izinduna ezinkulu nezincane. Owab'e isenabelo sezinnyawo zake kwaku uNgqengelele wakwa'Butelezi, owaflka evela kubo ey'isicute engacambusile okwakuti nonxa inkosi ikwehlela ipumesele kuye, inxa ilele yenabele kuye.

Wabusa-ke, wabungena ubukosi u'Tshaka obab'azise-lelwe nguyisemkulu uNdaba, ukuti, buyakuba kona kwa-Zulu. Wakuhlosa-ke loku ukuba awahlasele onke lawa amakosi angamvumiyo; kodwa kuti lawo amvumayo-awayeke, abuse ngawo.

Bemuka bonke abakwa'Nxumalo, kwasala uSotondose ka'Malusi ong'owakona. Kwemuka uSotshangana ka'Zikode ka'Manukuza ka'Ndwandwe, umfo wabo ka'Zwide, ngokwelamana kwaoyisemkulu. Yena uSotshangana wabanga le kwelingas'eMyembane, elipetwe ng'ama-Putukezi namuhla. Kwaba ubuyaluyalu nje ebantwini. Baqala bonke ukuvusa amadhlebe beti "Namhlanje kuvele inkosi enjani na ?" Wazidhla indawo yonke.

---

ISAHLUKO XXV.  
UKUHLASELWA KWA'MANGWANE.

---

Akubanga kusaba'sikati esingakanani u'Tshaka wahlasela enkosini enkulu yamaNgwane uMatiwane ka'Masumpa, efuna ukumnqoba abe ngapansi kwake. Kepa uMatiwane kavumanga ukubuswa ng'u'Tshaka. Yalwa-ke impi enkulu. AmaNgwane lawo abe enamandhla amakulu. Impi yalwa isikati eside, kwaza kwati, ngoba

u'Tshaka wabe es'eqambe umkuba omutsha owabe unga-ziwa ng'abantu bonke, wokupata isinqindi sibesinye sokugwaza amahlanze, nomkonto ube munye zwi wokuciba lapa impi is'izauhlangana, wahlulwa uMatiwane, walandinda nezwe ebaleka. Kepa kwati ukugcina wapindela kona kwa'Zulu, waya'kucela umusa enkosini, wati, "Igade idiniwe wena ka'Senzangakona, ngitole." Au! kwaba kuhle nje loko enkosini, yavuma. Kepa kuhambe kwa-hamba kwavela izifamona zakwa'Zulu zamota, zati, usafuna bona ubukosi njalo, bemqambela. Wabe utola ukujeziswa njalo ngaloko. Waqutshwa wayiswa odongeni olukulu, bambulalela lapo Owenkosi yamaNgwane, engone'luto noluncu, ukupela ukuba kubonwa inkosi is'ikuluma kahle naye. "Soza sife sipele sigxaz'amanzi tinabakwa'Zulu !"

Lwasoluduma-ke lolo'ludonga, kwabe kusabulawa umuntu wayiswa kona, kutshiwo nokutshiwo kutiwe "Muyiseni kwa'Matiwane." Nanamhlanje lusaziwa lolo-ludonga; noDingane futi waponsa amabhunu amanangi kulo.

uMpambani, inkosi yamaKambule, amaNcube, abafeketiswa ngokuti "amaZilankata," wati uba abone ukuti isilwane esi u'Tshaka sivukile, wabuta abantu bake, wahamba weza ngas'enningizimu. Wahamba wahamba waza wafinyelela ngalapa emNgeni, ngas'Empolweni. Waxoxa-ke nabantu bake, wabalandisa onke amasu okulwa empini; wabalandisa okokuti impi is'ibabinile, abasayitandi. Emva kwokukuluma nabantu bake, wawunula ngemvunulo yonke yake yempi, wahloma isihlangu sake, wati, "Ake nginitshenise ukulwiwa kwempi ukuti kwenziwa njani." Watsho eziponsa kwasikulu isiziba. Emva

kwesuka abaningi, benza wona lowo'mhlola nabo. Kwasokusuka abasengqondo babavimbela bonke ababalandelayo abayakuziponsa esizibeni. AmaKambule agcwele eSwazini, amanye akupukile aya ngas'eKoloni, ahlakazekile ezweni lonke.

ISAHLUKO XXVI.

UKUHLASELWA KUKA'MACINGWANE.

Ngoba kwazi abantu bonke ukuti uMacingwane ka-Lubhoko was'Engonyameni wabe isilwane esibi esasibulala nabantswana baso, ebulala bonk'abantu, engancengi'muntu; enamandhla futi nas'ekunqobeni ezinye izizwe. Kepa kwati uba kuvele uTshaka waqala ukutiye ka, loku wab'ekade elwa noSenzangakona, amxotshe, kucitshwana ngemikonto, kutiwe "Hoiye !" kubuye kuyekwane. Kwati-ke uba kuqamuka uTshaka kwaba ng'okunye, akwaze kwafana naloko kwokuqakuzana.

uMacingwane wab'enamandhla ngempela. Nguye owacita umuzi wakwa'Ndhlovu, uMpongo ka'Zingelwayo; wacita uLembede ka'Ndima wakwa'Bayeni, bebang. Sekuhambe kwahamba-ke namuhla kwafika inkunzi enye el'ivukana, ngoba endala lena ingebe isahlangabezana nevukana.

Waxabana-ke uMacingwane noTshaka. Balwa impi enkuwu eyesabekayo. Okwaze kwati ekugcineni wahlulwa nya uMacingwane, wanqotshwa okwokupela.

Kuleyo'nkati basebefikile abelungu eTekwini, oMessrs. Fynn (uMbuyazwe weTeku), noWohlo (ogle), noPopham (uFebane ka'Moji), noCaine (uyise ka'Nanise); ababe-

fike ngendhlela yokurweba. Futi uMbuyazwe lowo wabe es'efikile kwa'Zulu, ehambele enkosini. Nakuleyo'mpi njalo ng'uye okwati lapa uTshaka es'exitsha uMacingwane, wahamba kunye naye, waya wafika le ema-Mpondweni, ehamba kanye noZulu. Lapa uTshaka wafika wamshiya kona nenyi impi, waba ng'uye umberoni walelo'zwe, njengoHulumeni wakona. Mdhla sekuti es'ebuya, basebemqambe izibongo zokuti: "uMbuyazwe we-Teku, uJojo ovela emaMpondweni," Kodwa uTshaka wafika watiyeka emaMpondweni. Wahlehlha nyovane, washiya umncle wezwe lamaMpondo, wamisa kona; waguquka nempi enkuwu washiya yena uMbuyazwe we-Teku eng'uHulumeni walelo'zwe (1828). Waka wahlala izinnyanga ezitile, ekonzile enkosini. Wab'ekona nang'enkati yokutshona kuka'Nandi unina ka'Tshaka, ekonzile njalo (1826).

Abelungu laba uTshaka wabanika izintombi zomdhlu'nkulu, zaba amakosikazi abo. Bazala kubo abantswana abaningi, asebe izizwe ngezizwe namhlanje. Kodwa noko lezo'zizwe zisabizwa ngazo njalo izibongo zaoyise. Bahluke ngokuba-mhlope inganti bamnyama ukupela.

Isilwane lesi uMacingwane, esasibulala kakulu abantu kanye nabantswana baso, sakwazi ukufa kaloku ukuti kubuhlungu, sabaleka saza sayakufinyelela le ensiken, kwa'Mama-ngalahlwa, sibalekela ukufa, sixotshwa nguTshaka. Kungati wabe es'ekohliwe ukuti kade way'eqeda abanye kunye nezinngane zake.\*

\*uMacingwane ka'Lubhoho wabe enolunya olusabekayo. Wabulala uNdabezimbi noMqayana amadodana ake, kanye nabanye abaningi; ebabulalela ukuti uyabona ukuti bazauti uba babe amadoda, babange naye. Nalona owabe etate uMasijula unina ka'Zimema, wabe eyakumbulala naye ukuba uMacingwane wabe esabusa ekaya, yingokuba wabe es'ezula ezintabeni, ebalekela uTshaka.

u'Tshaka wab'enamabuto amaningi. Amawombe (intanga yake). Isiklebhe, u'Kokoti, u'Mbelebele namanye amaningi engingewaqede.

Nanti ihubo lake inxa sekuzakubulawa amagwala:—  
Ho! Ho!  
Ketan'amagwala!

Onke-ke amagwala abulawe kabi inxa sekuhutshwa lelo; abanjwe umuntu, apakanyiswe ikwapa, abe es'e-hlatshwa njengembuzi, kutiwe kuye. "Ake uwuzwe, nanko umkonto owubalekelayo!"

Izizwe zanyakaza zonke, kwezwakala ukuti ifikile inngqwele namuhla. Kwabe lapo sebembonga bemhauza, beti: "Ilembe eleqa amanye amalembe ngokukalipa. u'Nodumehlezi ka'Menzi. Isixokolo esing'amatshe as'e-Nkandhla, apepela izindhlovu uba lipendule. u'Dhlu-ningwana womBelebele, odhlunge emanxulumeni; kwaza kwasa amanxuluma esibikelana. u'Tshaka ngiyesaba ukuti ng'u'Tshaka; u'Tshaka kwaku yinkosi yas'eMatshobeni. Isidhlukula'dhlwedhlwe. Siyadhlala, sidhlondhlobele, sibeke isihlangu emadolweni." Yebo pela nami ngingeziqede, funa kupele ipepa lonke yizo. Watsho-ke kaloku, es'ebagwiyla, ecwaya, wati: "Zulu, mabahambe, bofel'endhleleni. Kuqubul'izulu nomhlabati. O! O!" Kwezwakala ukuti kutsho indhl'amadoda.

---

ISAHLUKO XXVII.  
UKUCITEKA KUKA'QWABE.

---

Angizwa 'sixabo esikulu kangakanani, ngizwa ukuciteka nje, kwokuba u'Tshaka wabe edhlongopele pezu kwezwe. Kodwa okwaziwayo ngokwokuti u'Senzangakona

wabe efana neduna nje ku'Qwabe, engapansi kuka'Qwabe. Yiko loko okwenza ukuba kw'ezwakale izwi lokweyisa u'Tshaka eyiswa ng'u'Pakatwayo, lokuti ku'Tshaka. "Iya! Ini yona igamata'ndukwana, eliti livuba lipate ingxwembe ngalapa, umcaba ngalapa: kusondele innja, liyitshaye ngekanda!" Loko kutiwa u'Pakatwayo wakutsho ngoba emdelela u'Tshaka, emetuka. Kodwa siyazi kahle ukuti inxa kusalwiwa, kucitshwana, nas'esisindweni somunzi, wabe engapansi kuka'Qwabe u'Zulu, babengalingani.

Kutiwa wati uba ayipake lapo umfo ka'Senzangakona, mdhla es'eyiqondisa ku'Pakatwayo, wabeka izwi lokuti "Nize ningambulali; anombamba nimlete lapa kimi." Kepa kwati ngobukosi obukulu kangakaya obabu ku'Pakatwayo, banelia ukumfica nje abakwa'Zulu wabetwa l'uvalo, wafa, bengakampati nokumpata ngezandhla.

Izwe lonke lazamazama kaloku, lesaba u'Tshaka. Yiso leso-ke isikati sokubaleka kuka'Nqeto umfo wabo ka'Pokatwayo, es'ekupuka eqonda kwelis'entshonalanga, mdhla ehamba 'enza izivivane eziy'izinqwaba zamatshe, okungadhluli'muntu noyedwa kuzo engalicotshanga pansi itshe waponsa kuleyo'nqwaba nanamhlanje. Abaningi kabazi ukuti lezo'zinqwaba zaqalwa ng'ubani. Ngiyabatshela-ke namuhla ukuti zaqaliswa ng'uNqeto lowo inkosi yakwa'Qwabe, ebalekela u'Tshaka. Odhlula esivivaneni lapo, kambe, kutiwa kacotshe itshana libe linye, alipumesele ngangate, aliponse kona, and'uba adhlule ahambé. Ucela inhlanhla ngaloko'kwenza. (Kungatiti ku umkuba wama *Heberu* lowo).

Kuleyo'nkati kwanyakaza abantu abaningi, bebaleka. Kodwa abanye bahlala nje, babhekisa amakanda pansi,

kwba lukuni ukushiya izindawo zabo. Bati abangena-sibindi babaleka.

Nango-ke uSonyangwe ka'Kalimeshe wakwa'Zulu, ebuta isifunda sake, ebaleka pakati kwobusuku eya'kungena ehlatini elikulu, Ongoye, Wahlala ecatshile lapo kanye nabantu bake. Kwanqunyiselwa ukuba ungalingi ubaswe umlilo; ihlatshwe qede inkomo ifukutwe igevwe, ingapekwa, ingosiwa. Ngoba inxa kuke kwabaswa umlilo funa babonwe ngabakwa'Zulu, bababulale. Ngaloko bavama ukuhamba ebusuku, kuti emmini bacatshe. Baze baluwela uTukela nayo yonke eminye imifula, baza bafinyelela kwa'Kwela (*Otto's Bluff*), lapa baka bafika bahlahlala kona iminyakana enge'mingaki. Umfula uMngeni lo babewubiza ngegama lokuti "Umsonganyati." And'uba badhlulele emZimkulu, lapo besake kona nanamhlanje. Ukubizwa kwabo kwasokutiwa "Amabhaca," ngoba babhacele abakubo kwa'Zulu. Nanamhlanje iy'igugu elikulu kwowakwa'Bhaca innyama eluhlaza engosiwe, engapekiwe: bati imnandi idhlula eyosiweyo nepekiwego. Inxa ungalifukutisanga iBhaca, ulipa innyama evutiweyo yodwa, ungaba ulincitshile.

Kako noyedwa owancibilikayo ngalezo'nsuku zokuhlaluka kuka'Nodumehlezi. Izibongo zake kambe ababembonga ngazo inxa egwiya, iqaw'ekulu lika'Senzangakona, owabonwa ng'uyisemkulu uNdaba ukuti uyakumzala oyakuba yinkosi engapezu kwamanye.

Nanti ihubo lika'Tshaka, lokuti:—

Waqedaqeda izizwe:

Uyakuhlaselapi na?

He ! He ! Eya E-e !

Wahlul'abafo:

Wahlul'izizwe.

ISAHLUKO XXVIII.  
UKUCITEKA KUKA'MZILIKAZI.

Bonke bayazi ukuti uMzilikazi ka'Matshobana wabe enamandhla kakulu. Kepa kwati mzuku es'esungulwa ng'uTshaka kwapela konke loko, yamudhla Innyoni Edhla Ezinye. Kodwa-ke wati uyalwa yena. Kute nomina es'ebaleka, wampelezela ngayo impi waya wamfikisa kude.

Bekuti inxa es'epakati kwomkumbu wake, eyiteta, luti lungawa pansi upape lwake lwendwa olusuka emqe-leni wake ekanda, lungasuka emqeleni lume pansi lutshikize, atsho-ke ati: "Sengimpete, mabandhla ka'Mjokwane ka'Ndaba, uSala-kutshelwa, uSala'kunyenyezelwa. uBhidi limateta ngezinnyembezi, elinjengelika'Piko was'eBulawini. Innyati ehambe isengama amazibuko; enjengomzingeli waku'Mamfekana. O'zitebe zihle uMjokwane; ezidhliwa ng'amancasakazi. Owadhlha umfazi umka'Sukuzwayo; wadhlha uSukuzwayo nendodana, wadhlha uMabebeta kwoNokokela; wadhlha uMsikazi kwoNdimoshe, ingabi ub'eyokwenzani kwa'Masa'mlilo, lap'imihlambi yabantu iselayo? Owadhl'imfe zimbili, kwa'Sondombana, ikambi lapuma lilinye. Umatshwabada ka'Maqanda noNsele, owatshwabadelia izindhlubu zakwa'Mudhlirnamakasi. Ob'engayi'bandhla, ob'engayi'maduneni; ub'enjengoVimba waku'Mangwekazi.

Ub'eti inxa es'ebonga uyise etsho njalo uTshaka, impi yonke yake ingenwe l'uhlavane, bavevezele abantu, sebetukutele osongati bangayibona is'ikona lapa impi, balwe, bafe kanye. Emva kwokubonga kwake atsho lona

elikulu lika'yisemkulu, lokuti "uNdaba uy'inkosi ! O !" Lapo-ke babile nje abantu, sebefa ukutukutela. Kwe-sinye isikati baqabuke sokuqamuka yona inyandezulu pakati kwabo. Lapo-ke impi yonke itshaye izihlangu, ikuleke iti "Bayete !" Ngoba pela inxa uZulu eke wahla-belela lelo, lihloma noma libalele, ngitsho nanamhlanje.

uZulu wampelezela uMzilikazi waza waya wamfikisa kwelinganeno kwelash'eMashona. Wabuya kude impela. Kanti lapo uMzilikazi wafika watola kona izinqaba zoku-pepele. Wabuyela emuva uZulu (1826).

ISAHLUKO XXIX.

UKUCITEKA KUKA'NOMAGAGA.

uNomagaga ka'Nsele, inkosi, yas'eMakuzeni, owazala uMmiso, uMmiso owazala uKukulela, uyise kaMsikofili, wabe ake ngalapa entshonalanga kwoMzinyati, lapa sekwake kona umuzi was'ePomeroy namhlanje, eduze kwezintatshana ezingakona, Emngeni. Lapa bati abas'eMakuzeni bezihlalele nje bengazi betuka befikelwa luyaba lwempi ngenkati yas'ekuseni. Yona ngokwayo impi yaiqonde ukubafica ekuseni ngovivi; kodwa kwati ngokudukelwa yindhlela, bengayazi, baduka, baza basizwa yique lenku, elakala sokuza, elona labaqondisa lapo umuzi omkululu was'eMakuzeni wake ngakona. Nanzo-ke, niyazizwa izibongo zika'Tshaka, zokuti: "Owaya ngomnyama ku'Nomagaga, lafik'iquote lamvimbela." Kutshiwo ngoba iquote labavusa, bazakubulawa bengazi'luto, besalele.

Yabafikela kabi abantu impi ekuseni, bebengayazi.

Noko alwa amaKuze pezu kwaloko. Yababulala kakulu abantu. Kulapo kwalimala kona uKukulela ese ngumntwana.

Lapa bekufuywe kona inkomo kambe, umuntu ub'eba uzikolisile kwabakwa'Zulu. Kunjengokuba kube kuti unga fuya kakulu, uqanjelwe nangowakwenu amanga, enzel'ukuba ubulawe, kona ezausala adhle abantwana bako. Akutande kaloku, akwazise ukuti ung'owakwabo.

Yileso-ke isisusa sokuba izinkuku zibulawe ngabantu bonke, ngennxa yokuba zileta impi. Abantu babezifuyile nje kakulu, bezibiza ngokuti "inswempe," "inkwalindanyana." Ukuti "inkuku" loku kusuke emkubeni wayo lapa ibiza amazinyane ayo, nequde libiza ezinye, liti "kuku, kuku," basebetsho-ke abantu ukuti in-kuku, ngoba kutsho yona.

Kepa angazi ukuti abakiti laba babeyifunyene-pi inkuku. Futi lezo ezazifuywe ng'abantu akusizo lezi esizibona namuhla; zazizincane kakulu lezo, zifuyelwa ukuhlabela izinngane ezipetwe umkuhlane. Iti inngane ingakwelwa umkuhlane ihlathelwe yona, ipunge umhluzi wayo, kube ngcono. Loku nanku sengibona namanuhla kufika abelungu kuleli, benza kona loko okwakwenziwa ng'abakiti mandulo.

Po ! angitsho'luto, madoda, zonke izinto ziyafana, nabantu bonke bayafana. Endulo abantu bakiti babepeka ngamaseko amatatu, nampa nabelungu befika namabhdwe akubo anamasondo amatatu. Okutatu kuqinile kute nqi, kunjengokuti: "uYise, nenDodana, noMoya Ocwebileyo." Isigxobo sokuqala siyabetelwa siqine, kepa kuti uba kufike esobubili siqinise esokuqala; lesi-ke esesitatu siqinisa esobubili, besesiqina siba umankonkonko lesi

esapambili, sesiqiniswa yilesi sesibili ne sesitatu. Nakwofakazi becalalunhlu ka'kukwala ekuluma izwi eliqinisileyo lizauqiniswa ngowobubili, ati owesitatu abhijele, besokuma kuqina kuti nko.

ISAHLUKO XXX.  
UKUQINA KWOMBUSO KWA'ZULU.

Kwaba njalo-ke ukuhlaluka kuka'Tshaka kuleli elis'enzansi ne*Afrika*. Kafikanga ebhekiwe, kodwa wafika engazelelwe; wafikela pezu kwomBuso ongemkulu wakwa'Zulu, ongapansi kweminingi emikulu kunawo. Yena wafika wawuvusa owakubo, waba ngapezu kwayo yonke imibuso eyabe imikulu; bati labo ababenamandhla pezu kuka'yise naoyisemkulu, wabehlisa wabayisa pansi. Loko-ke kwaba umhlola omkulu nje owesabekayo. Kantike yilo lelo-ke izwi elikulu elaselitshelwe uysemkulu uNdaba, ukuti, ng'uye oyakuba yinkos'enkulu yedwa, ngoba kuyakuhlaluka enzalweni yake oyakubusa izwe lonke elis'enzansi ne*Africa*.

Munye qwaba umBuso angazange ewupazamisa uTshaka — owas'eMbho kupela; wab'eti, uZihlandhlo ng'umnawa wake; ng'uye kupela owamvumela ukwaka isigodhlo, azibusele ngokutanda kwake, ngoba eng'umnawa wake. Ngaloko bonke abantu bezizwe ezinye bavama ukutolwa eMbho.

uZihlandhlo noSambela umfo wabo babetandana kakulu; noZihlandhlo emazisa kakulu uSambela, emenza oy'inkosi enkulu kunaye, nakuba uSambela lowo'elama uZihlandhlo emhlana ku'nina munye naku'yise wabo uGwabe ka'Kabazele ka'Mavovo, abantwana beSwazi eli-

kulu. Bona babetandana pansi nepezulu, bahlukene ngamakanda ku ukupela.

Ngako-ke, inxa umuntu eza, ebuka ukuhlaluka kuka'Tshaka, angetsho ukuti wazalwa ng'uSenzangakona noNandi nje, engabukisisa ukuti wab'e isehlo esehla pezulu, esafika lapa ngamabomu ukuba kuzohlanganiswa izwe libe linye, liyeku ukuba amanhlanhlalu loku, libuswe 'muntu'munye, kungabi ukuba abe yilowo azenzele akutandayo. Law'amazwi engiwakulumayo afakazelwa yindaba yokuba uNandi engabonanga eba yinkosikazi ka'Senzangakona, nokuti wanelu ukumita nokuba amzale kaze ahlala naye njengenkosikazi nenngane yayo, ukupela ukuba abe ngumntwana ka'ninakulu yedwa. Noyise futi kabonange ehlala naye, waba ng'umntwana waoyise abanye abangamzalanga; loku eze wati uyise mdhla es'emkumbule umntanake, kwaba usuku lokuba es'eyakuzitatela ukufa, inganti ube engakasondeli esangweni lokufa. Ake nibheke ukulangazela kuka'Nandi, elangazelele ukuhlangana noSenzangakona, engabonange embona ngeso. Bhekani ukuhlangana kwabo kwokuba bahlangane qede kube sokupele ngokuhlala kwesisu ku'Nandi sika'Tshaka! Abapindanga bahlale ndawo'nye, kwaapelela kona lapo esihlahleni. Ngitemba ukuti nenngane ebhibhidhla amazinyo iyakukubona ukuti, loku kwakuy'isenzu somkuba oweenzelwa ukuba kuhlaluke umnini waleli'zwe las'e*Africa*.

Mina ngokwami angitsho ukuti uZwide uzenzele ngokwake ukuba abulale uDingiswayo; ngiti, uZwide, ey'inkosi enkulu enamandhla amakulu kangaka, waqu-tshwa inhliziyo yokuba kuvele loku, wambulala-ke uDingiswayo engenalo nelincane icala, enzela ukuba

kulimale yena kona kuzauhlaluka lobu'bunje. Wati-ke, etemba amandhla ake amakulu, wazilimaza ji, engazi ukuti onke amandhla omuntu anawo aqamuka ku'Munye wonke, hai! ababili, ng'uNkulunkulu kupela. Kwenzeka loko ngo 1820.

ISAHLUKO XXXI.

UKWENDA NOKUFA KUKA'NANDI.

uNandi, ey'inkosazana ka'Mbhengi weNguga, inkos'e-nkulu yas'eLangeni, wanelu ukubona inngane yake is'i-kulile, ehlezi ekaya kubo ey'intombi, wahamba waya'kwendela ku'Gendeyana isikulu sakwa'Qwabe, lapa wafika wazala kona uNomcoba inkosazana, noNgwadi umne wabo, emzini wakwa'Wambaza. Kakucabanganga ukuya'kwendela ku'Senzangakona, lapo es'azala umfana kona. Wahlala-ke ku'Gendeyana lapo'endile; kwaza kwati lapa uTshaka es'ey'inkosi kwa'Zulu, unina wabuyela ku'ndodana, ehamba noNomcoba; kodwa uNgwadi wasala waka umuzi wakwa'Wambaza njalo, waba ng'umnumzana nje opete lowo'muzi, noma engaseko uyise.

Inkosi uTshaka pela wab'engenawo amakosikazi yena njengoyise, wab'e nomdhlunkulu kupela, engafuni ukuzala, funa amadodana ake aze abange naye ambulale engakabufesi ubukosi bake. Wabe'enza loko okwakwenziwa y'inkosi yakwa'Mtetwa, mdhla ibulala o'Tana noGodongwana (owabuya waba ng'uDingiswayo); nanjengaloko okwakwenziwa yinkosi yas'emaCunwini, uMacingwane, owabulala uMqayana noNdabezimbi, nabanye, engiti basinda ngokulambisa. Ngaloko-ke indaba esi-

yizwa iqinile ng'eyokuti, kwati ukuba angazali njalo, noko yabakona intombi yakwa'Cele eyamzalayo umfana. Kepa lowo'mntwana wazineg efihlwa njabo ukuba angabonwa yinkosi, ngoba izakumbulala. Kuhambe kwahamba uNandi emfihla njalo umntwana, waza wabonwa. Kepa uNandi wameqisa umntwana lowo kanye nonina intombi yakwa'Cele. Kwati ngokutukutela kuka'Tshaka, ukuba unina amfihlele inngane benoMacele, wamgwaza ngo-mkonto unina, kodwa kaz'atshetsha ukufa uNandi. Emva kwaloko es'emgwazile kwapinda kwaba'buhlungi ku'ndodana, is'ibona okubi ekwenzileyo, yazikalela kakulu. Kwasokufihla loko ukuti inkosi igwaze unina ngennxa yokuba imfunyanise edhhalisa inngane ezelwe nguMacele, umdhlunkulu.

Kepa uMbuyazwe we'Teku (*Mr. Fynn*) uyakupika loko, uyaqinisa ngempela, uti, inkosikazi yabe igula iruda igazi. Asazi-ke lapo ukuti yikupi okuy'isiminya. Kodwa umuntu angangabaza, mhlaumbe, ati, "Konje umlungu lona abakwa'Zulu babengahle bamtshele isifuba sakubo kona kwakwenzekile loko na ?" Mina ngibona ukuti wamgwaza ngempela.

Ezintombini zomdhlunkulu bekuti ese isoleka ngas'e-nkosini ukuti nga inesisu, inikwe uMpande, kutiwe ka-mzalele, yena ezelayo. Kunjalo-ke ukuba uMonase, inkosikazi enkulu ku'Mpande, unina ka'Mbulazi no-Mantantashiya, noMkungo noBatonyile, wab'e ng'u-mdhlunkulu ka'Tshaka naye; kwati ngesici esitile esinga-qondakali, inkosi yamabela yena umfo wabo ukuba ayizale. Yiko loko okwasusa umbango waoCetshwayo noMbulazi.

Kwakute ukugana kuka'Ngqumbazi wakoka'Mbhonde

wakwa'Zungu, inkosi (uTshaka) yatumela ku'Tshana, yaya'kucelela umnawa wayo uMpande, ukuba atate le'ntombi. Kwati ngokuvuma kwomne wabo lowo, uTshaka wakipa izinkomo walobolela umfo wabo uMpande. Nansoke, niyayizwa indhlela yokutatwa kuka'Monase inkosazana yakwa'Nxumalo, ukuti wab'e isixebe sika'Tshaka, kepa wagcina ngokumabela umnawa wake uMpande; wazala kuye uMbulazi noMantantashiya noBatonyile kanye noMkungo. Kute uba bakule nje abantwana laba, oCetshwayo wakoka'Mbhonde, noMbulazi wakoka'Mntungwa, waqala uyise ukukuluma ziningi, wadhla amazwi ake kaloku, waqala ukuveza amazwi ab'ekade engeko, okuti, inxa ekuluma nabantu: "Ng'uMbuyazwe omkulu, amizele kuNkosikazi yomne wabo uTshaka." Kwabelapo uZulu engakuvumi loko. Njengokuba namaBhunu, ewona ambekayo, 'azi uCetshwayo, owanqunywa indhlebe ng'amaBhunu amenza upau, ngoba pela kwati mdhla uMpande ei'ebuyela ekaya kwa'Zulu (ekade 'eqile kwa'Zulu ebalekele uDingana, ngo 1830), mdhla es'epelezelwa ng'amaBhunu, ati kuhle awakombise oy'inkosana yake pakati kwabantwana bake bonke. Ngaloko uMpande wawakombisa uCetshwayo; abe es'emsika indhlebe amenza upau. Kepa inkosi yabe seikohliwe yiloko konke, seiti kubo bonke abayipendulayo, beyipikisa, iti, "Anazi yini ukuti uCetshwayo ngimzele uyise umuntu nje? Aniqondi yini ukuti umuzi lo ng'oka'Tshaka na? Qa! ng'uMbuyazwe inkosi, ong'oka'Tshaka."

Kepa abanye bakwa'Zulu bayakupika konke loko-kukuluma kwenkosi, bati: Inkosi yabe ingaqinisile naku loko, kwokuti inkosi ng'uMbuyazwe, yena eng'oka'Tshaka. Bati inkosi yabe itanda ukuba laba esebe

amadoda baxabane babulalane, kumbe kungasala uMtonga, yena eng'owakwa'Nomantshali; yena eyabe imtanda kakulu. Ngoba kwakuti ngenye inkati, nga'mdhla inkosi itanda ukukuluma, itsho nje kwabanye, iti, inkosi ng'u-Mtonga, eyamzala is'iy'inkosi; abasibo abangaba amakosi laba ebazele ise ng'umuntu, ingakayidhli imiti yobukosi.

---

ISAHLUKO XXXII.  
AMAKOSAZANA KA'JAMA.

---

Inkosazana enkulu ka'Jama nguMkabayi, oyena emkulu kunawo onke, alandelwe nguMawa noMmama. Kungati laba bokugcina babe amawele. Kepa uMkabayi lo ng'uye omkulu kunabo bonke, noSenzangakona esemncane waka wapatelwa nguye uMkabayi umuzi wakwa'Zulu, uyena'nkosi kwa'Zulu kunoSenzangakona. Umuzi wake kus'e Baqulusini, umuzi wenkosazana. Kwati noma uSenzangakona es'ekulile, es'emnikile ukuba azipatele, noko kwaba ng'uye udade wabo lowo owab'ede emluleka ezindabeni eziningi zomuzi wakwa'Zulu. Kepa uMkabayi wabe evame ukuba nolaka, ebulala futi ku'bantu. Nanamhlanje umuzi was'eBaqulusini usemi ukona, namakosi akwa'Zulu abusa ngawo, awubekela izinduna zokuwupata.

Unyana wabo uMawa nguye os'ekade wawela kusabusa uMpande, wawelela lapa esiLungwini ngesici esitile esingaqondakali; wawela nabanye abatile bakwa'Zulu, indun'enkulu kwaku uMangena ka'Nokupata was'ema-Nkwanyaneni, owab'enesifunda sake kwa'Zulu. Wemuka qede uMangena abakwa'Zulu bamhaya igama lokuti:

"Sizwa bet'uMangena utwel'imbiza yamanzi.  
 Bamtshaya ngesiswepu esiswini,  
 Wagaqa laza latshon'ilanga.  
 'Zinkomo! Eya! He!  
 Azibutan'izwe lonke, us'etshilo."

Wafika waka lapa emVoti uMangena; inkosana yake kwaku uBobiana, owabe ebutwe Ekukanyeni ukufika kuka'Sobantu ngo 1856, etunywe nguKwini petsheya ukuz'a'kubonisa izwe las'eNatal, abe ngumBishopo wakona.

uMangena, kambe, wab'e ngomunye wabanumzana bakwa'Zulu ababaleka beza lapa esi'Lungwini ngezindaba zabo ezitile ezingayolile emBusweni. Ngoba baningi ababeti befika lapa babe besola, beti "bengibulawa, ngingone 'luto noluncane"; kanti umuntu lona ukuluma loko njalo, ub'eyisigangi esibi esigila imikuba emibi; omunye kanti uti "bekutiwa ngiyatakata" nje, nembala beku umtakati wezigodo ngoqobo. Anele ukufika ahlale lapa, siti singakabi side isikati efikile, aqale ukuyenza imikuba emibi axotshelwe yona. Akusizo zonke izikulu, akusibo bonke abanumzana, akusibo bonke abantukazana, ababaleka bezaubulawa bengena'cala; loku sesiyakwazi namuhla, ukuti, bonke labo babexotshwa yimikuba yabo emibi ngempela.

Pakati kwezikulu ezazifika lapa ziti zipunyuke zibulawa, aziziningi ezafika lapa zingena'sici. O Sogweba ka'Masekwana ka'Menyelwa wakwa'Ntuli, umfo wabo ka'Mbuzo, (owasala yena 'akile kwa'Zulu ngalapaya kwelas'eQudeni). Uze wafela konalapo eQudeni yena uMbuzo. Kodwa umne wabo oyena eyinkosi ka'Menyelwa, uSogweba, washiya ubukosi bake kwa'Zulu, ey'induna ka'Tulwana (intanga ka'Cetshwayo). Kuleyo'nkati kambe

wabe ungakaveli umbango omkulu wabaNtwana (1856). Siyabazi nje oDikida ka'Mgabatshe, naoMazungeni ka'Mtezuka wakwa'Kumalo; naoMadamu wakwaNtuli; naoKayana ka'Ziweweni wakwa'Mkize. Kodwa asikwazi abakubalekele kwa'Zulu.

### ISAHLUKO XXXIII.

### UKUFA KUKA'NANDI.

Ezindabeni zonke zakwa'Zulu aiko eyaka yaba'mbi, yaba'nkulu kunalena yokufa kwenkosikazi unina ka'Tshaka. Kutiwa kwat'uba ibikelwe inkosi ukuti seigodukile indhlovukazi, yapuma endhlini nesihlangu sayo, seivunule; yapuma qede yema pandhle, yasimisa pansi isihlangu sayo. Yema yatula yati nya; kwehla imvula yezinnyembezi kwaba ukupela. Kutule kwatula ilingoza, yezwakala kaloku, yadazuluka ngezwi elikulu, yati, "Maye ngomame!" Wo! kwezwakala isililo esikulu ku'bantu bonke lapo ekaya, bekala, beti, "Maye ngomame!" abanye beti "Maye, babo!" batsho kwazama-zama umuzi wonke. Kwakalwa kwaza kwasa.

Kwati ngangomuso kwaba esikulu isililo, abantu befika bevela ezindaweni zonke abeza esililweni. Nangalelo kwalilwa kwaza kwahlwa. Bheka-ke izwe lilikulu kangakaya! Kube yiloku kuse pansi abantu befika belila, kuze kusize yona inkosi ukuba ike yenza ikefu lokumemezela, itshela izinduna, ukuti, abantu ake batule bapumule kancane. Nembala-ke kuke kungati kuti lotololo isililo ngesikatshanyana; kubuye kuvuswe yimingenela yezifunda ezifikayo, abantu befika belila hememeza; bat

asebepelelewe yizinnyembezi, batele ugwayi emehlwani. Ngoba kwakukona izinhloli ezihambe zibheka abangapumi izinnyembezi, babulawe labo.

Kwema loko, kwaza kwadhlula izinnyanga, kulilwa njalo. Loku niyazi na'sekukwezweni kwsidumbi kwa-vela usizi olukulu impela, ngoba inkosikazi yaingembelwe yodwa, kwakufanele ukuba imbelwe nabantu, izinnecku zesilisa nezesifazana—labo abebhlala nayo, beyipa ukudhla nabebeiyandhlalela nabebeiyipekela—yambelwa nesizwe nje, abantu bembelwa bezwa, bengafle. Hai-ke ! kwaza kwangati kungaguquka unyaka, abantu bengasayi ezindhlini zabo, ofunyanwa elele endhlini yake, makafe nokufa; ngoba wenzelani ukuya'kulala kwake kusafwe na? Kupotulwe nini? Owesifazana ofunyenwe emiti, kafe nokufa kanye nomyeni wake.

Kute-ke mdhla sokupotulwa, indun'enku lu uNgomane ka'Mqomboli wamemezela kaloku emkunjini omkulu wabantu ababuteneyo, wati: "Yebo-ke namuhla izwe liyikalele Indhlovukazi, seiyakuba l'idhlozi elihle eliyakubonisa umuzi wakwa'Zulu. Bonk'abantu mababuyele emakaya kaloku, bazale; badhle amasi abo."

Bahlakazeka-ke bonke babuyela emapandhlensi. Kwafika isikati sokulima; kwalinywa njengas'emyaykeni. Kwavutwa ukudhla. Safika isikati sokutshwama; kwaba njengeminyaka eseyadhlula.

Bonke abasinda kuleso'sipitipiti kambe bazibonga impela; ngoba umuntu wabe eqabuka efa nje engazi'luto, engone'luto noluncu. Kwakuya ngenhlanhla nje kulowo osabhekwe elakubo.

ISAHLUKO XXXIV.  
IMIZI YAKWA'ZULU.

Nanka amabizo emizi yakwa'Zulu:—kwa'Nobamba, eSiklebheni, kwa'Bulawayo, (kwa'Gibixegu), Embelebeleni, kwa'Dukuza, kwa'Kangelamankengane, Ekuketeke-teni neminye engingayiqondi kahle. Lowo wakwa'Nobamba ng'okaSenzangakona kanye nowas'eSiklebheni. Owakwa'Bulawayo lo watatwa ku'Mzilikazi ka'Matshobana wakwa'Kumalo, owaxotshwa ng'uTshaka, wabaleka waya le enhla ngas'eMashona. Leli lokuti kukwawa'yibegu kutshiwo yena uMzilikazi, kuse yiwo owakwa'Bulawayo lowo, njengoba nas'eMashona lapa usabizwa ngalo elakwa'Bulawayo. Owakwa'Dukuza nowakwa'Kangelamankengane ng'eka'Tshaka. Lo owakwa'Dukuza wabe wakile lapa eBhodwe (*Port Natal*), osekubizwa kutiwa *Stranger* namuhla, kona kulowo'muzi ngempela. Wabe ul'igugu ku'mniniwo lowo'muzi, kulapa abafu wabo bambulalela kona, (njengoba nizakufika lapa ngenzansi niyizwe leyo'ndaba). Lo wakwa'Kangela wabe wakile ngalapa eSouth Coast Junction lapa sebeti "*Congella*." Basayibiza ngalo elidala elaqanjwa ng'uTshaka. Leli lokuti "Kangela" kambe, wabe etsho elokuti, lo'muzi wakelwe ukukangela amankengane. Inkengane elali-hlupa kakulu inkosi labe linguMnini inkosi yas'ema-Tulini. Nguye owahlupa kakulu inkosi ngokungavumi ukuba adhliwe izinkomo zake. AmaTuli kambe ati uba abone ukuti imbube isondele, izekupanga izinkomo zawo, azitata azingenisa otungulwini, alihamba lonke leliya leSibubulungu, afuna izindawo ezelungele ukufihla izi-

nkomo. Nango-ke uTshaka es'ewaka lo'muzi, wawu-qamba ng'elokuti "kukwa'Kangel'amankengane." Kepa amaTuli anqaba nazo izinkomo zawo aze apeta. Yibo kupela abas'emaTulini abangabonange bepangwa izinkomo zabo ng'uTshaka.

Umsebenzi omkulu owabe wenziwa ng'uTshaka inxa ekulowo'muzi, kwaku owokuba azinge evuka kusasa aye elwandhle, ayobuka amaza olwandhle. Kut'uba kufikwe lapo, kutiwe akube yilovo aponse induku yake, kona kuzaubonakala umtakati; ngoba eyomtakati aisayikupinda ibuye. Lowo-ke, o'nduku yake ingabuyanga uza-kufela kona-lapo, kutiwe uyatakata. Okuqinisileyo ngamanzi, kambe, yiloku: Inxa umuntu efelwe ngowakubo, noma umkake, unina, uyise, inngane yake kumbe umhlobo wegazi lake, angeke amshiye amanzi, azakumtata. Ngaloko-ke inxa umuntu efelwe ngokunjalo, akukuhle ukuba asondele emanzini agcweleyo, noma engagcwele inxa kus'esizibeni.

Elwandhle lapo kulapa uTshaka watata kona umkuba wokubamba kwamabuto, inxa es'ewaqata empini; wakutata loko, ebonela kuwo amadhlambi olwandhle ukwenza kwavo. Yonke immini ende kwakuyiwa lapo kuyobukwa kona loko; kuhanjwe nokudhla okuyaudhlelwa elwandhle, kubukwe yonke imikuba eyenziwa amagagasi olwandhle.

Kuleyo'nkati uTshaka wab'es'e yinkosi yalo lonke elingenzansi kwe*Africa*, kungaseko neyodwa inkosi engabe isamtinta. Nalapo eTekwini njalo wab'es'e nabelungu bake ababevele ngas'e*Capetown*, ababekunye nabo laba o*Fynn* nao*Ogle* nabanye. Ubukosi bake basebugcwele bupupuma embengeni, ebusa ngokungabonange kubuswa

ng'uSenzangakona uyise, noJama uyisemkulu, noNdaba uyisemkulu ka'yise, noPunga ukuko wake, noMageba uyisemkulu ka'yisemkulu, noNkosinkulu ong'ukoko wao-uisemkulu benoNtombela noMalandela.

Wabe uqala ukuze ubekona umbuso ongako wokuhlanganisa izwe lonke las'e*South Africa* ube pansi kwa'munye njengalowo ka'Tshaka. Kungaloko-ke abantu bonke babizwa kwatiwa ng'abakwa'Zulu. Noko babekona abay'ningcozana ababesaloku becabanga ukuvusa umhlwenga; kuti loko'kuvusa umhlwenga wabo labo kubuye kuguquke kube ukuzisola masinyane. Amabuto lawa ay'eti angabutwa aqede izwe, ibuto lilinye lakwa'Zulu. Munye zwi umuntu owabe ehlakanipile—uSobhuza—owat'uba abone konke loko, walala pansi, wakonza ngolimi kwa'Zulu, walungisa imigede yokubalekela. Owe-sibili kwaku ng'uMakasana, inkosi yakwa'Tembe; owati uba akuzwe loko, walala pansi, wazikonzela ngolimi; wapenduka isisebenzi sakwa'Zulu, sokucupa izinsimba nokubulala izintshe, nezindhlovu. Kutwalwe izimpundo zazo, nezimpape zentshe, nezikumba zensimba nezemintini; kubulawe nendwa lena, kukunyulwe izimpape zayo. Kuyokonzwa ngako konke loko kwa'Zulu. Kwati pezu kwako konke loko, amaTonga ehlakanipile, asebenza ngamandhla, azifunela imiti, yokuba kuze kuti umuntu angawapata kabi, azipindisele ngokumlumba, afe masinyane.

Ngako loko-ke uZulu wahlasela kabilo, katatu kwa'Tembe, edhla izinkomo; kwati ukugcina amaTonga abona ukuti kuhlaselwa ngoba kuzofunwa izinkomo, agcina ngokuziyeka okwokupela, azifuyela izinkuku ku-pela, azilimela izilimo zodwa, umbila namantongomane,

nokunye konke okudhliwayo. Latula ngaloko elakwa-  
"Tembe bengasahlaselwa, babulawele ize.

ISAHLUKO XXXV.  
UKUHLASELA KUKA'TSHAKA KWA'NYUSWA.

Loku'kuhlasel a kuka'Tshaka kwa'Nyuswa kwakungesiko ukuhlasela ngempela, kwaku ukucunuka kwenkosi nje, ngoba inkos'enku yamaNgcobo onke, uMapoloba ka'Mbhele, wabe ezele amadodana amabili, uSirayo noMgabi. Kute mzuku kufa uyise babanga. Kepa-ke amaNgcobo lawa abe emaningi, enezifunda eziningi. Kukona esakomkulu esibizwa kutiwa ng'uNyuswa, nesas'esizindeni esibizwa kutiwa ng'uNgongoma.

Lowo'mbang o wabantwana baka'Mapoloba, kambe, waba mkulu kakulu; at'ukusuka amaQadi, eyona'ndhlu enku yamaNgcobo, ngokwelamana kwabo, kanye nabaka'Tayi, bomuzi was'emaLangeni, nabas'esizindeni bomuzi ka'Mavela, bahlangana bonke bavuna uSirayo, ong'ommu omkulu ka'Mapoloba was'Enkumbeni, bamlahla ngaloko uMgabi kanyekanye, babeka uSirayo. Kwasokuzwakala lowo'msindo ku'Tshaka, wayihlomisa, eti uyalakulamula. Kepa amaNgcobo abe engalwi, abe ebanga ku ukupela. Ku'mdhla kuvela lezo'zibongo-ke zika'Tshaka, zokuti:

"Okangele enzansi namaDungele,  
Inkom o zaoSirayo zamlandela;  
Kwaze kwalandela nezaoMafongosi,  
Ebejisengwa yindiki yakwa'Mavela,  
Kwakungabangwa'luto ngakwa'Nyuswa;  
Kwakubangw'izinhlakuva s'emanxiweni:  
Beti 'Ntete, ntete, zilinden i amajwabu."

Kutshiwo ngoba kwakungeko'nkomo ezibangwayo. Iqamuka lapo-ke inhlamba yokuti "kwakubangwa izinhlakuva emanxiweni."

AmaDungele lawa kutshiwo amaDunge. Leli lokuti "Inkom o zaoSirayo zamlandela; kwaze kwalandela nezaoMafongosi, ebejisengwa yindiki yakwa'Mavela"; kuse iyo inhlamba njalo. Inkosi yakwa'Ngongoma uBhofungane ka'Mavela, inkosi yomuzi was'esizindeni, wazala uMafongosi, uMafongosi wazala uSipandhla, uyise ka'Mbozane osand'ukutshona. uMavela ng'oka'Matshiza, ka'Ndaba, ka'Nombhika, ka'Gasela, ka'Ngcobo, iyona'nkosi enku yamaNgcobo, emzini was'esizindeni, ekunye noXonxo, owazala uSanimuse, owazala uMdunane, owazala uDindi, owazala uSokebi, owazala uDhlomo, owazala uNonyanda, owazala uMaraule, owazala uMadhlenya, owazala uHemu-hemu, owazala uLangalake. Laba-ke baka'Langalake sebahlukanis wa ngokubizwa kutiwa amaFuze, bati laba baka'Mbozane kutiwe amaNgongoma; inganti zi amaNgongoma zoibili lezi'zifunda. Leli-ke lokuti 'amaFuze," kutshiwo njalo kuzo zonke izifunda zika'Ngcobo, kutiwa "amaFuze," kodwa kakulu lapa esizindeni, ngoba pela ng'umuzi owasala emuva ka'Ngcobo.

Lesi'sizwe (amaNgcobo) siyezwana, siyazana futi. Noma sezizingi kangaka nje, kuyaziwa yibo bonke, ukuti, uMqed i ka'Deliweyo, ongumzukulwana ka' Dubuyana ka'Sirayo ka'Mapoloba, uyena yedwa oyinkosi yawo onke epela; ngitsho namaTshangase nawo ayakwazi ukuti inkosi yawo nguMqed i kupela. Ukwahlukanis wa kwesifunda sas'endhlunkulu ka'Ngcobo kutiwa "amaNyuswa;" emva kwaso kube "amaQadi;" ati "amaNgongoma" abe isizinda. Laba-ke bomuzi was'eMala-

ngeni asebepetwe uMadoda ka'Bhacela ka'Tondolozi ka'Tayi ka'Bhebhe, ba umuzi nje ka'Mapoloba ka'Mbhele, abahlukaniswe nga'luto endhlunkulu, nakuba kungati seahlukile namuhla.

Namhlanje-ke sekwenezezelwe izifunda ezinye kwa'Ngcobo, osongati ziyizifunda ezizimele ngokwazo, inganti qa! akunjalo, banye bonke, inkosi yabo nguMqed ka'Deliweyo bonke. Kukona abas'eMgangeni baka'Kadupi ka'Nomazocwana ka'Ndela; nabaka'Ngada ka'Velemsutu, ababizwa kutiwa amaNgati, bendhlu yokugcina ka'Mapoloba; nabaka'Swaimane ka'Zipuku ka'Sinqila, umntwana wenkosi ka'Mapoloba; nabaka'Sotobe ka'Dikwayo, oseloku (uDikwayo) wabe ebanga noDubuyana, namhlanje us'ezipatele isifunda sake njengabanye; namaTshangase-ke, isifunda sika'Mketshane, owelama uNgcobo ku'yise nonina.

Sikud'isizwe samaNyuswa namaNgcobo:

Sipikisene noZulu,

Siyakubati-ko!

Indhlovu ipuz'amanz'abilayo.

Nanamhlanje uNgcobo wanda mihla yonke. Asazi lapa eyakugcina kona.

---

ISAHLUKO XXXVI.

EZIS'ENNCWADINI.

---

Namhlanje ngizakunilandisa izindaba engizitata enncwadini ka'Sobantu (IZINDABA ZAS'ENATAL, p. lxxxi.), epete izindaba ezindala.

"1. Iminyaka sei'makulu'matatu namashumi ay'isikombisa (Sept. 14, 1487," utatela ku 1856 ukucindezelwa kwayo), "kwafika abalungu, benemikunjana e'mibili, esi-

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*  
 qingini esitile esincinyane, enzansi neAfrica: leyo'mikunjana yais'ihlele amanzi, is'i'midala. Bapuma abantu, bejabula ukuba bezaupumula isikatshana, bengas'ezi'kushukunyiswa amaza agubhayo alolo'lwandhle olukulu, oluhlanza amacala as'enzansi as'eAfrica. Kepa kwakukona into ababetanda ukuyipumela kulesi'siqingi kunkupumula. Kuleyo'ndawo induna yabo yafika yenza umfanekiso ofana esipambano, yaw'enza ngomuti. Laba'abantu b'ezo ngaleso'sikati, b'ezo'kukuleka ku'Nkulunkulu beguqa pansi kwalowo'mfanekiso ofana nesipambano, badhle ukudhla kwenKosi yetu uJesu-Kristo, bakulumisane ngas'emva kwaloko, baqinise ukuhamba kwabo. Leyo'nduna, igama layo, uDiaz, yaipume ezweni labalungu las'ePortugal, ilinga ukuya ezweni las'eIndia. Leso'siqingana sipakati kwalelo'cweba, okutiwa namhlanje *Algoa Bay*. Basebeyidhlulile inhlonhlo edumileyo, es'enzansi neAfrica, bengayiboni, bekude nezwe.

"2. Bati uma bafike osebeni, bati, baza'upuma nje, betanda ukuba bake babonisise kahle ukwenza kwabo, sebekatele ukuhamba, abaningi sebetanda ukubuyela emuva. Inningi labo laselibuyela emuva. Kepa uDiaz, induna yabo, w'ala impela, wapika. Kepa engebahlule ukutanda kwabo, wati kubo, "Bhekani! ake sihambele pambili izinsuku zibe ntatu futi; kepa uma kuze kudhlule lezo'nsuku, singakayizwa indaba yas'eIndia, nami sengiyakunivumela sibuyele emuva." Babuma; badhlulela pambili ngalezo'zinsuku ezintatu Bafika emfuleni omkulu, okutiwa namhlanje *Great Fish River*. Babona abantu abang'aziyo, abangebalandise

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*

izindaba zas'eIndia, bengena'kuyikomba indhlela eya kona. Wadabuka kakulu *uDiaz*, es'eyeka leyo'ndhlela ahamba ngayo emanzini; wabuyela kanye nabantu bake kuleso'siqingane, wafika wasigona isipambano, wakalela pezu kwaso, wati, "Kungatiti ngishiya indodana yami." Bati sebebuyela emuva, babona inhlhonlo leyo edumileyo, ati kuyona *uDiaz* "inhlonlo yezipopo!" (*Cape of Storms*); kepa inkosi yake yati "Ai-ke! inhlhonlo yokutemba!" (*Cape of Good Hope*).

"3. Kwadhlula iminyaka e'mashumi; kwafika enye induna yemikumbi, ibizo layo *uDegama*. Yagudhla icala elingenzansi las'eAfrica, iqonde ukuya eIndia nayo. Wati *uDegama*, esagudhla, ngosuku lokuzalwa kwenKosi yetu, uJesu-Kristo, wabona izwe elihle eliluhlaza, waliqamba igama, wati *iNatal*, ukuti izwe lokuzalwa. Na namhlanje abalungu batsho njalo kulona, bati, *iNatal*; kepa abantu abamnyama bati iBhotwe.

"Kwaza kwadhlula isikati eside, abantu bas'eEurope bengab'azi abantu balezi'zindawo, bengakahlali kuzona. Imikumbi yonke, ukuya kwayo eIndia, yaizinge idhlula leyo'nhlonlo; abantu bayo b'ehlele osebeni, batenge izinto ku'bantu bakona. Labo'bantu kwaku amaLau nje. Kwati ngesinye isikati induna etile yenkosi yas'ePortugal, yalinga ukwenza umzana ngabantu abay'incozana, eduze nenhlhonlo. Kepa abantu bakona bayibulala, nabantu bayo aba'mashumi ay'isikombisa nesihlanu, ngemicibitshele enobuhlungu, babaxotsha abanye.

"4. Kwati ngesinye isikati (1620) kwafika imikumbi yokulwa yamaNgisi. Izinduna zayo zabanga lelo'lizwe

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*

lonke egameni lenkosi yas'eEngland; ngokuba [amaNgisi] ay'es'ezwile ukuba amaBhunu azakulibanga masinyane nawo. Kepa inkosi yas'eEngland yakudelela loko'kwenza ngaleso'sikati, kayenza'luto lokuqinisa ngalelo'zwe. Kwaza kwadhlula iminyaka e'mashumi'matatu nambili futi; afika (1652) amaBhunu, evela ezweni lakubo okutiwa *iHolland*; 'aka umuzi emacaleni alelo'cweba, esiti kulo namhlanje, *Table Bay*. Kuleyo'ndawo manje kukona umuzi omkulu wamaNgisi, owas'eCapetown. AmaBhunu abusa lelo'zwe iminyaka ey'ikulu namashumi'mahlanu nane. Wanda ngemihla yonke umbuso wawo. Izwe lalilikulu, kwaku elamaLau: amaBhunu alidhla, adhla abantu balo. Kepa emva kwaloko (1806) amaNgisi alwa namaBhunu, awudhla lowo'muzi was'eCapetown, nezwe lonke lamaBhunu, enzansi neAfrica. Iminyaka sei'mashumi'mahlanu (utatela kwa'mhla kubhalwa le'ncnwadi, 1856), laqala ukubuswa amaNgisi.

"5. Manje kukona amazwe amatatu kulezo'zindawo, abuswa inkosikazi uVictoria\* nemizi yawo emikulu e'mitatu. Lawo'mazwe amatatu kutiwa amagama awo, izwe las'entshonalanga (*Western Province*), nezwe las'e-mpumalanga (*Eastern Province*) neNatal. Imizi yawo emikulu, amagama ayo, kutiwa *iCapetown*, *neGrahamstown* (*iHini*), *neMaritzburg* (*unGungundhlovu*). Lawo'mazwe omabili, elas'entshonalanga nelas'empumalanga, abuswa manje, egameni lenkosikazi uVictoria† yileyo'nduna edumileyo (*Sir George Grey*), eyaka yeza ihambele kuleli'zwe las'eNatal, yati ake iketelwe ibone ukusina

\*Osek uKing George V. namuhla.

†Lenkosi uKing George V.

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*

kwabamnyama. uNgoza wamema isizwe sake ngas'e-mKambatini.\*

"Umuzi omkulu was'eCapetown, umuzi ongas'e-lwandhle, onezindhlu ezinningi ezinhle nabantu abaningi bezizwe ngezizwe. Kepa inningi labo abalungu, amaNgisi namaBhunu. Ezweni lonke las'entshonalanga nelas empumalanga, kwake amaNgisi namaBhunu; kukona abantu bezizwe futi, abampofwana, nabamnyama. Labo'bantu abampofwana, inningi labo, amaLau. Kepa kasakwazi ukukuluma kwakubo; as'ekuluma ngolimi lwamaBhunu. Loko kwaya ngoba bakonza amaBhunu isikati eside, bedhliwe yiwo. Yingaloko-ke basahlezi, inningi, labo, eduze neCapetown na s'ezweni las'entshonalanga, lapo kwakuhlezi kuqala inningi lamaBhunu, namanje lisahlezi kona.

"6. Kepa labo'bantu bonke sebekululiwe esibopweni samaBhunu: aitandi inkosikazi yamaNgisi ukuba kube kona emazweni onke ayo abantu abatengiweyo; izala impela ukuba kwenzeke into enjalo; yati, abakululwe bonke abapetwe ngokunjalo abantu bayo; yati, 'oyakwenza okunjalo, kuko atumbe umuntu, kuko atenge umuntu, kuko atengise ngaye, emazweni onke ami, uykuba necala elikulu kumina, izinduna zami ezinkulu zimfake eTilongweni, zimtshaye kakulu. As'azi lapo adabuka kona amaLau. Ukufika kwamaBhunu kuqala, bawafumana amaLau ehlezi ezweni lonke elikulu elingas'enhlonhlweni. Ngaleso'sikati amaBhunu kaz'ababona abantu abamnyama; y'ingokuba bab'ake ngas'e-

\*Namhla abuswa ng'umzukulwana ka'Queen Victoria uDuke of Connaught.

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*

mpumalanga. Kepa l'anda izwe lamaBhunu, adhlulela ngas'empumalanga; afika ku'bantu baka'Ngqika. Kepa, mhla amaNgisi efikayo, alidhla lelo'zwe lamaBhunu, ahlangana naleyo'nkosi emnyama, 'ahlukana ngalowo'mfula omkulu, uDiaz afika kuwona, okutiwa ku'maNgisi, *Great Fish River*.

"7. Kepa abantu bamakosi amanye amnyama b'enza kabi. Bawela lowo'mfula, baya'kweba izinkomo namashishi abalungu; kwavuk'ukulwa. Kwamenya impi yamaNgisi neyamaBhunu, yahlasela kulawo'makosi, yazidhla izinkomo zawo, ziy'izinkulungwane ezi'mashumi'mane nantatu. Abamnyama bahlasela bepindisa, bawadhlha amanye amazwe nezinto zabalungu. Kwapela ukulwa (1819); kwaxotshwa abamnyama; umkaulo wezwe lenkosikazi uVictoria wadhluliselwa pambili, kwomunye umfula (*Keiskamina*).

"Kwanga kuyatula iminyaka yaza yaba ishumi nesihlanu. Kwabuya kwavuk'ukulwa (Dec. 21, 1834). Amakosi atile abamnyama, uMakomo nomHala, ahlanganisa impi yawo; ahlasela ngokuzuma; adhla izinkomo zabalungu, atshisa izindhlu, abulala abantu, elulekwa uHinza, inkosi enkulu yamaXosa, kepa way'engeko uqobo lwake. Kwamenya impi yamaNgisi futi; baxotshwa abamnyama; uHinza wazinika amaNgisi; kepa w'eqa, wabaleka; baputuma, bamtshaya ngesibhamu, wafa. Kwapel'ukulwa; umkaulo wezwe lenkosikazi uVictoria wadhluliselwa pambili futi kwomunye umfula (*Kei*).

"8. Ngaleso'sikati abantu bonke, okutiwa amaFengu, ababevele ezweni las'eNatal, becitwe uTshaka, baya

*Ezis'enncwadini Izindaba zas'eNatal.*

batolwa kwa'Hinza, baba abafokazana bake, labo'bantu bonke, kwati uma batolwe amaNgisi, bakululeka ku'Hinza. Yilapo-ke lapa kwaqala kona ukuba uSontseu ka'Sonzica, amiswe abuse labo'bantu aba'maFengu, alungise izinto zabo. Wabusa kahle pakati kwaleyo'misebenzi anikwa yona; waqala lapo-ke ukusebenza ngomusa na ngokuhlanipa pakati kwabantu abamnyama.

"Labuya latula iminyaka yaza yaba ishumi. Kwavuka ukulwa kwobutatu (Feb. 1846). uMakomo way'es'ahlulekile, wazinika amaNgisi: kepa uZandile, indodana yake, oway'ebusa isizwe samaXosa, wavusa ukulwa. Kwamenywa impi yamaNgisi futi; kwalwiwa ngesikati; uZandile wahluleka, waza wazinika amaNgisi: noPato futi, inkosi enye yamaXosa, oway'eye ku'Sihili, indodana ka'Hinza, etanda ukuzifihla kona, kepa kw'aleka loko, wabuya wazinika amaNgisi. Kwapela ukulwa: kwatula isikati.

"9. Kwadhlula iminyaka yaba'mitatu. Kwavuka futi ukulwa ngokwobune (Dec. 24, 1851). Kubi loko'kwenza impela: ngabehlezi kahle-ke abantu abamnyama, bebusa izinto zabo, bengafisi izinto zabanye, b'ande ekwazini konke kwabalungu, na s'ekulungeni konke okufanele abantu baka'Nkulunkulu. Katandi uBaba uNkulunkulu ukuba kube kona ukulwa okunjalo: nabo bonke abalungu, abatanda izizwe ezimnyama, bayadabuka uma b'ezwa loko,—b'azi ukuba abamnyama b'enza ngokung'azi amandhla amaNgisi, nomusa wenkosikazi futi—uVictoria—b'azi ukuba noko ngesikatshana, uma belwa ngokuzuma, bang'enza izinto zosizi ezinye, zokudhla izinkomo, nezo-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

kutshisa izindhlu, nezokubulala abantwana nesifazana, kepa ngas'emva kwaloko ifike impi yenkosikazi, inamandhla okubulala, inamabuto, nezibhamu, nombhaimbhai, iqinise ngokubatshaya ngecalalabo. Kwaba njalo-ke nakuleso'sizwe samaXosa. S'ahlulwa futi yimpi yamaNgisi; kwabulawa abantu baso, kwadhlwa izinkomo zaso; kwacitwa izwe laso. Inkosikazi yasal'is'ibani kaizwana elinye elitsha elincinyane. Konke loko kwenzeka ngobuula bwabo.

"10. Kepa manje sokwadhlula konke loko: sesaciteka isizwe sonke leso samaXosa. Kw'esuka intombazana etile emaXoseni, uNongqautshe ibizo layo, yati: "Aku-dhliwe amabele onke masinyane, kuhlatshwe izinkomo zonke; ongayikukwenza loko uyakwehlelwa isiga. Ngokuba kuza'uti, ngas'emva kwako konke loko, kuvuke izinkomo ezinye kunalezi, kuvele amabele amanangi kunalawa, kuvuke umbuso omkulu pakati kwamaXosa. Ngitunyiwe ubanibani: utize, angimemezele loko azakukwenza." Kwaba njalo-ke pakati kwamaXosa; b'enzo njalo. Bawadhla amabele, bazidhla izinkomo; kwati abanamaningi bawatshisa, nabafuye kakulu bazidebezela pansi izinkomo; kwadhlwa, kwapangwa. Ukupela kwo-kwenza kwabantu abay'iziula abatemba ize, ngas'emva kwaloko bafa indhlala enzima, bafa isilisa nesifazana nabantwana. Kwafika emizini yabalungu abanangi bakulabo'bantu, befuna ukudhla nokusebenza, sebezace befile, sokubalwa izimbambo kubona. Kepa ezindhleleni kwafa abanangi, sebepelelwe amandhla okuhamba. Kwabonwa izidikadika zejidumbu ezindaweni zonke, zidhliwe izimpisi namanje.

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"11. Kwati ngosizi olunjalo kwakukona amadoda amabili, enabafazi nabantwana. Sekupele ukudhla konke kwawo, sebebheke okuzayo ngokutsho kwentombazana, lawo'madoda akalelwa abantwana bawo, befa indhlala. Ngaloko lawo'madoda aba nomhau, atata omese, azinuma, afa. Futi kwafika abantu ku'Somtseu, abavela kulelo'zwe, bamxoxela indaba, bati: 'Ngobuula obunzima bas'emaXoseni, kwati amadoda amabili atata abantwana bawo, aya'kutenga ngabo abanye abantwana; bababulala, babadhla, ngokuba babengatandi ukudhla abantwana babo.' Kute ngas'emva kwaloko kw'ezwakala okunye futi kwosizi njalo, kutiwa: 'Kwakuhambele omunye umuntu ka'Somtseu, ehambela emaXoseni, wafika wabona usizi lwano; eti kumbe angatola umntwana, wafumana indoda, wati, 'Unomntwana na ?' Yalandula leyo'ndoda, yati, 'Kodwa uma uya kule'ndhlu, nga uyakutola umntwana es'ezwa. Wangena lowo'muntu, wafumana umntwana womfana, ebotshelwe ensiken, es'ezacile, sokubambele ngomxwele, engadhli'luto soku amasuku atile: ngokuba onina babemshiyile, behambe nabantwana abazihambelayo, nabancinyane ababeletwego; kepa lowo'mfana way'engakaqinisi ukuhamba, engebeletwe futi. Bambopa b'enzela ukuba angabalandeli, abakalele, beti uzakufa. Kepa lowo'muntu ka'Somtseu wamtukulula, wahamba naye, wamondhla; wafika naye, wahlala lapa emzini ka'Ngoza enKonzweni; kungatiti usekona kalku.' Manje labo'bantu bas'emaXoseni sebaciteka, sebehamba pansi.

"12. Ngas'empumalanga kwamaXosa kw'ake isizwe

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

samaMpondo; uFaku inkosi yakona. Izwe las'eNatal lenkosikazi liqale ngomZimkulu, laya lakaula o'Tukela ngas'elwandhle. Petsheya kwoTukela izwe lamaZulu; inkosi yakona uMpande ka'Senzangakona. UmZimkulu noTukela y'ingas'ebubanzini bezwe las'eNatal; ulwandhle noKahlamba ingas'ebudeni balo. Kepa enhla ngas'entshonalanga liye lakaula ngezintaba zoKahlamba. Kuleyo'mikaulo emine kumi izwe laki ti las'eNatal. Lelo'lizwe lonke l'ahlukaniswe amazwe amakulu ay'isitupa, okutiwa, *Counties*; amagama awo, *County of Maritzburg, County of Durban, County of Victoria, County of Umtata, County of Weenen, County of Klip River*. Umuzi omkulu walo umGungundhlovu (*Maritzburg*), lapo kukona uHulumeni: owesibili, is'eTekwini (*Durban*), lapo kukona icweba lokungena imikumbi. Kepa kukona neminye imizi, ePinetown, nas'eMnambiti (*Ladysmith*), nas'eLova (*Richmond*), nas'emGungundhlovwana (*Greytown*), enhla nomVoti, nas'em'Tshezi (*Estcourt*), nakwa'Nobamba (*Weenen*), nas'o'Tukela enhla nalo (*Colenso*), nas'emDhloti (*Verulam*), nas'emHlali, neminye ke imizana. Kukona futi umuzi wabamnyama enzansi nomVoti, abafundiswa uAlden-Grout; nomunye futi enhla nomSunduze, abantu bawo bafundiswa uMneli; nomunye futi owas'ema-Nzimtoti, abantu bawo bafundiswa uLudi.

"Izwe leli laki lihle impela. Linotshani obuningi obulingene ukudhliwa y'izinkomo, namahashi, nezimvu; futi linotshani obunye obudepileyo, bokufulela izindhlu; linemiti eluhlaza, nembali, namanzi amaningi. Siyabona ngaloko ukuba uBaba wetu usilungisele izinto zonke,

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ukuba sihlale kahle kuzona. Kukona imifula nemifulana eminingi; amagama ayo, umZimkulu, nomTwalume, neFafa, nomZinto, nomPambanyoni, namaHlongwa, nomKomazi, noLovu, namaNzimtoti, nezimBokondo, nomLazi, nesiPingo, nomHlatuzana, nomBilo, nomSunduze, nomNgeni, nomQeku, nomZinyati, noBubwane, noHlange, nomDhloti, noTongati, nomHlali, nomVoti, neNonoti, noTukela, nemPafane, neminye imifula engabwanga.

ISAHLUKO XXXVII.  
IZINDABA ZIKA'TSHAKA.  
(Ngokutsho kwabelungu).

"12. Manje asilande izindaba zas'eNatal. Soku-dhlule iminyaka e'mashumi ay'isikombisa azalwa u'Tshaka (1787) [utatela onyakeni okwabhalwa ngayo le'nncwadi, 1856]. Uyise uSenzangakona oka'Jama; uJama oka'Ndaba; uNdaba oka'Mageba; uMageba oka'Punga. uSenzangakona way'e nabafazi nabantwana abanini. Kepa u'Tshaka ese umfana way'ehlala kwoninalume nonina uNandi, kwa'Mtetwa.\* Wabeka uNgomane, induna yaleso'sizwe sakwa'Mtetwa, wati uyise. Wafa uSenzangakona. uDingiswayo inkosi yakwa'Mtetwa yamyisa u'Tshaka, es'e neminyaka e'mashumi'matatu, ukuba angene ebukosini bakubo abuse uZulu. Abanini besizwe sakwa'Mtetwa bahlangana naye, bamkonza, bannengwa ukuba ab'elekelele, alwe nesizwe esinye abalwa

\*Way'ehlala kwoninalume eLangeni.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

naso.\* Wavuma, wamema impi, wahlasela kuleso'sizwe, wabulala inkosi yaso; abantu bayo babuyela ngakuyena u'Tshaka. Loko ukuqala kwokuba 'enze umsebenzi wokulwa nezizwe zonke. Wahlasela kuzo, wawabula amakosi azo, nabantu abanini bazo. Kwati abaseleyo babuyela ngakuyena; wabanika izindawo zokuhlala njengokutanda kwake. W'enza njalo-ke iminyaka yaza yabaositupa. W'anda ngemihla yonke umbuso wake, izizwe zonke zalezo'zindawo z'ezwa amandhla ake. Kwabulawa abanini, kwatunjwa abanini, kwabaleka abanini, beshiya izwe lakubo, befuna izindawo zokusitela, bahlala ezintabeni, emihumeni nas'ezikunjini, nas'emahlatini, ize ipume ibuye impi; ngas'emva kwaloko babuyele emakaya, bahlale bapumule isikatshana.

"13. u'Tshaka way'e namabuto ay'izinkulungwane eziy'ishumi nesihlanu, alungiselwe ngezikati zonke, ehlo-mele ukulwa. Way'ew'ahlukanisa ngemibala yezihlangu. Wafika nokwesibindi, wati empini: 'Kungaponswa itala; gwazani amahlanze, niti ngadhla.' Nanti ihubo lama-buto ake, lokuti:

"Waqedaqede izizwe!  
"Uyakuhlasela-pi na?  
"He! uyakuhlasela-pi na?  
"Wahlula amakosi!  
"Uyakuhlasela-pi na?  
"Waqedaqeda izizwe!  
"Uyakuhlasela-pi na?  
"He! He! He!  
"Uyakuhlasela-pi na?

\*sakwa'Ndwandwe.

"Way'e namakanda okuhlala amabuto; yilawa amaga ma awo, yis'esi Repeni, nakwa'Nobamba, nakwa'Bula-wayo, nas'emBelebeleni, nakwa'Dukuza; kepa angiwagedi. Umuzi wakwa'Dukuza wawakiwe pakati kwaleli'zwe las'eNatal, kwasoku elake, ngas'emVoti, enzansi kwelakwa'Mapumulo. Wahlalahlala kona ekupeleni kwokubusa kwake, abantu bembonga, bemkulekela, beti: "Uy'isilo! Uy'ingwe! Uy'ingonyama! Uy'indhlo-dhlo! Uy'indhlovu! Ungangezintaba ezinde, oMpehlela naoMaqwakazi! Wena u mnyama! Wena wakula belibe! Sixokolo esing'amatshe as'enKandhla, apezela izindhlovu lipendule! Lembe eleqa amanye amalembe ngokukalipa! Nodum'ehlezi ka'Menzi! Sidhlukula dhlwedhlwe; Siyadhla! Sidhlondhlobele! Sibeke isihlangu emadolweni!"

"14. Kepa uTshaka way'e umuntu ongena'mhau, onesibindi. Kwakukona umlungu otile (*Isaacs*), oway'e-hambele kuyena, oyena aloba le'ndaba, wati: 'Kwati sisahlezi kona, kwadhlula amabuto amanangi, azing'eya komkulu, abuye 'emuke. Igama lalowo'muzi lalisand'u-kupendulwa, kwatiwa is'emBulawo, ngokuba inkosi yayi-qed'ukuti, akubulawe ibandhla lebuto elitile lonke, nabafazi, nabantwana, eti, b'amagwala. Bab'ahlulwe empini, noko bebelwe ngokwesibindi, b'ahluleka ubuningi nokwazi kwezizwe, babaleka.'

"Ngesinye isikati, lowo'mlungu, uqobo Iwake, way'e-kona, wabona ngamehlo abafanyana namantombazanyana bey'ikulu namashumi ay'isikombisa, babulawa ngento etile angay'aziyo lowo'mlungu. Yileyo-ke indaba yaloko-

"kwenza okubi. 'Kwaba usizi impela ukubona labo'bantwana b'etuka, b'esaba, behaqwe abantu, b'emi pambi kwenkosi, b'azi ukuba baza'utshaywa ngolaka ngecalalabo. uTshaka waqala wakipa abafana abahle abatile, wati ku'bane wabo, 'B'apuleni izintamo!' Wati, 'Susani izidumbu, niziponse ngapandhle, nibabulalisise ngezinduku.' Ngas'emva kwaloko wati, ababulawebonke. Bazinge bebulawa ngabanye, abaza bakala labo'bantwana; bapuma nje, kwangatiti b'ezwa ukuba b'ez'a'ususwa osizini, baye ekupumuleni. Kwasweleka isikati eside sokuqedala loko konke. Kwati ngangomuso kusasa ngavuswa y'izwi lomuntu ekala ngas'emva kwendhluyami, bentshaya ekanda, bemhola, b'eya'kumbulala. Kwabuya kwati emmini kwatatwa umdhlu'nkulu wambili nenduna; bapunyeswa ekaya, bayakubulawa. Kusihlwa inkosi yasina nabantu bayo.

"15. Kwati esabusa uTshaka kwafika uMbulazi (*Mr. Fynn*), namanye amaNgisi ay'ingcozana. Lawo'maNgisi afika kuqala tkuza'kwaka leli'zwe las'eNatal. uMbulazi wahambela ku'Tshaka kakulu, wamluleka ngezinye izinto. Way'ekona ngesikati sokufa kuka'Nandi, una ka'Tshaka. Nansi indaba yakuleso'sikati, eshunyayelwa uMbulazi. Uti: 'Kwati uTshaka 'aluke innqina yezindhlovu, kwafika isigijimi, sizobika unina, ukuti uyafa kakulu. Wati innqina aibuye masinyane iye emzini wake. Yahamba ubusuku bonke; yafika ngangomuso emmini; nami ngangikona, ngihamba nayo. Wangincenga uTshaka ukuba ngiye'kubona unina. Ngaya ngihamba nenduna enkulu etile, ngafumana kugcwele endhlini abafazi aba-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ningi belila, kugcwele umusi futi; ngabapumesa bonke, ukuba ngipefumule kahle. Wafa ehuda igazi; ngamtshela uTshaka, ngati, 'Us'ezakufa; angitsho ukuti, liza'utshona esekona.' Wati, auciteke umpakati: wasala, wahlala yedwa isikati eside, ebheke pansi ezindhla, engati nda, ehlezi namalunga atile pambi kwake. Kwaldhlula isikati; kwabikwa ukuba us'efile. W'esuka masinyane, wangena esigodhlweni; wati ezinduneni ezinkulu azihlobe; wapuma ehlobile naye.

"16. 'Kwati uma sokubikelwe abantu bonke ukufa kwenkosikazi, abafazi bonke, namadoda ay'ekona, bagqatshula izinto zonke zokuvunula masinyane emizimbeni. uTshaka waya w'ema pambi kwendhlu, unina afele kuyona, ehqaqwe izinduna ezinkulu zihlobile. Ngesikati eside w'ema 'enze isikomololo, ekotamele pezu kwesihlangu ngobuso. Ngabona amaconsi ezinnyembezi ewela pezu kwaso. Walingoza kabilo katatu; kaba na'mandhla okuzibamba, wadazuluka kakulu; kw'esabeka loko pakati kwabantu bekade betule. Saqala ngaloko isililo esikulu. Izinduna, nabantu bonke ababe kona, kungatiti kwaku izinkulungwane eziy'ishumi nesihlanu; bakala ukukala okukulu, bememeza.

"Kwafika abantu bevela kweminye imizi es'eduze: kwazinge kuteleka, isilisa nesifazana. Bati, uma sebebona umuzi, bakale ukukala. Kwakalwa ubusuku bonke, b'esaba ukupumula, b'esaba ukupuza amanzi odwa lawa. Kwazinge kuzwakala ukukala okutsha, kufika abantu futi. Kwasa kungapelanga ukukala. Ngaleyom'mmini umuma wabantu, ababehlangene kona, kwasokungatiti

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

izinkulungwane ezi'mashumi'mahlalu. Kwakula ukukala; kw'esabeka impela. Abanigi balala bengacebile, sebepelwe amandhla, ukukatala na ukuzila ukudhla.

"17. 'Kwanqwatshelwa ndawonye izinkabi ezi'mashumi'mane, kuhlatshelwa idhlozi (lika'yise). Kwati ngesikati sas'emmini umpakati wonke w'enza umkumbu, uTshaka w'ema pakati kwabo. Wahlabo ihubo lokulwa; batokoza ngaloko ngesikatshana. Kwati uma kupele loko, uTshaka wati, akubulawe amadoda atile masinyane. Kwakula ukukala; abantu baqala ukubulawa. Kwabulawa abanigi, bebulala abanye. Bonke balinga ukuzipindisela omunye kwomunye. Labo abaseb'omelwe izinnyembezi, nabasebelele emfuleni b'omele amanzi, batshaywa ngezinduku abanye abasebevukwe ukugcwaneka ukwenza okunjalo; bafa. Way'ezing'ememeza uTshaka, eti, 'Kubasiwe kwobantu.' Ngaloko-ke abantu bamemeze kakulu bonke, bakale. Wabuya wati uTshaka, akubhekwe abangapumi izinnyembezi, babulawe. Ngaloko abantu batela ugwai emehlweni. Futi kudume kakulu pakati kwabantu, ukuti, 'Ngesililo sika'Nandi, nganxanye kwakukalwa, nganxanye kuhlekwa.'

"Kwati ntambama ngacabanga ngati, sokufe abantu abay'izinkulungwane eziy'isikombisa. Umfulana os'eduze, ababekaleku kuwo abanigi, ukuba baswakamise izilimi sez'omile, waungasawelwa ubuningi bezidumbu ezis'emacaleni awo. Umuzi ka'Tshaka wagobhoza igazi.

"18. 'Kepa mina kuko konke loko ngangimi nje, ngingena'cala, ngibuka usizi olungapambi kwami. Kwagatiti izinto zonke ziza'upela. Ngangimi kona ngedwa,

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ngingeko kuloko'kwenza konke. Ngabonga uNkulunkulu ukuba ngi iNgisi, ngingena'mnako kuleyo'nkosi, noko ngidumile kuyona, ngaloko ngakitshwa kuleyo'ndawo yegazi. Kepa ngati, ngisemi ngokunjalo, kwadhlula idhlazana lezinsizwa. Ababili b'ezza ngakumina, bangipakamisela izinduku, bati, 'Aukali ngani wena na?' Angaza ngapendula'luto, ngababuka nje ngokubajamela. B'esaba, badhlula.

"Laza latshona ilanga and'uma u'Tshaka akupelise loko'kubulala. Kepa kwakalwa ubusuku bonke, laza ladundubala ilanga ngangomuso. Yatula inkosi, yati, abantu abadhlle ukudhla. u'Tshaka nezinduna azitandayo, bacabanga kakulu ngokumbelwa kuka'nina. Ngalolo'lusuku lwasibili ngas'emva kwokufa kwake, isidumbu sake sabekwa eliben, sahlalisa eduze nendhlle afela kuyona. W'ala u'Tshaka ukuba ngiye eliben, ngibone ukwenza kwake. Kepa ng'ezwa ukuba kwaketwa amantombazana ay'ishumi, amahle kakulu, 'embelwa naye, 'ezwa. Nami, ngesibindi sakona ngiyakolwa y'iloko. Abantu bonke ababe kona kulesi'sikati, ababeketwe empakatini wonke, kwaku abantu abay'izinkulungwane eziy'ishumi nambili; kwatiwa abalinde iliba unyaka wonke. Ngaleso'sikati sonke akuvunywanga ukuba bahlangane nezizwe, ngitsho na nezihlobo zabo abazitandayo kakulu.

"19. 'Kw'esuka uNgomane, induna enkulu ka'Tshaka, washumayela ngaloko, wati: 'Ifile indhlovukazi enkulu e'mabele mancinyane; kufe ubuhle obu'buhle bezinto zonke; izulu nomhlaba liza'uhlangana, likalele

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

indhlovukazi. Yizwani-ke izwi lami, ngiti, ngalo'nyaka akyikulinywa, kayikudhliwa amasi, ubisi Iwosengwa luctwe, abafazi bonke, abayakumita ngalo'nyaka, bayaku-bulawa kanye namadoda abo.'

"Bakuvuma bonke loko. Umpakati w'emuka, wahamba ezindaweni zonke, ezing'ezanga esililweni; wababulala labo'bantu. Kwati ngezinnyanga ezintatu, yalondwa leyo'miteto emibili, wokulima nowokudhl'amasi. Ekupeleni kwaleso'sikati, izikulu zonke zaleta izinkabi eziningi ku'Tshaka. Ngaloko wavuma ukuba balime, nokuba badhle amasi. Noko kwalinywa kepa sasesidhlule isikati sokulima. Noko amabele avutwa kahle ngokusiza kuka'Nkulunkulu. Kepa abantu ngokwabo bati, 'Yingokuba kushumayele uNodumehlezi ka'Menzi.' Kepa umteto wesitatu bawulonda impela ngalowo'nyaka wonke. Futi b'ezza ngezinye izikati, ngingeko, b'ezza'ukalela inkosikazi emzini ka'Tshaka.

"20. 'Kwati, ekupeleni kwonyaka, u'Tshaka wapuma kulowo'muzi, unina afela kuwona; waya, nesizwe sonke sake nezinkomo, kwa'Dukuza ngas'emVoti. Ng'ezwa es'endhleleni ukuba uy'ezza, ngis'eTekwini; ngaya'kumhlangabeza. Ngafika ngambona nganeno [petsheya] kwo'Tukela. Kwangatiti uyatokoza ukuba engibona; w'ala ukuba ngahlukane naye; wakuluma kahle ngolimi olumnandi, sihamba naye. Sadhlula esizibeni esikulu; sati esinye isikulu, 'Kukona izingwenya ezinningi kulesi'siziba.' Wapenduka u'Tshaka, wangibheka, wati, 'Unesibindi sokuwela lapa na? Ngingakunika izinkabi zibe isihlanu, uma wenze njalo.' Ngokwami ngati, 'Ehe!' Kepa

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ngaqinisa ngokuti angingabonakalisi ukuba ngiy'esaba. Masinyane ngakumula amabhlukwe, ngaggoka iyembe lodwa; ngangena, ngahlamba, ngawela. Wababaza isibindi sami; wabonga, wabuza, wati, 'Soubheke izinkabi zako, y'ini-ke, na?' Ngati, 'Qa!' Wahleka kakulu, nezikulu zonke zake.

"21. 'Sadhlula lapo, savela sabona kwa'Dukuza. W'ahlukana nezikulu nompakati ay'ehamba nawo; wati gudhlu nami pansi kwomhlonhlo omkulu, wahloba, wati, Kuza'ukalwa futi manje kwa'Dukuza.' Ngamncenga ukuba angipe into engiyicelayo. Wahleka, wati, 'Y'into-ni na?' Ngamcenga ngati, 'Bangabulawa abantu kulesi-si'kati. Wabiza uNgomane, wahleka ngokumangala y'iloko ukucela kwami, wababaza, wati, 'O! y'ini ukuba ucele ukuba kupile izinnija na?' Kepa wayala uNgomane, ukuba kuze kungabulawa'muntu. Wati angihlale ngibukele imikuba yaloko okuzakwensiwa ukuba eza'uhlanzwa izandhla ezimnyama.

"22. 'Wadhlula pambil nezikulu, behlobile bonke. Masinyane sambona kahle uDukuza, ehlensi kungatiti uhlezi esitsheni. Izimbongi, ezazihamba ngapambil, zambonga, zamemeza ukufika kwake. Ngaloko-ke waqala ukulingoza, wazamula, wakala; wazitengisa ngokungatiti kana'mandhla okuhamba; waqala ukuzamula ngezwi elikulu. S'etuka, sabona amabandhla onke esizwe, emi amavio emacaleni ezintatshana zonke ezizungeze uDukuza. Bahlangabezana ngokukala kwenkosi; kepa ukukala kwabo kwasokuti hlo na umsindo wezinkabi, kungatiti zazi izinkulungwane eziy'ikulu, ezihangene

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

zivela ezindaweni zonke zezwe. Ng'ema kude, kepa ngabona ukuba akubulawa'muntu. Ngatokoza ngizwa sokupele umsindo, owaqala ntambama, wapela ukutshona kwelanga. Wati uTshaka abantu abapumule, bahlabe izinkabi, ukuba baze badhle kusihlwa. Kepa abwehlanga ubutongo ubusuku bonke, ngokukala kwezinkabi na umsindo wompakati.

"23. 'Ngangomuso kusasa wahlanzwa uTshaka. Abanini'zinkabi bonke babelete izinkonyana; zabanjwa, zadatshulwa emapangweni ngas'ekungeneni, kukitshwe innyongo abaninizo, zis'ezwa, ziyekwe, zizifele, zingadhliwa. Amabandhla onke asondela ngamavio awo pambi kuka'Tshaka, amzungeza. Abantu bonke abapete izinnyongo, bazineg bamtelka kancinyane, bedhlula. Kwati, uma kupele loko'kwenza, w'ema uNgomane, wamemeza, wati: 'Manje isizwe sakiti siyikalele unyaka wonke inkosikazi; manje sei y'ihdlozi; yiloni selizakukanyisa inhlanhla yenkosi. Kepa kukona izizwe zabantu, ezake emazweni akude, eziti; ngokuba zingakanqotshwa, ziti aziyikunqotshwa nakanye. Loko kubonakaliswe ukuba zing'ezanga ukuza'ukalela unina omkulu womhlaba namabele. Ngaloko-ke, ngokuba azitelanga izinnyembezi lezo'zizwe ezikude, kuhle ukuba inkosi ihlasele kuzona, kudhliwe izinkomo, zibe izinnyembezi pezu kweliba layo.'

"Ngaloko bahuba ihubo lempi: kwahlatshwa izinkabi ezinningi: uTshaka wageza ngentelezi, ilungiswa izinnyanga. Kwapela loko ukukala okudumileyo. Kepa mina ngiti uTshaka wakwenza nje loko, angitsho ukuti way'ekalela unina kakulu, ngiti way'etanda ukubonisa

*Ezis'enncwadini 'Izindaba sas'eNatal.'*

abantu, ngezinto ez'enziwa ngokufa kuka'nina wenkosi, ngokuti kuyakuba njani-ke mhla sokufe inkosi uqobo lwayo, 'enzela ukuba bangafisi ukuba afe.'

ISAHLUKO XXXVIII.  
IZINDABA ZIKA'DINGANE.  
(Ngokutsho kwabelungu).

"24. Kepa noko way'enamandhla anjalo uTshaka, wabulawa umfo wabo, uDingane. Kwakupume impi ihlasele kude [oBhalule]. uTshaka wasala emzini wake omkulu kwa'Dukuza. Way'ehlezi ngapakati esibayeni enhla, ekuluma nezinduna, ebuka izinkabi zibuya ntambama. B'ezo abafo wabo abibili, uDingane noMhlangana, nennceku yake enkulu, uMbhopa, nabanye; bati, 'Sivela ennqineni.' Bati uma basondele enkosini, wati uMbhopa ku'bantu ababe kona, 'Musani ukuhlupa inkosi ngamacebo enu.' Wangena pakati kwabo, wabadunga, wabacita. Wakuluma amazwana, nenkosi yakuluma inncozana nabafo wabo. uMbhopa way'es'ekahlamezile, wamgwaza emhlana. Inkosi yalinga ukubaleka; bamxotsha abafo wabo, bambulala ngemikonto, wafa (Sept. 28, 1828).

"Kepa abanye bati, wagwazwa uMhlangana kuqala; ngokuba uDingane way'esola ukuba kuzinge kubulawa abantu. Bahlangana, baceba icebo, bati, asimbulale. Baveza uMhlangana, ukuba aye'kumgwaza, Kepa uMhlangana way'a'kumgwaza, wati, uzaumketa innxeba, ukuba amjuqe kanye, afe. Wamketa pansi kwekwapa; kepa wagwaza enngalweni.'

(INXA NIBONA AMAZWI ALOTSHWE PAKATI KWAMA-brackets [] NIBOKUMBULA UKUTI LAWO'MAZWI AKUSIWO AWABELUNGU, NIQONDE UKUTI NG'AWAMI LAWA. MINA M. M. FUZE. KUKONA EZINYE IZINDABA EZINGAQONDENE, EZIPIKISANAYO KWAMANYE AMAZWI).

[Okuqinisile endabeni yokubulawa kuka'Tshaka, yiloku. Kwakupume impi eyabe ibizwa ngokuti "eka'Kukulela-ngoqo," eyabe ihlasela oBhalule. Abafu wabo baketana, basala bonke, abaza baya kuleyo'mpi, ngennxa yokuba kwasokukona ukukononda kubo, besola imikuba emibi yomfo wabo yokubulala abantu. Sebehangene ngalelo'zwi, bakuluma noMbhopa ka'Sitayi, owab'ehlala nenkosi, edhla nayo, eng'owakwa'Zulu naye. Bantembisa ukuti inxa evumile, wambulala uTshaka, bayakundabulela innxenyenye yezwe lakwa'Zulu, ibe eyake, abuse naye abe y'inkosi. Kwati-ke, ngoba kwasokuhlanganisiwe loko, uMkabayi ong'udade wabo'yise, okung'uyena owabe esesola leyo'mikuba emibi yonke eyabe igilwa yindodana yomne wabo, wancenga uMbhopa lowo ngamazwi okum-kohlika, okumnika isibindi ngokumtembisa okukulu ayakukuzuza inxa eqinisele, wenza isibindi sokugwaza inkosi ngomkonto. Nembala isituta savuma ukukwenza loko, ngobapela naso sesizauba yinkosi, sibuse izwe lakwa'Zulu innxenyenye yalo. Wakwenza-ke loko okubi, eti ubulala inkosi inganti uyazibulala yena uqobo lwake].

[Bati uba bambulale bamqede uTshaka, isidumbu sake basimbelo emgodini wamabele, engaseko. Konke loko kwensiwa nje, kako uMxamama ka'Ntendeka was'-eziBisini, innceku enkulu, eyabe iy'imbongi yake, utu-nyiwe. Ute efika wafunyana ingaseko inkosi, sebeyibulele. Wakala ukukala okwesabekayo, wabatuka oMhlangana no-

Dingane wabafanisa nezinnja, enxusa ukuba bambulale naye. Wazigingqa pezu kweliba, ecela ukuba bambulale. Kepa abavumanga ukumbulala; waza wabatuka ngen-hlamba enukayo, and'uba bambulale. Nguye uMxamama lowo owabe eti angabona amanqe ezula pezulu, ayibonge inkosi, eti, 'Izinnyoni zako zilambile, zicela ukudhla'; efuna ukuba inkosi ibulale abantu].

[Nango-ke uMbhopa ndini es'ebulele inkosi yake ngokwensiwa isituta ng'abantwana benkosi abamtembise okukulu, wawutola nembalu umvuzo wokutenjisa kwake; wadatshulelwu izwe elikulu, wanikwa izinkomo ezinningi. Okwaqubeka izinnyanga ezimbili kumbe ezintatu, wabulawa; kwatiwa unesibindi esibi ukuba ahle aqinisele abulale inkosi engakaya; kuhle abulawu ngoba uyakupinda enze okunye nangomuso.

[Emva kwaloko babanga abantwana ababili, oMhlangana noDingane. Kwasokuyiwa ku'dade wa'oyise, uMkabayi. Yena-ke wakomba (ngas'ese) uDingane ong'o-wakwa'Bhibhi, wati iyona'nkosikazi enkulu. Wabe es'enza icebo, wati abahambe abantwana bonke kuyotetwa icala emfuleni. Kanti uMkabayi lowo us'ehlanganise izwi namadoda, lokuti, makuze kuti uba bafike emfuleni lapo, baze bambambe bambulale uMhlangana lowo, bayeke uDingane. Nembala-ke kwensiwa njengokutsho kuka'Mkabayi.

[Wanelu ukungena nje uDingane ebukosini wababulala bonke abafo wabo, washiya uMpande yedwa wakwa'Songiya, owab'e nomzimba omubi esitweni, noGqugqu'owab'e ngumfanyana engakabi 'nsizwa.

[Kwati ngolunye usuku, es'ebaqedile abafo wabo, wayihlomisa, wayiyisa kwa'Wambaza, kwomkulu umuzi ka'Gendeyana wakwa'Qwabe, eti maiyekubulala uNgwadi'owazalwa nguNandi ku'Gendeyana. Po-ke kwabalapo uNgwadi es'ekuzwile konke nokufa kwomfo wabo u'Tshaka; es'eyihlomisile eyomuzi wake. Yalwa-ke lapo, uNgwadi enempi enamandhla. Eka'Dingane yaza yalufohla utango, yangena ngapakati, yamqeda uNgwadi kanye nempi yake].

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"25. uDingane wabusa endaweni ka'Tshaka. Wala ukubulala. Wabulala umfo wabo uMhlangana, nezihlolo zonke zika'Tshaka, Wabiza uMbulazi nabaluungu abanye, ababe s'eTekwini. B'esaba bati, 'Funa sibulawe, loku si izinngane zika'Tshaka.' B'ala ukuya kuyena. Watukutela uDingane; wamema impi; yaya'kudhla izinkomo zabo; yabulala abamnyama abay'innco-zana, kepa abalungu bonke babaleka. Wati uDingane: 'Buyani, angiyikun'enza'luto.' Babuya, babiza izinkomo zabo. Wavuma uDingane, wati: 'Ehe! uma nikipa amakosi amnyama ay'isihlanu, abaleka kumina.' Bakwala loko; naye w'ala nezinkomo. Wabuya watuma izinhlolli, ukuba ziye'kuhlola izwe lonke, efuna ukubamba lawo'makosi. Yaza yapuma kabilo impi, yangena enhla, yaya yapenduka ngas'otungulwini, yabuya. Kepa ayaze yafuman'a'nkomo. uDingane wazikipa amehlo lezo'zinhlolli, ngokuba impi yapuma kutsho zona, yabuya-ze.\*

"Amapuputeka; oNhlanganiso noMpezu."  
Yilelo igama elaqanjwa ngaley'o'nkati, elalihaya labo'bantu-ndini, ababetole isijezo kulowo'muntu omubi kakulu owab'engenawo umhawu.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"Kwadhlula isikati. Abamnyama abaningi, ababecitwe uTshaka, baqala ukubuyela ezweni lakubo, eNatal; bafika bakonza ku'balungu, kwoMbulazi weTeku, noFebana, noWohlo (*Ogle*), nabanye. Labo'balungu babefungwa kakulu kuleso'sikati abantu abamnyama, ababekonza kubona. Kepa namanje uMbulazi usafungwa abantu bake.

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

[Kukuso leso-ke isikati sokubulawa kuka'Zihlandhlo nomfo wabo uSambela, amadodana ka'Gcwabe ka'Kabazele lelo lokuti bay'izihlobo zika'Tshaka. Nansi indaba ya'mdhla-loko. Kwakukona umfana ose ibhungwana owab'e innceku ka'Zihlandhlo. Lowo'mfana wab'e ng'owakwa'Ngcobo, ibizo lake kung'uMagwaza, elinye u'Tupana ka'Matomela ka'Toko ka'Dileka ka'Dindi. Yena wab'efike watolwa eMbho lapo ukuciteka kwezwe lakubo emVoti, mdhla uManjanja ka'Nhlambela etunywa ng'uTshaka ukuza'uhlasela ku'Matomela emVoti. Okwati uba impi ibulale uyisekazi uMkalipi, wati uMatomela ong'omkulu wati ku'bantu bake, mabahambe balandele uMaraule ka'Nonyanda inkosi ngalapo eqonde ngakona (emaNyiseni ngas'oTukela). Bati lapa abantu bake beti mabahambe naye uMatomela lowo, wanqaba wati kakwazi ukudinga. Mabahambe nje, bamlondolozele yena u'Tupana lowo. Kepa bamshiya enxiweni lapo uMatomela ezwu engafile: wasala wadhliwa yizilwane zas'endhle. Kwati-ke es'endhleleni, uMagwaza lowo weqa waponseka ngapetsheya kwoTukela, wafika watolwa eMbho nguBhambada ka-

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

"Tshabase ka'Kabazele ka'Mavovo. owamtata wamyisa ku'Zihlandhlo; uZihlandhlo wamenza waba yinncetu yake yetunga. Kute-ke ngolunye usuku, uMagwaza etunyiwe ukutshona kwelanga, wahlangana nomunye umuntu endhleleni, owamhlebela ukuti impi yakwa'Zulu iyakuhlasela eMbho ngomuso, izobulala uZihlandhlo. Nembala uMagwaza wafika wawaxoxa lawo ku'Bhambada nas'enkosini. Po! ngubani owabe engahle akolwe ukuti impi yakwa'Zulu ingahle izekubulala uZihlandhlo, umnawa ka'Tshaka na? Kanti lelo'zwi elizwiwe ng'uMagwaza seku elamiqiniso. Seku usuku lokubulawa kwake, ngoba eyisihlobo sika'Tshaka. Ngokungalikolwa lelo'lizwi inkosi yas'eMbho, es'ebonile yena uMagwaza ukuti liqinisile, weqa pakati kwobusuku wabaleka; kwati kusa umuzi wabe us'ukakwe yimpi kaDingane ese izobulala isihlobo sika'Tshaka. Yambulala-ke uZihlandhlo noSambela. Yambulalela eDimane uZihlandhlo; wati uSambela yambulalela eKwanini].

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"26. Kwafika uGadeni (*Capt. Gardiner, 1835*), isazi esikulu, oway'enza izinto zokwazi ezazimangalisa abantu. Wati ngesinye isikati waya kwa'Zulu ehambela ku'Dingane. Wafika wahlala noDingane enkundhleni; wambonisa izinto ezinningi zokwazi kwabaluungu. Wanxusa kakulu ku'Dingane, ukuba abize umuntu wokufundisa abantu bake ngezinto zika'Nkulunkulu. W'ala uDingane nga'leso'sikati, ukuba amaZulu afundiswe. Wati, 'Akt uye'kuwundisa abas'eTekwini kuqala.' Wahlangana naye ngamazwi anje, okuti "uDingane uvumile

ngokwake ukuba abayeke labo'bantu bonke abas'eNatal, nezinto zabo, noko babaleka kuyena; ubadedele, bahlale kahle, bengena'vuso. Kepa uti, abake, uyakubabiza, uma ebantanda. Abalungu bas'eNatal bavumile ngokwabo, ukuba ngas'emva kwalesi'sikati abasayikubavuma abantu abafikayo, bebaleka ku'Dingane. Bati ngokwamandla abo bayakubabamba, bababuyisele enkosini, bonke labo abalinga ukuzifihla pakati kwabo.'

"Kepa kwakukubi impela loko'kuhlangana. Kuyapambana nokwenza konke kwamaNgisi ukuyisa abantu abanjalo, abangena'cala lokwenza into embi, ababalekele ukufa enkosini ebulalayo. Abantu bonke bas'eEngland, bati ukuyizwa leyo'ndaba, bamsola uGadeni kakulu, bakuzonda ukwenza loko.

"27. Kwati masinyane loko'kuhlangana okumnyama kwaveza izinhlamvu zobubi. Kwakus'and'ukubaleka abantu abatile abay'isitupa baka'Dingane, engakwazi uGadeni, engakatsheli abantu lawo'mazwi okuhlangana. Bati labo'bantu, 'Izihlobo zetu zabaleka: sezihlezi kahle esilungwini; nati asibaleke.' Kwabaleka inkosikazi, nenneku, nomfazi, nabantwana abatatu balowo'mfazi. Wati uma akuzwe loko uGadeni, wati akubanjwe abakulu bobatatu, kuyekwe abantwana. Wababuyisela yena uqobo lwake, wabayisa enkosini. Wafika wabancengela ngamandhla ukuba bangabulawa. Kepa uDingane w'ala; wababulala bonke bobatatu. Wabuye wabiza abantwana futi: wabayisa uGadeni. As'azi uma nga babulawa nabo.

"Ngalowo'nyaka (1835) kwafika abafundisi bokujala bas'eAmerica, uAlden-Grout, noAdams. Abalungu baqala

ukwaka umuzi eTekwini. uGadeni wabuyela eEngland. Wabuya wabuya futi, es'ehamba noOwen, oway'e isikonzi eBandhleni las'eEngland. Wavuma uDingane ukuba uOwen ahiale eduze naye emzini wake was'emGungundhlovu, afundise abantu bake. Waqala ukubafundisa (Oct. 10, 1837); izinnyanga zaza zaba-ne; wabona izinto ezinnyingi zosizi nezegazi, ezenziwa uDingane.

"28. Kwati ekupeleni kwalezo'zinnyanga ezine (Feb. 6, 1838), kw'esukela kw'enziwa into ey'esabekayo impela; yanqamula nokusebenza kwokufundisa. Ngitsho ukubulawa kuka'Piti (*Pieter Retief*) nabantu bake; kwabulawa amaBhunu amadoda a'mashumi ay'isitupa nabantwana bawo abatile, namaLau amaningi, kungatiti abantu abay'ikulu; babulawa bonke isigungu uDingane."\*

"Lawo'maBhunu ay'ekade 'ake ezweni lawo, eselibuswa inkosikazi uVictoria† ngas'entshonalanga yas'eNatal. Ay'engasatandi ukubuswa yinkosikazi, engatandi ukudedela abantu bawo abatengiwego nabatunjiwego, njengokutsho kwenkosikazi,—engatandi ukuba amaLau abasebenzelayo aye'kuhlala nabafundisi, engatandi ukuba abantu abamnyama bapatwe kahle ngomusa, njengokutanda kwenkosikazi nabantu bas'eEngland. Ngaloko-ke bati, 'Asiye'kuz'akela kude nombuso wamaNgisi, pakati

\*Okutshio ng'abantu, bati: At'uba afike amaBhunu anikwa umuzi wokungenisa, azinge esuka kulowo'muzi inxa eya enkosini emGungundhlovu. Kuti ngakusihla azinge esuka kulowo'muzi angenise kuwo, aye'kukaka umGungundhlovu, ebusuku; kanti bayabwona oGqainnyanga, okuze kuse bengalele. Yileso isizondo, uDingane awabulala ngaso; ebona ukuti kanti ati eze ngobuhle nje, aqukete ububi enhliziyweni zawo; afunela-ni ukukaka umuzi wake pakati kwobusuku na?—M. M. Fuze.

†uKing George namuhla.—M. M. Fuze.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

kwezizwe ezimnyama, siziqube ngokutanda kwetu.' Bapuma-ke abanangi, bahamba benezinnqola nabantwana babo, namahashi amaningi, nezinkomo. Abanye bafika kulelo'lizwe elingapandhle kwezwe lenkosikazi, kodwa linganeno kwomfula omkulu iGwa (*Orange River*). Abanye bawuwela lowo'mfula, badlulela pambili enhla ngas'empumalanga; iningi labo lafa ukulwa nezizwe endhleleni, na ukufa kwalawo'mazwe. Kepa ibandhla elikulu lama-Bhunu, linezinnqola eziy'inkulungwane, l'ehla uKahlamba, l'ezza pakati kwezwe elihle las'eNatal, elihlumileyo. Babeqale ngokutuma izinhloli zabo zokuya'kuhlola izwe, nezokuhlola indhlela elungele izinnqola. Zabuya izinhloli, zati, 'Lihle impela leli'zwe.' Ngaloko-ke lafika lelo'bandhla elikulu, litanda ukuza'kwaka kulona, linamakosi alo uPiti noMaritz. Amagama awo ahlangene ega-meni lokuti 'Pieter-Maritzburg,' ukuti, umuzi ka'Piti noMaritz.

"29. Lawo'maBhunu ay'etanda ukwenza izinto zavo ngokutula, ay'engatandi ukwenza ngamandhla kuqala. Wayo uPiti ku'Dingane, wacela izwe las'eNatal, ukuba kube elawo, wati, 'Sitanda ukuzihlanganisa nawe impela.' Kuleso'sikati kwakus'and'ukwebiwa izinkomo ezinngi zika'Dingane abantu baka'Sigonyela. Wati-ke uDingane: "Ake ngibone ukuti niyatanda ukuzihlanganisa nami. Hlaselani nizilande ku'Sigonyela izinkomo zami. Uma n'enze loko, ngiyakuninika lelo'lizwe. AmaBhunu atuma izigijimi ku'Sigonyela, azibiza lezo'zinkomo, ati, "Uma ungazikipi, siyakuza ngempi." Wazikipa masinyane, izinkomo ezi'makulu ay'isikombisa zika'Dingane, namashishi futi a'mashumi ay'isitupa, nezibhamu ezitile.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

Lezo'zinto zonke impi yake yazipanga emaBhunwini ngezinye izikati. Wakutata loko konke uPiti, waya emaBhunwini nako, wawafumana es'ehle uKahlamba, es'ehlakazekile nezwe lonke las'emNambiti. Kulelo'lizwe kwakungaseko abantu abamnyama. Kwakukona iziza ezinngi nje zezindhlui zamatshe zabantu abadala; kwakukona inkosi inye emnyama, uMatshana. uPiti watanda ukuqonda ku'Dingane nezinkomo, wati, 'Asiye kanye si'baningi, simbonise amandhla etu.' W'ala uMaritz, wati 'Ai! kuhle ukuba uhambe namadoda, noko e'matatu, noko e'mane.' Kepa uPiti walipika lelo; wa-qinisa ngokuti, 'Angihambe nabantu abakwele emahashini, noko be'mashumi'mane, noko be'mashumi'mahlanu. Kepa uma kukona abatandayo, abahambe nami.' Loko'kutsho kwavusa usikisiki pakati kwezinsizwa, zavuma ukuhamba naye zonke. Waketa abantu aba'mashumi ay'isikombisa, namaLau a'mashumi'matatu okwalusa amahashi. Wahamba wawela umZinyati, wafika emGungundhlovu, Feb. 2, 1838.

"30. uPiti waziyisa izinkomo kuDingane, azikipe ku'Sigonyela. Ngaloko inkosi yatokoza; yamema amabuto emakanden i onke; yati, akuzoketelwa uPiti. Waketelwa amasuku amabili; ngosuku lwestitatu (Feb. 4) uDingane wabiza amaBhunu, ukuba awanike izwe lawo. uOwen way'es'elobile innewadi yezwe, njengokwenza kwabalungu nje. Wati, uDingane nezikulu zake ezitile, abalobe ngesandhla sabo, baqinise ukutsho kwabo. Es'ebatshelile amazwi ayo ekukulumeni kwamaZulu, bawenza loko, baloba.

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"uPiti es'etanda ukumuka ngangomuso kusasa, uDingane wambiza nabantu bake, wati, 'Ake bazovalelisa, bahambe.' Kepa wati, 'Ning'ezi nezikali: akwenziwa njalo kiti lapa, ukubaabantu bangene ekaya, behlomile.' Wavuma uPiti, amabhunu onke azimisa izikali ngapandhle kwomuzi; ati ku'bantu bawo, 'Hambani, niye 'kulungisa amahashi;' angena ekaya. Ambona uDingane emi pakati esibayeni, epahlwe amabuto aketiweyo. Wakuluma kahle noPiti, nezikulu zake ezitile. Wabancenga, wati, 'Ake nihlale isikatshana, nipeuze utshwala? Bahlala, bapuza; ngas'emva kwaloko batshayelwa inkondhlo. uDingane w'esuka, wati, 'Hambani kahle;' wangena ngentuba esigodhlweni. Wati, es'eya'kupuma entubeni, wajila ingubo, ngecebo al'enzileyo, alitshiloyo ku'bantu bake. Kw'esuku utuli: amabuto, ebazungeza, aza aya esondela. AmaBhunu alinga ukuba b'esuke. Kepa uZulu wababamba; wamemeza, wati, 'Bambani abatakati!' Bawatshaya ngezinduku. AmaBhunu akipa omese, alwa ngamandhla, abulala abanye. Kepa afa ngamanye ngamanye, aza aya apela onke. Izidumbu zaho zahudulelwa kwa'Matiwane. Kwasinda lalinye qoko iBhunu kulelo'bandhla lonke; elona laya labikela amanye konke okwenzakeleyo.

"31. uOwen way'eneko nje kuleso'sikati. uDingane wawabiza amabhunu kusasa, ngesikati ay'ejwayele ngaso uOwen ukufunda inncwadi ka'Nkulunkulu noku-kuleka eyedwa. Kuqala wafisa ukuba ahambe nawo; kepa wabuya wati, 'Ai! kuhle ukuba ke ngigcine ukwenza kwami.' Wahlala; wafunda inncwadi; wakuleka ku-

*Ezis'ennewadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

Nkulunkulu. Nansi-ke indaba yake ayilobayo, yaloko'kwenza, yokuti: 'Feb. 6, 1838. Wo! ngalolu'lusuku losizi! Ngiyatutumela noko ngiloba le'ndaba [nje]. Kute namhlanje kusasa, bengihlezi emtunzini wennqola yami, ngifunda inncwadi ecwebileyo, kwafika isigijimi, sivela enkosini, sipikazela, situtumela. Ngaqinisa masinyane ngokuti ikona into embi ey'enziwayo. Sati, 'Ite inkosi unges'sabi wena, noko ibulala amabhunu; iza'ubulala amabhunu odwa.' Ngaloko kwangena ivuso; kwa-bhula innembhe kumina, na ku'mkami, na kwodade wetu. Indawo yami yaibhekene nakwa'Matiwane, indawo yokubulalela abantu. Wati omunye. "Bheka! sebebabulala!" Ngapendula amehlo, ngabona ibandhla elikulu entatsha. neni, kwanga amazulu ay'ishumi edonsa iBhunu lalinye, lingena'zikali, lingena'kusizwa. Maye! amehlo onke lawo ay'ekad'etokoza, ebona ilanga kusasa, kepa lingakakweli ilanga, ay'es'elele umlalela wafuti, ubutongo bokufa. Amabili ngangikade ngehlezi nawo kusasa ezongibona; ngafika ngadhla nawo. Ngawabuza ngati, 'Nitin ni ngoDingane na?' Ati, 'Ulungile.'

"32. Bati ukubona lezo'zinto oOwen, bahlala pansi seloku bengenwe ivuso kuqala, kababa na'cebo la'luto. Kepa ngas'emva kwasikati bati: 'Sing'abaka'Kristo. Kuhle ukuba sibheke enKosini yetu, sitembe kuyona.' Batata inncwadi ecwebileyo ka'Nkulunkulu, bafunda amazwi ayo; izinhliziyo zabo zaqina, b'ema isibindi. Bati, 'inKosi yetu enku lu inamandhla okusikipa engozini; uma kutandeka kuyo, iyakusikipa ekufeni. Bahlala isikati; kwafika isigijimi futi, sizobiza uOwen,

ebizwa uDingane. W'ahlukana nomikake nodade wabo, eng'azi uma kuko usayakubuyela kubo 'ezwa. Wahamba waya ku'Dingane. Yati inkosi, 'Muka, uma utanda; utate innqola ibe'nye yako; uzishiye izinto ezinye zonke.' Wahamba uOwen, waya eTekweni; ngas'emva kwesikati wabuyela eEngland. Walishiya lelo'lizwe lamaZulu, lisahlezi ebunnyameni, ay'etemba ukuba lizakukanya masinyane ngokukanya kwelanga lokulunga.

"33. Wati uDingane, uma es'ewabulele amaBhunu, watuma amabandhla aba y'ishumi, wati, kahlasele eNatal, abulale amaBhunu onke ayakuwafumana. Lawo'maBhunu ay'ahlukene noPiti, esayisa izinkomo ku'Dingane. Ay'esaba kuqala ubuqili buka'Dingane; noko ngaleso'sikati ay'engas'esabi, ay'es'ebheke ukubuya kwezihlobo zawo, engahlomele impi; etokoza nje, ezingela [izinnyamazane]. Kwafika mpi kussasa ngovivi; yafikela ngakweliye ibandhla lamaBhunu, ngas'em'Tshezi, eduze nomuzi wābalungu, okutiwa igama lawo Weenen, ukuti, ukukala. Yabazuma, bengakavuki; yababulala bonke, isilisa nesifazana nabantwana. Amanye amabandhla amaZulu azuma ngokunjalo amanye amaBhunu, awabulala. Kepa kwacatsha umfana otile, wagijima, waya wahlaba umkosi ngakwamanye amaBhunu. Ahlanganisa izinnqola, 'enza innqaba, awaxotsha amaZulu.

"Kwati uma ipindele emuva impi yakwa'Zulu, lawo'maBhunu ati, 'Asiye'kusiza izihlobo zetu ezingapambili, ingabe azakupendukela ngakuzona [amaZulu].' Ahamba, afika kuleyo'ndawo ngas'em'Tshezi; afumana usizi olukulu impela. Afumana izinnqola z'apuliwe, insimbi

yazo ikitshiwe; kepa, pakati kwalezo'zinto, abona izidumbu ezinningi zabantu, zigwaziwe, zinegazi, zihlezi izinnqwaba, ukuba zidhliwe izilo. Pakati kwalezo'zidumbu afumana amantombazana a'mabili, [amaBhunu] es'ezwa, ey'izinkubele, enye amanxeba ey'ishumi nashiya galolunye, enye amanxeba e'mashumi'mabili nanye. Bawatata bawakweza kahle, aza asinda; enye y'enda yazala abantwana, kepa omabili asel'e izinnyonga nje. Ngapandhle kwokubulawa kuka'Piti nabantu bake, yati impi ka'Dingane yagwaza amaBhunu a'makulu ay'isitupa.

"34. AmaBhunu onke aseleyo ahlangana nabantu bonke baka'Piet-Uys, ababesalele emuva endhleleni, bes'ehla uKahlamba kanye namanye amaBandhla amaBhunu, afika'muva. Impi yonke yawo i'makulu'mane amadoda. Yaya'kuhlasela ku'Dingane, itanda ukutshisa umuzi wake omkulu umGungundhlovu. Inkosi yayiyeka ngesikati; yaza yasondela emzini; yafika endaweni etile enngcingweni, indhlela ipakati kwezintatshana ezimbili, e'Taleni. Kuleyo'ndawo aqala ukuyibona amaBhunu impi ka'Dingane. Kepa yahlehlela emuva kancinyane, y'enza ngamabomu ngokutsho kwenkosi, y'enzela ukuti ake asondele amaBhunu kuleyo'ngcingo, angena kuyo, ati, axotsha amaZulu, ayesaba. Kwaba njalo-ke: amaBhunu angena enngcingweni, lapo elinye ibandhla lamaZulu lesuka lanquma ngas'emuva kwentatshana, amaBhunu engaboni loko'kwenza: laya'kuvimba ngas'emuva, elinye lavimba ngapambili. Ahlanganiselwa pakati amaBhunu; kab'esaba na'ndawo yokubuyela emuva ahlohlle. Ngaloko abona ukuba kana'sikala sokulwa, atshaya aya pambili

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

onke, abulala amaZulu atile ngaloko'kwenza, kwavuleka apuma. Kepa inkosi yawo, *uPiet-Uys*, nabantu aba'mashumi'mabili, nendodana yayo eyitandayo, bafika ebubini, amahashi kaba na'mandhla okweqa. Yaseficle impi, yabahaqa. *uPiet-Uys* way'es'e nenxeba, wati ku'bantu bake, 'Dhlulani nabo; mina sengifile.' B'enza njalo abanye, basinda; kwasala uyise nendodana; balwa, babulawa. Amanye amaBhunu aleyo'mpi abuyela ezweni las'eNatal, engena'mandhla okwahlula amaZulu kuleso'sikati.'

ISAHLUKO XXXIX.  
INHLANGANO YAMABHUNU NAMANGISI  
KU'ZULU.

"35. Ati amaBhunu esahambile ukuya'kulwa no-Dingane, kwasale kwapuma impi yamaNgisi lawo ay'ingcozana, ay'ehlezi eTekwini. 'Enza loko ngezwi lama-Bhunu; ngokuba amaBhunu ay'eti, 'Ingabe uDingane kayikuba na'mandhla okusibuta nga'mzila'munye. Kuyakuti uma nga elwa nati, nina nifike kungeko'madoda emakaya, nipange izinkomo zake. Kepa katisimbe as'azi, nga uyakwahlukanisa impi yake, enye ize kitina, enye ize kinina. Kepa, nangaloko, akuyikuba nani, siyakuzuza isikala sokumahlula.' Ngaloko-ke lawo'maNgisi amema abamnyama bawo, aya kwa'Ntunjambili, emizini yao-Nombanga\* noSotobe ka'Mpangalala† Yafumana zimi zodwa nembala; yazidhla ezinningi; yatumba isi-

\*kaNgidhli wakwa'Tusi.

†Wakwa'Gazu.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

fazana nabantwana. Yabuya leyo impi; kepa leyo'nhlanhla yavusa izinhlizyo zabo; zatanda ukupindela futi.' Kw'esuka usikisiki nas'emaxegwini; afisa okungatiti angapata udondolo, ake aye'kuzifikisela. Yapuma futi impi yamaNgisi yokwesibili. Kwakukona amaNgisi ay'ishumi nashiyagalombili, nama-Lau a'mashumi matatu, nabantu abamnyama abay'izinkulungwane ezintatu. Kulabo abamnyama kwakukona aba'makulu'mane, bepete izibhamu, b'azi kahle ukutshaya. Yahamba. Kwati ngosuku lwesitatu kusihlwa yafika emZinyati, yangenisa. Kwatiwa uFunwayo\* nabantu bake, kaye'kuhlola. Baluwela uTukela; bambaba izinhlolli zika'Dingane emzini ka'Kude, bazi-tshaya, babuya, baya'kubika. Ngaloko abalungu bapikisana kakulu. Bati abanye, 'Aingene masinyane;' bati abanye, 'Asihlale ize ifike.' Ukupela baqinisa ngokungena. Yawela uTukela; yadundubala entabeni; yafika emzini ka'Zulu ka'Nogandaya, enDondakusuka; yahuhaqa ekuseni ngovivi, uma ku'mpondo za'nkomo. Kwakukona elinye ibuto lika'Dingane; yalitshaya ngesibhamu; abantu ababe s'ezindhlini babona izinhlamvu zingena ngapakati, babambela emitshayweni. Kepa izindhlu zafola, sezisindwa abantu. Ngaloko batshaya pezulu, bawa abantu betshayiwe. Umuzi wonke lowo waciteka; abantu babulawa; izindhlu zatshiswa. Kepa wati omunye, es'ezakufa, wayalela wati, 'Ngibulaleni ukungibulala! Iyeza indhlovu enkulu, izakunintela ngezinnyawo.'

\*ka'Mpopoma wakwa'Lutuli.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"36. Kwati masinyane yaqamuka indhlovu enkulu; yakalima ngezwi lempi yayo. Kepa uDingane, uqobo lwake, way'eneko kuleso'sikati, kwakukona izinduna zake zodwa, uMadhlebe ka'Mgedeza, noZulu ka'Nogandaya, noNongalaza ka'Nondela. Lezo'zinduna, kanye namabuto amhlope, zemisa entshaneni es'obala, eziyakubona kahle konke loko okuzakwenziwa, ziyitshеле impi. Leyo'mpi yamaZulu kwaku izinkulungwane esiy'ishumi. Yatokoza ngokwahlula amaBhunu katatu, ngokubulala uPiti emGungundhlovu, nangokuwabulala emTshezi, nangokubulala uPiet-Uys nendodana yake eTaleni, yacitaabantu bake. Manje uZulu way'es'etukutele ukuba kwapangwa izinkomo nabafazi nabantwana kwa'Ntunjambili, kwatshiswa umuzi was'enDondakusuka futi, emehlwensi ake; wafisa kakulu ukupindisa. Ngaloko-ke balwa ngolaka olupeliswa ukufa ukupela. Bati noma sebetshayiwe, bagaqele kona, batat'imikonto, bacibe belele, belinga ukubulala njalo. Kwakufanele impi yabalungu ilwe ngamandhla, b'azi ingozi. Babemi eduze nalowo'muzi; amaNgisi namaLau epete izibhamu 'emi ngapambili, abantu abapete imikonto babemi ngas'emuva. Kwafika abokuqala bempa yakwa'Zulu, begijima ngamandhla. Batshaywa bakitikisa okwotshani busikwa. B'ema, batutumela, babaleka, bacitwa. Kwafika abanye, bevela kwezinye izindawo. Y'ahlukana impi yabalungu; enye yaya kweny'indawo, enye yaya kwenye. Elinye ivio lalwa ngesibindi ngesikatshana, layicita leyo'mpi eyailwa nalo. Ngas'emva kwaloko labalekela ezibukweni lwoTukela. Zati izinduna zakwa'Zulu, 'O! kanti banga-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

baleka na?' Kwatokozisa uZulu loko; wafika evela ezindaweni zonke, walihqa lelo'viywana eliseleyo, walingqoba, walibulala. Abanigi babulawa, bevinjelwe ngas'ezibukweni; abanigi baziponsa oTukela, baminza emanzini. Bafa abalungu kunabay'ishumi nambili; afa onke amalau ukupela ay'ingcozana nje; kwafa abanigi ku'bantu abamnyama, ukupela labo ababaleka kuqala. Bafika ngabanye ekaya eTekwini, izelanduli, eziti, 'Nibona mina nje ukupela.' Kwaba njalo-ke ngempi yas'e-Dhlokweni. Ngaloko-ke uMpande waduma, oway'es'e-induna ka'Dingane ngaleso'sikati [ng'uye] oway'elungisa izinto zaleyompi ngentelezi."\*

37. "Kwadhlula amasono amatile; yafika impi ka'Dingane, iqonda eTekwini. Abalungu bonke, ababehlezi kona, baya'kuhlala esiqingini esipakati kwamianzi ecwebeni. Kuti emmini, bahlale kona, kuti ebusuku, bangene emkunjini owau kona. Kwakukona umfundisi was'eAmerica umZilikazi (Mr. Lindley), noOwen oway'e-evele emGungundhlovu, emva kwokubulawa kuka'Piti. Labo, nabanye abanigi, ngezinsuku eziy'ishumi nanghanu, b'enza ngokunjalo, babona impi yabamnyama ihlanya, ibulala izinto zonke zabalungu. Izinto zendhlu, nezingubo, nezinnja, namakati, nezinkuku, konke loko bakubamba, bakubulala. Bacita indhlu nezinto zonke zika'Gadeni; badhlulela pambili emLazi, kwelika'Adams; baponsa isikuni somlilo pezu kwendhlu, kodwa kayatsha indhlu.

\*Kungayo leyo'impi okwasala ngayo uDabeka kaDube inkosi yamaQadi, kanye noNobanda inkosi yakwa'Mpumuza. Ngitemba ukuti bobabili labo 'basala kuleyo'mpi.—M. M. Fuze.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"Wabuya wahlasela futi uDingane ku'maBhunu (Aug., 1838) ay'es'enhlala ngas'emNambiti. Kepa amaBhunu lawo ay'e nezinhloli, alinda kahle, 'enza izin-nqaba, awaxotsha amaZulu, abulala abaningi. Kwdhlula izinnyanga ezintatu. Es'elungisile amaBhunu es'ekulisiwe abazinge befika, ahlasela ku'Dingane. Impi yamaBhunu kwaku amadoda a'makulu'mane namashumi ay'isitupa, ahloma izibhamu, akwela emahashini. Yahamba yafika eNcome. Kwati ngosuku lokupumula (Sunday, Dec. 16, 1838) impi yonke ka'Dingane, abantu aba'zinkulungwane eziy'ishumi, yangena ngamandhla ku'maBhunu. Ngezikati ezitatu uZulu wazineqeqabavuleka ennqabeni yawo, elinga ukuyifohla. Wati uPotolozi (*Pretorius*) weBhunu, ebona ukuba uZulu ubuyele nga'ndawo'nye kwennqaba, wati emadodenai a'makulu'mibili, kapume ngamahashi ngentuba ngas'emuva kwennqaba, avele emacaleni omabili, amhlanganisele pakati. 'Enza njalo-ke; uZulu amtshayisa okwe-zinnyosi ziy'iqulo, amtshaya amacala omatatu, kwafa abaningi, kungatiti abay'izinkulungwane ezintatu: kus'e-Ncome lapo.

"38. uDingane wabaleka, 'etukile impela. Watshisa umuzi wonke was'emGungundhlovu, wangena emahlatini eduze nemFolozi, kanye nempi yake eseleyo; wazifhla isikati eside. Ku'maBhunu kwafa amadoda, kungatiti aba'matatu, uma engabanga'mane. Impi yawo yadhlula yafika emGungundhlovu us'utsha. Babona ngapandhle kwomuzi, kuleyo'ntatshana yegazi, amatambo nezinto ezasalayo zika'Piti nabantu bake,

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ababulwa sokuy'izinnyanga eziy'ishumi. Babona izintambo ababedonswa ngazo sebeyakulahlwa, zisanamatele ematanjeni emilenzeni nas'emikonweni; babona amatambo ezinhloko ecotshozwe ngokwesabekayo ngezinduku nangamawisa. Babona futi amatambo ka'Piti uqobo lwake; baw'azi ngesaka lake; bafumana pakati leyo'nnecwadi, eyalotshwa umfundisi uOwen, uDingane ay'enike ngayo kuPiti na ku'maBhunu izwe lonke las'eNatal, elipakati kwoTukela nomZimvubu. Nokubhala kuka'Dingane kukona kwokuvuma kwake.

"Bawambela kahle amatambo abantu bakubo. Babona ukuba amahashi akatele, umsizi wezibhamu us'uzau'upela, abasena'mandhla okumfuna uDingane emahlatini abalekele kuwona. Bati bazakubuyela emuva. B'enza njalo, behamba nezinkomo eziy'izinkulungwane ezi-nhlanu azidhlileyo."

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

[Kulapa sokuzauti-ke inkosi isacatshile lapo, itume uBhongoza wakwa'Ngcobo, inhloli enku, iti kahambe aqunge isibindi, aye ku'maBhunu ay'esamise pezu kwas'emTonjaneni; loku pela yena wabe elapaya enzansi ehlanzeni kanye nempi nezinkomo nesifazana neziningane. Wakupuka-ke umfo wakwa'Ngcobo onesibindi kakulu, waqonda kuwo pezulu enkangala. uDingane wasala wayilungisa impi yake, wahlela kahle nezinkomo nesifazana; ati amabuto lawa izinduna zawahalisa ngokuhlala, izihlangu bazipata kahle, zafana nezinkomo. Wati uba afike uBhongoza emaBhunwini, ebona ukuti

uy'inholi, ambuza ukuti upi uDingane nempi yake na? Wapendula wati us'ecatshe ehlazeni kanye nesifazana nezinkomo. Abuza ukuti mangaki amabuto ake as'ehlezi nawo na? Wawalandula uBhongoza amabuto, wati "kawaseko, njengokuba nani nabona eNcome, ukuti nawaqeda onke; us'ehlezi nomdhlunkulu nesifazana nezinngane kupela kanye nezinkomo." "Ingabi uyasi-yenga, Bhongoza." Ahle afunge aqinise uBhongoza. Ahloma-ke amaBhunu, ambamba ngentambo uBhongoza, ati, "woza, uyekusikombisa lapo ehlezi kona uDingane."

Ati uba ahlome, amtata uBhongoza ahamba naye, emkunge ugentambo entanyeni. Uzwani-ke? anela ukupamuka nje emTonjaneni, azibona pansi lapaya izinkomo ezinngi nabantu abaningi. Abuza ku'Bhongoza ati "Yini leya yonke, Bhongoza, na?" "Yizo-ke izinkomo zonke leziya; okunye lokuya ng'umdhunkulu kanye nabafazi nezinngane; ngoba amadoda apela onke eNcome." Behla-ke. Kute lapa beqala ukufika enzansi ehlazeni, wapunyuka uBhongoza entanjeni. W'ezwakala kaloku uZulu, es'etsho ukuti "Bapakati, mabandha ka'Mjokwane ka'Ndaba!" Batsho qede kwaduma ngalapa nangalapa. Aqala amaBhunu ukumemeza, eti, "Upi Bhongoza? Upi Bhongoza?" Po! asabuza ku'bani obe epi? Kade ebalekile waponseka empini yakubo. O! bawakumbulake kaloku, bewagwazela emagqutshini. Ati uba abone amaBhunu ukuti kawasena'kwenza luto empini enkulu kangaka, atshaya ngezibhamu aqonda pambili njalo, kawabe esalwa. Kulapo latsho kona elinye iBhunu, selikatele, lati, "Hamba muhashi wami, ngafela

enzansi." Bawagwaza-ke, bawaqondisa ngas'emFolozi. Kanti is'ilele kona imiHaye. Noko adhlula aqonda ngas'emaBedhlana! Yiwo lawaya ebanga ngas'eNhlazatshe; uZulu ewaxotsha njalo!].

*Ezis'ennqvadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"39. Kwadhlula isikati: uDingane waqala ukwanda futi. Wazinge etuma izigijimi ku'maBhunu, namahashi ay'ewadhlile kuqala, eti utanda ukuzihlanganisa kahle nawo. AmaBhunu atata amahashi, kungatiti a'makulu-matatu neshumi nesitupa. Kepa 'ala ukuhlangana naye, ati, 'Wok'uze ubuyise konke loko owakudhlayo, izinkomo neziklabhu, nokwalezo'zinto zonke owazicitayo.' Ngaloko-ke kwafika ezinye izigijimi, zati, lezo'zinto ziyakubuya. Kwakonjwa indawo, okuza'uletwu kuyo izinkomo ezinye nezibhamu ezitile, Kepa amaBhunu abona ukuba lezo-zigijimi naloko'kutsho y'icebo nje lokuhlolola kahle ukwenza kwawo. Esinye isigijimi sabanjwa, sabuzisiswa, savuma ukuba situnywe uDingane, ukuba sizohlolola uma amaBhunu kuko as'ebuyele ngezindawo zawo, kuko asahlezi ngas'ennqabeni, yini na. Loko kwabonakalisa ukuba use y'impi. Ngako-ke ababe besaba na'mandha okuciteka nezwe, nokuba balime kahle umhlabati; kwa-sweleka ukuba balinde njalonjalo.

"Kepa kuleso'sikati (Dec. 1839) kwavuka umbango pakati kwezwe lakwa'Zulu. Ngokuba uDingane way'e nabafu wabo ababili, angababulalanga. Omkulu kwaku uMpande, omncinyane ku uGquqqu, ese umfana nje. uMpande way'e indoda; kepa abantu babeti, 'Kahla-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

kanipile, uy'isinonseyana nje.' uDingane wati, kabulawe. Kepa induna enkuIu, uNdhlela ka'Sompisi ka'Nkobe wakwa'Ntuli, w'ala, wati, 'Qa, Nkosi! aku'luto loku; auyikuduma, noma ukubulele. Kuyeke nje.' Wamyekake uDingane. Kepa uMpande ngokwake way'ehlakanipile. Abantu baqala ukukatala uDingane: bati abanye kuhle ukuba sibuswe uMpande, sihlangane namaBhunu, nezinye izizwe. Wakuzwa loko uDingane; waqinisa ukumbulala [uMpande]. Kepa impi yake yaipumile, iye kwa'Sobhuza, inkosi yamaSwazi. uMpande wasala w'eqa, nabantu bakwabo abaningi. Wawela uTukela kwelas'e-Dhlokweni. Wafika wangenisa ezweni elingas'emVoti, watuma izigijimi, zaya'kumbika ku'maBhunu, ecela ukusiza kwavo. Aqala ati, 'Yicebo lobuqili lika' Dingane, lokuba asibambe.' Kepa atulisia, abuya avuma, 'ezwa ukuba uqinisile. Ahlangana naye ngokuti azakumvikela amqinise uMpande, aze abuye awasize naye. Loko'kuwela kuka'Mpande kwatiwa 'Kugqabuke igoda.'

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

[Isiminya sendaba simi ngokunje. Kwati uba amaBhunu akatazane kakulu noZulu, emva kwokubulawa kwake eNcome, waqala uDingane ukuzifunela izinnqaba zokupepela. Wayikipa-ke leyo'mpi eyahlasela eSwazini, ezama ukuwakipa amaSwazi ezinnqabeni zawo zemigede. Kwabe kuleso'sikati uMpande es'exwayile, engasayi'kukonza ku'mfo wabo njengaloku abekade ekwenza. Waqala ukuhlala ekaya emzini wake. Enqakavini (okwabuye kwaba kus'Emlambongwenya); wati, njengomkuba

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

wakwa'Zulu, uyagula; ezigulisa engaguli nga'sibili. Utule watula uDingane, waza wabona ukuti uqambamanga kaguli; wenza icebo lokuhlubuka. Wafuna isu lokumyenga, njengomkuba wakwa'Zulu, watuma izinnceku zake ezimbili, uNcagwana noMatunjana, wati mabaqube'izitole zezinkomo ezi'mashumi'mane, baziyise ku'Mpande, enzela ukuba ati uba azibone uMpande, zimkange, abe eseya'kuzibonga lezo'nkomo enkosini, kona eyakufika ambulale. Nembala izinnceku zaziquba lezo'nkomo baziyisa ku'mNtwana uMpande. Bate uba bafike nezinkomo lezo, bamhlebela, bati, 'Asize kukupa izinkomo nje, kodwa l'icebo lokuzakukuyenga, ukuba ubulawe.' Lezo'nnceku zombili kungati zasezidiniwe nazo y'imikuba emibi ka'Dingane yokubulala abantu, bengone'luto. Kungaloko bengamfihlelanga uMpande ukuti uzoyengwa, kona eza'ufikaqede abulawe. Ute-ke uMpande, uba akuzwe loko, kaba esaba nokulibala ukukuluma nokutuma izigijimi pakati kwezwe lakwa'Zulu, lokuti, aziye kubo bonke abantu, ukuti, 'Amahashi as'egwele izwe lonke. Mababaleke beze ngakuye, babaleke baqonde amaBhunwini.' Po! kuzakuba njani? Loku impi yonke ka'Dingane ipumile iye eSwazini, kusele aba inngcozana abaseleyo emakaya, abesilisa nabesifazana nezikundhlwane? Lapo-ke kwati bhidhli ukubaleka abantu, sebekatele yimpi yomlilo yamaBhunu, es'ebaqedile abantu nge'skiti,' abasibiza ngokuti 'isitunyisa.' Zesuka-ke ku'Nowela'muva waoTshaka, Inkonjane edukel'ezulwini, ovele ngesiluba pakati kwamaNgisi namaQadasi. Po! uza'uvinjelwa ngubani, loku uZulu wonke

uhlasele eSwazini? Kanti nas'eSwazini lapo impi ka'Dingane aibanga na'mandhla okukipa amaSwazi emi-humeni yawo, ahluleka.

Kanti kunjalo njalo nempi leyo is'ikahlamezele ukubuya. Alihaya-ke amabuto es'efikile igama lokuti "Siyamaz'uZulu emuka singeko.

Aubatsheli kambe,

Aubatsheli sasingeko."

Umcwayo omkulu lowo wamabuto ka'Dingane.

Kwat'uba afike njalo amabuto, uDingane watuma eyake impi, yokubeqela bonke labo eyakubafica ezindhleleni bengakaluweli uTukela. Nanti ihubo lamabuto ka'Dingane:

Ah ! He-he !

Iya ! He-he !

Iya ! He !

Iyo ! Iji ! Ji !

Eya ! Oyiji ! Ji !

Asiyikuze sababona :

Us'eziteni !

Babetunye ukuba bahambe bebuyisa bonke abantu, bab'etuse nje, bangabulali. Munye kupela umuntu owabulala abantu benkosi okwakutiwe bangabulawa; kwaba ng'uMxakaza wakwa'Radebe, uyise ka'Mhalaza. Oweqa umteto ka'Dingane wokuti baze bangabulawa abantu; baze bebuyiswe kuge ukupela. Kepa uMxakaza, emubi ngokwesabekayo, wazine eti kulowo nakulowo amfunyanisa endhleleni, ati kuye, "Ngidhlula 'mbhambo-'mbili ngiwufake !" etsho emgwaza].

"40. Kwaba njalo-ke. AmaBhunu abuta amadoda akwele emahashini a'makulu'mane, enenkosy yawo uPotolozu weBhunu; noMpande wamema impi yake, amadoda ay'izinkulungwane ezine, enenduna yawo, uNongalaza ka'Nondela.\* Leyo'mpi yahamba (Jan., 1840), yangena ezweni lekwa 'Zulu, emaQongqo. Kepa impi yaingeko ndawonye; eka'Mpande yaihamba yodwa, eyamaBhunu ihamba yodwa.

Kepa 'enza into embi kuleso'sikati amaBhunu. Esabuta impi emGungundhlovu, kwafika izigijimi zivela ku'Dingane, uDambuza† induna,‡ noSikombazana, innceku yake. Bafika babika abakutunywe uDingane, ngokuza'ku-mhlanganisa nawo. Kepa amaBhunu ababamba bobabili; ababuzisisa ngamandhla. Bavuma ukuti, 'Ehe ! situ-nyiwe uDingane, ukuba size'kubona ukwenza kwenu noMpande.' Abatata, ahamba nabo, afika emZinyati; akandana kona noMpande. Wati uMpande, 'Lo'muntu, uDambuza, uyena ow'enza icebo lokuba kubulawe uPiti nabantu bake; uyena futi oway'eluleka ukuba ngibulawe.' Ati amaBhunu, kabulawe. Ngaloko 'eqa imiteto yonke yabalungu, ukubulala umuntu onjalo oy'isigijimi senkosi enye. Wafa uDambuza enesibindi, ebasola abam'bulalayo.' obadumaza, eti, 'N'enza kabi ngaloko, noko nim-hlope.' Wati, 'Kepa akunani mina noko ngifa; kodwa

\*Was'emaNyandwini.—M. M. Fuze.

†Engapansi kuka'Ndhlala.—M. M. Fuze.

‡Elinye uNzobo ka'Sobadhli wakwa'Ntombela.—M. M. Fuze.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ngikalela lo'mfana, engihamba naye, uSikombazana; ngokuba uy'innceku nje, uya la' kutsho mina.' Noko babulawa bobabili. Nkwenza okubi impela loko: kuy'i-hlazo ku'balungu nakwabamnyama.

Kwati ngas'emuva kwezinsuku eziy'ingcozana kwa-loko'kubulawa, impi ka'Mpande yalwa neka'Dingane. Kwalwiwa ngamandhla. Amabuto amaningi ahlubuka ku'Dingane, aya'kuhlangana noMpande. Ngaloko-ke impi ka'Dingane yahlulwa, yabaleka. AmaBhunu alandela uDingane, aza aya amxotsha ngapetsheya kwemFolozi emnyama, aza aya amdhlulisa oPongolo."

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

[Kwati-ke ukuba abaleke uDingane, waza waya wafika oBonjeni, wangenisa kona ehlatini. Kute ngo-lunye usuku izinkomo zake zadhla insimu yomuntu wakona; kepa noko lowo lowo'muntu ka'Nhlongalulvalo uyise ka'Sambane wakwaNyawo waba nomunyu wayitetelela inkosi. Kutule kwatula zapinda zaya'kungena kuleyo'nsimu futi, zayidhla zayiqotula-ke manje. Nango-ke umuntu eya'kubikela inkosi. Naye uDingane watuma abokuya'kubheka ezikwenzileyo, bafunyana ziqotulile impela. Ngaloko inkosi yamdabukela lowo'muntu odhlelweyo; yase ikipa izitole ezine, yamnika zona, ikoka ukudhla kwalo'muntu okupelileyo. Yase ibeka izwi, yati kuye, 'Sal'us'utata izitole lezo ezine, mina sengizaubuya nezigundu lezi zezinkomo zami.' Wo! yatukutela yacinywa ngamanzi indoda, izwa elenkosi lokuti izakunikwa izitole zibe zine zezinkomo,

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

ibe seitola izinkomo lezo kupela, ziti izigundu zamate ezinkomo zenkosi zibe ezika'Dingane. Nansiya igijima iya ku'maSwazi, iya'kuwabikela, ukuti, uDingane usele yedwa; onke amabuto ake ahambile aye'kutwala izimpahla zawo emuva kwa'Zulu. O! ajabula kakulu amaSwazi ngaloko. Ahloma, ahamba ubusuku, es'eholwa yileyo'ndoda yakwa'Nyawo, iyakubakombisa lapo enge-nise kona.

Nembala-ke afika amaSwazi ebusuku. Po-ke! loku inkosi ilele edhladhleni nomdhlekulu kupela, nebandhlanu esele nalo lamadoda eliy'ingcozana, lizilalele kude lapaya nalo kuleli elilele inkosi nomdhlekulu. Kute pakati kwobusuku laqubula iGovu (enye yezinnja zenkosi ezabe zilala kanye nayo). Kanti iGovu leli liqu-bula nje sekufike wona amaSwazi. Ate uba ayikake indhlu, ayihlabe ngomkonto njalo. Yase ipuma inkosi ibaleka ingena ehlatini. Lite liqala livuka nebandhlanu lelo elalisele nayo, abe esebolekile amankengane. Yafunwa ebusuku inkosi; O! aibonakali. Kwafunwa kwasa. Kute ngangomuso, lapo kufunwayo (kanti ayababona abakwa'Zulu amaSwazi befuna), ezwakala es'ememeza, eti, ulapaya ehlatini! Nembala abakwa'Zulu baqonda kona-lapo ehlatini, lapa beyalelwu amaSwazi kona. Bamfumana uDingane elele pansi, enenxeba. Bamtwala bamyisa etangeni lapo. Babukisisa inxeba abamhlabe ngalo abafo. Basebefaka owabo umkonto kulo inxeba, balandisa laba likulu, wapela ngaloko. Basemba igodi njalo, bamqiba; bapindela bonke kwa'Zulu. Ngoba naye wati es'evalelisa uDingane, wati kubo, "Mina

sengifile. Hambani nibuyele ku'Mpande niyokonza kuye. Kodwa into ebuhlungu kimi inye: Ngoba abantu bakwetu bazakubaloku benukwa njalo kwaSongiya kutiwa bang'a-bataki." Wakuluma loko wapela.

Kepa uDingane uqobo lwake wabe emubi edhlula umfo wabo uTshaka. Yena wabulala oka'yise, ngoba eti uyahlupa, ubulala abantu njalonjalo bengone'luto; uloku ehlasel a izizwe njalonjalo, akuko ukuba kubuswe kupunyulwe. Kepa noko wabe etsho njalo, wati inxa es'embulele, kwaba nguye ohlupa izwe kuno Tshaka. Lo'muntu onenhliziyo embi, wabulala bonke abafo wabo emva kwokubulala kwake inkosi yakwabo; inganti yona ibe imyekile ezibusela, ingatandi ukubulala umntwana ka'yise, imhlonipa; ingatandi nokumquba ngamandhla ukuba ahla sele ezizweni njenga leyo'mpi yokugcina ka "Kukulela-ngoqo."

uDingane, ngobubi bake, wati uba ababulale bonke abaka'yise, wadhlula waya'kubulala noNgwadi ka'Gendeyana, embulalela okwoba eng'umfo wabo ka'Tshaka, ezalwa 'sisu 'sinye naye. Wabulala uZihlandhlo ka'Gcwabe inkosi yabaMbho, embulalela okwoba ebe etandana noTshaka, evumile ukuba 'ake nesigodhlo, abe nomdhlunkulu njengaye. Wambulala kanye nomfo wabo uSambela.

uDingane, umuntu ngokubunjwa, innja ngenhliziyo, umtakati ngesimilo. Wabulala uDube ka'Silwane inkosi yas-emaQadini, engone'luto noluncu, ukupela ngokumahlula emjadwini ababesinelana ngawo. Kwati ngokumahlula kwake, elibele ukuqondelela imifece ezitweni

zabantu, ecabanga eti ukukeceza kwemifece kufana nezinhlamvu zamazwi apuma emilonyeni yabantu; yanelu ukutata nje insimango yezwe las'ema Qadini, yaihlaba; kanti seku ukubulawa kwake njalo loko oka'Silwane; umtakati wazindhla wati, loku emncinte ngokusina usezakumamuka nobukosi bake, amncinte nakubo.

uDingane, umuntu onenhliziyo embi osongati idhlula bonke abatakat. Wabulala uPiti namaBhunu ake, emyisele izinkomo zake ezase zimi ennqabeni ku'mfo wakwa'Molife uSigonyela. Kepa amaBhunu, engamesabi wona uSigonyela njengaye, ayitata qede impahla ka-Dingane, wafika wawabulala, engenzanga'luto olubi, ukupela ukuba enze okuhle kodwa kuye ngokumhlonipa.

uDingane, umuntu onesibindi esibi, owabulala kabi oNhlanganiso noMpezulu, ngenxa yokuti babebone izinkomo, ababetunywe zona ukuya'kuzihlola; kwati ngo-kungabonakali kwazo lapa seziyodhliwa, wabakipa amehlo bobabili, eti yikona bezaupuputeka bangaboni, loku kanti bate babone izikomo, zingabonwa abanye abantu abamehlo njengabo.

uDingane, owabe eqinisela efana nennyoka elumayo. Okwati noma es'ebaleka exotshwa ngumfo wabo uMpande, wati lapa ehamba es'ebaleka ekanye nomdhlunkulu, bati lapa bewela uPongolo, enye innceku yake yalunguza ngalapa kuwela kona umdhlunkulu, yase itola icala ngaloko; wati "Uyabheka, ubhekani? Mutateni!" waba uyabulawa njalo lowo'muntu.

Awuko nowodwa umkuba omuhle owaka wenziwa nguDingane, njengokuba ngingabala imikuba emihle ka'Tshaka, njengokuti:—

Kwati indoda etile ijezisiwe, is'izakubulawa; wabuza kuyo uTshaka, wati, "Loku souzakubulawa nje, ushiyani enhle lapa emhlabeni na?" Yati indoda, "Nkosi, ngishiya inkosi; ngishiya isikundhlwane sami lapa siqala ukuhleka; ngishiya inkonyana yenkomu lapa iqala ukutshekula." Ngalawo'mazwi uTshaka wati, "Muyekeni!"

Ngesinye isikati, uTshaka ebona ukutandeka kuka'gwai ku'bantu; wakipa isitole esimitiyo, wasinika abantu ababili, wati mabasiqube, bahambe becela uwgwi endhleleni. Wati lowo abayakucela kuye angalanduli, oyakusimze abashiyele nje engapendulanga, bamniike yona le'nkomo ibe eyake. Labo'bantu ababili bahamba laza lacitshe ukutshona bengamtoli onjalo; betola laba kupela abati nonxa benawo uwgwi baqale ngokulandula, and'uba baba-shiyele. Kwaza kwati sebehambé kakulu, bafunyanisa isalukazi, silima, abati besacela nje asaza sapendula, sasimza sacataza uwgwi waso nje sabashiyele. Basebeti kuso, "Nansi-ke inkomo yako, yiqube uye nayo ekaya emzini wako." Samangala nje isalukazi ukutola inkomo singayazi. Sabonga ngokubonga okukulu.

Nonxa simbabaza uTshaka, siti, wabe enesibindi sokubulala abantu, singahle sitsho siqinise, siti, wabe ehlakanipile, etanda ukwenza izinto zonke ngokuhakanipa. Yena wabe etanda ukuzihlanganisa nabelungu, ebona imisebenzi yabo yokuhakanipa, kungaloko ukuba wacabanga ezindhla, waza wabona ukuti 'ake ngiyobona lapa kupuma kona laba'bantu abanombala ongafani nowetu; laba abamhlope bona.' Wase etuma isikulu sake esikulu, uSotobe ka'Mpangalala wakwa'Gazu kanye

nomunye umnumzana, wati ake bawele ulwandhle bayekubona lapa bepuma kona ukuba kunjani na. Bahambake oSotobe, baya bafinyelela eKipi, lapa kwakutiwa kupe-tsheya kona. Bafika bazibonela ukuma nokuhamba kwalungu. Po! bayaqala befika lapa, sebembulele abataki uTshaka. Ngiyabona ngeqiniso, ukuti, ukuba abambulalanga, kwakungayikuba njeni ukuhlala nokuhamba kwetu ngoba pela yena wabe enxanele ukuzihlanganisa nabo abalungu ngemikuba yonke yabo yokwazi. Bati bembulala uTshaka babe beti bazakwenza akuhle bayeke okubi kuka'Tshaka. Kupi-ke okuhle okwensiwe nguDingane? Amanyala lawa odwa okukomba ubutakati, nobushinga, nobunja, nokuganga kwokudhlala ngabantu baka'Nkulunkulu! Umuntu ekohlwe nokuti uyini, wave-lapi, uyini emhlabeni!

Ngesinye isikati uTshaka wati makuvele umuntu ongapikisana nelanga, ongalimemeza lize litshone. "Ongenza into enjalo, ngiyakumniha nansi inkomo esibayeni." Yavela enye indoda etile yati ingakwenza yona loko. Kwasa ngangomuso, kwasa libalele. Nembala lati lisati tu nje, yatsho ngingila indoda, yati "Ilanga leliya! Ilanga leliya bo!" Kwema loko immini yonke, ilimemeza njalo. Lati liyakuqala ukutshona yabe is'i-kade ipelile.

Nguye uTshaka owasiqambela izwi elikulu lokuti "Umkupa uti ubunjwa ube utshwapuluzwa." Wati indoda maiqinise ukuhlafuna izinkobe zombhila, ukuze ivuke iqinile ngangomuso; ingadhli okugayiweyo nokumanzi kodwa, funa umzimba wayo ungaqini. Ngiti mina

abakwa'Zulu benze kahle ukuba bandise inxeba lapa amaSwazi abe emhlabe kona uDingane. Kona naye ezakuzwa umkonto njengokuba awuzwisa umfo wabo omkulu uTshaka. Ozwisa omunye ubuhlungu, naye bayakumzwisa abanye, afise okwane naye].

## ISAHLUKO XLI.

UKUFA KUKA'DINGANE NOKUNGENA  
KUKA'MPANDE NOKUNGENA KWOMBUSO  
WAMANGISI ENATAL.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"41. Wati uma afe uDingane, amaBhunu abutana osebeni IwemFolozi (Feb. 14, 1840); atshaya izibhamu, amemeza, abeka uMpande inkosi enkulu yakwa'Zulu. Loko kw'enziwa uPotolozi. uMpande wawapa izinkomo eziy'izinkulungwane ezi'mashumi'matatu nesitupa; 'emu-ka nazo, 'ahluelana. Kwati kus'and'ukupuma leyo'mpi yamaBhunu ukuya'kulwa noDingane, induna yenkosikazi yamaNgisi, eyaibusa eCapetown, eyai pezu kwezwe lonke leli, yawabiza amabuto amaNgisi ay'es'eTekweni. Akwasala nelilodwa ibuto lenkosikazi ezweni lonke las'eNatal. Ati ukucabanga amaBhunu, 'Inkosikazi is'ilidelile leli-zwe; soku eletu; is'itanda ukuba sizibusele.' Aqala ukubusa ngemibuso yawo; 'aka izindhu, alima, 'alusa izinkomo, neziklabhu, namahashi, abiza izihlobo zawo, ati, 'Pumanzi kulelo'lizwe lenkosikazi, nize kuleli letu las'eNatal.

Kepa inkosikazi yaingatshongo njalo. Yaite, ngeziki-  
kati zonke, 'Lawo'maBhunu, asuka ezweni lami, awami;

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

lelo'lizwe las'eNatal elami.' Manje yati, 'Noko induna yami ibize amabuto, angilidelile izwe, angivumi ukuba amaBhunu azibuse kulona.' Induna yas'eCapetown yavuma ukuhlangana kahle namaBhunu; 'ala impela; yatuma amabuto futi. Kwafika uSmiti (Capt. Smith), namabuto ayinngcozana, a'makulu'mabili nje, enombai-mbai ababili. Wawela umGazi, wawela umZimkulu, wawela umKomazi, neminye imifula emikulu, wawela umHlatuzane, wangenisa kwa'Kangela (May 4, 1842). Leyo'mpi, ukuhamba kwayo, yawela imifula nemifuyana ey'ikulu namashumi'mabili nambili!

"42. AmaNgisi as'eTekwini aya'kuhlangabeza amabuto, ati, 'Kuhle, kuhle, bandhl'epakati! Asibonanga size sitokoze ngaloku'kutokoza. Ngennyanga eyadhlulayo yonke, sezwa ukuba amabuto ayeza; sasi s'engozini. Seqa kulelo'bandhla lezidhlova, elaliti, uma singahambi sihlangabezane silwe namabuto enkosikazi, liyakusipanyeka sonke. S'ala ukuvuma; saza sabaleka; sashiya izindhlu zetu, sati, sizakulondwa yinina. Akubongwe uNkulunkulu, loku senifikile.'

Yafika ngas'eTekwini ntambama. Yenza innqaba masinyane kwa'Kangela ngezinnqola; yalungisela izinto zonke zokulwa. Kwafika umlungu oway'ekona kwa'Kangela; wamangala ebona impi encinyane engako, kutiwa izakulwa namaBhunu. Wabuza wati, 'Ikona yini enye impi eza'upuma ngas'elwandhle na?' Yalandula induna uSmith, yati, 'Ang'esabi ukulwa, noko amaBhunu epindwe kibili.' Wahleka lowo'mlungu, 'azi ukuba impi yamaBhunu abantu abay'inkulungwane

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

namakulu'mahlanu, ihlome kahle izibhamu nezinye izi-kali. Ngalolo'suku kusihlwa, afika ngalo amabuto, abona indwangu yobukosi yamaBhunu ipanyekwe ennqabeni e'Tekwini. Aya kusasa amabuto, ayidabulela pansi, abulala umbaimbai wamaBhunu opansi kwayo, apaka-misa indwangu yobukosi yas'eEngland.

Izinduna zamaBhunu zaziqale zatuma izinnewadi enduneni. Y'ala ukuzitata, yati, 'Akuze zona uqobo lwazo.' Impi yapuma kwa'Kangela ngas'emuva kwe-zinsukwana, yaya yapetela ngas'etafeni lelo, kwa'ma-Linde, osokuy'i*Camp* manje las'eTekwini. Kwafika abaningi ku'maNgisi abantu abamnyama benzixatu zezampokwe, betshaywa amaBhunu, ebatshaya eti, 'Sitshaya uDingane.' B'esaba ukukuluma nomlungu.

"43. Kwati ngosuku lobuhlanu efikile u'Smiti, kw'ezwakala ukuhamba kwezinnqola ubusuku bonke, zihamba zidabula ehlatini. Induna yezwa kusasa, ukuba amaBhunu amaningi abutene e'Tekwini. Yalungisa impi. Kwadhlula lolo'suku afika ngalo, usuku lokupumula (May 9). Kwati ngangomuso, u'Smiti wayibiza induna enkulu yamaBhunu, wati, 'Kaize kuyena ayitshele izindaba ezitshiwo inkosikazi.' W'ala uPotolozi. Wati u'Smiti, 'Ngizakumquba 'eze.' Wakipa impi; yahamba, yafika kwa'Kangela, yabona amaBhunu ekwele emahashini, ehamba ngamandhla, ememeza, nabafazi nabantwana bekala, beti, 'Impi izakusitshaya masinyane.' Y'ile innewadi yebuto lika'Smiti, elalikona. 'Sati, uma sisondela kwa'Kangela, sabona uPotolozi, ehamba namadoda e'mabili esihlangabeza. Yati induna yetu, uma imbone

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

'eza, yasikuza, sema. Wafika enduneni, wetula isigqoko, wakuleka. Sambona kahle ekuluma nenduna; kanti indoda ende, ugongolo nje, kepa isisu iqaga nje.

'Induna yetu yamtshela izindaba zenkosikazi. Kepa walipika izwi layo, wati kodwa, 'Angitandi ukulwa namabuto. Kepa mina, nabantu bami, angitandi ukuba ngibe pansi kwemitetu yas'eEngland.' Wati, 'Icweba alibe elayo; mina ngiyakuleta izinto zami zokutenga kona.' Yati induna, 'Ai! akuyikuya kahle ngaloko; aiyikukuvuma loko inkosikazi. Hhalani izinsuku ezi-y'ishumi nanhlanu, niqonde ngazo.' S'ahlukana kanjalo, sabuyela e*Camp*.'

"44. Zadhlula lezo'nsuku eziy'ishumi nanhlanu, ngazo zonke lezo'zinsuku amaBhunu ay'ebutana kwa'Makala, ngapetsheya kwomLazi. Wakuzwa loko u'Smiti; kepa way'etanda ukungalwi uma kung'enze, ngokuba wabahaukela, ebona b'enza bengazi. Ngaloko-ke wahlala leso'sikati sonke. AmaBhunu es'ehlangene ngokwenza kwawo adhlula kwa'Kangela; afika 'enza innqaba lapo. Nansi innewadi ka'Smiti, ayilobela induna enkulu yas'e-Capetown, ngokwenza kwake kwokulwa namaBhunu.

Wati: 'Ngiyakubikela, ngidabukile kakulu, ngokwo-kuhlasela kwami okubi amaBhunu, abutene kwa'Kangela. Ngakubikela kuqala ngezinto ezinye, ezenziwa ama-Bhunu, ahlupa amabuto: ngati ngiqinisile, uma kung'enza ngokwodumo lwenkosikazi, angiyikuhlasela kuwo, ngifisa ukuba ngibahlanganise nati labo'bantu abadukileyo, ngibatulise kahle. Kepa kufike inncwadi, ivela kuwona, yakuluma ngokwokudumaza, yajivaza, yati, impi

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

yami kaimuke masinyane eNatal. Futi kufikeabantu behlomile, badhla izinkomo ezi'mashumi ay'isitupa zempi yami. Ngabona ukuba loku sokuy'isikati sokuvimbela ngamandhla ukwenza okunjalo.

"45. 'Ngati, sengiqondile kahle, sokufanele ukuba ngingene ngempi ennqabeni yawo kwa'Kangela. Kepa indhlela, eyaiya kona, yaidabula ehlatini. Ngati kuhle ukuba sihambe ebusuku ng'esobala emanzini, osebeni Iwecweba, uma lisemukile. Ngafaka umbaimbai emkunjini, ngati auhambe, uze ufiye ngakwa'Kangela, uhlale ngize ngifike nempi, wenzele ukuba impi ike izze ipelele, ilunge. Ngayikipa impi eyikulu namashumi'matatu nashiyagalombili. Sahamba pakati kwobusuku; kwaku-kanya, innyanga is'ihlangene. Safika eduze nennqaba yamaBhunu. Kepa umkumbi angaze ngawubona. Ngati akuyikuba kuhle uma simi lapa, asihambele pambili. Sahamba saya safika eduze nensonge, sisitwe imiti ngakwesokuponsa. Kwati, uma sesizakufika ekupele ni nemiti, sesizakupumela esikaleni esis'obala nakwa'Kangela, s'ezwa amaBhunu es'esitshaya, singawaboni, sisitwe imiti. Salungisa ombaimbai betu ababili; satshaya ngabo; anga ayatula yiloko. Kepa izinkabi ezazidonsa ombaimbai, zabhekuza, zabawisa ombaimbai. AmaBhunu atshaya futi ngobunzima; kwafa abanangi bempa yami. Ngabona ngati kuhle uma sibuyelesemuva. Sati yeme ukubuyela: kwaba ingozi, ngokuba kwasokubuye idobela. Kepa ngadabuka ukuba sishiye ombaimbai, kufe izinkabi.'

"Empini yamaNgisi kwafa amashumi'matatu nane,

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

nezinkubele ez'amashumi ay'isitupa nantatu. Masinyane pakati kwobusuku amaBhunu afika ennqabeni, afika ngamandhla; kodwa kaba na'mandhla okungena; kwati ngovivi e'muka. AmaBhunu onke ay'es'empini, ay'emakulu'matatu ay'elinde innqaba yawo. Kepa kulawo ay'ingcozana, ay'elwa pakati kwobusuku, akubanga-ko ingozi kuwona; ay'esite ngemiti kahle.

"46. AmaBhunu ahlenga kahle izinkubele zama-Ngisi, azikipa emanzini, aziyisa ku'Smiti ennqabeni, kanye nabafileyo; oSmiti babambela kahle. 'Euka amaBhunu, aya ePainde (*Point*), afika apanga ukudhla konke kwempi yamaNgisi, okwakufike ngemikumbi, kusahlezi kona. Bapanga nombaimbai; bapanga nezinto ezazi s'emikunjini emibili es'ecwebeni; batumba amaNgisi onke abawa fumanisayo, ababehlezi eTekwini, uKito (*G. C. Cato*) nabanye, abashiyagalombili, ukupela kwabo; bapanga izinto zonke zabo. Babayisa kwa'Kangela kuqala; bababopela ezingongolweni ngezinsuku zaza za shiyagalombili; babayisa emGungundhlovu. Bati, uma bafike kona, babafaka eTilongweni, bababopa ngamaketanga emminni, kuti ebusuku bababopela ezingongolweni, amasonto az'aba yisitupa.

"Kepa uSmiti mempi yake, amaBhunu ay'envimbele aba ngako. Kwati masinyane ngas'emva kwaleyo'ngozienzima, uSmiti way'etume isigijimi sokuya'kubikela induna enkulu yas'eCapetown, ngokwenza kwake kwosizi, uDiki (*R. King*), wavuma ukuhamba ayise lezo'zindaba. uKito, engakabanjwa amaBhunu, wamwezisa icweba ebusuku, kanye namahashi amabili, emikunjini emibili,

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ukuze angabonwa amaBhunu. Wahamba ngamandhla yedwa, pakati kwezizwe angaz'aziyo; wawela imifula eminingi emikulu; wafika, wayibikela induna. Ekupeleni kwezinsuku ezi'mashumi'matatu nanye, kwafika ukuputuma, yapuma eka'Smiti engozini.

"Kepa leyo'ngoz i yainzima impela! Babengasena-kudhla, basebedhla amahashi, notuli lwempupu yezi-nkwa, *nefoliji elibhuliweyo*, beqinise ngokung'ahlulwa amaBhunu. Kwakukona lezo'zinkubele eziningi, nabanye abagulayo abaswele ukulondolozwa kahle. Kwakukona kuqala nesifazana nabantwana; kepa amaBhunu ati, kasipume, siye emikunjini. Ngemihla yonke amaBhunu atshaya ngombaimbai; atshaya ka'makulu ay'isitupa namashumi ay'isihlanu nanye; kwafa ku'maNgisi abantu abahlanu nje, kepa abane baba izinkubele. Kwaba njalo-ke; izindhlu zonke nezinto ezipakati kwennqaba zabulawa impela.

"47. Zadhlula lezo'zinsuku ezi'mashumi'matatu nanye. Kwati ebusuku u'Smiti nemi yake babona ngo-kujabula izibonakaliso zokufika kwomkumbi wokulwa wamaNgisi. Kwati ngangomuso ebusuku kwafika omunye. Ngangomuso ntambama amabuto apumela ePainde (*Point*), ayidabulela pansi indwangu yobukosi yamaBhunu, apakamisa indwangu yobukosi yas'eEngland. AmaBhunu atshaya isikatshana kulawo'mabuto, abuya abaleka; amabuto akupuka, aqonda ku'Smiti, ahlangana nemi yake.

## ISAHLUKO XLII.

## AMASHINGA AMABI.

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"Kepa kwakukona abamnyama abatile, abenza into embi ngaleso'sikati. Yaite induna yaleyo'mpi eyafikayo, 'Abamnyama bonke abafune izinkomo namahashi, bazi-lete empini yake.' Kwapuma abamnyama abay'ingcozana, babulala amaBhunu amatatu, engalwi nempi yamaNgisi; baya emizini yawo, bafika bafumana isifazana, basidwengula izingubo zaso, basihlubula, basipata kabi, basisika ngemikonto, basixotsha ekaya. Kwaba kubi impela loko-'kwenza okunjalo; benza icilo labo'bantu."

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

[abantu aba amashinga labo kwaku uFunwayo ka-Mpopomo wakwa'Lutuli kanye nabantu bake, abenza lawo'manyala, babulala uDerekke namadodana ake amabili, bagila amanyala amabi okuhlubula aonoyi, babanqu-nisa impela, babacumbeza ngemikonto, babakipa ekaya, babadingisa.

Ukwenza kwobugcwelegcwele okunjalo kukomba isimilo somuntu owabe ekugila ukuti wabe eng'umuntu onjani na? Kunjalo. Nalowo ongamaziyo uFunwayo, ongazange ambone ngamehlo ake, uyakutshetsha ambone ukuba kwakungeso'muntu wa'luto, kwaku isigangi, isigila-'mikuba emibi. Uze wemuka emhlabeni esezenza bona ubushinga lobo. Wabe enesifunda sake esencikene nesomfo wabo uNondenisa ka'Mabhangwini was'ema-Tulini. Esika'Nondenisa sisemi nanamuhla sipetwe

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

umzukulwana wake uMdungazwe ka'Makongolo. Kepa esika'Funwayo sesanqunywa sapeliswa. Nendodana yake uNdhlela, ose watshona naye, wabe enge'muntu wa'luto, ey'isigcwelegcwele njengoyise; eqedwa ngugologo kakulu yena. Naye wabadhla bonke abafo wabo ebagcweleza efuna izimpahla kubo. Indodana ka'Ndhlela yambana nomteto yakomkulu. Basebuwa ngaloko ubukosi buka'Funwayo, wapatwa ngabanye naye].

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

"Kwapela ukulwa kwamaBhunu; inkosikazi yama-Ngisi yabusa pezu kwezwe lonke las'eNatal. AmanyamaBhunu 'enama ukuhlala pansi kwokubusa kwayo, na namuhla asahlezi. uPotolozi namanye amanangi aqinisa ngokumuka. Abuya adundubala uKahlamba, ahangana nabantu bakubo, abahlezi kona enzansi kwomfula omkulu (*Vaal River*) ababezibusu kuleso'sikati, bepume emazweni enkosikazi, begale ukwaka umuzi omkulu eBloemfontein. Ngas'emva kwesikati kw'ezwakala ukuti labo'bantu batanda ukuba uMpande ahla sele ku'maNgisi las'eNatal. Kw'ezwakala futi ukuti bahlupa abantu abamnyama abahlezi nabo. Yati inkosikazi yamaNgisi, 'Lawo'maBhunu abantu bami, noko sebepume ezweni lami. Angivumi ukuba bazibuse b'enze loko.' Yatuma induna nempi; impi yalwa namaBhunu, yawazatsha; inkosikazi yabusa pezu kwalelo'zwe. uPotolozi, oway'ebusa amaBhunu, nabanye abantu bakubo, wawela lowo'mfula omkulu; w'aka ngapetsheya kwawo, wazibusu kona. Yabayeka-ke lapo inkosikazi; na manje\* ama-

\*Esusela osukwini lokucindezelwa kwale'nnnwadi, 1856—M. M. Fuze

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

Bhunu asazibusu kona. Kepa uPotolozi us'afa (July 23, 1853).

"48. Kepa lelo'lizwe elingas'enzansi kwomfula omkulu lal'akiwe iziwe zabaSutu ezinningi, engakafiki amaBhunu namaNgisi. Lal'akiwe futi amaBasteli (*Bastaards*), okoko bawo amaBhunu, kepa onina izinhlobo zezizwe ezinye ezimnyama. Labo'bantu babevele ezweni lenkosikazi kuqala, bebuswa umuntu omnyama, igama lake uAdam-Kok. Manje sebebuswa umuntu omnyama; kepa isizwe sakubo kutiwa amaGriqw. Inkosi enkulu yabaSutu, uMtshwetshwe (*Moshesh*). Kepa kukona izizwe ezinye ez'enza njengabaSutu. Kukona namakosi azo, uSigonyela, noMyezane, noMoroko, namanye. Bengakafiki labo'bantu abamnyama, kungatiti endulo, lelo'lizwe namanye amazwe angalapo ay'akiwe amaBusumane (*Bushmen*), ukuti, abantu behlati. Labo'bantu abancinyane, abana'kufundiswa impela, ngokuba abajwayele ukuhlangana nabantu. Abana'nkomo, abana'masimu; bapila ukweba izinkomo zabantu, na izinnyamazane, abazitshaya ngemicibitshelo enobuhlungu. Abakelene; uma b'ahlukaniswe umfula nje, ab'ezwani ukukuluma kwabo; ngokuba ulimi lwabo luyaqoqoza ukukuluma kwalo. Bahlala emihumeni ezintabeni; ikona imihume enjalo oKahlambeni, es'eyashiywa abaniniyo. Pakati kwayo baloba imifanekiso yezinkomo, neyabantu abakwele emahashini, neyezinye izinto ezinjalo. Labo'bantu babevamile kuleli'zwe las'eNatal; ukuhlala kwabo ku okwempi iminyaka yonke, besinda ukweba izinkomo zabantu. AmaNgisi, ukufika kwawo

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

lapa, afika 'aka innqaba ngas'emTshezi yokulinda bona labo'bantu; ngokuba ngaleso'sikati babesenamandhla okweba izinkomo zabantu. Kuleyo'nnqaba kwakuhlala amabuto akwela emahashini.' Namanje isekona leyo'nnqaba; kepa akusahlali'muntu kuyona; ngokuba sokwapel a loko kuleyo'ndawo. Kodwa akukapeli impela ukwenza kwabo kwezinye izindawo. Amabuto asahlala elinda ngezikati zonke ukwenza kwalabo'bantu.

"49. Manje inkosikazi seyaliyeka lelo'lizwe elinge-nzansi kwomfula omkulu, is Angqu (*Vaal River*). Yaliyeka ngaloku, ukuba kwati amaXosa es'elwa namaNgisi okwobune, kw'esuka uMotshwetshwe, welekelela amaXosa. Impi yamaNgisi yaw'ahlula amaXosa; yadhlulela ku'Motshwetshwe, ukuya'kumtshaya. uMotshwetshwe wamema impi yake, yalwa namaNgisi (1852), yaxotshwa: kepa yalwa ngesibindi; umuntu osileyo yena úMotshwetshwe. Zati izinduna zenkosikazi, ezazibusa kulezo'zindawo, zati, 'Leli'zwe aku'zwe la'luto; noko inkosikazi iliyeka, kulungile. uMotshwetshwe, nabantu bake, uma etanda ukuzihlalela, kahlale azikonzele ku'maBhunu.' Kepa angitsho, ukuti, lezo'zinduna z'enza kahle; zalidelela izwe lenkosikazi, ngoba izwe lihle lelo lokwondhla izimvu kunalawa onke as'enzansi. Kepa izinduna zenkosikazi zatsho njalo, yavuma, yaliyeka lelo'zwe, yati abantu bakona abazibuse. Na manje bayazibusa; amaBhunu ayazibusa, noMotshwetshwe nabanye abantu abakona bayazibusa nabo. Kepa kus'and'ukulwiwa amaBhunu noMotshwetshwe; 'ahlulwa amaBhunu; abiza induna enkulu yenkosikazi, es'eCape-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

town, ati, kaizobahlanganisa. Y'ezza yabahlanganisa no-Motshwetshwe; kepa angitsho ukuti bayakuhlala ku ukutula njalonjalo ngezikati zonke.

"50. Inkosikazi yamaNgisi yaqinisa ngezwi layo ukwenza kwezinduna zayo ngezinto zas'eNatal. Y'emisa izunduna, okutiwa, o*Hulumeni*, zokulibusu egameni layo. Yati az'enze kahle izinto zonke zokulunga, pakati kwa-bamhlope nabamnyama. Ilibusu leli'zwe ukuba ilonde ukulunga konke kwomusa egameni lika'Nkulunkulu, yandise ngamandhla ubuhle nenhlanhla yabantu bonke balo. Y'emisa uSomtseu, yati, kabe induna ka'*Hulumeni*, yokumluleka ngezinto zabamnyama. Yemisa abokuteta amacala kwezinye izindawo zezwe, ukuba kulungiswe izinto zonke zokupikisana, nokuba kutshaywe abantu bonke ab'enza ububi, abamhlope nabamnyama. Yayaleza kakulu ukuba labo bonke, nezinduna zonke zabo, benze okulungileyo, ukuba abantu bonke bayo batokoze ngokubusa kwayo.

"51. Kuhle ukuba abantu abamnyama bazi kahle ukuba nembla inkosikazi aivumi ukuba bapatwe kabi, bahlutshwe, badelelw, baxotshwe ngamandhla emazweni abo, abahlezi kuwona ngokuvuma kwayo, engesiwo amazwe abalungu. Bhekani! kung'enzeka loku, ukuba abantu abamnyama basuswe ezweni abahlezi kulona, banikwe elinye izwe; ngokuba abamhlope, nabamnyama abangafundiswanga kahle, abafani ngokuketa izwe. Abalungu baketa izwe elifanele ukulinywa ngegeja labalungu; abamnyama baketa izwe lokulinywa ngompini wabamnyama, baketa nje pakati kweziroqoba. Ngaloko-

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

ke musani ukusola uma nga *uHulumeni* esuk'eti, egameni lenkosikazi, ku'bantu abamnyama, abangafundiswanga ngemisebenzi yabalungu, 'Sukani kuleyo'ndawo; ifanele umlungu; niye kuleya, efanele abamnyama.' Kepa inkosikazi iyakwala impela ukuba abamnyama bahlutshwe badhleke, baxotshwe emazweni abo, ngokujabulisa umlungu nje. Iyabatanda bonke abantu bayo, abamhlope nabamnyama, ibanakekele. Iyazi ukuba *uNkulunkulu* ubanike bonke esandhleni sayo, ukuba izamele inhlanhla yabo bonke. Njengaloko-ke ukususwa kuka-'Mnini ezweni lake elidala, yati inkosikazi kanikwe elinye libe elake nezizukulwana zake.

"52. Kepa iyatanda impela inkosikazi ukuba abantu bayo abamnyama bafundiswe imisebenzi yabalungu, babe nefu lamazwe abo njengabalungu, b'azi ukuwaltungisa nokuwalima kahle, baveze imali kuwona, batenge izinto ezinye zabalungu, abangahlala kahle ngazo, bahlangane ngokwenama nabo, bangati behlezi babe besola ize, ngokuba bengafundiswanga. Njengaloku uma betela imali, bayasola, bati, 'Siyahlupeka ukutela imali.' Loku kuya ngokuba bengasebenzi imali ngokwabo. Uma banamazwe abo, bazisebenzela kuwona, batole imali ngokusebenza kwabo, bayakwenama ngaloko ukutela imali, njengabalungu laba bonke bayayitela imali ngezwi lenkosikazi, ukuba izinto zonke zabo zilondolozwe zilungiswe ngaleyo'mali. Kepa bona abalungu abasoli ukutela imali enjalo, ngokuba bayazisebenzela, bay'azi futi ukuba ngokutela leyo'mali baziungisela bona, ukuba kulondolozwe izinto zonke zabo. Le'misebenzi, yokuti

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

abokutela amacala, namabuto okuvimbela impi, nezi ndhlela zokuhamba izinnqola, nezinto ezinye ezinjalo, loko konke kulondwa ngaleyo'mali, ukuba kungafiki izizwe zilicite izwe lakiti, zibulale abantu bakiti, kuhlupeke izingane kuhlupeke abafazi, kutshiswe imizi, amasimu alale amafusi, abantu bahlale emahlatini. Iyatanda inkosikazi ukuba kupele loko'kuhlala okunjalo pakati kwezwe layo, kwabamhlope nabamnyama, nezinye izinto ezimbi, ezipambana nemiteto, okuka'Langalibalele, noPutini, noMdutshana, noSidoi, noMatshana. Aivumi ukuba abantu bayo bangahlali kahle, bezinge bexuxuma belwa abanye nabanye, behlubuka emakosini. Ngakoke iyatuma amabuto nezikali zokucita loko'kuhlala okunjalo, nezokutshaya ngamandhla abatakati bonke." 'Izindaba zas'eNatal,' by Bishop Colenso, lxxxi.-cxiv.

## ISAHLUKO XLIII.

UKUMA kwoTSHAKA noDINGANE noMPANDE  
IZELAMANI.

*uTshaka kwaku umuntu nje tina ekulile enomzimba, ku'sijaqaba nje, sejara; way'e nezinqe izinqe zake zazilingene zinge'zikulu, zinge ngangezika'Mpande; uMpande lo unezinqe. Way'e nomzimba omkulu tina; kodwa kwazisa ukuti umuntu ohlaselayo, ongahlaliyo. Way'e nsundu umbala wake; kodwa-ke yena, ukuba kwaku inkosi, ecacambiswe ukudhla. Way'engadilikile njengoMpande, wab'e isidhladhla nje. Babelingana no-Dingane; owab'e mude, uMhlangana; uMhlangana-ke*

*Ezis'enncwadini 'Izindaba zas'eNatal.'*

wab'e ngangoSikota ngaka. uMpande umnyama; uzi-mukile; au! uzi-mukile, uzi-mukile kakulu," 'Izindaba zas'eNatal,' by Bishop Colenso, p. cxxi.

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

UKUBUSA KUKA'MPANDE.

Zaba njalo-ke izindaba zamadodana ka'Senzangakona, ka'Jama, ka'Ndaba, ka'Punga, ka'Mageba, ka'Nkosinkulu, ka'Ntombela, ka'Malandela, ka'Mnguni. Indodana enkulu ka'Senzangakona, uTshaka, owazalwa ngokwomhlola, inxa umuntu ekuqapela kahle ukuzalwa kwake, njengokuluba kuka'Nandi, ey'inkosazona enkulu yenkosi yas'eLangeni,—ahle alubele uSenzangakona, eng'umfana, es'ekusokeni,—ahle amnxanele ukuba ahlangane naye bengazani, bengabonange bebonana ngapambili, aze abe uNandi uyasitola isisu sika'Tshaka, ey'intombi yomuntu omkulu, oy'inkosi, uMakedama ka'Mgabi was'eNguga (umuzi wake). Liti-ke lelo'gama abamqamba ngalo libe nzima nalo, lokuti ng'uTshaka, (oku ukuti uyakutshakazisa izizwe zonke). Unina lowo —uNandi—umlubela njalo uSenzangakona, sekuzakupela nya loko'kumtanda inxa es'empete ngesisu, lupole nya lelo'lutando ngaku'Senzangakona naku'Nandi, angabe esabako olubela omunye kubo bobabili; beng'amakosi bobabili oSenzangakona noNandi, benamandhla okwenza abakutandayo, bengavinjelwe'muntu. Kuhle umuntu aqale abukisise les'o'senzo sonke ukuba sitini na? Ezwe negama lake lelo ukuba litini? Likomba ukuti uyakwe-nzani emhlabeni?

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

Kwoti uba akuqede akuti swaca ukubalisa ngoTshaka, kubekuhle ukuba acabange ngegama lokuti uDingane, nelokuti uMpande, nelokuti uMhlangana, ukuba akumusha ukutini na? Ngoba omatatu as'obala. Leli elokuti "uDingane," liti, uyakudinga ezweni, kayikufela lapa kwa'Zulu. Liti, uyakuba nemikuba emibi, eyakumenza ukuba ahambe ezula nezwe; kuze kuti ukugcina afike ezweni elingesilo elakubo, lapo amatambo ake eyaku-gqitshwa kona. Kanti-ke leli lokuti "uMhlangana," likomba ukuti "iliba lake lis'emhlangeni," endhle, aliko ekaya. Kugcine leli-ke lokuti uMpande; elikomba ukuti "impande yomuzi wakwa'Zulu." Lelo lisitshenisa ukuti, ukuba uMpande wabe engeko, umuzi wakwa'Zulu wau-ngasoze wabakona. Ngani na? Ngoba kung'uye yedwa ozeleyo; bonke laba esengibabalile kababizwa ngamntwana ezweni. Ngani na? Ngokwenza kwamabomu nje, akuyi ngokunye.

Wangena-ke kaloku uMsimude ovele ngesiluba pakati kwamaNgisi namaQadasi; uNowela-muva waoTshaka: Inkonjan'edukel'ezulwini. Wabuta ibuto lake loku-qala; wabuta isaNgqu; wabuta iNgulube; amaPela; wabuta uTulwana; wabuta iNkonkoni; wabuta iNdhlondhlo; wabuta uDhlokwe; wabuta uMbonambi; wabuta uNokenke, noKandampemvu, neNgobamakosi; uVe Iwasolubutwa uCetshwayo kanye noFalaza.

Ukubuta amabuto loku kukombo amazinga okubusa kwayo inkosi yakwa'Nodwengu, ubungako beminyaka yokubusa kwake. Waqala ukubusa ngo Feb. 14, 1840, mdhla ebekwa nguPotolozi weBhunu osebeni IwemFolozi;

waza wagcina ngo 1872, ukugoduka kwake. Loko kumkomba iminyaka e'mashumi'matatu namibili.

Ibuto lake lokuqala (1) Isangqu (ama'Tshitshi); kulanlele (2) iNgulube; besekuba (3) amaPela. Anduba abute intanga yabantwana bake (4) uTulwana (amaMboza). Emva kwamaMboza walandelisa (5) iNkonkoni. Emva kweNkonkoni wabuta (6) iNdhlondhlo. Emva kweNdhlondhlo wabuta (7) uDhlokwe. Emva kwoDhlokwe wabuta (8) uMbonambi (iNkonyan'ebomvu). Emva kukaMbonambi wabuta uNokenke (uZulu ekenkeseile); kulezi zikati-ke zokuhlaluka kwombango wabantwana bake. Emva kukaNokenke wabuta (9) uKandampemvu (oNqak'amatsh'ezulu, nyakamumbe bonqaka izinhlamvu zabelungu). Emva kwoKandampemvu wabuta (10) iNgobamakosi, (lapo-ke kwasokusemahlanganweni kayise nendodana, eyabe seikulile, uyise esegugile.

Maningi nje nawesifazana amabuto. Kodwa ngingewaconde kahle njengalawa esilisa. Kukona awakaTshaka nawaka Dingane nawakaMpande, kuze kufike kuCetshwayo. Kukona neNgcotsho, neNkehlela, neKwani, noMvutwamini, neSitimane, neNgcugce, noTiyane. Maningi impela amabuto ezintombi, angiwaqondi kahle.

Amabuto ezintombi lawa ayebutelwa ukuba kuze kujutshwe, awesilisa; kuti mdhla ejutshwayo kutiwe mawaganwe ngelezintombi elitile njengokubona kwenkosi. Aiko insizwa eyaingahle iganwe ngokubona kwayo ingakatsho inkosi. Aiko futi nentombi eyaingahle yende ngokubona kwayo noma itandana naleyo'nsizwa. Nje ngokuba izintombi ziyatshetsha ukukula kunabesilisa,

bekuba usizi olukulu ukwahlukana kwesixebe nesoka laso, mdhla izintombi sezijutshelwe ibuto eselididala, inkosi eseiti maliganwe. Iyo leyo indaba embi eyabangela ukuba elakwa'Zulu life, ngennxa yokuba kwasokufike ezinye izizwe eseziqapele zicwaninga ukuba zibulale umboso wakwa'Zulu, sekugcwele abaningi lapa esi-Lungwini ababaleka nezixebe zabo, asebefisa osongati bangahlala bangahlukani nabangane babo. Yiko loko-ke okwabulala umbuso wakwaZulu.

Seloku kwakuqanjwe ngu'Tshaka loko, kwahlala kumi ngokunjalo, loku kuze kwagcina kuCetshwayo esebulawa ngab'elungu nje ngo 1879. Kwaqambeka kona mdhla esedelelwya yiNgcugce, eyati lapa ijutshelwa eNdhlondhlwani, yanqaba yati "Ucu kahluhlangani," itsho ngoba amasoka ayo es'oDhlokweni nakuNokenke. Kwaba umhlola nje loko ukuba izintombi ziqambele inkosi, ingakatsho.

---

ISAHLUKO XLIV.  
UMKOSI.

---

Onke amakosi akwaZulu abe edhlala umkosi. Innyanga yokudhlala umkosi kwaku uNgcela (*December*). Umkosi ube ungena ngokutwasa kwennyanga. Kuti ngalelo'langa abutane onke amabuto, kungasali noyedwa emakaya, ukupela abagulayo, nezalukazi, nezikundhlwane, kumbe namaxegu lawa oseku amatakamba angasakwazi ukuzihambela. Udhhlala njalo unyezi us'ukanya ute kla! Kunjalo njalo kako noyedwa umuntu obe esedhla

ukudhla okutsha; yilo lolo usuku okuzaqaliswa ngalo ukuba kwetshwanywe, ngoba sekutshwame inkosi. Inxa engaba kona ongadhla ukwindhla ingakatshwami inkosi, ulingenwe ukufa, ngoba pela uqonela inkosi, uyeleka ngesitunzi esibi. Nonxa unyaka umubi, kuyindhlala enkulu kangakanani kako noyedwa ongalinga ukuzibulala njengaloko. Lolo lusuku lomkosi luvulela izitshwapa ukuba zitole ukudhla, zincibilike ebutshwapeni. Kakoke olambileyo ngalelo'langa; bazauti nonxa sebebuya emkosini bahambe bezidhlela umbhila nemfe. Inye into kambe, abayizilayo, bengakayidhli imiti yokutshwama—itanga lodwa. Innyama le aifunwa muntu, seyahlula nezinnja. Utshwala lobu sebu ngangamanzi okupala izikumba.

Wabe unjalo-ke umbuso wakwa'Zulu. Emkosini lapo njalo kulapa inkosi izautamunda izindaba zonke zokubusa kwayo, kujutshwe namabuto osekutiwa mawaganwe, ajutshelwe ukuba atate ibuto elitile lezintombi njengokubona kwenkosi namaduna ayo ayipeteyo.

Kuzauti inxa seitshwama inkosi, izinnyanga ziyekufuna uselwa endhle kwezinye izindawo, kanye nemiti yokutshwama. Izinnyanga zelape ziyingcindise inkosi. Ivuke ekuseni lingakapumi ilanga; liyapuma nje seikade imi iliqaapele. Lanele ukuti pasha nje, ilisikize ngembemba yayo, ilinganise ukuligenca ilinqamule kabili; loku pela iqale ngokulicinsa kuqala ngayo imiti emikulu yobukosi. Amabuto abese equleshewa ukuba abambe inkunzi enolaka, okuzauti uba ayibambe, ayilalise pansi, ibe seifika inkosi ngayo leyo'nkati, iyigence ngembazo yayo yobu-

kosi. Amabuto onke amemeze ati "Ji!" kabili, katatu. Innyama yaleyo'nkunzi aiyikupekwa; iyakwosiwa yonke esibayeni, izinnyanga ziyihuqe ngemiti enensizi. Imibengo leyo emnyama enensizi, yanele ukuvutwa qede eziko lapo, innyanga iwuponse pezulu umbengo, bawenqake ungakaweli pansi, usepezulu; ziwunqamulelane izinsizwa. Ungadhliwa uma souze wawela pansi. Mayidhliwe ipele leyo'nyyama. Kuti ngangomuso onke amabuto avuke qede apuziswe umuti wokuhlanza, okwobane bedhle leyo'nyyama. Mabahlanzele ndawonye bonke esitsheni esikulu, abazauhlanzela qede kuso, izinnyanga zikutate konke loko ziyokukuhlanganisa nemiti yazo; besokuxutshwa kanye konke ngokwazi kwezinyanga, kwensiwe inkata yomuzi, ezakuhlala emzini omkulu onjengas'eSiklebbeni, lapo kuyakuhlala kona inkata yomuzi.

Inxa libalele lwomisile izulu, kuzakuhlangana amaduna nabanumzana, kuyiwe enkosini, kuyokulunywa loko. Makuti ngolunye usuku inkosi imeme uZulu, kuqenjulwe izinkabi ezitile zas'endhlunkulu, kuhanjwe kuyoketwa emakosini—kwoSenzangakona, Jama, Ndaba naoPunga noMageba; kufike kutetwe, kubongwe, kuketwe. Lezo'nkabi zizakuhlatshwa zonke. Lapo-ke imvula aisezukuntulwa'muntu. Ngoba noma libalele kangakanani, belina inxa kuke kwabongwa amakosi.

Bekuti emkosini, ngesinye isikati, uti lapa us'ubutene upelele umkosi, kungapatwa amakosi akwaZulu, betuke sekujamuka innyandezulu pakati kwomkumbu; iqamuke qede ime iti puhle. Ati uZulu angatshaya izihlangu

wonke, ekuleka eti "Bayete!" inyamalale ingabe isabonakala.

**ISIFUBA.**—Akwenzeki ukuba kudhlale umkosi kungaqalanga ngokuyiwa emakosini kuyocelwa UBUKOSI kuqala, ukuba buyotwalwa emakosini buletwe izinsizwa ezinamandhla; ziyobutwala zibulete lapa ekaya emzini omkulu. Makutetwe kuhlatshwe kuqala kona lapaya emakosini, and'uba buletwe. Ngoba inxa kungenziwanga loko, bungeke butwalwe'muntu, bazakwahluleka abafana ukubutwala, ngokusinda kwabo, noma ku izinsizwa ezi'mashumi'mabili. Akuko'muntu ongapoqa isikundhla sokuba yinkosi yakwa'Zulu ongahle abe iyo inkosi ngapandhle kungasavumanga abantu, sebecele kuqala kuwo amakosi akwa'Zulu, lapa buhlala kona.

Enkatini yokubusa kuka'Dingane, lapa ubukosi babu' bukulu kakulu, kuti lapa kudhlalwa umkosi nje, sekubutene izwe lonke, inxa sekusa izifunda ngezifunda, afike uManyosi ka'Dhlekezele was'emaMbateni, afike nesake isifunda. Umfo omude olapaya, okanyayo ebusweni, kepa ey'imicondo ngezito, isisu lesi silapaya. Ufika njalo utwalelwwe utshwala ngezicumu, nennyama, namasi, nezindhlubu, nako konke ukudhla okuhle loku. Ati nomuntu olambileyo ayekukuleka kuye, amupe asute.

Kepa uManyosi lowo kwaku umuntu omkulu kangakonjalo, ey'innyanga futi yokuhaya amagama, eyigagu kambe; namanangi amagama okuhlabelela abe evama ukuanjwa nguye. Umsebenzi abe enguwo, wabe isimini sokudhla, eqeda intondolo yembuzi yedwa. Ngoba yaiti uba ihlatshwe intondolo, ipekwe kakulu ize ivutwe.

yahlikane namatambo, azikumukele kusale innyama yodwa. Iti-ke innceku uba iyiyise kuye seivutiwe, imnike amanzi ahlambe, emva kwaloko ab'es'edhla; kuti ngoba ukudhla sokusondezwwe kuye, azinge es'efaka isandhla embizeni, acapune innyama, seivutwe il'utiti nje uyikiyiki. Ayidhle ayiti qotu yonkana kusale amanqina nenhloko kupela. Emva kwaloko innceku itate isicumu sotshwala, isifukule, imbambele impuzise. Apuze-ke, innceku imbambele njalo, kuze kuti inxa sekusele utshwala obunenzika pansi, isikumule isicumu innceku emlonyeni ku'Manyosi; ab'es'ecambalala pansi njalo inxa es'edhlile.

Kwati mdhla kuggabuka igoda, lapa abantu sebebona uManyosi es'ehlubuka uDingane naye, batu, bezikulumela bodwa, "Hau! kanti noManyosi uhlubukile ku'Dingane namuhla, us'elandela uMpande njengabantu bonke na? Wo! Sobohla, Manyosi!" betsho isisu sake lesi esikulu esingenisa itole lonke njengenhlwati, yona iringa innyamazane yonke kanye nesikumba sayo. Naye-ke uqobo lwake uManyosi waza wazala indodana, wayiqamba ngegama lokuti "uSobohla," ebbinha lelo'zwi labantu ababellitsho kuye, beti, "Sobohla, Manyosi."

Kwabe kuti mdhla kujutshwa izintombi nebuto lezinsizwa ukuba batatane, izintombi eziningi zendele ku'muntu'munye, ngennxa yokuba ezinye zingatandi ukwendela ku'abantu ababi ezingabatandiyo, kungaloko-ke ukuba abanye abanumzana babezala isizwe ngelanga, b'ake imizi emikulu kakulu kunabanye abantu; kepa abanye abafokazana-mfo badhlule bangayitoli neyodwa intombi yokubagana, pezu kwezintombi eziningi kangako!

Ukulobola intombi ejutshwe yinkosi, kwakungesilo icala elikulu ku'yise wentombi, ukuti intombi yake ingendele kulowo'muntu engakazikipi izinkomo zokuyilobola kuqala. Ngani na? Ngoba intombi yabe iziponsa nje ku'muntu ingazani naye, ingahlangene naye; oyise babevama ukubiza izinkomo emva kwoba intombi seike yazala kulowo'muntu; uyise atole mhlauumbe inkomo ibe'nye kumbe zibe mbili; zize zifike nas'esitupeni, kumbe eshumini, ngezikati ezide emva kwoba intombi leyo seyaba ngumfazi. Kwakungesilo igugu loku ukuti izinkomo zokulobola intombi mazibe ishumi, imvamo zaziba isitupa, kutiwe ipelile inhloko yomntwana. Kwabe kukuhle nje ku'abantu ukuzihlanganelu, bazikulumele bodwa bengayile emacaleni. Kwakuti inxa intombi seeizele kulowo'muntu kepa ingalotsholiwe, uyise wentombi afike atwale omunye umntwana ammisse esikundhleni sendodakazi yake; kudhlule kube kuhle nje naku'myeni, omunye abe es'ekipa izinkomo ngaloko, abuyise umntanake.

ISAHLUKO XLV.  
UKULUNGA KUKA'MPANDE.

Ukulunga kuka'Mpande kwabe kukukulu kakulu, kako noyedwa kwabaka'Senzangakona owaka wafana noMpande, owabe ezibeke pansi engazitwele njeng-abanye. Ibizo lake leli litsho ukuti 'uyimpande yomuzi wakwa'Zulu." Yena wabe evile elungile kakulu, enge-nayo inhliziyo yobubi lobu eyai ku'bafo wabo.

Kepa kwakukona omunye umfo wabo owabe elama

yena uMpande, owasala mdhla uTshaka ehlasela kwa'Sotshangana ka'Manukuza inkosi enkulu yakwa'Nxumalo, owafa engakatati, kodwa enomuzi wake wakwa'Mfemfe; umfo wabo kaMpande lowo kwaku ng'uUzibe. Yena uzalwa ng'uSongiya inkosazana yakwa'Hlabisa. Kwati uba uMpande avunyelwe ukutata yena ku'bafo wabo, wabe es'etata uNozibhuku intombi yakwa'Nxumalo, wamatatela emzini wakwa'Mfemfe, yazala uHamu, wamenza inkosana ka'Ngibe. Lowo'muzi umi njalo, ukona nanamhlanje.

Le'nkosi ecumileyo (uMpande) yati uba ibutate ubukosi yaka umuzi wayo omkulu, kwa'Nodwengu, owabe u'masango'mabili. Induna yake enkulu kwaku uMasipula ka'Mamba was'eMgazini kwa'Zulu. Le'nduna yabe inolaka olwesabekayo, ingancengi noma ubani, inxa onile ihle imbulale nje masinyane. Ngolaka lwayo yaza yesabeka nas'enkosini uqobo naku'bantwana bonke benkosi. Ngolunye usuku, uMasipula ngolaka lwake, wabulala indodana yake uZiyankomo ngennxa yokuba eti uhlanganeleni nentombi eng'umdhunkulu, okungavunyelwe ukuba abantu batandane nalezo'ntombi na? Kwati ngoba lowo ka'Masipula wabe eyintanga yabantwana benkosi kwaba buhlungu kakulu kubo bonke, nas'enkosini futi, kepa bengena'kumenza'luto uMasipula.

Le'nduna yabe ikutanda kakulu ukubulala abantu; ukuba yabe yesabeka kambe, yabe yesatshwa na inkosi uqobo kanye nabantwana bonke benkosi, ifana nesilwane impela. Kwati kona mdhla kugoduka inkosi, uMasipula walinganisa ukwenza lowo'mkuba owabe wenziwa ng'u-

Tshaka mdhla kumbelwa unina uNandi — ukumbela abantu elibeni bezwa, nokubulala abantu kutiwe bapelezela inkosi. Kodwa-ke kabanga na'mandhla okukwenza loko ngennxa yokuba kwasokukona uCetshwayo, owati uba ezwe lowo'moya wokuti uMasipula unxanele ukwenza loko, watuma izwi ku'masipula lokuti, "Bangabulawa abantu; konje tina siyakusala sibuse ngani, inxa sekubulawa abantu bonke beqedwa na?" Lelo'lizwi lamhlaba uMasipula engakabulali abantu, noma ngingeqinise ngiti nqi, ukuti wab'engeko noyedwa owabe es'andhlalele inkosi, kulowaya engimaziyo, uMasipula wansondo!

Inkosi yakwa'Nodwengu, kambe, yabe ingakutandi yona ukubulala noyedwa umuntu oqondwe iyo ngenhliziyo yayo; yona yabe ibatanda bonke abantu baka'yise. Inye indaba eyaba buhlungu kuyo; mdhla ibulala umfo wabo owabe esesele yedwa, uGqugqu abasebesele bobilu naye mdhlana uDingane ebulala bonke abantwana baka'Senzangakona. Yena-ke lona, uGqugqu, wabe eyekwe ngoba wabe ese ngumfanyana omncane, inganti uMpande yena wasinda ngokuncengelwa nguNdunankulu uNdhlela ka'Sompisi, owati ku'Dingane, "Nkosi, uzau-sibulalelani isilima sika'yihlo lesi?"—etsho ngoba uMpande wabe enomcoboko esitweni, engahambi kahle.

Ukubulawa kuka'Gqugqu kwaba nje:—Naye wabe enomuzi wakwabo, enabantu bake abamkonzayo. Kwati-ke ngolunye usuku, ekonzile naye enkosini njengabo bonke; kwati kuhleziwe nje ebandhla, watimula. Abantu bakwabo bati, "Tutuka, Mageba!" njengomkuba otshiwo inxa kutimula inkosi. Loko kwasokukomba ukuti lok'u-

kutsho kuzaahlalukisa umbango wokuba axabane nomfowabo uMpande, abange ubukosi naye; wabulawa-ke. Ngoba izwi lokuti "Tutuka!" lingetshiwo naku'bani was'endhlunkulu, ukupela enkosini ebusayo yodwa; lifana nelokuti "Bayete!" Nonxa uMpande wambulala uGqugqu lowo, akubangako ukutokoza enhliziyweni yake, ngokubulala umntwana osewasala yedwa ka'yise, pezu kwabantwana abanigi kangakaya ababezilwe nguSenzangakona. Po! njengoba naye wabe engazipete, wabe epetwe ngabanye, kwakungenzeke ukuba uMasipula ka'Mamba ahle atule ati nya, loya owabe etanda ukubulala abantu kangakaya! Wafela kuleyo'ngcingwana-ke enjalo uGqugqu.

## ISAHLUKO XLVI.

## AMACALA OKUBULALA UMUNTU.

Amacala okubulala umuntu kwaku yilawa:—(1) Uku-takata, (2) Ukupinga, (3) Ukweba. Ukutakata kambe ku ukulumba umuntu omunye ngomuti otile omubi wokubulala, kumbe ukumdhliisa, ngokutela umuti obulalayo ekudhleni, azakuti uba akudhle omunye, afe. Ukupinga umfazi womunye wakini; ozauti ukwenza loko okubi, ube ukufihlela bonke abanye, ukwenza ngesinyenyla nobabili ninalowo'mfazi wesihlobo sako, nicabanga niti anibonwa'muntu, niti loko enikwenzayo kwaziwa yini nobabili kupela. Inganti nangu uNkulunkulu epakati kwenu, nikwenza emehlwani ake. Ukweba impahla yomunye owakelene naye; ozauti uyitata kungaboni-

'muntu, ucabange uti kako noyedwa okubonayo. Inganti nangu uNkulunkulu utata loku nje ekubhekile. Yena uhlala nave alale nave, emmini yonke nas'ebusuku bonke, kahlukani nave nangasipi isikati.

Umteto, noma ngingati imiteto, eyabe ibulala abantu embusweni wakiti kwabe ku ileyo. Owabe enza loko wabe eqonda ukuti inxa efunyenwe enza loko uzakufa, abulawe ngezandhla.

Kuleyo'mikuba eyaziwayo emitatu, kukona (4) Ukuqamb'amanga. Naye umuntu ovama ukuqamb'amanga, wabe eqonda ukuti inxa evama ukukuluma amanga ngabanye abantu, kuhle aqapele angakunaki loko, ngoba inxa ekunakile ukwenza njalo, kungaze kumrolele emasangweni okufa naye.

Amanga abe engesibo ubuhle embusweni wakiti. Umuntu ovama ukukuluma amanga kwakungatshiwo ukuti ngumuntu woto, wabe ebizwa ngokuti "urubhu-kabhejana," "iratanga," ebizwa ngawo onke amabizo amabi lawa, okukomba ukuti aku'muntu wa'luto.

Umtakati wabe ehlonyelwa ebusuku; abanjwe qede, kucijwe izinti ajojwe ngazo. Bamjoje qede ebusuku bamtwale bamyise eduze kwomuzi wake, bamshiye sebebonile ukuti usezakugaqa ngamadolo ayongena endhlini kwake. Kwakungatshiwo ukuti lowo onjalo ngumuntu.

Ukunyonyobela owesifazana elele ubutongo engazi, lowo wabe ekanye nomtakati, ebulawa.

Ukukuluma amazwi amabi ngenkosi nokuyisomboza, ku icala lokubulala umuntu.

Ukwona intombazana yomuntu, ati omunye ayenze umfazi, ingakabi yena, ku icala elikulu. Kufanele intombi ikule ize yendiswe ingonakele. Owenza loko unecala elibi.

Izintombi zazihlolwa unyanga zonke. Kwakungenzeki ukuba intombi isome zonke izinnyanga. Yaiti intombi inxa isoma nesoka layo, izibute ingazene. Inxa ilala kanjalo isoka lizakuyala, liti ilibangela icala.

Kwakungenzeki ukuba intombi imite izalele ekaya kubo; ku icilo elikulu loko. Futi kwakungenzeki ukuba intombi ezalele ekaya iye emgidini, isine kanye nezintombi ezigcagcayo. Icilo lelo.

Osoma nodade wabo kufanele ukuba abulawe. Kunjengalona opinga nominakazi (umka'yise) kafe nokufa.

Opinga nomzala wake unecala lokubulawa; ngoba kuse udade wabo lowo.

Ongena umfazi ka'malume wake kafe lowo ngoba kuse unina uqobo; ngokwomteto mababulawe bobabili.

Inxa udade wabo'muntu endele ku'muntu otile kepa lowo'muntu etate abanye abafazi bake, bonke-ke abafazi balowo'muntu seku odade wabo, kasaziqomisi izintombi zomkwenya wabo, sezi abanta bake, njengabo labo abazalwa ngudade wabo.

Izwi letu esiqinisa ngalo, siti, uminakulu womuntu (umka'yisemkulu) ngumfazi wake; indodakazi yendodakazi yake ngumkake. Kepa loko ku ukukuluma kwokufeketisa nje, akusilo izwi lamaqiniso; owenza loko kafe, ngoba wenza okupambene nomteto wabantu.

Ngokuhamba kwakiti, izizukulwana zize zifinyelele

eshumini and'uba umndeni wahlukane; kodwa, inxa ungakafinyeleli lapo, besengapansi kwalowo'muma, bahlala bebizana ngobufowabo njalo; kuze kwahlukanise inkosi yalapo and'uba batatane. Ngapandhle kwaloko kuhlala ku odade wabo nabane wabo njalo inxa inkosi isahlonipa ukuba lolo'luhlobo lutatane. Kungenziwe'muntu ngapandhle kwenkosi yohlanga lwakona.

## ISAHLUKO XLVII.

IMINYAKA YOKUBUSA KWAMAKOSI  
OMANE AKWA'ZULU.

Kuqala makuti ingakabalwa iminyaka yokubusa kwamakosi akwa'Zulu ewona apemba isizwe esikulu lesi esihlangeneyo, kube kuhle kukunjulwe ukuti amakosi onke asekelwe nguNkulunkulu, nguye owamisayo awasekele. Inxa ubukosi bungasekelwe nguye bufile, lowo, 'mbuso auko. Futi inkosi ebusa ingenawo umcabango wokuti iy'innceku, induna nje yokubonisela uNkulunkulu abantu bake, lobo'bukosi bayo kabuko, bufile; ngoba uNkulunkulu uzakubunquma masinyane bupele.

uTshaka, oyena abumba ubukosi lobu obukulu kwa'Zulu, wabusa iminyake el'ishumi kupela, Kwati ngo-kweyisa umnini'bantu bonke oyena empete abantu bake, umbuso wake wanqunywa, uNkulunkulu wavusa abafo wabo ukuba bambulale, belulekwa ngudade wabo ka'yise uMkabayi, owabe eti, uTshaka us'eqede abantu baka'yise ebabulalela ize, noma beng'one'luto. Wafa-ke uTshaka emva kwaley'o'minyaka el'ishumi. Nango-ke uMkabayi ebeka uDingane esikundhleni sika'Tshaka.

Wangena-ke uDingane esikundhleni somfo wabo uTshaka. Kepa yena wagila imikuba emibi ngapezu kwokwenza kwomfo wabo. Kwati loku abulala owakwabo ngoba eti uhlanya ngabantu, wadhlula wenza okungapezu kwaloko okwakwenziwa ngumfo wabo, ngaloko wati esabuse iminyakana ey'isitupa nje, wajeza ku'Nkulunkulu, wabe es'eyinquma iminyaka yake, wafa, Wanganisa esikundhleni sake umfo wabo uMpande esaqede yona leyo'minyakana ey'isitupa.

Wangena-ke uMpande esikundhleni somfo wobo uDingane. Yena-ke uMpande wazama ukuhlonipa uNkulunkulu; eqonda ukuti abantu abapeteyo laba akusibo abake, ng'abaka'yise (etsho njalo engati uyazi ukuti noyise uqobo wabe ebapatele uNkulunkulu). Wabusa-ke uMpande waze wapuziswa ubisi; waqeda iminyaka e'mashumi'matatu eva ngeminyaka emibili, ebusa ngobuhle. Emva kuka'Mpande kwangena indodana yake uCetshwayo, owangena embusweni omubi odungekileyo, kungasahleziwe kahle, ngaloku, kwokuba kwasekuke kwavela umbango pakati kwabantwana baka'Mpande; uMbulazi wakwoka'Mtungwa uMonase wakwa'Nxumalo, owab'e isixebe sika'Tshaka, eng'umdhunkulu, wabiwa nguTshaka, wamabela umfo wabo uMpande wati kamzalele; kanye noCetshwayo owazalwa ng'oka'Mbhonde uNgqumbazi wakwa'Zungu. Inkosi uMpande, es'egugile, wati ekwazi kahle ukuti uTshaka wamlobolela uNgqumbazi wati uyena'mfazi wake omkulu, kwati uba bakule abantwana, kwamkohla ukwenza kwomfo wabo omkulu

u'Tshaka, ukuti inkosana yake ngu'Cetshwayo wakwa-'Ngqumbazi; waqala ukukumbula elokuti inkosana yake ngu'Mbulazi ong'owesixebe sika'Tshaka. Lamkohla futi izwi lamaBhunu ambekileyo, alibuza kuye mdhla es'eyakulwa noDingane, lokuti kuye inkosana yake ngubani na? Wawakombisa u'Cetshwayo, abe es'emsika indhlebe ngaloko amenza upau lokuba aze amazi ngalo.

Umbango lo wokuxabana kwabantwana wasuka kanjalo. Naye u'Cetshwayo uqobo lwake wabe elinga ngokwamandhla ake ukuyekisa umfo wabo u'Mbulazi, ukuba bangaxabani; kodwa kwakukona uMantantashiya, owabe elama u'Mbuyazwe, ongavumanga nakanye ukuba kungalwiwa, owaze wakuluma nangomlomo kumne wabo u'Mbuyazwe, wati, "Uyesaba wena." Kwasokuba buhlungu naku'Mbuyazwe ukuba abizwe ngegwala. Balwa-ke-Zahlulwa iziGqoza, zahlulwa uSutu. Kwafa abanangi abantwana benkosi ngalelo'langa. Kwasokuba buhlungu kakulu enkosini, yamzonda u'Cetshwayo. Lapela izwi layo lokuti "Uyadela uMakasana, owaka wabona izinqama zake zikahlelana." (Lelo'zwi elaba libi kakulu ku'Zulu wonke, lacabangisa abantu ukuti iyo uqobo inkosi eqate abantwana bayo ukuba balwe.

Ite igoduka inkosi yabe ingasenayo inhliziyo enhle ngaku'Cetshwayo, ngoba iti wabulala abantwana bayo bonke enDondakusuka. Kwabe futi kute ngendaba yemikuba yabantu, kute uba inkosi ifike ebangeni lokukula, is'ihlezi nenkosikazi yayo encane u'Nomantshali owazala uMtonga, kwati ngokuhlala naye, ingasajwayelene nawo amakosikazi amadala, kwasokuqamuka izwi lokuti u'No-

mantshali lowo uyatakata, unomuti wentando osoubhungle inkosi wayiguqula isipukupuku. Kwatiwa u'Nomantshali unomuti omubi, uyakwazi ukumilisa isilevu ku'makosikazi, angahle amilise nehlati ku'makosikazi. Yati leyo'nkulumo yamakosikazi yaza yangenwa nang'abantwana bonke benkosi, laqina izwi lokuti inkosikazi lena iyatakata. Emva kwalelo'zwi labanini'muzi kwa-hlaluka elokuti, sekute ngennxa yokuba inkosi seingenwe utando luka'Nomantshali, is'ifuna ukubeka uMtonga abe nguye oy'inkosi yakwa'Zulu emva kwayo. Leyo'nkulumo yabanga ukuba uMtonga angabukani kahle no-Cetshwayo. Nango-ke umNtwana engenwa yinhliziyo embi ngonina lo u'Nomantshali, wanxanela ukumbulala.

Kute ngolunye usuku umNtwana esenaleyo'nhliziyo yokuzonda unina lo omncane u'Nomantshali, watuma uBhejana ka'Nomageje wakwa'Cebekulu innceku yake, oy'intanga yake, wahamba nabanye abantu, wati kabaye-kutata u'Nomantshali, kwa'Nodwengu, bamlete lapa kuye. Nembala wahamba-ke uBhejana nebandhla lake waya kwa'Nodwengu, waya'kutata inkosikazi. Ute uba afike, akutsho loko enkosini, yamangala nje ukuba ngubani yena lo obiza u'Nomantshali, oti kashiye yona aye kuye? Wati uBhejana uba ayitshele loko ukuti ubizwa ngu'Cetshwayo, yakukuza imihlola emikulu. Iyibabazile imihlola leyo, nampo besuka abantu baka'Bhejana labo, badumela inkosikazi ngesandhla bati maipume bahambe nayo. Kepa inkosi yaibamba inkosikazi, yanqaba nayo. Basebedumela imfe yenkoski, ibekwe ngalapaya kwendhl, bapuma nayo, bayidhla. Baqinisa njalo ku'nkosikazi.

Kwaze kwati emva kwesikati inkosi yakuluma yati kubo, "Ake nimyeke apumule; ngizakumdedela ngininikele yena, nimtate nihambe naye." Batulisa-ke ingcozana. Yase ibuya imdedela uNomantshali, bamtabata bahamba naye baya kumbulala.

Yaliqalekisa-ke inkosi izwe lakwa'Zulu, yati, "O! O! uCetshwayo ungenza nje! O! Ubehlidele isikumba sezulu, sibati-mbho bonkana! Boka bazibone iziGqoza ezi'ziputa, akuyikusala na'munye; loku bengenze nje!"

Ute-ke es'evela uCetshwayo wabe es'evelela pezu kwalezo'ziqalekiso. Kwabe futi uyise es'ekade ekuluma nabelungu, emsola njalo okwobane eng'umuntu omubi uCetshwayo; ekuluma njalo, nabelungu bemkolwa uMpande; sebembabaza uCetshwayo ukuti unolaka olubi olwesabekayo. Nokuza lapa ku'belungu ukuza'ucela ukuba bazobekelwa uCetshwayo esikundhleni sika'yise loku, uZulu wabe ekwenza ngazo lezo'ndaba ezazimmele kabi ngokunjalo uCetshwayo; kukona nezwi futi elaliningwa ng'uZulu, lokuti, uMbuyazwe kafanga empini yombango leyo yabo eyabe ilwela enDondakusuka. Kwa-kukona ababeqinisa bete nqi, beti watatwa ngabelungu bamlondoloza, ukona nje udhla amabele. Kungaloko ukuba kwasweleka ukuba kuze bona abelungu bazombeka. Akuyanga ngoba uZulu wabe engenako ukuzibekela inkosi yake.

Ngaloko-ke ukungena kuka'Cetshwayo esikundhleni sika'yise akubanga na'nhlanhla, wangenela emnyameni omubi. Wanela ukungena nje wabusa iminyakana emihlanu, bambulala abelungu ngowesitupa. Ngoba naloku

ukubekwa kwake yibo, beti bambekela pezu kwemitetoyabo, kwakungase'miteto, kwasoku ukumcupa nje. Kwabelapo abelungu bansondo bevame ukubanolimi oluhle olumnandi ngas'ezikulwini zakwa'Zulu, beztshela okuhle kodwa abati bazakuzenzela kwona, inxa bevuma ukubulala indhlunkulu; beti bazakumisa bonke babe amakosi, bangaloku bebuswa'muntu'munye, obabulalayo nokubabulala.

Lapo-ke uHamu, owazalwa nguNozibhuku indodakazi ka'Sotondose inkosi yakwa'Nxumalo, ebanga umbango ongaziwa'muntu kwa'Zulu ukuti ngowani, loku uMpande watata unina kwa'Nxumalo, wamtatela emzini womntwana wakwabo uNzibe, emzini wakwa'Mfemfe, waba inkosi yakona? Kwakuhla uZulu nje okwokuti uHamu ubangani? Loku bangaze bapele swaca bonke abaka'Mpande and'uba kungene uHamu, njengokwelama kwabo ku'Songiya.

---

ISAHLUKO XLVIII.

UKUBUSA KUKA'CETSHWAYO.

---

Le'nkosi yabe inomusa ilungile, ibatanda bonke abantu baka'yise. Kwati uba afike njalo uSomtseu mdhla eze'kumbeka esikundhleni sika'yise, wamlaya kakulu oka'Sonzica, ukuba angababulali abantu. Kepa naye uCetshwayo uqobo wabe ebatanda kakulu abantu bakwabo, ebanakekele kakulu. Kwaya ngako loko ukuba uZulu abuyelete ngakuye kuleyo'nkati yombango wabonomfo wabo uMbuyazwe. Nenduna lena, uMasipula, owabe enolaka olwesabekayo, wabuyela ngaku'Cetshwayo

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

ngennxa yokuba wabe ekolwa nguCetshwayo kunoMbu-yazwe. Pela uMbuyazwe wabe ezazisa ukuti ung'umntwana wenkosi, inganti uCetshwayo yena wabe ehlonipha zonke izikulu, ezibiza ngaoyise, zonke.

AmaMboza pela ukusuka pansi kwokubutwa kwawo, abutwa aba nesitonga esikulu ngennxa yokuba kwaku ibuto elalinabantwana benkosi, selelama ibuto lesibili oseoloku uMpande engene ebukosini. Njengokuba waqala ukubuta Isangqu (amaTshitshi), wati epinda wabe es'e-buta iNgulube and'uba abute amaPela, and'uba-ke abute uTulwana (amaMboza, Injobo ka'Tshikana) intanga yabantwana benkosi,—uCetshwayo, uMbuyazwe, uTshonkweni, uMantantashiya, uZiwedu, uSiteku, uDabulensinye noSomklawana, kanye noHamu.

Leli'buto lenkosi yakwa'Nodwengu kambe laduma kakulu ukubutwa kwalo, ngoba lali ibuto elinabantwana benkosi, oku ibona abay'intanga yomntwana oyakuba yinkosi esikundhleni sika'yise.

Ibuto leli lali nemikuba emibi ekusukeni kwalo pansi, lihlupa abantu. Liti lingabona indoda izihambela noma iyapi, liyivimbele; liti ake yenze isimekezo somkayo and'uba idhlule. Lowo'mkuba waba mubi impela pakati kwezwe. Kepa babengakwenzi loko inxa ekona uCetshwayo pakati kwabo, ngoba babemhlonipa, emkulu kubo bonke.

Induna yabo enkulu kwaku uSogweba ka'Masekwana ka'Menyelwa wakwa'Ntuli. Naye wabe engakutandi loko okwabe kwensiwa ibuto lake. Kwakuti inxa kukona yena ingenziwa leyo'mikuba, nonxa kukona umntwana uCetsh-

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

wayo futi kungenziwa loko. Likona izwana elibi elati uba lizwakale ku'Sogweba lambalekisa, wawela weza lapa esilungwini, es'ezwile ukuti inkosi imtukutelele, izakumbulala. Weqa-ke nesifunda sake sonke. Kwasala kawbekwa uMnyamana ka'Ngqengelele ka'Tshenge wakwa'Butelezi esikundhleni sika'Sogweba, waba uNdunankulu ka'Tulwana.

Kwati uba kuzwakale ezikulwini zakwa'Zulu ukuti amaMboza agila imikuba emibi enjalo yokusinisa amadoda enziwe izituta, nokuti kutiwa mawenze unobhanqa nokolokobhe, ahl'belele futi amagama ezimekezo zaba-fazi bawo, kwaba kubi kakulu loko, izikulu zaya'kukubika enkosini, zakubabaza zati lowo'mkuba uzakubulala izwe. Inkosi yakukuza loko kwayekwa masinyane.

Njengokuba ukudhla kwabantwana kwakupakelwa esitsheni sibe sinye, namasi abe 'sitsheni sinye, nen-nyama nako konke okung'okwabantwana; kwakuti inxa sokupakiwe kwasiwa kubo, ati uCetshwayo ngokubeyisa, apume aye emfuleni ayogezza, ehamba naba izinncuku zake; basale bahlale abafu wabo kuze kubuye yena emfuleni and'uba badhle. Kungati wabe ebahlula nangamandhla futi inxa bebambana.

uCetshwayo kakuqalanga ukubusa nga'mdhla kugoduka uyise nje, wakuqala esekona uyise, kona enkatini yokubutwa kwabo bona'Tulwana. Wabe ey'inkosi yabo abafu wabo kona pambili, engakabekwa ebukosini bokuba abuse uZulu. Ngoba nalaba ababe iziGqoza, ababelwela uMbuyazwe, bati bonke uba babuye bapindele kwa'Zulu, baba uSutu bonke kanye. Kodwa ziningi izikulu ezazi

iziGqoza noma zisakile zihlezi kwa'Zulu zingawelile ukuba lapa esiLungwini, ngennxa yokuba zazingakutandi ukubusa kwalapa esiLungwini.

Kepa ziningi izikati zokuguzana kuka'Somtseu noCetshwayo ese ngumNtwana engakabi yona inkosi. Okokuqala engikwaziyo baguzana mdhla uSomtseu eye enkosini uMpande eyocela abantwana (amakosazana) bakwabo'Mkungo ukuba babuyele ngakwonina, uMonase nangaku'Masala unina ka'Sikota, ababelapa ngas'emGungundhlovu, b'ake pansi kuka'Ngoza ka'Ludaba wakwa'Majozi indun'enkulu ka'Somtseu. Kwakute ngolunye usuku uSomtseu wahamba kanye noNgoza noZatshuke (enye induna yake engapansi kuka'Ngoza) umfo ka'Mbeswa wakwa'Ngubane, kanye nehele labantu balezo'zinduna zombili. Wahamba-ke uSomtseu waya enkosini yakwa'Zulu uMpande, eyakuhlenga bona abantwana laba, oBatonyile nabanye ukuba inkosi ivume ibabuyisele ngas'esiLungwini, lapa kukona abane wabo—oMkungo no Sikota. Wat'uba afike uSomtseu kwabakuhe nje kakulu enkosini. Nango-ke ekupuka eya esigodhlweni eyakukuluma nenkosi, epelezelwa nguNgoza. Po-ke! loku inkosi aihlali yodwa, ihlala ikakwe izinnceku njalo. Ute-ke uSomtseu eyixoxa le'ndaba ahamba ngayo, elekelwa nguye uNgoza kwamanye amazwi (loku pela amakosikazi lawa abe akile emzini wake uqobo uNgoza). Kanti bakuluma nje, izinnceku lezi ziyawatuta onke amazwi lawa ziwayisa ku'mNtwana uCetshwayo. Nankoke sekuti ngelinye ilanga, uCetshwayo emema uSutu ukuba kuzoketelwa uSomtseu.

Uzwani-ke: wafika uZulu, amaMboza ansondo! efika kanye nomNtwana, sebevunule betshilo! umNtwana lo ehlome ubutekwane bake obunjengalobo ay'ebuhlome mdhla kwombango was'enDondakusuka. Aketa-ke amaMboza ansondo. Inkosi yabe ihlezi ennqolaneni yayo eyabe iqutshwa ng'abantu ngezandhla. Zabe lapo zibutene zonke izikulu, kanye noNduankulu uMasipula, naoNtshingwayo ka'Mahole wakwa'Koza, noSeketwayo ka'Nhlaka, nabanye bonke abakulu. Kute uba aqubule amaMboza, lapa es'etsho elokuti, "Iya, Ehe! Aubatele ngotuli! Zilimakazana, Ngobazita!" waqala uZulu kaloku ukusondela nga ku'Somtseu nanga ku'bantu bake, es'efuna ukwenza esikaPiti emGungundhlovu. Wezwakala kaloku uGxoboshe, uNowela'muva wao'Tshaka, Inkonjane edukel'ezulwini, umsimude ovele ngesiluba pakati kwamaNgisi namaQadasi: wakuza wati, "Hau! Au! Yini yona leyo, Ndhlamvuzo! Wenzani na?" Lapo-ke kabonanga ependula uCetshwayo ku'yise, ukupela nje wati, "Ngingahle ngife kona kaloku ngiti nya!" Atsho onke amaMboza ati, "Sife sonke siti nya!" Kulapa kwe-suka uMasipula kaloku wakuza wababaza. Kwalandela uNtshingwayo naye wakuza nezinye izikulu. And'uba amaMboza eme atule ati nya. Wabuza-ke kaloku uCetshwayo ku'Somtseu, wati, "Ube uyokwenzani wena enkosini esigodhlweni, ube uyokuluman na?" Walanda uSomtseu izindaba abe ezikuluma nenkosi. Kwat'uba alande uSomtseu, umNtwana wati, "Hai! ngiyawezwa awako, ngitanda ukuba kekusuke uNgoza lowo apumele obala, asilandise ab'eye'kukukuluma esigodhlweni!"

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

Wati lapa uNgoza eti upumela obala ukuba akulume, wambuyisela emuva uSomtseu, wala ukuba akulume. (Ebona ukuba seku isisusa sokuba babulawe).

Kwasokukubi impela lapo, amaMboza es'ehambe egaxeka emikatini yabantu baka'Somtseu, enzela ukuba abe yilowo azibulalele owake. Zakuza izinduna zakwa'Zulu, sezibona ukuti seku yiso esika'Piti. Kulapo wesuka kona umfo ka'Sonzica, wati: "Ha! wena, mfana ka'Mpande! ungibona ngihamba ngedwa yini? Ulinganisa ukwenzani kimi? Wena ucabanga uti ungenzani kimi? Esami isililo esiya'kuza'kuugikalela siyakuamuka ngalapa, (watsho wakomba ngas'ennyakato kwa-kwa'Zulu). "Ungacabangi ukuti ngihamba ngedwa." Wema kaloku uZulu, wati kemelele. Baqala kaloku ukukumuka laba abasebegaxeke emikatini yabantu baka'Somtseu. Kwaba ukusinda kwabo lapo. Betuka uZulu es'ekumuka nje kubo bebengasaqondi. Bakumuka njalo enye indoda yakwa'Zatshuke seilingcolisile ibhulukwe layo, sekugijime kwehla ngemilenze.

Ngilinganisa ngiti kwaku unyaka wokubulawa kuka-Mtshukangubo lowo ebulawa nguSidoi ka'Baleni ka'Nongcama inkosi yas'Enhlangwini kwa'Dhlamini, eyabe ing'eyomketengu, ngo 1858.

Kute-ke mdhla uCetshwayo es'eyakubekwa ngo 1872, uSomtseu wahamba namabuto ay'ingcozana abelungu kanye nabantu bezinduna zake; mdhlana ebuya nezinkabi ezi'makulu'mabili, abe ezipiwe nguCetshwayo.

Kepa izwi elaba buhlungu ku'Cetshwayo kuleyo'nkati yileli lokuba ati ebuya'kumbeka uSomtseu, ati efika

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

ekaya abe edhlula ngezinnyawo eya'kubulala uLangalibalele; inganti ub'emyala ngokuti kayeke ukucita ingazi. Yiloko-ke okwenza uCetshwayo ukuba abuze, ati. "Wenzelani pela uBaba ukuba afike azongiyala, ati, angiyeka ukubulala, uyabuya yena lapa kimi us'edhlula ngezinnyawo nje, eyakubulala ixegu eling'uBaba na? Kavume pela eze lapa kimi uLangalibalele, angadingselwa ezi-zweni." Lawo'mazwi enkosi yakwa'Zulu kawangenanga enhliziyweni ku'Somtseu. Wahamba waya'kubulala uLangalibalele ngo 1873.

Kwabelapa naye uLangalibalele esabile, kaze akutanda ukuya kwa'Zulu, ngenixa yomkuba owenziwa kuye nguDingane mdhla ebiza umfowabo omkulu uDhlomo, wafika wambulala engone'luto. Okwamenza oka'Mutimkulu ukuba ahambe aze ayofinyelela ku'mfo ka'Moshweshwe uMolappo, ayocatsha kona oSutu, emtemba ukuti nguye ofanele ukuba ayocatsha kuye; kanti uyena ozakuti uba afike kuye amkapele ezandhleni zabelungu; wetuka es'ebanjwa nje oka'Mutimkulu engazi, eti ucatshe ku'mngane wake; kanti ucatshe esilwaneni.

## ISAHLUKO XLIX.

## IMIKOSI KA'CETSHWAYO.

Nonxa afela ekusolweni kodwa yena wabe engenalo icala elafanele ukuba abulawe ngalo uCetshwayo yena wabe engalingene ukuba abe kona, ngokulunga nokubusa kwake. Nako loku kwokubulala unina omncane uNomanthshali wabe engatsho ukuti uyona, ngoba wabe

ekolwe izwi elase ligcwele uZulu wonke, lokuti inkosikazi lena inemiti yamaTonga. Nembala uNomantshali wabe es'egila imikuba emikulu engabonange yenziwa kwa'Zulu. Ngoba kwasokuti ngosuku olunye lomkosi inkosi ingayi emkosini, kupume yena ayowumela, avunule njengenkosi, apate ihawu lake elincane ayomela uZulu.

Ngokwami ngingahle ngitsho ngiqinise, ngiti, uCetshwayo wabe elungile ebatanda bonke abantu bakwabo; kodwa wabe engayitandi inncelemente nenhlengo, ub'eti ownileyo amtshelle obala, engakutandi ukwenza ngamabomu. Imikuba eyabe igilwa ngumfo wabo uHamu yokubulala abantu ngolaka beng'one'luto, yabe ikomba ukuti lo'mfo wabo uyabanga. Kepa nokubanga loko kwa-kukohla nje ukuti, konje uHamu lona angaze abange kanjani, besekona bonke abantwana abazalwa ngu-Mpande na?

Imikosi yonke eyadhlalwa nguCetshwayo emva kuka'yise wabe eyidhlalela kwa'Nodwengu, ekandenli likaiyise, enza loko ngoba ekombisa abantu ukuti use nguye uqobo Iwake uMpande, kabahlukene nga'luto. Ngoba pela inkosi iba yileyo iwudhlalele emzini wayo umkosi wayo. Lalikona ikanda lake Ondini, kawudhlalelanga kulo. Munye qwaba owadhlalela emLambongwenya, emzini wakwabo omkulu, kwa'Songiya, owabe ung'owokuqala emveni kuka'yise.

Kepa ibuto elincane, iNgobamakosi, lalingenazo izindhu emzini omkulu Ondini, zazino'Tulwana yedwa kanye namanye amabuto. Kwakuti inxa iNgobamakosi ikwomkulu ilale ezindhlini zabane wabo amaMbhoza,

okwaseku amadoda esenamakosikazi. Kwabe kuti-ke lapa kufike inkosikazi yomunye otile wakwa'Tulwana, umfana was'eNgobamakosi ake ahlale pandhle esalinde iMbhoza lisaxoxa isifuba nenkosikazi, kwaza kwati ukugcina kwavela ukupambana pakati kwamaMbhoza neNgobamakosi. Ngoba abafana laba bas'eNgobamakosi babeti emadodenli lawa akwa'Tulwana inxa sekuhlwile sekuzaulalwa, "Pangipangisa, mne wetu, since singene sihlale." Kwema loko, kwema loko, aze ati amadoda lawa ayadelelwa ng'abafana laba. Kwwasokugcina ngokuba kuvele ukuxabana pakati kwamaMbhoza neNgobamakosi, bazondana.

Kute ngolunye usuku, sekusondela izinsuku zomkosi, kwaxabana uHamu wenkosi waxabana noSigewelegcwele ka'Mhlekehleke indun'enku yNgobamakosi, bebangza zona izindaba lezi zamabuto abo. Ngoba pela uHamu lo ul'iMbhoza, uSigewelegcwele uy'induna yeNgobamakosi. Baxabana kabi impela, uHamu eti uSigewelegcwele uyabadelela bona'maMbhoza. Baxabana kakulu laba bobabili, baza basongelana ngokuti bayakubonana mdhla kwosuku lomkosi. Po-ke, loku uHamu lona mukulu, ngumNtwana wenkosi.\* noSigewelegcwele lona ngumuntu omkulu, induna, kuzakwenziwa njani? Kwa-kanya nje ukuti akuyikulunga'luto kulo'mkosi.

\*uHamu lona uzalwa ung'uMpande, umzalela emzini womfo wabo uNzibe owasala mdhla kuhlaselwe kwa'Sotshangana, kusabusa uTshaka. Wati uba asale uNzibe, uMpande watata intombi yakwa-Nxumalo ngezinkomo zalowo'muzi wakwa'Mfemfe owabe ung'oka'Nzibe, wazalo kuwo uHamu. Into engingayigondi yilena, ukuba ugumupi omkulu kulaw'amadodana akwa'Songiya amabili—uMpande noNzibe—ugoba noCetshwayo, kanye nabo bonke abenkosi, uma sebetukutele, bafunga batu "Ngimpande," noma beti "Ngifung' uNzibe ekwa'Sotshangana!"

Nembala yiwo lowo'mkosi owaba mubi kakulu (1878), okwati lapa iNgcugce ijutshwa kutiwa mayigane eNdhlo-ndhlweni, yanqaba yati "Ucu kaluhlangani entanyeni," —itsho ngoba iqonde osongati ingendela ebutweni lwo-Dhlokwe elilinamasoka azo. Loko kwaba kubi impela enkosini, ngoba kwakungabonanga kwenzeke okunjalo emakosini akwa'Zulu, ukuba inkosi yeyiswe yibuto lezintombi. Kwati-ke ngomhla womkosi adumelana amabuto amabili—u'Tulwana neNgobamakosi—okwasoku-bonakele kona pambili ukuti azakulwa; aqatwa ngu-Hamu wenkosi kanye noSigcwelegcwele ka'Mhlekehleke indun'enkuIu yeNgobamakosi. Kwalwiwa kakulu. Kepa abafana laba, iNgobamakosi, bakula ngamandhlha emado-den'i ang'amaMbhoza, avama ukuwakubaza. Ute uba akubone loko uHamu, wati emaMbhozeni, "Musani ukubatshaya ngezinduku, bagwazeni ngemikonto." Kwat'uba kutshiwonjalo, asizakala amadoda, abaceka abafana nge-mikonto. Kwaba kubi-ke lapo, kwabonakala nje ukuti indaba ka'Hamu ng'eyokubanga impela.

Kwati nonxa begwaziwe njalo abafana bas'eNgobamakosi, bavusa umhlwenga, ngoba kwasokufe abantu abaningi nxazombili okwabanga ukuba leyo'ndaba ibe'buhlungu ku'Zulu wonke. Wat'uba uSigcwelegcwele ezwe esesongelwa ngabanumzana bonke beti kuhle abulawé, waponseka ehlatini, wayakuhlala kona izinsuku ezitile. Kepa inkosi yati uba ibone ukuti loku ku uzungu lokubulala uSigcwelegcwele, yatumela nje kuye yamtshela ukuba azikweze kahle. Kuleyo'nkati izwe lakwa'Zulu laba libi nje. Kwabelapo futi sokukona indaba embi yezintombi zebuto leNgcugce.

Nanko-ke kuti ngolunye usuku inkosi ituma amanxusa atile yati akuyokwetuswa izintombi zika'Sigwili, ezizihlalele nje ekaya, zinganakile nokunaka ngesime-mezelo senkosi sokuti mazende. Nanko-ke amanxusa lawo efika ezibulala izintombi lezo, inganti inkosi ibe ingakutshongo loko. Uzwani-ke: kwaduma-ke lapa esi-Lungwini, kwatiwa uCetshwayo ubulele zonke izintombi kwa'Zulu, kuqanjwa amanga odwa, ukupela zona lezo izintombi ezimbili zika'Sigwili, ezabulawayo, kungatshongo yona inkosi.

Yiwo lowo-ke unyaka owahamba uGebuza (*Mr. F. E. Colenso, Esq.*) ka'Sobantu, etanda ukuba ake ayobona inkosi yakwa'Zulu, azizwele es'eduze zonke lezi'zindaba ezikulunywa ngenkosi yakwa'Zulu (uGebuza lowo pela wab'e ngummeli). Uya njalo-ke uGebuza kusand'ukulwiwa, leyo'mpi yamaButo eyaba mbi kakulu. Amabuto as'eNgobamakosi agwazwa ng'u'Tulwana, afa, ngezwi lika'Hamu, afinyelela emakulwini ashiyagalombili (800) nomuvo. Loko kwamenza uHamu ukuba angabe esahlangana kahle nomfo wabo, inkosi. Kwazondeka futi enkosini, is'iqonda, ukuti amabuto ayo lawa abulawa ng'u'Tulwana nje, yiwo azakuyilwela kule'mpi yabelungu ese izakuhlasela kwa'Zulu, (ngoba pela kwasokuzwakele loko kuyo). Naye uHamu lowo kabanga esahlangana nayo, waze wagila imikuba yokweqa eze esiLungwini; es'emema abelungu ngesinyenya, enxusa ukuba bazobulala inkosi, engabangi'luto noluncu kuyo.

Nanko-ke kuti ngelinye ilanga, uHamu lowo, es'enxanele ngamandhlha ukubulala inkosi, wakuluma no-

Nkabanina wakwa'Hlabisa (iMboza, owab'edhla naye), wanxusa ukuba abulale inkosi, wamnqumela isinqindi sokuyigwaza, njengokwenza kuka'Mbhopa egwaza uTshaka. Kepa kwasika loko ku'Nkabanina ukugwaza umzala wake. (Kwa'Hlabisa lapo, kambe, kulapo kuzalwa uSongiya unina ka'Mpande). Ute uba abone uHamu ukuti kunqabekile loko'kwenza okubi ku'Nkabanina, w'eqa kwelakwa'Zulu, waponseka kwelas'esiLungwini.

ISAHLUKO L.

UKUHAMBELA KUKA'MAGEMA KWA'ZULU.

Nanko-ke kuti ngo July 15, 1878, mina (Magema M. Fuze) ngapuma Ekukanyeni kanye nomfowetu uNdokweni, noNani Mncube ka'Mashiwulani (owab'e iMbhoza lakwoMsinyana), noMbungumbu ka'Funwayo wakwa'Mayaba (owab'e ng'owas'emaHlutshini ehlodzi namaHlubi Ekukanyeni. Sobane sapuma ntambama saqonda kwelakwa'Zulu, sinxanele ukuya'kubona inkosi yakwa'Zulu, uCetshwayo.

Ukuhamba kwetu kwaku ukunxanelu ukuya'kudhlula emzini ka'baba ongas'enningizimu kwas'emZinyati (*Buffalo River*), pansi kwentaba emaHlabo. Sat'uba sidhlule lapo, sesibabonile abakiti—omame nabafo wetu—saweleta ngapetsheya kwomZinyati, sabanga ku'Matshana ka'Mondise inkosi yakwa'Sitole.

Sat'uba sifike ku'Matshana, uba ezwu ukuti uMagema lo ng'oka'Magwaza, owabe 'ake ngalapa ezibukweni ebonise, ngezwi lakwa'Hulumeni, izibuko lomZinyati, waja-

bara kakulu. Ngoba pela kwakute eminyakeni epambili izinkabi zika'Matshana zawelela esiLungwini ngesikati sas'ebusika, amanzi enge'manangi. Bati betuka nje abafana baka'Magwaza abalusayo bese bebona umhlambi wezinkabi, baqonda ukuti ng'ezika'Matshana izinkabi ezinngi kangaka. Ute uba amuzwe-ke uMagema lona uMatshana wamnika itole lenkabi eli'minyaka 'mitatu, wati unika uyise, uyambonga ngaloko akwenzileyo kuye esekona, n'gokumkalimela izinkabi zake lezo ezase zingene ezweni las'esiLungwini engazi. Leyo'nkomo yaqutshwa yayiswa emzini ka'Magwaza esiLungwini.

Sahlala izinsuku kungati ezintatu emzini ka'Matshana lapo, sippetwe kahle. Kwakukona namakosazana amabili awendele ku'Matshana—oBekiwe owabe efungwa yinkosi owabe elama umntwana uTshingana, nodade wabo omunye. Babe nomusa omkulu kitina, bejabula impela ukubona abantu abapuma ku'Sobantu, abaya enkosini umne wetu Ezinhlelhleni. Umsebenzi wabo ababewenza kwaku ukwaluka izitebe, benamantombazana abo abasebenzelayo.

Kwati ngolwesine sifike ku'Matshana, sapuma sabanga pambili kwa'Zulu enkosini. Salala izinsuku ezitile endhleleni safika Ezinhlelhleni, kwekulu ihlante, Enhlungwane lapo amanzi akona e'mjimbili, po! libalele yini! Sifika njalo sesihamba nabanumzana ababili, oMfunzi wakwa'Xulu noNkisimane wakwa'Luhlongwana, amanxusa ab'evame ukutunywa yinkosi njalonjalo ku'Sobantu.

Sat'uba sifike, loku pela sifika ngenkati yakusasa osingati kus'esikatini sika 10 o'clock wakusasa, enkatini

lapa ziqala ukupangalala ukuhlinzwa izinkabi, sasesibikwa njalo enkosini, sibikwa yinncuku enkulu uSiwunguza ka'Silwane, umfo wabo ka'Gawozi umnumzana wakwa'Mpungose. Sekubuziwe ukuti sipuma ngapi, siyapi, sibabeleni, sasesamukeliswa isididinga sennyama njalo, sesinkwa indhlu esizaungenisa kuyona.

Inkosi ilapo Ezinhlendhleni njalo kuyakiwa, kwa-kiwa umuzi wakwa'Maizekanye, elabuya laguqulwa lelo'bizo kwatiwa kus'Olandandhlovu. Law'amabizo ayezwakala omabili ukuba atini. Leli lokuti "Maizekanye," liti, "Akusena'cala, maize nje impi leyo nonxa sibe singayitandi." Lelo'bizo latshetsha ukuguqulwa, ngennxa yokuba lat'uba lizwakale esiLungwini, laba buhlungu kakulu. Kwasokutiwa "kus'Olandandhlovu," okung'ukuti, "kulapa kulandwa indhlovu kona"; indhlovu leyo kambe kutshivo inkosi uCetshwayo. Ngoba kuleso'sikati kwasokwaziwa kahle ukuti abelungu bayeza kwa'Zulu, balanda inkosi, bafuna ukucima umbuso wakwa'Zulu.

Ezinhlendhleni lapo sahlala izinsuku ezi ishumi, semuka ngolomuvo. Inkosi ngayibona ngakuluma nayo emva kwamalanga amabili ngifikile. Kwaku umuntu omuhle yena uCetshwayo, onesitunzi, obukekayo, one-nhliziyo etanda abantu bonke bake. Wabe enomusa ekuluma kahle kamnandi. Ngikumbula kulezo'nsuku engangihlezi lapo ekaya Ezinhlendhleni, kwakufika amacala okuxabana kwabantu bake, awatete ngokulunga, avame ukuhlanganisa labo abaxabeneyo, engatandi ukuba baxabane, abahlanganise ngokuti makube yilowaveze imbuzi, ibulawe, basondele 'muzini'munye, bayidhle kanyekanye.

Kwati mdhla sengivalelisa kuye, watshela amanxusa ake—oMfunzi noNkisimane—ukuba bangipelezele baye bangifikise kiti esiLungwini emzini wami, baze bayombonela ku'yise uSabantu. Wati baze bayodhlula nami kwoGwadi, lapa kumi kona izimvu zenkos; aze abaktele izimvu zezinsikazi ezimbili, abayakuziquba baze bafike bazinike umame owangizalayo. Bahambe nge-nhlela yakwoMakelekehlana wakwa'Dhlabhla innceku, lapo kumi kona izinkabi zenkos; afike uMakelekehlana anginike inkabi, ngiyhlabe. Ngingalambi endhleleni, amanxusa angifunele ukudhla empahleni yenkos, ngidhle, ngize ngifinyelele kuelas'esiLungwini.

Ngisakuluma nenkos esibayeni, yati kimi, "Uyazi nje, ukuti, abelungu bayeza lapa na? Kepa tina'Zulu asiyikuze sababalekela. Ngoba mina angikonzile ngesiqingana lesi sika'Senzangakona, ngizikonzele nje mina ngedwa ku'belungu. Ngiyazi-ke ukuti sekuyakuba ku'mdhlanu lidubukalayo izwe ngalolo'lusuku."

Ngaqala ukuzwa lapo enkosini ngalelo'langa ukuba kanti abelungu sebayahlasela kwa'Zulu. Nembala sapuma-ke sesibuyela esiLungwini; sahamba njengokutsho kwenkos. Sapindela ngendhlela yetu, saya'ku finyelela emizini ka'baba engas'entshonalanga kwo-Mzinyati, eMahlaba, lapa sasiwele ngakona. Omame, ngokutokoza, bahlabisa amanxusa enkos—oMfunzi no-Nkisimane—inkomo. Sahlala amalangana atile sisapumule, sadhlula nezimvu ezimbili lezo zika'Mame azipiwa yinkosi, sabanga emGungundhlovu Ekukanyeni, kiti, ku'Sabantu.

## UKUHLASELA KWABELUNGU KWA'ZULU.

Akubanga kusaba kude emva kwaloko, kwahlaluka indaba embi emzini ka'Sirayo ka'Xongwa wakwa'Ngo-bese, isikulu. Nampo abafazi ababili baka'Sirayo bebanjwa bepinga. Kepa uSirayo uqobo lwake wabe engeko ekaya, ekomkulu enkosini. Bati abafazi labo uba babone ukuti babanjwe benza okubi abazaubulawa ngako, b'eqa bawela umZinyati — umudwa pela wokwahlukanisa elakwa'Zulu nelas'esiLungwini. Kanti baba-leka nje nangu uMehlokazulu ka'Sirayo uyabalandela ngemuva, ugibele amahashi kanye nabantu bake, utukutelele ukuba aonina babanjwe begila imikuba embi, uyise engeko. Bate beqala ukuti capasha emnceleni welas'esiLungwini, wabe es'efikile naye uMehlokazulu, wababulala bobabili kona lapo, wabuyela emuva. Po! ubabulala njalo izinhloli zas'esiLungwini ezibonise emazibukweni ziyakubuka konke loko. Kwabikwa masinyane loko. Kwabelapo besekukona ukuhlalisana kabuhlungu ku'Zulu no Hulumeni, njengalawo'mazwi abe es'ekulunye yinkosi kimi, okuti "abelungu bayeza kwa'Zulu; kepa tina'Zulu asiyikubabalekela."

Ukuhlasela kwabelungu loku ngo 1878 akuyanga ngoba uMehlokazulu wabulala aonina labo ababulalela kwelas'esiLungwini, kwaya ngokwasekuhlosiwe ukuba kucitwe lo'mbuso wobudhlova owakelene nombuso wokukanya; ngoba umbuso was'esiLungwini wabe unovalo osongati ngolunye usuku uyakwetuka uvinjezelwa,

beng'azi; kungati abelungu babecabanga izindaba nemikuba embi ka'Dingane.

Kepa uCetshwayo ngokwake wabe eng'umuntu olungile owabe engeze ayenza leyo'mikuba embi enjenga leyo ka'Dingane. Ngani na? Ngoba wabe ekusola impela ukwenza kuka'Dingane, kwokuzuma uPiti engazi'luto, emyisele izinkomo zake abe eyomtatela zona ku'Sigonyela inkosi yakwa'Molife, umSutu, nayo yonke imikuba embi ka'Dingane yokubulala inkosi u'Tshaka kanye nabo bonke abafo wabo, ebabulala ngokubazuma. Inkosi uCetshwayo wabe ekuzonda loko'kwenza, kabonange embulala noyedwa umfo wabo; wabe ebatanda bonke yena, ebahlonipa. Nomfo wabo lona uMbuyazwe owalwa naye enDondakusuka inganti wabe engatandi yena ukulwa naye, waza walwa naye ngokupikelela kwake, equtshwa ngumnawa wake uMantantashiya, owabe ishinga efisa ukulwa, inganti uyanbona nje naye ukuti uZulu ubuyele nganxanye. Bafa lapo-ke abantwana abatobe'minwe'mibili.

Ngaloko'kubulawa kwabesifazana ababili baka'Sirayo, uHulumeni omkulu was'eKipi (uSir Bartle Frere) wati inkosi mailete uSirayo nendodana yake uMehlokazulu kuye azoteta icala, e Zwe ukuba uMehlokazulu ukwenzeleni loku okubi okungenziwayo na? Ukuba azobulalela abantu bakubo emnceleni wezwe las'esiLungwini.

Lat'uba lifike enkosini lelo'zwi lokubiza uSirayo, yahlanganisa uZulu, yabuza izwi labo abalitshoyo. uZulu wahlukana kabili, abanigi bati akufanele' ukuba uSirayo ayiswe ku'belungu; kodwa izikulu eziningi zati kayiswe

ku'belungu. Emva kwaloko inkosi yahlanganisa amabuto onke, yabuza elawo ukuba atini wona? Onke anqaba nga'zwi'linye, ati kungenzeke ukuba uSirayo kunikelwe ngaye ezizweni, ngoba akubulawanga'muntu was'esiLungwini, kubulewe abas'esiLungwini bodwa. Lapo-ke kwabonakala ngokus'obala ukuti abelungu bahlose ukuza'kulwa noZulu.

Kwema ngokunjalo-ke. Kuleyo'nkati-ke abelungu basebezinge bekuluma nezikulu zakwa'Zulu, bezitembisa ukuti inxa zivuma ukuhlangana nabo, kucitwe umbuso lona wakwa'Zulu, bona (abelungu) bayakuzinika umbuso zonke, kube yileso sizibusele; kupele loku ukuba abantu babuswe'muntu'munye, ozakuba loku ebabulala. Zavamake kuleyo'nkati izikulu ukuzinge zituma amanxusa ayo lapa esiLungwini.

Wapikelela njalo-ke uHulumeni ukubiza uSirayo no-Mehlokazulu. Kuleyo'nkati-ke noSobantu wabe es'empendulela uCetshwayo, eti, uhlaselwa njena woneni na? Kepa kwabe kungaseko'tuba lokuba uHulumeni apinde enze okunye, ngoba wabe es'eqinisele ukuba ahlasele kwa'Zulu. Watwasa-ke uNgcela; wadhlalwa-ke unyaka wokugcina, Kute onyakeni ka 1879, yafutuzela eyama-Ngisi ukuwela ipuma petsheya, is'iza kuleli las'eNatal. Wayiqondisa kona kwa'Zulu. Kute ngoLwezi yasondezela emazibukweni akwaZulu. Kwati ngoNgcela yaweleta petsheya kwelakwa'Zulu. Yase iqala ukulwa nokubulala abantu kwoSirayo, loku pela kunjalo njalo sekusele amaxegu nesifazana emakaya, izinsizwa lezi aziseko, sezibutene kwomkulu enkosini. Yati uba ibabulale

abantu, kwezwakala kwomkulu ukuti impi yabelungu seingene kwoSirayo. Kwabe lapo is'iwela futi ngelas'e-Dhlokweni.

Kute uba kube njalo uCetshwayo wakipa imizila emibili, omunye wawuqondisa emZinyati, onamabuto amanangi; wati omunye wawuqondisa eDhlokweni. Impi yonke eya emZinyati ngakwoSirayo wayinika uNtshingwayo ka'Mahole wakwa' Koza, kanye nezinduna ezingapansi kwake, oVumandaba ka'Nteti wakwa'Kumalo nabanye. Induna eyabe ipete umzila owaqonda ngas'e-Wombane, eNyezane, kwaku uPalane ka'Mdinwa wakwa'Mkwanzazi, noMabilwana ka' ————— was'eMdhletheni.

Kwati ngolumnyama ifile innyanga, loku pela eyabelungu lena ite uba idhlule kwo'Sirayo njalo, yaya yangenisa pansi kwentatshanyana ende ete klwi, ebizwa ngokuti "Isandhlwana"; ngalolo-ke lokufa kwennyanga, sebezwile abelungu ukuti eyakwa'Zulu seis'endhleleni iza'kuyihlangabeza; bavuka ekuseni babanga ngalapo ingenise ngakona eyakwa'Zulu ngalapaya kudana nezintatshana okutiwa "kus'eMatutshana." Bat'uba bayibone abelungu ukuti nansi lapa ingenise kona, ababe besaqla, satsha. Kwaba ukusuka kwayo eyakwa'Zulu lapo, aungizwe! ngamakulu amajubane. Kanti abelungu labo sebezok'oka uZulu lapo ukuba kuyolwiwa.

Ite uba isuke pansi eyakwa'Zulu yabanga kweyabeflungu ngamakulu amajubane. Yati uba iyibone is'iza eyabelungu, yahlehlela emuva ngamakulu amajubane, loku pela bagibele emahashini bonke labo. Kwaku aba-

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

Dhlongwa (baka'Hlubi ka'Mbunda), namaNgwane ka'Ncwadi ka'Zikali, namaKolwa as'eEdendale kanye nabelungu, begibebe bonke.

Yemuka nayo-ke lapo; yayidhlulisa izintatshana ezi amatutshana, yaqamuka yasibona Isandhlwana ngas'e-ntshonalanga. Abe es'emi epetile amasotsha lapaya pansi kwentaba Isandhlwana. Kwati uba avele obala uZulu, satsha ku'belungu abapansi kweSandhlwana, badubula umbhaimbhai kwaza kwaba izikati ezine. Lapo-ke amabuto akwa'Zulu azinge elala pansi, avuke qede agijime ngamajubane amakulu eya pambili. Yamemezake induna eyabe iyaqata, imi pezu kwonqinqimana olungas'empumalanga kweSandhlwana, ibona ukulala pansi kwamabuto ayo lapa kuduma umbhaimbhai, yati "Anitshongo njalo ukuti niyakulala pansi!" Ngokuvuka pansi kwamabuto, angena kwotente bamasotsha. Lapo-ke bawagwaza amaSotsha, es'ekatele nawo ukudubula izibhamu. Lapo-ke yazibulala yayiqeda eyabelungu eyabe ilapo. Loku pela kunjalo njalo enye enkulu ihambile yaqonda ngas'eMangeni, lapo kwakucatshe kona amaxegu nezigu nesifazana nezinngane.

Ute uZulu uba ayiqotule lapo, nango-ke es'ewelela kwelas'esiLungwini, elanda abelungu ababecatshe endhlini ezibukweni lakwa'Jim Rorke. Labo'belungu ababe lapo endhlini kungati babe amashumi amatatu kupela. Kepa balwa kwaza kwasa, uZulu epikelele ukungena abaqede; sebapula umteto wenkosi eyabatshela wona, wokuti, baze bangalingi ukuwelela kwelas'esiLungwini; baze bati bangayisusa kwelakwa'Zulu babuyele emuva;

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

njengezwi inkosi eyailulekwe ngalo ng'uSobantu, owabe ete, "Loku ngiyazi ukuti abelungu sebekunxanele nje bayakugcina ngokukwahlula, kwoba kuhle ukuba inkosi ize ingalweli kwelas'esiLungwini, kona nami ngiyakuba namandhla okuyipendulela, ngoba aniyikugcina ngoku bahlula"; uSobantu eluleka amanxusa akwa'Zulu, oMfunzi noNkisimane ababetunywe kuye is'ilwa impi. Wafa lapo uZulu kwaba izinnqwaba, ebulawa yilabobelungu abas'endhlini. Bababulala kwaza kwasa; yaku-kula ekuseni eyabantu seyahlulekile, is'ishiya izinqwaba pansi ezifileyo. Wati loya'mzila opume waqonda ngas'e-Nyezane, wayivimbezela eyabelungu eWombane kwaza kwapela amasonto amane. Okwati emva kwalawo'masonto kwafika enkulu eyabe ipetwe yinduna ebizwa ngokuti uLukuni (*Brigadier-Gen. Wood*). Leyo yahoboka ngenhla; yafika yangenisa kwa'Kambula eDudusini.

---

 ISAHLUKO LII.  
 UKWAHLULWA NOKUCITWA KUKA'ZULU.
 

---

Kwati-ke ekupeleni kwalawo'masonto amane wayipaka uJininind'omnyama onga'bubende bengonyama, wayiqondisa kuyo leyo yabelungu eDudusini. Wayinika uMnyamana, induna yake enkulu. Waiyala wati ize ingayi ku'belungu lapa bengenise kona; ize iye kubo uma bepumele ngapandhle.

Yahamba-ke yaqonda eDudusini lapo eyabelungu ingenise kona. Kwati ngangomuso yalwa. Yati eyakwa'Zulu yalishiya izwi lenkosi eyayaleza ngalo yati impi

ize ingabasukeli abelungu lapa bengenise kona; yabahlasela ennqabeni yabo ngenkati yokusa, sebeyikakile. Po, abelungu banqabisa, babatshaya, wahluleka uZulu ukungena. Kwaza kwezwa namanye amabuto abe ekwezinye izindawo, afika lapo; noko ahluleka onke. Emva kwesikati eyakwa'Zulu yaggibuka yonke, yabaleka.

Abelungu bat'uba bamxotshe uZulu bapuma kaloku ennqabeni, bamlandela ngemuva, baqonda emaHlabatini, sebebange ukuya'kubamba inkosi. Bat'uba bafinyelele eduze kwomkulu, inkosi yatumela kubo, inxanele ukuhlaula ngezinkabi ezitile ezibizwa ngokuti "Innyonikaipumuli," ezimhlope. Kepa ibuto leNgobamakosi lanqaba nazo, lati "abalungu bayakuzidhla sipelile sonke." Yazigwaza zonke iNgobamakosi, yazidhla. Nampoke beti lapa begeza emfuleni emFolozi abelungu, uZibhebhku ka'Mapita ebadubula, wabulala abatile. Noko abelungu bapendula kuye bati. "Noko nisidubula siyakufika kusasa kini!"

Ngangomuso wayileta uLukuni (*Sir Evelyn Wood*), wayiqondisa kona komkulu lapa kuhlezi inkosi. Wayihlangabeza lapo uZulu. Yalwa ngamandhla. Akubanga kusasiza'luto ukulwa kuka'Zulu lapo, yase iyaciteka njalo; inkosi yatshona ehlazeni nebutwana elingengakanani, elabuye labuyiselwa emuva nalo, ngokuti funa inkosi izwakale masinyane umkondo wayo lapo iqonde ngakona. Yadhlula noMkosana ka'Zangqwana wakwa'Zungu owab'e induna, nezinneku ezitile, nomdhlnkulu. Yahamba inkosi yaqonda eNgome, kwezika'Mnyamana ka'Ngqengelele, uNdunankulu, yaya'kungena emzini os'ehlatini, yahlala kona icatshile.

Bayifuna-ke inkosi abelungu kwaza kwapela isikati eside, abakwa'Zulu bengavumi ukuhlalukisa inkosi yabo lapo idhlule kona nalapo icatshe ngakona. Loku kwaza kwafika indun'enkul uSir *Garnet Wolseley*. Owaza wancenga ku'Mnyamana nakwezinye izinduna ukuba bamtshele lapo inkosi icatshe kona. Naye-ke uMnyamana, ebona ukuti akusena'kusiza'luto ukuyifihla inkosi, wayitsho lapo ikona, wabe es'etumela eya'kuyazisa inkosi ukuti ubatshelile abelungu. Bahamba-ke abelungu baqonda kulowo'muzi os'ehlatini lapa sebezwile ukuti inkosi ihlezi kuwo. Bat'uba bayifunyane bayitabata kanye nabantu ababehlezi nayo. Bayileta emaHlabatini.

Ngolunye usuku kwabutana uZulu pambi kuka'Sir *Garnet Wolseley*. Nenkosi yazikulumu zonke izindaba efisa ukuzikulumu ku'bantu bayo. Yayala uZibhebhku ukuba asale abonise umuzi kanye nomNtwana uDinuzulu. Kwati ngosuku ese imukiswa ngalo watsho-ke uSir *Garnet* ku'Zulu, wati, "Nimbona namuhla nje niyamgcina; anisayikupinda nimbone." Wahanjiswaka uJininindi, waya'kungenisa emkunjini wamanzi, waweliswa ulwandhle, waya'kubekwa eCapetown.

Kuleyo'nkati uSobantu wabe es'elwa ngamandhla, ebuzela uCetshwayo ukuti ubulawa nje woneni ku'ma-Ngisi, loku kazange ewela ukuza'kuhlasela kuwo na? Yakulunywa-ke indaba yakwa'Zulu, is'ipetwe ng'amakosi amakulu as'eEngland. Ukugcina lamteta uCetshwayo, kwabonakala ukuti kwonanga'luto. Wacela ukuba avunyelwe ake ayobona eEngland, abone noQueen Victoria. Wavunyelwa ukuba awele kanye nezinduna zake ezitile

ezingengaki. Wabiza uPosile ka'Manyosi ka'Dhlekezele was'emaMbateni, noNgobozane kaVukuza wakwa'Mpu-  
ngose, ngoba uMkosana ka'Zangqwana wakwa'Zungu  
wabe ebotshwe naye eKipi. Kwatatwa uGebhuza ka'  
'Somtseu (*Mr. H. C. Shepstone*) ukuya'kumikamushela  
pambili lapa es'ekuluma namakosi, nennceku yokumpe-  
kela, neyokumcwala enhloko. Wawela-ke waya petsheya.  
Wayibona iNkosazana yamaNgisi, kanye nomNtwana  
uEdward VII., nezikulu ezipete izwe las'e*England*, nabo  
bonke abakulu. Nabo bajabula ukubona inkosi yakwa-  
'Zulu. Kwatiwa kabuyele ezweni lakubo, ayopata aba-  
ntu bake ay'ekade eba pampibili.

Ite uba ifike inkosi eKipi yafunyanisa sokukona  
uSomtseu ka'Sonzica os'eyihlangabzile epuma em-  
Gungundhlovu. Kulapo-ke lapa yafika yalitshazisa  
kona, sekwenziwa imihlangano yokuti maivume ukuba  
izwe elipakati kwomHlatuze noTukela libuye ngas'es-  
Lungwini. Yanqaba-ke inkosi kuloko. Noko abelungu  
bapikelela, beti kuyo, inxa ingakuvumi loko abasoze  
bayibuyisela kwa'Zulu. Ite uba ibone sekuze kwadhlula  
amalanga amanangi beyipikelele, yasale seivuma, inga-  
vumi ngenhliziyo, kodwa itemba ukuba ize izipendulele  
uma seifikile kwa'Zulu. Ngaloko bayiwelisa-ke sebeyileta  
kwa'Zulu.

Ite uba ifinyelele kwa'Zulu, yatuma uMfunzi no-  
Nkisimane ukuza'ubikela uSobantu ukuti is'ifikile kwa-  
Zulu. Izwi lika'Sobantu alibeka emanxuseni, wati,  
"Ngiyabonga kakulu; ngitemba ukufika ebusika ngizo-  
yibona. Kodwa ngiti kini, Anohlala niqapele, ninga-

cabangi niti labo abebulala inkosi badelile; bayakuyi-  
bulala njalo. Anozibhekela, innyoni iyaz'akela isihleke  
sayo."

Kanti law'amazwi okululeka kwake azakwenza nje-  
ngokutsho kwomlomo wake uSobantu. Kuleli lokuti uya-  
kuya'kuyibona inkosi ebusika, utsho isikati ayakugoduka  
ngaso (loku pela inkosi yaibuyiswe ukutwasa kwehlobo).  
Leli lokuti abozibhekela, utsho amaqiniso okuba beza-  
kuyibulala ingazi inkosi, icabanga yona iti loku ibuyiswe  
ng'uKwini kupelile, kanti akunjalo kulabo abebeyimbela  
amagebe ukuba ikalakatele kuwo.

---

ISAHLUKO LIII.

UKUBUYISELWA KWENKOSI NOKUCITWA  
KWAYO EKAYA.

---

Kwasokutunywa uSomtseu ukuba ayobuyisela inkosi  
ekaya. Bajabula bonke abakwa'Zulu, bebona inkosi  
yabo seibuyiswe ng'uKwini. Kwaba kuhle kubo uku-  
bona uSomtseu efika kwa'Zulu, kwaba umkosi omuhle  
pakati kwabantu.

Ute uba emuke uSomtseu es'embuyisele, kweza  
zonke izikulu, kwakiwa umuzi wenkosi. Kwakukona  
impi eyabe ipunywe ng'uNdabuko noSutu, eyaihlasele  
ku'Zibhebhu ka'Mapita wakwa'Zulu. Impi leyo yabe  
ing'eyamagqubu okuzondana kwoSutu noMandhlakazi.  
Ngokupuma kwayo ayaze yatshelwa inkosi, yafihlewa.  
Ite izwa yase ikade ihambile impi. Yatuma abokuya-  
'kuyikalima, abati besika kuyo umlomo wayo wasoufikile

emizini yakwa'Mandhlakazi, ababe besasiza'luto. Yalwaké leyo'mpi noMandhlakazi emSebe. Yaluqotula lonke uSutu olwabe lulapo, kwasinda abay'ingcozana.

Nanko-ke kuti emva kwaloko wayileta kwomkulù umfo ka'Mapita o'sicocwana singanxanye, wayiyisa emzini ka'Cetshwayo Ondini, owabe usand'ukukwakiwa, ungakapeli kahle. Po-ke yaziwa ngubani, loku abantu babutene baningi, bajabulile, bezobona inkosi yabo ebuyiswe ng'abelungu, ababengasazi ukuti bayakupinde bayibuse. Kuhlangene izikulu zonke zakwa'Zulu eziy'izinsika zezwe. Utshwala lobu abubuzwa obuletwa ng'abesifazana. Innyama lena aifunwa'muntu. Impi lena aqondwe'muntu ukuti inghahle ibekona.

Kwahle kwapuma owesifazana waya'kupumela ngapandhle. Ute eselapo wayibona impi ka'Zibhebhü iza ngamandhla Ondini,—loku pela kwakuses'ekuseni kakulu. Wati ebuya wafika wahlaba umkosi ekaya ukuti "nansi impi yakwa'Mandhlakazi iza!" Bate abesilisa uba bapume, bayibona, Ah! nansi impi iza nembala. Inkosi ite uba izwe ukuti kuy'isiminya loko, yahlakaza izinnecku ukuba ziqoqele amabuto ndawonye. Api powona lawo, loku ezinye izinsizwa zivuke kuse mnyama, zapelezela aodade wabo abebeziletele ukudhla ngaizolo! abanye basalele pansi badakwe yiwo amatshwala lawo abe efike naodade wabo! Au! kwaba kubi nje kwadela.

Nanso-ke inkosi is'ituma uGodide ka'Ndhlela wakwa'Ntuli owab'e induna yomuzi wakwa'Bulawayo, yati kaye'kuhlanganisa amabuto eme ndawonye ngezigaba zawo; kuti inxa kungenzeka impi yonke isondele kuyo; (ngoba

inkosi yaitanda ukuba yonke impi yayo ike iti yeme ukutshona ngapansi ehlazeni, kona iza'utola isu lokulwa kahle), kodwa noko kwasokuba lukuni ukuba kwenzeke loko ngoba nangu uMandhlakazi esesondezele eduze.

Ute esati uGodide uhlela impi, basebesondele abakwa'Mandhlakazi, bamgwaza, wafa. Kwabelapo uSutu luluningi kakulu. Lwalinga ukuti luyabamba; yabe eyakwa'Mandhlakazi seisondele yonke. Kute kusenjalo lwagqibuka uSutu lwabaleka.

Ite inkosi uba ibone ukuti sekwonakele yati ikwela ehashini, lawa nayo; yapinda futi yakwela, lati aliwe nayo; yaliyeka, yatata izikali zayo yahamba.

Ute uHaiyana ka'Mapita uba abone ukuti uMandhlakazi us'esondele, wabiza umfana ol'udibi lwake, wati kuye, "Leta izikali zami lezo, mfana, uzilete lapa. Yiloku-ke esasikutanda ukuba sife nenkosi yetu." Wabiza ukamba lwotshwala, wapuza, and'uba apumele pandhle ehломile, ezwa ukuba uMandhlakazi us'esondele.

Yazibulala-ke izikulu zonke impi yakwa'Mandhlakazi, kungatiti yaqeda amashumi amane abantu aba izinsika zezwe lakwa'Zulu. Ababengeko lapo kwaku uMnyamana ka'Ngqengelele noNtshingwayo ka'Mahole. Umuntu owahlabanayo lapo ezikulwini kwaba ng'u'Vumandaba ka'Nteti wakwa'Kumalo, owabagwaza baze baba izinqwaba abakwa'Mandhlakazi, abaze bamahlula ngokumponsa itala, and'uba awe, iqaw'ekulu lika'Nteti.

Inkosi yat'uba ipume ekaya yahamba njalo yaza yaya'kungena esihlahleni, yahlala pansi kwaso. Kanti

nampa abakwa'Mandhlakazi belandela, behambe bebulala ababalekayo. Bat'uba bayibone inkosi pansi kwesihlahla ababe besabuza, bayiciba ngemikonto emibili, eyafika yahlaba etangeni yomibili, Yezwakala lapo-ke inkosi ibabaza, yati, "Bafokazana, ningihlabu ngemikonto ezweni lika'baba na?" Basebezwu kaloku ukuti yinkosi; bapendula bati, "Ndabezita, besingazi ukuti yinkosi, besiti ng'uZiwedu." Basebesondela eduze kwayo, bakuleka bati, "Bayete!" bahlala pansi. Kanti labo bahamba nabafo baka'Somfula, omunye owab'e innceku. Imikonto leyo-ke seiyikumulile yomibili etangeni. Bahlahlala isikatshana, besuka bapindela emuva.

Leyo'mpana yanela ukubuyela emuva, yesuka inkosi yahamba, yadhlulela pambili. Yahamba yaza yafika endaweni eyayalusela kuyo ise ngumfana, lapo kukona isigodi esinomgodi pansi wokucatsha; yahlala lapo kwaza kwaswelela. Kulapa yetuka seihlangana nesinye isibaleki, yamazi kahle lowo'muntu. Owati uba abone inkosi wahamba waya emzini wennceku, eyafunela inkosi itole elinonileyo walihlabu, wenzela inkosi ukudhla. Watabata icansi elitsha eliloku lalukwa lingakandhlalwamuntu. Kwalungiselwa inkosi uba ilale. And'uba kuti ngangomuso kubikelwe abatile ukuti "nansi lapa ikona inkosi!"

Ngokuzwakala ukuti isekona inkosi, isindile ku'Mandhlakazi, yahloma iNkomoinopondo (ibandha lika'Zwekufa, ama Cube), sebeya'kutata inkosi. Bayitabata bayiyisa ennqabeni yabo endala ka'Dhlaba, uyise ka'Zwekufa, eNkandha, kwa'Manzipambana, lapa uDhlaba

avimbelu u'Tshaka kona wahluleka ukungena. AmaCube angenisa ngapandhle kwennqaba, akaka inkosi, betsho nangomlomo abas'emaCubeni, beti, "Kufanele eze'ku-yitabata inkosi uMadhlakazi kaloku."

Kwaba njalo-ke, yahlala lapo inkosi ennqabeni pakati kwamaCube, bati nabakwa'Zulu abafisa ukuyibona baya bacela ku'maCube. Po-ke, njengokuba kwasokukona uMalimata Etshowe (*Melmoth Osborn*), es'ebonisele uHulumeni kona (*Resident Commissioner*), waqala ukuzinge etumela emaCubeni ku'Sigananda, enxusa ukuba inkosi idedelwe ize kuye Etshowe. Kepa inkosi aivumanga ukuya kuye. Kwahlala kunjalo kwaza kwafika uMr. Grant, owabe epume lapa eTekwini, enxuswe yinkosi ku'Sabantu, yati kayifuneli umlungu ohlakanipileyo, ozakuyiluleka ezindabeni zayo, ayibhalele nezinncwadi uma itanda, njengokuba noZibhebhu unabellungu bake abamlulekayo. (uZibhebhu lowo wabe enamadodana ka'Mr. R. McAlister awabe emelekelela ngokumlobela izinnncwadi, emsiza futi nas'ekulweni noSutu. Labo 'belungu babekona nabo pakati kwempi yakwa'Mandhlakazi eyabe iyobulala inkosi Ondini lapo).

---

ISAHLUKO LIV.

UKUPELA KWENKOSI.

---

Ngokufika kuka Mr. Grant es'eyekuba ngumluleki wenkosi, wasizakala uMalimati ukuba akulume noMr. Grant avumise inkosi ukuba ize kuye Etshowe. Po-ke, inkosi is'ivunyiswe ng'umluleki wayo, yapuma eNka-

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

ndhla yaya Etshowe. Yaya'kubekwa emzini ka'Keke omunye wabantu bakwa'Zulu ngokuzalwa. Yahlala konə lapo kwa'Keke.

Kwaba njalo-ke, yahlala kulowo'muzi inkosi nabantu abayikonzileyo, ihlezi ngokuhlupeka okukulu, ingezwani noMalimati, ngobapela inkosi yaingakubhekile ukuba izopatwa ngesandhla somuntu onjengo Malimati njeya ohlangene noZibhebhu oyibulalayo.

Ite isahlezi lapo, nga'mdhla uMalimati eyihlabisa inkomo, yahle yalunywa isisu; kwabelapo innyanga yayo eyabe imbhekile, uMbombo wakwa'Nxumalo, es'eyifunela amakambi okuba ike iye'kucata emfuleni. Ite ibuya lapo yaibikelwa ubuhlungu kwoka'Qetuka. Inkosi yase iti ku'Mbombo ake ayokwenza izaba lapo ku'mlobokazi. Wabe es'ebeleta uNkongolozana, elabuya laguqulwa laba uManzolwandhe.

Ukufa kwayixina inkosi ngamandhla. Yati uba izwe ukuti sekuyahlulile, yabiza labo eyai nabo, yabalandisa yati, "Ukufa sekungahlulile. Nango-ke umntanami uDinuzulu engimshiyayo, aze ayobikelwa uKwini, ukuti, ngishiya nango uDinuzulu opatele mina; nami bengipatele uMpande; uMpande wabe epatele uTshaka; uTshaka wabe epatele uSenzangakona; uSenzangakona wabe epatele uJama; uJama wabe epatele uNdaba; uNdaba wabe epatele uPunga; uPunga wabe epatele uMageba. Kuhle uDinuzulu aze ahlome ayokulwa noZibhebhu; nami ngiyakuba ngikona pakati kwempi; siyikumahlula." Emva kwamazwana atile ay'ingcozana inkosi yagoduka, yapumula ekuhlupekeni kwayo okukulu,

## KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

eyabe ikwetuka, ingabonanga ikubona seloku yazalwa.

Yat'uba imuke inkosi isidumbu sayo sahlaliswa kuyo leyo'ndhlu ekotamele kuyo. Indhlu yabhandwa ngodaka, kwenzel'ukuba kungezwakali ipunga kwabahamba ngapandhe.

Kwasokubakona ukupikisana ku'Malimati noSutu. Ngoba uMalimati wab'eti isidumba masimbelwe konəlapo; kepa abas'oSutu banqaba, bati, masiye emaHlabatini, kwamanye amakosi. Ngokupikisana loko kwaza kwavela ukuxabana kubo. (Isidumbu leso sasifakwe ebhokisini elifutshane, sahlaliswa kulo njengomuntu ehlezi, njengokukweza kuka'Zulu).

Kwat'inxo sokusondele usuku lokutata isidumbu, abas'oSutu batumela ekolweni elinnennqola abalaziyi, uHambangana, baya'kutsheleka innqola kuye ezakutwala isidumbu. Yat'uba ifike innqola, uMalimati naye wabe es'ememe impi yake yamambuka, Kwalwiwa ngaloko. Kodwa axotshwa amambuka, uSutu lwawatela ezizibeni zomfula Amadikulu, lapo kuvame kakulu izingwenya. Kepa, bebona ukuti sekuyakuba kude emaHlabatini, basale sebecabanga ukuti isidumbu mabaye'kusitshala eNkandhla, sibe pakati kwabantu abayakusihlonipa basinakekele kakulu. Nembala-ke basimukisa ngennqola, baya'kusitshala kona eNkandhla, eduze kwomuzi womnumzana wakona omkulu uLuhungu wakwa'Tshezi, o'yena nabantabake, besibonsile njalo nanamhlanje.

Iyapela lapa.

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

## UKUMA KWEZINNYANGA NGOKWABANTU.

Kufanele abantu baconde kahle ukuti ukuma kwezinnyanga zonyaka akuhambi njengalezi zabelungu. Ezabantu zahlukena impela kwezabelungu, ngoba abantu babala isigaxa esipezulu esibonwayo, inganti abelungu bona babala izinsuku ezingabonwa'muntu ngamehlo. Ngako-ke kungenzeke ukuba zihambe kanyekanye ngo-kute-nse.

Zona zimi ngokunje:—

Undasa	....	....	....	....	....	January.
Umbasa	....	....	....	....	....	February.
Unhlaba	....	....	....	....	....	March.
Unhlangula	....	....	....	....	....	April.
Umaquba	....	....	....	....	....	May.
Uncwaba	....	....	....	....	....	June.
Umandulo	....	....	....	....	....	July.
Umfumfu	....	....	....	....	....	August.
Uzibandhlela	....	....	....	....	....	September.
Umasingana	....	....	....	....	....	October.
Ulwezi	....	....	....	....	....	November.
Ungcela	....	....	....	....	....	December.

## IMITETO ELUKUNI KWABESIFAZANA.

1. Kusukela osukwini lwa'mdhla owesifazana etombayo kanako ukudhla amasi, kuze kupele izinsuku zake zokupotula.

KUSE AWAMI, M. M. FUZE.

2. Ngezinnyanga zonke zokugeza kwake angewadhlha amasi aze apotule.

3. Kafanele nakancane ukupata ibizo lika'yise wendoda.

4. Inxa etshonelwe yinngane, kuhle ukuba avame ukuvuka ekuseni kakulu ayogeza, apate umuti futi wokufafaza emasimini abantu bemizi eyakelenyo, afafaze izinkomo futi ngawo lowo'muti esibayeni.

5. Esona'sifungo esikulu kwabesifazana ng'esokuti "Mamezala," "Omamezala," (uyise noma unina wendoda).

6. Owesifazana kanako ukungena esibayeni sakwowe ungakapeli umkanzi wokupotela kuye.

Inxa eyeqile leyo'miteto impahla yonke ekaya—izinkomo nezimvu nezimbuzi—kuzakwonakala, kugcanse kufe, ngennxa yokunganakekeli kwalowo wesifazana.

## UDINUZULU.

UKUZALWA NOKUBA-KO KWAKE.

Bandhla lakti elitanda ukwazi izindaba,—Namhlanje nginxanele ukunioxela ngomNtwana wenkosi yakini, uDinuzulu ong'uMamonga woSutu, ukuzalwa nokuba-ko kwake, ngemisebenzi yokuhamba nokuhlupeka kwake, o'waza wafela kuko, es'ekatazeke kakulu inganti usengumntwana kakabi'ndoda.

Ngojabula inxa beyakuti abakiti bawalondoloze tamazwi ami bangawalahli, ukuze kuti noma sengihambile mina basizakale yiwo lapa abantwana babo bezwa ukhlupeka kwomntwana wenkosi yakubo, bese bekumbula ubunje babo.

Izwi lokuqala enginiyaleza ngalo, madoda, ngiti nize ningabaqambi abantwana benu ngamabizo apambene nokufisa kwenu; anoti nibaqamba nibe nicabangile, nikumbule akuti ibizo liyakulandela umninilo.

Isigqi sokuqala enginganilandisa ngaso yilesi esivezwe ngaoyisemkulu naokoko bake, esona siveza lezi-zinhlamvu engizipete kuleli'lizwi, engazi ukuti bonke abapapemeyo abanengqondo njengabantu bayakwazi yini loku engikutshoyo. Amakosi akona angaoyisemkulu naokoko bake, ngitata ibizo lika'Ndaba indodana kaPunga, oyena waqalisu ukuzwakalisa izwi lokuti ubukosi

obukulu buyakuhlaluka enzalweni yake, owati alusile ese ngumfana osokileyo, esendhle, waqamba ihubo elikulu lesizwe sakwa Zulu elimiyo njalo nanamhlanje. Nguye owahaya leli'hubo elikulu kunawo onke lokuti:—

A! Ha! Oye!  
uNdaba uyinkosi.  
Oye! Ha! Oye!  
Ji-ji-ji!  
A! Oye! Ji-ji-ji!

Lelo'hubo alihlatshelwa kungonakele luto, noma ku okuhle noma ku okubi, yilo elitshala amakosi, aliko futi elilingana nalo.

Yena-ke uNdaba indodana ka'Punga, uyise wamuta ngalelo'bizo emlinganisa nezintaba ezinkulu ezingapezulu kwezinye zonke. Kuleyo'nkati isibongo sakwa 'Zulu sasingesiso esakwa "Ndabezita," sabe sing'esakwa "Lufenulwennja," okwabe kuvanywe ukuba kutiwe kubo "Wena wakwa'Sibongo'sibi esingabizwa ng'abalandakazi." Lesi'sibongo sokuti kubo "Ndabezita," sivele ngoNdaba indodana kaPunga, kaMageba, kaNkosinkulu, kaZulu, kaNtombela, kaMalandela, kaMnguni, isiqu sabo. Lelo'bizo lokuti ng'uNdaba, kungati uPunga wabe es'elinganisa ngaye ukuti namhlanje yena us'ezele inkosi enkulu kunamanye, ngoba nempela babengakabizwa ngaleso'sibongo sika Ndaba ezita. Futi le indhlu yakwa-Zulu yabe isengapansi kweyakwaQwabe, ifana nesifunda seduna yona, ubukosi bung'obakwa Qwabe.

Yena-ke uNdaba wazala uJama, eti ngaloko ujame ngeklwa lomkonto eziteni zake. Wati-ke uJama wazala uSenzangakona; etsho ukuti "Loku sikwenza ngakona," epete ukuzalwa kwendodana yake uTshaka. Nango-ke

uSenzangakona ezala uTshaka ozaku "tshakazisa" izizwe zonke, noDingane oyaku—"dinga" aze ayofela oBonjeni, kanye noMhlangana oyakubulawelwa "emhlangeni," noMfihlo oyakudhliwa "imfihlo" emhlangeni, emfuleni, kanye nabanye abaningi ababazelwe ng'uSenzangakona, oMpande, etsho ukuti nguye oy'impande yomuzi wakwa'Zulu. Nguye-ke lowo owazala umuzi wakona. Nango-ke naye es'ezala uCetshwayo, eti uyakucetshwa; noMbulazi, nabanye abaningi. Nango-ke naye uCetshwayo es'ezala uDinuzulu; eti, uZulu uyakudinwa ng'uye. Nango-ke noDinuzulu es'ezala uMapumuzana noNyawana; eti ngaloko "Ngizitolile izinnyawo zami ezizakungihambela, nalowo ozakungipumuza emtwalweni ekade ngiwutwele."

Nonko-ke niyazibonela kuloku engikubalayo ukuti ibizo lilandela umniniro njengesitunzi somuntu nesento yonke ezwayo nengezwayo.

Ngebhuku laBantu. Nginosizi olukulu ukunibikela ukuti ngite ngiyiti swaca ukuyiqeda inncwadi engangihlose ukuyenzela abozovela etiwa ukubizwa kwayo "Abantu Abamnyama," sasimhlaba isifo umntwana womngane wami umnumzana omkulu wase *Edendale* uNicholas Masuku ongaseko, indodana yake enguN. J. N. Masuku ose *Glencoe Junction*; samhlaba semuka naye, sagcina ngokumtabata. Ngaloko ngadabuka ngokuqezeka okukulu, ngobapela ngangitemba ukuti lo'msebenzi engiwiqualileyo ngiyauti ngigoduka bengike ngawubona nami ukuqbeka kwawo. Po! isifo leso sendodana yami saingidonsela emuva. Ngoba seloku ngangimemezele kini angibonanga ngibona kuti siki nokuti nyaka kwenu, ukupela uMr. R. M. Siboto, os'e 75, *Upper Ashley*

*Street, eCape Town*, owati uba ezwe lowo'mkosi wangiponsela £2 ompondo ababili ukuba ngiube umsebenzi, kanye nendodana yami ese *Bloemfontein* kwa *Wm. Cuthbert & Co.*, uSolomon eyati ukusuka yangiponsela 10/- ishumi laosheleni. Inningi leli litule liqintile, libheke ukuba inncwadi lena izicindezele yona ngokwayo, ukuze liti libona ibe sei yisideku esipeleleyo, esizenzileyo.

Kanti, bakiti, awuko nowodwa umsebenzi ozenzayo. Konke kwenziwa ng'abantu ngezandhla nangekanda. Seloku kwakunjalo nasendulo njengoba kuse njalo namanhla, abantu bayasebenza ngezandhla nangamatupana abo, basebenza imisebenzi eyakugcina ngokubukwa ng'abanye; bati bonke labo abayibukayo balinganise osongati ayenziwanga ngezandhla.

Mina kambe, madoda, okwami ukuzindhla bengilinganisa ukuti masizame kuso lesi'sikati ukwenzela abakiti abazovela izindaba ezibakombisa ekaya ngalapo bavela ngakona. Intete iti inxa seimiti ekupeleni kwo nyaka, iti lapa seizwa ukuti is'izakufa, isuke iyekumba umhlabati izalele kona abantwana bayo igqibe umhlabati, ibe seiyakuhlala otini yomelele kulo, ife. Kudhlule isikati samaqanda pansi, acamselwe; besebepumela ngapezulu abantabayo beba yizintete njengayo. Nati masikumbule ukuti ngokufa loku asipeli, kodwa ngokuzala kwetu siyazikweza ukuba sihlale sikona njalo, ukuze sivuke sibatsha njalo sifane nosongati siyaqala ukuvela. Kumbulani elabadala lokuti "Akulahlwa'mbeleko ngokufelwa." Ningangisoli niti ngiyacita, qa! ngiyalondoloza. Kwobakuuhle nangomuso uma abantwana betu bezuza ukwazi izindaba zakubo ezindala kunokuba bahlale

bengazi'luto beyizintumantuma ezifana nezipungumangati.

Ngojabula uma Opezulu eyakungivumela ukuba kengibe kona, ngi'ube lo'msebenzi wami pezu kwobutakata bami lobu esengiyibo, esengizizwa noma ngihamba ukuti "Wotshi! izikati lezi seziqubekile! kunjani njena, kwaxega amadolo lapa ngihamba!" Kanti qabo! ukupa kuka'Baba akunjalo! Yena upa okungapezu kwaloko esikucabangayo, asinike nezikati ezide kunokucabanga kwetu; ng'UYE osihambisayo, osihlumisayo, imihla yonke yokuba-ko kwetu.

M. M. FUZE.

14, William Street,  
Pietermaritzburg,  
February, 1921.

UDINUZULU, UKUZALWA NOKUBA-KO  
KWAKE.

I. Ezinsukwini zokubusa kuka'Mpande, uCetshwayo eng'umNtwana, emva kweminyaka etile seyadhlula impi yombango wabantwana benkosi abalwela eNdulinde enDondakusuka, mdhla kufa uMbulazi nabafo wabo abashiyagalombili, inkosi uMpande wabulala umnumzana was'emaNzimeleni, ibizo lake kwaku uMsweli. (Ngingesibale isono sesici abe ebulawelwa sona, ngoba ukubulawa loku kwakungenaso isigqi esikulu. Engikwaziyo yiloku kupela, ukuti inkosi yalayezela ukuba baze bangabulawa bonke abantwana baka'Msweli.

Nembala-ke kwensiwa njalo, wabulawa, kwabuywa nazo zonke izikundhlwane zake. Pakati kwazo kwaku-kona indodakazi yake uSomakoyisa, isigqigqi sentombi

nje emfutshane, enhle impela ekanyayo *enga'munwe*. Owati uba afike wayiswa ngas'enhla esigodhlweni. Kepa umNtwana uCetshwayo wamtanda, waza wamcela enkosi ukuba abe yinkosikazi yake. Inkosi yavuma.

Kepa zazikona izintombi zabanumzana abakulu kunoMsweli, ezase zitatiwe ng'umNtwana ukuba azale kuzo. Pakati kwalezo'ntombi kwakukona eka'Seketwayo ka'Ntuzwa umnumzana wakwa'Mdhlahose, eyabe ibekwe ubukosikazi kunazo zonke ezinye. Kuloko abalobokazi labo bazala, bavama ukufelwa, bati abanye bazala amantombazana. Ngokumangala kuka'Zulu ukuti loku kwensiwa yini, kwahanjwa kwayiwa ezanusini, kwayiwakubuzwa ukuba loku kwensiwa yini na. Izanusi zafika zabatshela indaba abebengayibhekile (loku pela bona bebebheke ukuti kwensiwa abatakati), zati: "Loku kwensiwa ng'amakosi akwa'Zulu, ati, ayazi ukuti kwa-Zulu aitandwa inzalo; ngoba uSenzangakona wabe ezele abantwana abanangi, kepa uDingane wababulala bonke. Emva kwaloko nangu uMpande ezala abantwana abanangi naye, nampo-ke bebulawa beqedwa bonke enDondakusuka. Ati amakosi akwa'Zulu sekuyakuzalwa umntwana abe munye; kona kungayikuba-ko ukuxabana nokubulalana."\*

Hau! amazwi ezanusi amangalisa nje kwaZulu, afana nosongati ang'umhlola. Kutule kwatula kubuswa, wasitata isisu okaMsweli, wabeleta indodana. Bayiqamba ngebizo lokuti uMahelana-avela-o-Ndini. Kuleyonkati umNtwana wabe esake enzansi lapa emHlatuze kwa-Ndhlayangubo, ake umuzi wake was'Ondini-olubomvana, engakawaki lona was'Ondini olusemaHlabatini awake

\*uNyosana ka'Madwala.

ese yinkosi. Abantu base bevame ukuya kukonza lapo Ondini ku'mNtwana, bengasavamile ukuya kukonza enkosini kwa'Nodwengu. Kungati inkosi uMpande ite igoduka ingane lena uMahelana wabe eseyiqedile iminyaka emihlanu kumbe ey'isitupa, ukugoduka kwake ngo 1872. Kunjalo: uMahelana umbonile uyisemkulu, kodwa yena (uMahelana) engakabi nawo amehlo okumbona uyisemkulu.

Yakula-ke ingane yaza yafika ebangeni elifaneleyo, uyise wayiqamba ibizo, wati, nguDinuzulu, eti, "Lo, udinwa nguZulu." Wakula-ke uDinuzulu waza waba ngumntwana oseqinaqinile. Emva kwake oka Majiya wabeleta indodana, eyaqanjwa kwatiwa uNyoniyentaba. Lowo-ke waba ngowesibili enzalweni kaCetshwayo owa-zalwa wema pezu kwabanye ababezalwa qede bafe.

Kute nje lapa uDinuzulu esengumfanyana osongati useqede iminyaka kungati elishumi, uNyoniyentaba kungati owodwa kumbe emibili, yafika impi yabelungu ese izobulala izwe lakwaZulu. Kukuyo leyonkati ebulhungu lapa uZulu wabe eseqlile ukudinwa yinkosi yabo. Ngoba pela uCetshwayo wati eyiqamba nje indodana ngalelo bizo wabe ezitsho yena uqobo Iwake. Nembala abakwaZulu bakuqubile bakufeza konke loko okwabe kwaziselwelwa yinkosi uCetshwayo ngoDinuzulu, baza bagcina ngokutengisa ngaye eziweni ngako ukudinwa nguye. Ukuba ngitsho ngiti badinwa nguye, uDinuzulu waza wadineka nakuyisemkulu uMnyamana kaNgqengelele, owati nangamdhla inkosi isimukiswa ugu *Sir Garnet Wolseley*, esebeka abanumzana abazubonisa izwe emva kwenkosi, kwati lapa kutiwa uyabekwa wanqaba wati "Obami ubukosi bupelile ekade ngi-

nabo bokubusa uZulu; lobu eninginika bona angisabutandi." Kepa kwati emva kwesikati naye uqobo wavukela inngane kaCetshwayo uDinuzulu, ukugcina indodana yake uTshanibezwe wamzonda uDinuzulu, waza wangati angamkapela ekufeni. (Ngikumbula kakulu enkatini sekufike ama*Jaji* Etshowe esezoteta amacala abaNtwana aoNdabuko noTshingana noDinuzulu, okwasokutiwa uDinuzulu wabulala umfanyana wakwoMnyamana owabe ebizwa kutiwa kwaku uMadweledwele; uTshanibezwe kaMnyamana eqambamanga enzela ukuba kubulawe uDinuzulu).

II. Kwabe kute ukugoduka kwenkosi uCetshwayo Etshowe, walayeza wati lapa es'evalisa: "Mina sengimuka. Kepa akungqala ngami. Ngishiya nango uDinuzulu. Nami bengipete nje ngipatele uMpande, naye wabe epatele uTshaka, naye wabe epatele uSenzangakona, naye wabe epatele uJama, noJama wabe epatele uNdaba, noNdaba wabe epatele uPunga, naye epatele uMageba. Nize niyobikela uKwini ukuti ngishiya nango uDinuzulu. Ngiti-ke kuwe, Dinuzulu, uze wanele ukukweza isidumbu sami ubute uZulu uyohlasela uZibhebhu ulwe naye; uyakumahlula; nami ngiyakuba ngikona pakati kwempi yami leyo." Inkosi yati iwaqedaa amazwi ayo yase igoduka.

Kuleyo'nkati yokugoduka kukayise uDinuzulu wabesengumfanyana osongati uneminyaka elishumi namitatu kumbe namine, ehlakanipile kodwa kwazise kwaku izinyane leSilo. Nembala kwati uba ikwezwe inkosi weqa uDinuzulu waponseka emaBhunwini. Po! amaBhunu atokoza ngaloko ngoba abe ekade encenga nasenkosini ukuba ayelekelele ngokuyitata, alwe noZibhebhu. Ama-

Bhunu, kwati uba afike kuwo uDinuzulu amtata ahlangana, amkwelisa ehashini elinhlope, ambeka abe inkosi esikundhleni sika yise; wakulekelwa kwatiwa kuye "Bayete." AmaBhunu akulumu ati "Niyazi nani ukuti noyisemkulu uMpande wabekwa yiti."

Kwanelu ukudhlula izinsukwana ezitile nje, wayipaka umfo kaCetshwayo, warnema uZulu kanye namaBhunu, wayiqondisa eTshaneni, lapo uZibhebhу wabe emise kona. Wapaka uZulu pambili, amaBhunu alandelu ngemuva. Yalwa-ke lapo eka Zibhebhу noZulu. Kwati ngokugunya kwempi yakwa Mandhlakazi, lapa ebuyisa olunye upondo lwo'Sutu, amaBhunu amtshaya aqinisa lapo uZulu, atshaya axuba kanye noSutu noMandhlakazi. Lapo-ke kwafa gula linamasi, kwaba ubucobololo. Kwati naapezu kwamandhlala kaMandhlakazi, Iwayibhedula uSutu olumpondonde. Kwati loku izinkomo zonke zezwe lakwaZulu zasezipelele kwaMandhlakazi Iwazidhla Iwazigogoda zonke uSutu; Iwabulala abantu laba kwaba ubucobololo.

Po! loku inkomo lena yabe ingasaziwa muntu noyedwa kwaZulu, sezapelela kwoZibhebhу zonke, baziidhla baze bazidhla nobuka lwazo. Kwasokuba ukubaleka kwake njalo loko uZibhebhу nebandhlana eliseleyo lika Mandhlakazi, baqonda ngalapa eNyoni kwelingase Ntshonalanga kwelas'Etshowe, eselikade lanqunywa laba elasesiLungwini. Waka kona-ke uZibhebhу kanye nabantu bake, uSutu Iwalidhla lonke elakwaMandhlakazi.

Kwati ngobuningi bezinkomo zezwe lakwaZulu esezaapelela kwaMandhlakazi azaze zabiwa, kwaba yilowo mnumzana wazipangela nje, nabantwana benkosi bazi-pangela nabo kanye namaBhunu, ngingasampete uMnya-

mana noZiwedu. Ati amanxusa abo lawa oMfunzi noNkisimane ababeloku betunywa indhlela yokuza lapa. Ekukanyeni kuSobantu naku'Hulumeni, baxotshiswa ezabo nabo. Lonke elas'oSutu lafuya ngalelo langa. Bheka-ke abantu sebaba amahobo bonke!

Wemuka-ke uZibhebhу nesifunda sake (labo abayingcozana abasala kwababulawayo), waka eNyoni. Kwati ngokudhlula kweminyakana engemingaki wayakucela enkosini yake uMalimati (*Sir Melmoth Osborn, Resident Commissioner*), ukuba avunyelwe abuyele ezweni lake elidala. Kwati ngokuba uZibhebhу wabe etandeka kakulu kuMalimati (etandeka kakulu kunoDinuzulu), uMalimati wabahlanganisa ngolunye usuku, wababiza baya kuye enkantolo yake, wamtshela uDinuzulu ukuti uZibhebhу usezakubuyela ezweni lakubo. Kepa uDinuzulu ekuzwile loko wanqaba impela pambi kuka Malimati, ezindhlebeni nasemehlweni kaZibhebhу, wati kavumi impela ukuba uZibhebhу azokwaka eduze kwake ngoba wabulala ayise. Kepa yena wapikelela ukuba abuyele ezweni lake. Kwati ngoba uZibhebhу wabe uto olukulu kuMalimati wavunyelwa. Kulapo-ke lapa watukutela wacinywa ngamanzi uDinuzulu, bahlukana bexabene.

Po! naye uZibhebhу es'ekukumele kuleyo'nkati, sekukule ibutwana lake labafana elalibizwa kutiwa "Inyon'emhlope," waqinisa ukubuyela ngoba eti usenamandhlala okutiya uSutu. Nango-ke esebuyela emanxiweni nembala njengokufisa kwake.

Kepa uZibhebhу wab'engkuyeke ukwenza kwake kwobushinga. Nanko-ke kuti ngolunye usuku kuxabana izinsizwa zakwoZibhebhу ezingengaki, zixabana nezakwo-Nkowane ka'Msongane, kwafa omunye wakwa'Mandhl-

kazi. Ngaloko kwat'uba kubikwe loko ku'Malimati, babulawa labo bakaMsongane, kwavunyelwa abakwa'Mandhlakazi.

III. Kute ngokujwayela ukwenza imikuba emibi, nango uZibhebhu esuka ekuseni eyakuhlasela emzini kaMsutshwana waseMdhetsheni iMbhoza, efisa ukumbulala. Kepa uMsutshwana lowo ehlezi engazi luto, waqabuka ezunywa yimpi, yambulala. Kwasokuhlatshwa umkosi njalo kumNtwana uDinuzulu wokuti "Uyihlo uMsutshwana usebulewe nguZibhebhu!" Hau! kwaba kubi impela lokokwenza kukaZibhebhu, kwokubulala umuntu engaxabene ngaluto naye. Watukutela kaloku uMamonga woSutu, watukutela wacinywa ngamanzi, ekumbula amazwi ake abe ewatshela uMalimati, okuti, lomuntu uZibhebhu kalungile, utanda ukulwa nokubulala abanye njalo, akufanele ukuba amlete ngakuye, ngoba nguye owabulala inkosi.

Kwati lapa limukayo li'bantu bahle, wayipaka uMamonga woSutu, (lokupela uZibhebhu ugila leyomikuba njalo usemise kwaNdunu, intatshana engalapaya kwenkantolo yakwaNongoma namuhla (loku kuleyonkati kwakuse ikamu laoNongqai. Eyas'oSutu yabe seinge-nise ngas'ezintatshaneni zakwa Ceza (intatshana enehlati nganhlanye inganti iyinkangala nganxanye, ngasentshonala kukaNdunu, neKamu laoNongqai.

Kwati uba uSutu luwake umkumbu, wagedeza pakati kwayo uHemulana kaMbangezeli wakwaSibiya. Wayipaka lapa kuzweelayo. Wayinika ukuba ikonde kona kwaNdunu, ize ibambane inxa kubomvu enzansi. Nje-ngokuba ikamu laoNongqai linganeno kukaNdunu ize

ingayi kubo, ibadhlule nje ecaleni iqonde kwaNdunu kuZibhebhu.

Nembala uSutu lwenza njalo. Kwati lapa kumpondo zankomo bafika kwaNdunu. Wabe esefake uMagagane pambili, ibuto elikwele amahashi elivame ukupata isibhamu futi, nomNtwana uqobo wabe epakati kwalo, kung'uye opambili kwempi yake. Bati lapa beti mabafike nje ku'Mandhlakazi, satsha, satsha asabe sisangan-muka kwabakwoZibhebhu, bamtshaya qede bampindelisela emuva uMagagane. Lwabe selusondezela uSutu lolu oluhamba pansi. Lapo-ke akubange kusabuza 'muntu, kwati loku kwakungakasi ukuti-juqu, kwagqamuka izinyazi eziza neno neziya pambili, kwaba ubudhluudhlu. Kwati uba lufinyelele lonke uSutu ku'Ndunu, ngesikatshana esincane nje lwangena pakati kuka'Mandhlakazi, lwamdunga. Po! kusezakuba ngakanani, lwabaminya uSutu. Lwagijima nentatshana yonke yakwa'Ndunu, seluhambe lubacotshisa ngabanye. Nanguya umfo wakwa'Ntombela uSiqaka ka'Ngonela es'e-hamba ebacotshisa ebagwaza, wemuka nabo kwaza kwapela amalanga amatatu, waza wabafunyana abakubo sebes'ekaya kwa'Ceza lapo babengenise kona.

Kwati uba imcite uMandhlakazi, nanguya uZibhebhu eti uba abone ukuti iyayibhedula kakoku, wagijima wangena emabibini aka'Ndunu, walilahla ihashi lake lazibalekela ngokwalo, naye wabe ezicatshela ngokwake. Bamfuna, kodwa bahluleka ukumtolta.

Bababulala babati qotu, kwapuma abange'bangaki. Lwazidhla-ke izinkomo uSutu lwansondo, lwazidhla nobuka lwazo. Lwakukula lwabuyela kwa'Ceza kuyo indawo olute luhsela lwabe lusuka kuyo.

Kuleyo'nkati uSutu lwase luhlezi kalukuni kwa'Zulu, sekufana nokuti bayabulawa uqobo, ngoba pela isizwe sakwa'Zulu sesahlukene amangcozu, inni seli amambuka, selibuyele ngakwa'Hulumeni selibulala abakubo.

Kukuleyo'nkati-ke lapa umNtwana uNdabuko, ekanye nezikulu ezisavuma ubukosi bakwa'Zulu, watumela amanxusa Ekukanyeni ku'Nkosazana uDhlwedhlwe ka'Sobantu ukuzaumbikela ukuti, njengokuba sebebulawa izwe lonke nje, sebezaumuka baye kude kwamanye amazwe balishiye elakwa'Zulu. Kulapa-ke inkosazana yetuka kwaba'buhlungu kuyo ukuzwa lelo'zwi. Ati ebuyela emuva amanxusa lawo yabe is'itumela eTekwini ku'mmeli omkulu wakwa'Hulumeni, imbikela leyo'ndaba ebuhiungu.

Lute luse kona kwa'Ceza lapa uSutu wayipaka u*Col. Mansell*, oy'induna enkulu yaoNongqai, wayiyisa kona kwa'Ceza lapa. Lokupela uCeza lowo ul'ihlati nganxanye yinganti inkangala ngaxanye. Wayipaka wayiqondisa kuyo le'ntatshana edumileyo, wayiqondisa ngakulo ihlati lelo. Kwabe kute uba uNdabuko ayibone impi iza ihlomile, watumela amadoda amabili, oNdungunya wakwa'Nxumalo nomunye, wati mabayobuza ukuti bazobulawa nje benze-ni na? Banela ukufika nje oNdungunya empini lapa ka'*Col. Mansell* bamgwaza omunye lowo ohamba noNdungunya wafela konalapo, bamgwaza naye uNdungunya lowo, waba inkubele.

Ute uba ayibone seisondezela ehlatini uNdabuko, wayikukula eyake wayiqondisa ngapezulu, eyixotshela abelungu. Banela ukufika abelungu ehlatini lapa, satsha, becabanga beti uSutu lupakati ehlatini. Lat'uba letuke

ibuto lika Falaza, lapa lizwa ukuduma kwsibhamu, lafisa ukwehlela kona; kwabelapo uNdabuko es'eqinise ngamandhla ukutshaya abafana ukuba bakukule. Kulapa kwavela kona lapo abanye bas'oSutu ababuzayo ukuti "Kwenze njani lapo na?" bezwa ukuduma kwsibhamu, Bapendula abanye bat, "Batshaya ihlati." Seku ukwehla kwabafana njalo, beputshuka ngalapa nangalapa kwomNtwana, beputuma kona lapo kuduma isibhamu. Bat'uba bababone abelungu nampaya beguquka bebuyela emuva beya'kumela imFolozemnyama, beweleta ngas'emezini ka'Mnyamana Ekushumayeleni. Babati-tika abafana baguquka babuyela emuva.

IV. Emva kwalezo'nto kwafika uHulumeni Ekukanyeni ezokuluma nenkosazana ka'Sobantu, eyitshela ukuti abantu bakwa'Zulu seb'onakele, bangenwe yinhliziyo embi, banxanele ukulwa nabelungu, wati kuhle ukuba nayo inkosazana keyenze amandhla ka'yise, yena wabe ezwana nabo.

Wafika-ke uManzekofi (*Harry Escombe, Esq., Q.C., M.L.C.*) ezokuluma nenkosazana ngokuhlupeka kwomNtwana nabantu bas'oSutu. Wafika qede uManzekofi, inkosazana yabiza induna ka'Sobantu uTwaisa Mabaso ka'Mqambi noBubi Mtuli ka'Nondenisa owab'efundisa izikundhlwane kanye nami (Magema Fuze ka'Magwaza owab'ecindezel). Sat'uba singene endhlini watata-ke uManzekofi ngamazwi okuti, Kufanele ukuba uNdabuko nendodana yomfo wabo uDinuzulu bahlale kwa'Zulu bangabaleki ukuya kwamanye amazwe. Wati, kufanele inkosazana itume abantu baye ku'Ndabuko, bamtshele angabaleki, ahlale njalo ezweni lakubo, angalwi noHulumeni. Ati inxa ebabamba uMalimati (*Melmoth Osborn*,

*Resident Commissioner for Zululand*) bavume bangalwi naye. Wati, inxa benza loko uyakubamela, bahlale kulo izwe lakubo; kodwa, inxa bebaleka, beshiya izwe lakubo, belwa, kayikubamela.

Kwasokutunywa njalo yena uTwaisa Mabaso noBubi Mtuli ukuba bakauleze baye kwa'Zulu ku'Ndabuko bayokuluma law'amazwi ka'Manzekofi.

Bay a bafinyelela laba ababili, bafunyanisa izwe lilibi kwa'Zulu; abakwa'Zulu laba sebehlezi esiqiwini samaBhunu; amaBhunu lawa es'ehleze ezobayenga ngo-kuti mabahlubuke babuyelete ngakuwo, kona wona ezakutalwela ngaku'maNgisi abuyise izwe lonke libe elakwa'Zulu. Kepa uNdabuko ehlakanipile, ebazi ubuqili nenkohliso yamaBhunu, wanqaba. Kwaza kwati uba kufike amanxusa enkosazana balivuma lonke izwi lokululeka kuka'Manzekofi, bavuma nokubanjwa ukuba babotshwe.

Kanti babanjwa njalo seku indaba eyenziwa ezweni lonke lakwa'Zulu. Enzansi lapaya kwa'Mpukunyoni us'ebanjiwe uSomkele, nalapaya kwa'Ndhlayangubo sezibanjiwe izinduna zas'eMangweni, oLugoyozo noNdabayake noMasekwana, naoDhlemdhlemu; babanjwa ngen-nxa ka'Zibhebhу ka'Mapita, noHamu ka'Mpande, noSokwetshata ka'Mlandela, noMgitshwa ka'Mvundhlana; us'ebanjiwe noTshingana wenkosi enzansi lapaya ema-Hlabatini, owalwa waza wabacita sebemngenise ennqabeni kwa'Hlopekulu, uNonkwenkwezi-yezulu. Kwasoku isinyakanyaka sezwe lonke lakwa'Zulu. Po! uzwani-ke, mngane, kwaba kubi nje ezweni lonke, abantu bebanjwa bebulawa bonke aba uSutu, oSomopo was'ebaTenjini,

naoBhenjana ka'Nomageje wakwa'Cebekulu, naoSomhlola ka'Mvundhlana wakwa'Biyela.

Angazi ukuba ngingabala ngitini, loku izwe lase liyisinyakanyaka nje. Sekubotshwa bonke abakwa'Zulu, behlalana bodwa, omunye ahiale ngomunye ku'Malimati, enzel'ukuba abulawe kumbe abotshwe. Izimpi lezo eza-zilwiwa zatumba abantwana besilisa nabesifazana kanye naonina. Munye kupela umnumzana owapuma *etilo-ngweni*, uSomkele ka'Mayanda, ngoba abaKwanazi batukutela bonke, bahlanganisela izinkomo eziningi okungati zi amakulu atobe'minwe'mibili bati kabotshelwe ngapandhle uSomkele. Wonke uZulu wangeniswa ejele las'Etshowe ngezindhlu zabo, bati abaNtwana, oNdabuko no Tshingana nenngane yabo uDinuzulu banikwa eyabo bodwa indhlu, zati izinduna zas'eMangweni kanye nabanye banikwa ezabo. Babotshwa kanjalo-ke.

V. Kuhambe kwahamba lwafika usuku lokutetwa kwamacala abo. Kwatetwa elika'Somhlola ka'Mvundhlana, ehleziwe ngumfo wabo uMgitshwa os'ehlangene noMalimati ebulala indhlu'nkulu. Lapo-ke kwaseku sezinsukwini zika *July 15, 1888*, ekukumbuleni kwami. Ekukanyeni kwahamba inkosazana uDhlwedhlwe no-Twaisa induna, noBubi Mtuli nami (Magema M. Fuze). Kodwa mina ngalandela, sebepambili laba onkosazana nenduna noMtuli. Kwati ukwehla kwami sengeuka ngiya eTekwini, ngakandana noMr. W. Y. Campbell omunye wabameli bas'oSutu, epuma eJohannesburg, sahamba kanye naye sesiya *Etshowe*. Abameli bakwa'Zulu kwaku uMr. Escombe, owab'emkulu pezu kwabo bonke, kanye naye uMr. Campbell noMr. Dumat, noMr. Samuelson (uBhembedu) owabe ebaluleka olimini lwakwa'Zulu,

noMr. Burgess owabe esebenza ngokubhala amazwi amafutshane inxa kukulunya indaba. Inkos'enku eyabe iteta icala kwaku ng'uSir Walter Wragg ekanye noMr. Fannin (uMakanda), noMr. Rudolph (uTshela). Umme-li wakwoinKulu kwaku uMr. W. B. Morcom. Induna epansi kwamaJaji kwaku ng'uMr. H. C. Campbell. Iku-musha kwaku ng'uMr. S. O. Samuelson.

Kwakubutene uZibhebh uabantu bake, noSokwetshata uabantu bake, nezinduna zika'Hamu, noMgitshwa ka'Mvundhlana nabo bonke abeze emacaleni abo, nao-Tshanibezwe ka'Mnyamana oseze'kumangalela uDinuzulu uqobo eti wabulala umfanyana wakwake uMadwele-dwele.

Atetwa-ke amacala lawo izinnyanga songati kwaza kwapela izinnyanga ezine. Kwati ngo *December* inkanntolo yahlakazeka, kwatiwa kusayakudhliwa *uKisimus* emGungundhlovu. Nembala kwahanjwa-ke kwahlakazekwa; kwasala *uMagema* yedwa *Etshowe* owabe enomsebenzi wokufundisa abaNtwana bobatatu benkosi ukuba babone amabala okuti A, B, C, D.

Kwat'uba apeie uDecember afika amakosi, angena amacala njengakuqala. Kwasokusondela usuku lokuteta amacala abaNtwana bobatatu. Kwaqalwa ngelika'Nda-buko ong'omkulu kubo. Wanikwa ukubotshwa iminyaka el'ishumi nanhlanu. Umfo wabo uTshingana wanikwa el'ishumi namibili. Kwagcinwa ngengane yabo uDinu-zulu abamnika iminyaka eshiyagalombili. Anqunywa njalo lawo'macala kuqalwe ngokuba bati abameli bakiti bamemezela ngaizolo, bayala bonke abas'oSutu ukuba baze bangezi ngomuso ngalelo'langa lokunquma, ecaleni, kuze kuze abaNtwana bodwa, ngoba kuyakunqunywa

amacala abo. Ngaloko-ke kwati ngalelo'langa kabaze beza abantu, bahlala emizini abangenise kuyo. Kwati kusa kwakufika amasotsha, okwati enquunywa amacala lawo abe'emi ngapandhle, kwaza kwafika inkati yokununywa kwawo apele, sebequtshiwe abaNtwana bayiswa ejele. Wabe ummeli wakomKulu eqale ngaizolo ukukuluma waza wagcina emmini. Kwasokutata uManzekof emva kwake, sekubutene abelungu abaningi. Wakuluma qede anqunywa-ke amacala lawo ngangomuso. Emva kwaloko inkantolo aibanga isahlala kakulu, yatshetsha ukuhlakazeka, kwasala uMalimati no Mmango ka-'Somtseu no*Mr. Knight*, abateti bamacala bakwa'Zulu, abasala baqedela amacala amancane aoNkunzemnyama naoMalumbela kanye nabanye engingasabakumbuli kahle.

Kwat'uba emuke amakosi amakulu kwasala ummeli waba munye uMr. Dumat kanye nenkosikazi yake; wah-lala yena noDhlwedhlwe aze apela swaca onke. Nguye uMr. Dumat oватwala zonke izinnkwadi zamacala, es'e-dhlulisa amacala eyiswa petsheya kuSecretary of State. Noko-ke ngangihlezi njalo mina ngifundisa bona abenKosi bobatatu kona-lapo etilongweni las'Etshowe, kwa-hamba kwahamba yemuka inkosazana noNondela (*Master Eric Colenso*) indodana yomne wabo uMnyaiza ka'Sobantu baya Ekukanyeni ku'Nkosikazi, okwobane sebezauwela njalo bonke baye'kulwa necala kubo petsheya; nenkosikazi ihambele kubo iye'kubona umne wabo nabantwana ekayakubo. Nampo-ke sebewela njalo, inkosikazi nenkosazana uDhlwedhlwe enonyana wabo uSineke nendodana yabo leyo uNondela.

## VI. Kepa-ke mina ngangisele njalo ku'baNtwana

ngibafundisa, ngihlala kanye noPaul Bontsa Mutimkulu noLutsha Ngcobo owab'e umkwenyana ka'Mfunzi wakwa 'Xulu inxus'ekulu elalivame ukutunywa yinkosi uCetshwayo ekanye noNkisimane wakwa'Luhlongwana, Eku-kanyeni ku'Sobantu. Ngahlala njalo-ke Etshowe ngipete lowo'msebenzi wokufundisa. Inkosazana yabe ingitumela njalo imali yokutenga ukudhla, ngoba indhlala yabe ikule ngamandhla ezweni, nalapa esiLungwini abantu bavama ukusizwa ngu*Flour* nezinkwa ababezitenga ngokusebenza ku'belungu emGungundhlovu.

Kute ngo *January 15, 1890*, kwafika kiti izwi lokuti abaNtwana bayabizwa kutiwa mabeze kuzokulunywa nabo, batshelwe lapo bezakuyiswa kona. Sezwa sonke kona kusihlwa ukuti bayiswa esiqingini e*St. Helena* lapo bezakuya'kubotshelwa kona. Wo! kwaba ubunyakanayaka pakati kwetu, sinyenyeza ngako loko. And'uba kuti ngangomuso bangitshele nami ukuti sengizaufanelu ukubuyela ekaya. Ngasengilobelu uManzekofii njalo ngambikela lapo beyiswa kona. Wangipendula wati inkosazana nenkosikazi sebedhlulile esiqingini sase *Madeira* namuhla. Wati kulungile, uzwile.

Emva kwaloko ngasengizilungisela indhlela nami. Ngashiya uPaul Bontsa, okwasokuzwakele ukuti uzau-hamba kanye nabeNkosi naye aye kona e*St. Helena* lapo.

Kepa lelo'cala ladhla imali eningi ka'Sobantu, ngoba bonke abameli labo ababelekelela umuzi wakwa'Zulu bakokelwa esikwameni sika'Sobantu, naleyo yokuweza ummeli *Dumat* owawelisa izinnchwadi zonke ezipete le'ndaba yapuma kuso njalo; okwaze kwabangela umlungu was'e*Bank* ukuba abe'lukuni ukuyinikela inkosazana, eti, iya ngapi impahla yabantwana baka'Sobantu

lena na? Kodwa, kwati ngoba yaba isekona inkosikazi, wavuma ukuyidedela ngezwi layo. Kungati ifinyelele ezinkulungwaneni ezintatu ( £3,000, uma ngingaposisi).

Ngehla mina ngaya eTekwini ngaya ngalala kwa'Manzekofi. Kwasa ngivuka ngibanga emGungundhlovu. Angihlalanga kakulu ekaya emzini wami, ngabuya ngaya'kufuna umsebenzi e*St. Alban's College* ku'Hwanqana (*Rev. F. J. Greene*) owabe efundisa abafana kuleso'sikole. Umsebenzi wami wabe ung'owokubafundisa ukucotsha *amatype*. Kwakukona umulungu owabe epete *umshini* wokucindezela, ibizo lake kung'u*Mr. Braum*, eng'owas'e *Italy*. Kukona futi aotisha babantwana ababili oSkweleti Nyongwana nomunye, ababefundisa A, B, C, D, nokunye, njengomkuba was'ezikoleni.

Ngahlala-ke nami e*St. Alban's College* lapo ngifundisa izikundhlwana owami umsebenzi wokucotsha *amatype*.

u*Mr. Braum, Italian*, wabe efundisa abanye ukutunga izixatuba; yena epete yonke imisebenzi epakati kwendhlui, ekwazi futi ukwenza *istereotype*, (ukwenza ukhlanganisa amazwi abe yinnchwadi eyakuhlala isikati eside).

Abakwa'Zulu babeza njalonjalo kimi bezongibikela izindaba ezivela kwa'Zulu ku'Nkosikazi oka'Msweli kwa-Nengwa, nezivela pakati kwezwe, nezivela ku'Sambane ka'Nhlongaluvalo inkosi yakwa'Nyawo. Kepa kuti ngen-nxa yokuswela ituba lokuloba ngibatshelle ukuba baze bahlangane Ekukanyeni silobe kona, sesihlangene kanye-kanye. Induna eyabe ileta izindaba zonke zabantu kimi ezivela kwa'Zulu eyabe imiswe kwa'Zulu, kwaku uMjwepuna ka'Malungwana wakwa'Tshandu emaMbateni.

Yonke imali eyaifika ivela ekaya yabe iletwa kimi

ng'abantu abeletwe ng'uMjwapuna. Ngiyibale qede ngiyilobe, bese ngiyinika abayiletileyo bayiyise behamba nayo induna uMjwapuna, enkosini kwomkulu, kwabaza-kuyiquba iye ku'Dinuzulu eSt. *Helena*.

Inningi imali eyabe iyiswa ku'Ntwana, ngenye inkati £5, kumbe £10, noma £15, kumbe £20 noma ngapezulu kwaloko njengamandhla okwenza kwabo.

Babengenise emizini eminingi Ekukanyeni. Induna yabo uMjwapuna wabe engenise emzini ka'Bubi Mtuli ka'Nondenisa, umnumzana owabe efuye kakulu izinkomo enemali futi nas'eBank, ey'induna futi yabantu baka-'Mahoiza.

Kwakute ngonyaka 1893 kwagoduka inkosikazi ka-'Sobantu is'ihlale iminyaka el'ishumi emva kwokugoduka kwomyeni wayo, ngobapela yena wayishiya ngo 1883. Igoduka njalo is'and'ukubuya kubo petsheya, ngobapela yaihambe ngawo lowo'nyaka owahamba abaNtwana benkosi ukuyiswa kwabo beya'kubotshwa esiqingini eSt. *Helena*.

Kute-ke emva kwokugoduka kwenkosikazi loko, nanso-ke inkosazana uDhlwedhlwe iwela futi iya petsheya iya'kulwela abaNtwana. Yahamba noBubi Mtuli ka'Nondenisa ngayo indhlela eqonde eSt. *Helena*. Yafika yamshiya kona oka'Nondenisa yadhlulela eLondon yona. Yahlala kona-ke isebenza wona umsebenzi wokubuzela abenkosi. Naye uBubi wasebenza ukubafundisa abenkosi kanye nezikundhlwane abasebezizele, oNyawana noMapumuzana baka'Dinuzulu, nabo bonke abatanda ukufunda, oXamandolo wakwa'Zungu nabanye. Wahlala kona-ke uMtuli wabafundisa.

Yalisebenza-ke nayo inkosazana icala labenkosi

Ngicabanga ngiti ku'mzukwana is'ibonana noMr. *John Joseph Meek* ehamba noJejese ka'Nongcangca Zulu umkake, behambele eEngland nabo. *Kwaku* into enku lu ukubona uJejese ku'belungu, ngoba wabe ebizwa ngokuti *Princess Jejese*, okung'ukuti "inkosazana."

Kepa uBubi kahlalanga kahle, ngennxa yehumusha labo, *Anthony Daniels*, owahlala emcunula engatandi ukumbona 'aziswa ng'abaNtwana; loko kwamenza ukuba acele ku'Nkosazana eEngland ukuti kavunyelwe ukuba abuyele ekaya eNatal. Yavuma ngloko inkosazana ukuba uBubi aguquke njengokucela kwake.

Mina-ke ngangifundisa kona eSt. *Alban's College*, ngisebenza kona njalo, ngipete umsebenzi wezinngane imihla yonke, kuti ngeSonto ngipate owakwa'Zulu. Lase-lifikile noMtuli izwi lokuti uDinuzulu uyangifuna ukuba ngize'kufundisa izinngane zake; noko ngaka ngahlala isikatshana.

Ngasengike ngahamba ngaya ngafinyelela kwa'Zulu ngayibona inkosikazi oka'Msweli emzini wake kwa'Nengwa, wangihlabisa enku lu inkabi. Ngabuya ngadhlula ngaya *Etshowe*, ngafika ngabona uKwezi (*Sir Marshall Clarke*) epete esikundhleni sokuba abe umbheki wezwe lakwa'Zulu (*Resident Commissioner*). Ngabuya ngehla ngeza kwelakiti eNatal. Ku'mdhla ngilihamba kakulu elakwa'Zulu ngaza ngafinyelela enzansi kwoBhejana ka-'Nomageje wakwa'Cebekulu.

Emveni kwalezo'nsuku angibanga ngisahlala kakulu, kwaba izinsukwana nje lafika izwi elipuma ku'mNtwana uDinuzulu ngo 1896 lokuti mangize'kufundisa izikundhlwane zake inncwadi eSt. *Helena*, oNyawana noMapumuzana noMpapu (*uVictoria*), noMshiyeni (*Arthur*)

ese mncane, beno Bhekelendoda (*Samuel*), engammela mina mdhla ebapatzwayo.

Ai-ke! wahlala umNtwana kanye naoyise bobabili bebotshiwe, efundiswa inncwadi ngu *Rev. Mr. Barracough*, nenkosazana u *Miss Burchill* wase *Rupert's Valley* emfundisa ukubeta ugubhu. Ubaba u *Dr. Paul* engumfundisi wokubashumayeza nokubafunela amakambi inxa begula; u *Xamandolo* wakwaZungu elekelela u *Paul Bonts* ngo-kushumayela; u *Nyosana Mtembu* benoMkolokoto umfo wabo besiza kuyo yonke imisebenzi ekaya.

VII. Bahlala-ke abaNtwana kwelase *St. Helena*, betwe kahle, bedhla bepuza; benennyanga yabo u *Dr. Welby*, indodana yomBishopo wakona. Ngitsho noHulumeni wakona wabe ebapete kahle kakulu.

uHulumeni wabe evama ukwenza amadili okudhla, ameme nomNtwana kanye no *Dr. Paul* baye'kudhla kona kwa'Hulumeni, lapa kubutene abelungu bakona abakulu; kuti ngesinye isikati idili lenziwe nguye umNtwana, abize nao *Mr. Solomon* nao *Mr. Yon* izigwili zakona, ngingasazipete izintombi zakona, ama *Saint Helena* kazi. Lapo-ke kusinwe, kudhlalwe, kuti kwitshilili. Aba-Ntwana laba—oyise bobabili—bahlae nje bazibukele, kanye nabalobokazi babo. Kusine izintombi zao *Cummings*, o *Cressy* nodade wabo, ezinsundukazi zona, nao *Martha Williams*, (bobabili labo oyise abatunjwa be izingane, begeza emfuleni e *Kongo*).

Kulapo-ke lapa ngatola kona ingozi embi yokuba ngapuke umlenze esihlakaleni sangasekunene, ngaponsa ukufela eweni eselabulala abantu abane, endhleleni eya e *Rupert's Valley* esukua e *Jamestown*. Kwasokuhlwile ngo 9.30 p.m. UmNtwana wabe engitume ku *Miss Burchill*

ukuyakubuza ukuti akufikanga'ncwadi yini epuma ku-*Miss Colenso eLondon* na? Kwabe ku isonto, ngo *March 7, 1897*, sesibheke izwi elizakufika ukuba kutiwe asibuyele kwa'Zulu. Kunjalo njalo sekuke kwenzeka umhlola omkulu owaqatshukwa yibo bonke abase *St. Helena*: ukuba kudume izulu, liwile isangquma, okungabonange kwenzeka kona seloku laqibuka pansi pakati kwolwandhle. (Ngobapela kutiwe i *St. Helena* leli alivelanga libe yilesi'siqingana esincane kangaka pakati kwolwandhle. Kutiwa kwati endulo lafumbuka pansi njengekowe pakati kwamanzi amakulu olwandhle. Kutiwa kwati umkumbi owabe untanta pezulu, betuka souquzuka nje, kanti kuku-puka umhlabati pakati kwolwandhle. Wafa-ke lowomkumbi, nanamhlanje ziyabonakala izinsika zaho eweni elingenzansi kwase *Francis Plain* lapo kwakuhlala kona umNtwana, nangenhla kwomuzi was'e *Jamestown*).

Ngas'enhla kwomuzi was'e *Jamestown* kukona enningizimu kwavo indhlu enkulu yase *Maldivia*, eyabe ihlala bonke abakwa'Zulu, bepelele kuyo, enezindhlu zayo eziningi ukuti bepelele, ngitsho bonke abaNtwana bobatatu, oyise bobabili nendodana, kanye namakosikazi abo nabalobokazi bobabili; nezinnceku zabo bobatatu, kwabuye kwati emva kwesikati kwafika u *Mbhodiya*, isalukazi esasiletwe ukuba size'kuba umzanyana wezingane, sibabeletsie futi.

Nantuya ukalo ngas'empumalanga kwase *Jamestown* olwalunendawo eyabe ihlala u *Bonaparte*, inkos'enku yama *French uNapoleone*, lapa wabe ebotshelwe kona waza wagcina ngokufela kona. Ukusuka e *Jamestown* ukuya lapo kunebangana.

Ngalapaya ngas'ennigizimu kwalapo kungase *Sandy*

Bay, lapo kw'ake ngakona uMr. Yon, isikulu sakona esike simeme abantu abanangi kuyogundwa izimvu, ufu-yile lowo mnumzana. Naye uke enze lona idili lokudhla, azimeme zipelele kuye izikulu. Kungalapo kuvame kona omka'Lota (izinsika zika'saoti). Ikona futi ngalapo indawo yokugeza, kukona icwebana, bonke abatandayo bay a kona baye'kugeza elwandhle. Lapa ngenhla ngas'entshonalanga kukona indhlu yeSonto enkulu yamaNgisi lapa kusontela kona uBishop Welby, uyise ka'dokotela wetu, oyena ebonise umNtwana naoyise nabantu bonke uma begula. Ngenzansi kwalapo okalweni kukona innqaba yamaButo. Entshonalanga yalapo kukona indhlu yaseNdhlunkulu, lapo kuhlala oHulumeni kona ibizwa kutiwa leyondawo *Plantation*. Entshonalanga yalapo pezu kwolwandhle kukona enye indhlu enkulu eyaka yahlala bona abakwaZulu ukufika kwabo besapuma kwelakubo, kodwa babuya bakitshwa kuyo ngenxa yokuba ivame umswakama, ibabangela ukugula.

ISt. Helena akusiso isiqingi esibanzi, sincinyane kakulu; kuyabonakala ukuti nembalu saqibuka pansi njengekowe. Ububanzi baso bu amamile amashumi'mabili kupela, (20 miles round) inganti ubude bu amamile ayisi-kombisa kupela (7 miles width). Abantu bakona bavame ukuzwana nokutandana. Kukona amavinkili atile; kodwa eliwatshaya ingqoto onke ngelika Mr. Thorpe, onesitolo esikulu esinempahla eninginingi, nomNtwana avame ukutenga kuso. Kamhlope yena, unsundu umbala wake uMr. Thorpe.

VIII. ISt. Helena liyisiqingana esihle esipolileyo. Kakwaziwa ukuduma kwezulu kona, ukupela liyana nje. Aiko kona innyoka, nengwe, nembube, nofezela. Aiko

innyamazane enkulu ukupela unogwaja. Aiko innyoni ngapandhile kwalezi abazibiza ngokuti 'Pheasant,' esingati tina inkwali inxa singati isikwehle noma itendele. Oku isimangaliso, umuti engawufunyanisa kona "umfusamvu," owabe usisiza kakulu emkuhlaneni. Akuko ukubalela okukulu kona nokutshisa okwesabekayo. Aliko ihlobo nobusika; inxa utanda ungazilimela zonke izinyanga uzidhlele umbila wako namazambane nobhatata ehlobo nas'ebusika, akuko'mahluko. Kaziwa kona uLongosiki noRinderpest noTickfever noRedwater. Uku-pela abantu bakona bazifuye amahashi abo nje, asiko isimoniya nezinye izifo ezibulala amahashi nezinkomo nezimvu njenga kulawa'mazwe akuleli lakiti, lapa lit selitwasa beses'azi ukuti kuzakufa abantu njalo abanangi, abanye sebedutshulwa ngamabomu, kutiwa yiziponso lapa bebulawa l'izulu. Ekona kwasikalisa kakulu lapa sesikumbula ukuti konje sesibuyela kwa'Zulu nje asisykuhlala sipelele njengalapa, abanye sebeyakudutshulwa njengezinnyamazane, bebulawa ngemiti yabatakati.

Umkumbi lona wesitimela uti ungfika nje, kubekumkosi omkulu pakati kwama Ledi ase St. Helena. Kuyavunulwa kungenwe ezikebheni ezincane, ziwaqube amaledi ziwayise kona pakati lapaya, kuyocelwa imali. Bapume emkunjini nabelungu aba izihambi laba kuti sabalala kuhanjwe kubukwa izwe, namatilosu avame ukuhamba amahele pakati kwezwe.

Kuti ngamaSonto ufunyane kutule kute du, kuyiwe emaSontweni ku ukupela. Abakwa'Zulu babevama ukusonta kulo leli labelungu elingenhla okwakusontisa kulo inkosi uBishop Welby, esekelwe nguRev. Mr. Barracough,

noma engeko (uBishop) noma ekona. Kulapo babapatiswa kona oDavid (uNyawana), noSolomon (uMapumuzana, elinye uNkaitshana), noVictoria (uMpapu owazalwa ngosuku luka Queen Victoria), noArthur (uMshiyeni) owazalwa mdhla abakwa'Zulu beponsa ukubuyiswa sekutiwa uMkasilomo unina uzakushiywa aze alandele, noSamuel (uBhekelenoda, ngoba abantu baza babulawa bapela beqedwa ngu Zibhebhu belibebe beti "Tina sibheke elendoda" betsho uMnyamana). Kutiwa leyo'ndhlu indala kade yabe ikona ekadeni.

AmaBhunu lawa kutiwa ati ukuqala ukuhlubuka kwavo kubo eHolland aya kuso leso'siqingi aka; kodwa kwati emva kwenekati axotshwa kuso ng'amaNgisi. And'uba aqubekele lapa eCapetown, lapo afika ahlala isikati esikulwana. Nawo njalo abe efunyanisa kw'ake izizwe zamaLawu ezikuluma 'lulimi lumbe esingaluzwataina, ezimbiza ziti uNkulunkulu ngu'TIXO, betsho intete lena e'emadolodolo esiyibiza tina ngokuti ISITWALAMBIZA, sitsho ngako ukumila kwayo okubi loku eyenziwe isilima ngako. Nampo-ke abafundisi ngokungazi, sebefike ku'maXosa, abantu abazwela kakulu inkulumo yeziwe, sebebatshela lona lelo'gama, abafike balizwa ku'maLawu nabo, babafundisa okwokuti uNkulunkulu ng'uTIXO, betsho sona "isitwalambiza."

Esuka-ke namaBhunu uba afika kwelas'e Kipi, nankaya eya'kulanda amanye amaLawu ngas'e Filipolis, ewakohlisa ukuba azowenza izigqili,—oseloku kwaba umhambo wawo ukwenza abanye abantu izigqili, labo abangemhlope, ngoba ababiza ngokuti bay'izimfene, ao-Bobotshane. Awayenga amaLawu ngokuti "Wozani niye kwa'Mooi Plaas, lapo ubhatata wakona ungangesi-

dumbu somuntu, kuti uma uwutanda ubopele izinkabi, udhlulise isondo lennqola emhlabatini, bese kupuma isigaxa esikulu esingangomuntu." Po! amaLawu esezwe okukulu kangako, apangelana ukuza kwelase Kipi, anela ukufika nje, amaBhunu awapuzisa iSopi, awatelela kwezinkulu izingilazi; abe es'ekohlwa, kawabe esakutanda ukubuyela emuva; abe es'ekohlwa nya na inkulumo yakubo asale esekuluma lona kupela ulimi IwamaBhunu.

Nanko-ke sekuti emva kwaloko sekufika iNkisimane, is'ilidhla futi lelo las'e Kipi. AmaBhunu ayaluza nje kaloku akohlwa ukuti azakuya ngapi. At'ukusuka adundubala uNdi ngalapaya kwalo, ehambe ezifunela izindawo zokubalekela iNkisimane. Ngokubaleka kwavo ahamba aza afika kuleli las'eNatal, lapa afika ati ahlaba kona ikefu. Ate esati kefu nalapo afika amaNgisi futi. Ngaloko abaleka adundubala uNdi, aya'kuhlangana nala-wayaya akupuka ekadeni nga-le kwoNdi, ebalekela yona njalo iNkisimane belu.

Kanti kuzaugcina ngokuba liti lelo'lizwe kuqamuke igolide kulo; kuti nikilili, kupangelane izizwe zonke ziyeckumba lona, zitole ukunota. Uzwani-ke: kuhambe kuhambe kuze kugcine ngokuxatshanwa, kulwiwe; ahlulwe amaBhunu; liti lelo'zwe ligcine ngokubuyela ezandlheni zamaNgisi futi; lapo namhlanje isiHlalo somBuso wamaNgisi simi kona.

IX. Ake ngipindele emuva, kenginilandise indaba yokulimala kwami eweni elikulu eselabulala abantu abane. Nami, madoda, akuyanga ngokuhlakanipa kwami ukuba ngisinde kulelo'liwa elesabekayo eselaqeda abantu, kwaya ngokubona kuka'Baba Opezulu, ngoba nganqingasazi'luto. Kodwa ngiyaqonda ukuti, ukuba angapukanga

nqamu amatambo esihlakala sangas'ekunene, ngakube anginilobel i lezi'zindaba, ngakube sengaba'matambo 'mhlope njengabo labo abakalakatela kulo lelo'liwa.

Kuzauti nje uba ngitunywe ngumNtwana ngeSonto kusihlwa, ngisuke kuye ngibange *eRupert's Valley* ukuba ngiyobuza ku*Miss Burchill* ukuti akufikanga 'nwadi yini evela ku*Miss Colenso eLondon* na? Nganele ukudundubala ukalo ngiti ngingakaluqedi ngikalakatele. Iwa leli lide kakulu, ngicabanga ngiti ngati ngiya pansi ngase ngikade ngipelile. Pansi kwewa kukona itshe eli idwala. Ngalapa kwalo kukona umhlabati oibhuqu, kepa ngalapa licijile. Pansi kwedwala leli seku ulwandhle. Kodwa ikona indhlelana ehamba ngapezulwana kwolwandhle evundhlayo elwewusayo. Ngizauti-ke mina uba ngipapame lapo ngizame ukuti ngiyavuka, kwale; ngikohlwe nje ukuti ngenziwa yini nokuti ngikulekwe yini. Kuze kuti ngenkati ende ngizame ngamandhla ukuvuka, ngihlale ngesinqe; "Wo! kanti akuvumi nje ngapuke itambo, unyawo lolu solutshaya lapa esihlakalen! Po! ngizakwenza njani, loku nanku sekuhlwe kangaka, kumnyama futi? Mangisale sengilala, kuze kuti kungasa ngisekona ngimemeze abantu bazongitwala." Lapo-ke ngenza umkuleko weNKOSI, ngilele pansi, "Baba Wetu os'ezulwini," &c., ngingapumeseli ngomlomo. Kodwa ngite ngingakawuqed i ngezwa abantu bekuluma ngenhlana kwami, ngasengimemeza, "Hallo!" Bapendula bati "Who are you?" "Am a dead man." Basebefika kimi. Kanti amabuto amabili, ahamba epete ubhaqa (*lantern*), ngoba kwakumnyama kakulu. Bafika babuza kimi ukuti, "Yini, kwenze njani na?" Ngabalandisa ukutunywa kwami ngumNtwana, ngilele pansi. Kepa

bangihaukela, bahamba baya'kubikela uHulumeni *eCastle*, naye esekona uqobo lwake, ngoba kwaku isonto, kufike izindaba ezipuma komKulu.

Ngesikatshana ngilele kona lapo wafika u*Governor Grey-Wilson* ehamba no*Major Peacock* nehele lamabuto. Wabuza kimi (loku pela wabe es'engazi) ukuti kwenze njani na? Ngamlandisa. Loku pela bafika njalo sebepete uhlaka. Bati ukubuyisela unyawo endaweni yalo, kodwa abaze bangelula; basebengibeka pezu kwohlaka, bangitwala. Ngabuzwa-ke kaloku ubuhlungu obesabekayo obuqedwa ukufa ukupela, ngenkati lapo kwahulkana amatambo kuti kehle-kehle. Okwangenza ukuba ngifikelwe isiyeli, ngaza ngaqabuka lapa sengikunyulwa izixatuba namabulukwe pezulu *estezi eCivil Hospital*. Umuntu owoffikayo ngambona kancane lapo ngu*Dr. Paul* (ngoba pela yena w'ake kona *etawini eJamestown* kanye renkosikazi yake. Naye ngambona kancane.

Ngabafunyanisa-ke abantu abanomunyu abahaukela umuntu kakulu, o*Miss Williams* no*Mrs. Ellis*, ebona bepete isibhdedhlela. Loku pela akuseko'luto lapa ku*Dr. Welby*, usekade wahlulwa i*Sopi* leli elanqoba amalawu, eselaba yisifo somhlaba wonke. Kwaza kwadhlula amalanga amatatu uDokotela engafiki, kepa amakosazana lawa engipete kahle. Into eyaba'mbi, abangelulanga, besaba, baluyekile nje unyawo lwaizihlalela lapo luhlezi kona. Lapo-ke ubuhlungu abusabuzwa'muntu, soku-nqaba ukuba ngipatwe nje nangomunwe.

Ngangomuso umNtwana uDinuzulu watumela ezocela ukuba kuvunywe ukuba ngizogulela kuye, angelule; ngoba pela naye wabe enayo innyanga yake eyabe imiselwe leyo misebenzi—u*Dr. Paul*. Banqaba abelungu

ku'Dinuzulu. Waza watumela katatu, encenga, yena kanye naoyise bobabili, oNdabuko noTshingana. Kepa bagcina ngokunqaba njalo abelungu. Bat'uba bahluleke batumela uXamandolo kimi ukuba aze'kuti ngize ngingavumi uma beti abanginqume unyawo.

Kwaba njalo-ke, bala bapeta ngokunqaba njalo abelungu bansondo, abaze bavuma ukuba ngiye kwabakiti abakwaziyo ukwelula nokuhlanganisa itambo lomuntu elapukileyo. Ngahlala esibhedhlela izinnyanga ezigcwele ezimbili. Emva kwaloko wehla uDinuzulu eFrancis Plain weza'kungitwala ngekalishi lake, ngaya'kugulela kuye. Ngite sengi kuye ngacela ukuba ngelulwe, noma Iwapulwa unyawo kungabi na'cala. Kepa yena wanqaba impela, wati sengingafa inxa lupinda luquzulwa kuloku osekuhlumile, akuna'cala noma unyawo selu isilima uma ngisekona uqobo Iwami emhlabeni. Kwasokuza uDr. Paul nomNtwana uTshingana beza'kungifaka umhlabelo, bangicaba kwaba ukupela.

Ngiti-ke, bakiti, ningamangali uma nibona nginilobelala kangaka izindaba. Angazi ukuba uNkulunkulu wabe etini inxa engavumi ukungigodusa njengabanye labo abafele kulelo'wa elesabekayo. Ngiyabona nje ukuti kukona angihlalisela ukuba kengifeze kwona. Kungaloko-ke ngiti manginizekele nanele zonke lezi'zindaba. Futi nanti izwi elifanele kakulu ukuba nginazise lona: Ukukuleka ku'Nkulunkulu kuyisihlangu nesinkemba ku'muntu okolwa kuYe. Noma epansi kwobunzima obungakanani, ngiyaqinisa, buyakutshetsha ukumeluka. Angitsho ukukuleka loku kwokumemeza ngezwi elikulu ukuba umuntu aze azwiwe nayilabaya abahamba ezintabeni ezikude; angikutsho futi loku kwokuba umuntu

aguqe pansi kuze kupele *ihora* lonke, bayavuka pansi abantu sekubuhlungu amadolo. Ngitsho ukukuleka ku'Baba ositandayo, osihaukelayo uma sipakati kwasizi, singabonwa'muntu, njenga kuleso sikati engangikuleka ngingedwa pezu kwolwandhle, ngingabonwa'muntu; Yena kambe wabe ekona, engibhekile; Wakuzwa ukukala kwami. Lifanele ukuba libongwe ngezikati zonke iGama lake eliCwebileyo. Ngaloko-ke ngiyaqinisa, ngiti, ningalideleli lelo'zwi lesiHlabelelo sika'David, lokuti: "Noma ngihamba esigodini setunzi lokufa angiyikukwesaba okubi nakuloko; ngoba wena unami." Emva kwaloko abelungu bakwa *Sibhedhlela* babiza ku'mNtwana £6 ngokuhlala kwami *eSibhedhlela*. Kepa wanqaba impela ukubanika leyo'mali, ngoba balile ukungidedela kuye engibiza. Kwagcina ngokuba bahluleke nabo ukuyibiza leyo'mali.

X. Kunjalo-ke, bakiti! abenKosi bahlala njalo esiqingini lapo kungati izinnyanga ezishiya'munwe'munye emva kwaloko, sengihamba ngezindondolo, ngingasazihambeli ngokutanda kwami njengabanye abantu. Kwati emva kwalezo'nyanga wafika uDhlwedhlwe ka Sobantu es'e-puma komKulu, es'epete amandhla okuba abaNtwana bagoduke; umnta ka'Sobantu yena owafuza inhliyio ka'yise kaze ayishiya—yokuhaukela abawileyo abas'osizini, abangenaye owabo wokubasiza. Kwati-ke ezinsukwini zika'December 23 or 24, 1897, (ekukumbuleni kwami kambe), sangena sonke emkunjini, sesibuya siya kwa'Zulu, uChristmas sawudhla pakati elwandhle.

Bengakabuyi eSt. Helena abakwa'Zulu, umfo ka Nkosibomvu (Mr. Saunders) wabashiya eSt. Helena es'ebuyela eNatal, kwaso kuya uMr. Madden esikundhleni

sake, ukuba babhekisane no *Anthony Daniels* ol'ihamusha; abaza babuya kanye nati sonke labo, u*Daniels* wa-qubeka waya'kuhlala no *Dinuzulu* Osutu. Wahlala kona kwaza kwaba isikati eside, sengimukile mina sengibuyele kiti e*Natal*.

Kodwa nakuba wahlala isikati eside kangako njalo u*Daniels* wabuye waxabana nom*Ntwana*, ngabuye ngati sengetuka kwasokufika izwi elipuma kuye owe*Nkosi* lokuza'kubiza mina (Magema M. Fuze) ukuba ngize kwa'Zulu esikundhleni sami; sekutiwa ngiyafuneka futi. Kwasoku 1904 ngalowo'nyaka. Ngahamba-ke, ngapelezela ngumfo wetu omkulu engimelamayo (u*Sifile*) abambiza ngokuti uBambada kanye nomfana wami (u*Sipongo*). Saya safinyelela Osutu kuye u*Dinuzulu*. Wato-koza kakulu ukuba ezwe ukuti sengifikile. Sanikwa umzana wokuba singenise kuwo. Salala kahle. Kwati ngangomuso ngabizwa ukuba ngiyobonana nom*Ntwana*. Wangibona, wajabula kakulu; ngoba kuleyo'nkati kwasongati u*Daniels* lona usezakumuka aye kwenye indawo kusale mina. Kanti qa! akuzuba njalo, uzakubuye ahlale njalo futi.

Ngahlala-ke kulowo'muzana wokungenisa izihambi kwaza kwaba amasuku atile. Kwati ukugcina saya'kungenisa emzini ka'Nsukumbili ka'Ntanjana was'ema-Mbateni os'eduze ngalapaya kowas'Osutu. Wasipata kahle impela uNsukumbili, sahlala kahle.

Kute emva kwoba um*Ntwana* abuye ekuvuseleleni umuzi wakwaNobamba olapa kwelas'emaHlabatini, inhliziyo yami yabe seikumbule ekaya, ngoba kwasokupele izinnyanga ezintatu kumbe ezine nginganikwa umsebenzi, kusaloku kumi yena u*Anthony Daniels* njalo.

Inhliziyo yami yaqala ukuba'mbi nokusangana; ngaloko ngavalelisa kum*Ntwana*, ngamtshela ukuti sengikumbule emuva ekaya, ngoba angikwazi ukuhlala nje ngingasebenzi'luto. Ngaloko um*Ntwana* wangiletela £6 *ompondo* aba isitupa, wati, yebo, mangibuyele emuva. Kepa mina ngabuza ukuti ngangibizelweni po! na, inxa sekutiwa mangihambe nje namuhla na? Po! ipi imali yokusebenza kwami iminyaka yonke lena engangiyise benza ngibhala izincwadi nabakwa'Zulu, um*Ntwana* ele e*St. Helena*, ngaza ngaya e*St. Helena* futi na? Angiti ngangitenjisiwe ukuti ngiyakuholelwa ngaloko na? Kepa um*Ntwana* kaze aba nayo impendulo kuloko. Ngadhlula ngaya ku'Ndunankulu uMakulumane ka'Somapunga Ndwandwe. Kepa naye wati uyakwazi loko'kutembisa kwabo bona'Zulu; kodwa kanawo amandhla okuba nezwi inxa u*Dinuzulu* engatshilo. Ngasengidhlula njalo ngaya 'kuzibika enkantolo kwa'Nongoma. Inkosi yenkantolo yati ingenze'luto ngapandhle kwenkosazana ka Sobantu. Yati kuhle ngilobele inkosazana ngaleyo'ndaba. Nembala ngayilobela-ke inkosazana. Impendulo yangitumela £5, yati mangipenduke ngizokuluma nayo iyilungise yona leyo'ndaba.

Nembala ngesuka kwa'Zulu ngehla ngaya e*Filidi* ngalala kona. Kwasa ngigibela esitimeleni sakona, saya sangiponsa emGungundhlovu. Ngabonana nenkosazana. Sakuluma ngaleyo ndaba yemali engiyibiza ngaku'm*Ntwana*, yanginika £100, yapela.\*

XI. Kuzakuti-ke ngalo'nyaka 1904 abantu baqale ukukuluma izindaba eziningi abati zenziwa ngum*Ntwana*.

\*Lapo ngangimpakela uMagema emalini yom*Ntwana* u*Dinuzulu*, owabe engipatisile yona. Kutsho mina, Dhlwedhlwe ka Sobantu 24 Feb., 1923.

Baqala bati kuke kwafika abelungu abatile Osutu; wabahlabisa inkomo. Babe besati bayayidubula izinhlamvu zesibhamu sabo zema nje esikumbeni kazaze zangena. Kute ukugcina wanika owake umuntu isibhamu wati kayidubule. Nembala wanelu ukuyidubula wayitshaya kanye yafa. Okwesibili kwatiwa umNtwana uhamba aze afike lapa emGungundhlovu, ahambe engabonwa nang'oyedwa umuntu. Afike akwele pezulu ku'Tawiniholo, alobe izinniwadi azishiye ematafuleni kona, kuse abelungu bezibona ngangomuso, es'ehambile yena. Okwesitatu kwatiwa kufike izwi eliti makubulawe zonke izingulube kungasali noma inye. Kubulawe kulahlwe izitsha zabelungu, singabiko noma sisinye emzini womuntu. Emzini okuyakufunyanwa kuwo lezo'zinto ezinqunyise-lweyo uyakufa, ubhubhe wonke nya kungasali noyedwa umuntu kuwo. Zonke izinto nezitsha zabelungu azifuneiki ku'bantu.

Watwasa unyaka ka 1905. Kwati ngosuku lokugcina ku *May 31, 1905*, lana imvula eyesabekayo kusihlwa, laktika, lagewalisa imifula emikulu. Kwafa muntu, kwafa nkomo, kwafa mbuzi, kwesabeka. Kwenzeka into engabonange ize yenzeke (ekukumbuleni kwami); ngoba kwawa nezindhlu kwezinye izindawo. Lolo'lusuku luyakuhlala lukumbuleka njalo nakwabazovela. Loku mina ngangi lapa kwa *Fitzsimon's Location* (kweZibomvana) ngabona umhlola ongandile. Ngangilele'mbedeni'munye no late Chief Martin Lutuli, owesifazana engeko. Sabasa njalo-njalo eziko, ngoba ku'makaza ngokwesabekayo. Yawa enye indhlu ebusuku, kodwa basinda ababelele kuyo. Kwafa abanangi abase *India eTekwini* ngokuquma kwamanzi abiyeleweyo; kwafiwa impela kwezinye izi-

ndawo, kwabonakala ukuti loku seku ukujala kwemihlola ebisibikelwa yona ngale'mikubakuba ebe ixoxwa ng'abantu beti yenziwa ng'umNtwana ka'Cetshwayo. Sabona esingabonange sikubona,—ukukitika kweqwa pakati kwomuzi was'emGungundhlovu. Kwabikwa abafileyo ababulewe yiqwa emacaleni akona.

Izindaba zokuba-ko kuka'Dinuzulu, — ukuhamba kwake kwokuhlupeka,—zaqala ukubonakalisa ukuti nembalu kayikukula, nokuti ukubunjwa nokuqanjelwa kwake amanga, nokunengwa nokudinwa kwake ng'abantu besizwe sakubo, zisondeza ukungenisa isidumbu sake eliben. Noko wabe ehlezi ezitulele umntwana wenkosi yakwa'Zulu, engatandi ukuxabana noyedwa umuntu, walupi nalupi uhlobo.

Kukuyo leyo'nkati okwaqala ngayo ukuba amakosi atile lapa esiLungwini atumele amanxusa awo kuye kwa'Zulu, eya'kubuzisisa isiminya sokuti nembalu kuqinisile yini loku ukuti uyazenza lezi'zinto okukulunywa ngazo lapa esiLungwini na?—zokunqabelu izinhlamvu zabelungu zingangeni ennyameni yenkomu, nokukwela pezulu ku'Tauniholo, kuse qede kubonakala lapa ekade eloba kona, nokupenduka kwake innja, eng'umuntu? Ng'uye yini oti makubulawe izingulube ezweni lonke, kulahlwe izitsha zonke zabelungu, kusale ezabantu zebumba na?

Wat'ub'akuzwe loko konke wamangala nje umntwana wenkosi, eng'azi'luto Iwaleyo'mimangaliso abampete ngayo. Naye kodwa wabona nje ukuti kukulu okuzakum-ehlela.

And'uba kuti-ke ngo 1906 kuhlaluke ukuxabana kuka'Bambada ka'Mancinza inkosan'encane yamaZondi.

Yena uzalwa ng'uMancinza, ka'Jangeni, ka'Magenge, kaDhlaba, ong'owendhlu encane yomuzi was'eNgome, owelama owas'eNadi, owakwa'Mpumuza ube ng'owo-kugcina. uBambada lo wabe'ake esifundeni sas'em-Gungundhlovana, epete isifunjana sake. Waxabana noDhlovunga (*Mr. J. W. Cross, R.M.*), eti utsho ngani ukuti makutelelwae amakanda na?

Kuqale kwavela izwi lesimemezelo sakomKulu, sokuti, izinsizwa zonke ezingakatati mazitelele amakanda (*Poll-tax,*) iti insizwa engakatati itele umpondo, namadoda onke angaganiwe atele yona leyo'mali nawo. Wo ! izwe lonke latukutela lacinywa ngamazwi ukuzwa lowo'mteto. Abantu banyakaza izwe lonke, abanye bafungela okwokuti abayikuyitela leyo'mali bengakafi.

Nampo-ke abanangi sebetumela ku'Dinuzulu, beyakubuza futi kuye ukuti yena uti makwenziwe njani ngaleyo'ndaba na? Izwe kambe lalitukutele lonke nelakwa'Zulu nelas'esiLungwini. Yena-ke wabaluleka bonke labo asebeye'kubuza kuye ngokuti, "Leyo'mali ebizwa ng'uHulumeni ku'bafana akusyo ebizwa ku'banini'mizi abatela imali 'minyaka yonke, kodwa ibizwa ku'bafana kupela. Abanini'mizi mabakumbule baqonde ukuti imvamo yabafana abasayiyisi imali kwoyise, sebezidhlela imali yabo. Ngako-ke uHulumeni wenze kahle ukutelisa abafana." Wabe es'ekipa uhlamvu luka'mpondo, wanika innceku yake wati maiye'kuyitela egameni lake, ukuze babone bonke abantu kanye nabakwa'Zulu ukuti kulgile ukuba kwensiwe njalo.

Babuya-ke bonke abas'esiLungwini ababetunywe ng'amakosi akubo ku'mNtwana ukuya'kubuza ukuti yena uti makwenziwe njani ngale'ndaba na; babuya sebepete

izwi lake lokuti mayitelwe; bafika balandisa amakosi nabantu bakubo. Noko izinhlizyo zabantu azivumanga kahle ezweni lonke ukutela leyo'mali.

Kute-ke ngolunye usuku kwamenyezelwa usuku lokutela esifundeni sas'emGungundhlovwana. Kwati njengoba uBambada ka'Mancinza 'ake kuleso'sifunda wahamba yena uqobo lwake waya'kubuzisisa ku'Dhlovunga emGungundhlovana enkantolo. Bafika baxabana enkantolo, eti uBambada enkosini kavumi yena ukutela leyo'mali. Ute efika ekaya uBambada wabe es'emema isifunda sake, wasilandisa amazwi nokupendulana kwake roDhlovunga. Bonke abantu bafunga bagomela batu abayikuyitela leyo'mali. Kwasokuqamuka pakati kwabo uyisekazi uMagwababa, waluleka indodana yomfo wabo ngokuti akukuhle ukuba uBambada azixabanise noHulumeni, wati kuhle 'enze loko okutshiwo ng'uHulumeni ezweni lonke. Watukutela uBambada, wamtshaya amadolo ukuze ahluleke ukuhamba ukuya'kubikela abalungu okuhloswe nguye uBambada; wahlala ese isiguqaguqa engasena'kuhamba. Emva kwaloko wagoqoza impi yake, eyazisa ilanga eliyakufika abalungu ukuzautelisa ngapansi ehlanzeni, wabatshela nendawo abayakutelela kuyo.

XII. Uzwani-ke: lafika lelo'langa lokutela. uBambada nempi yake basebeliqondile nabo. Bahamba kugala ukuya'kulungisela abalungu abazaulezelu inkosi uDhlovunga. Wafika qede kuleyo'ndawo uBambada wansondo wayilungisa eyake ingakafiki inkosi nao-nongqai abayipelezeleyo. Wayihlela ngokuyibeka ezi-ndaweni ezimbi ezimele kabi abelungu. Babamela kabi ukuba babakapele eweni bengazi'luto. Wabatshela icebo lokuba baze bangadubuli noma sebebona sebedhlula abe-

lungu, baze babayeke badhlule baye pambilil baze bezwe ukutshaya kjesibhamu sake and'uba bavuke pansi balwe. Hawu! babayelisela ezinkeleketeni zamawa nas'e-zindongeni zenhleuka yamawa ehlante; kodwa kwati ngoba abantu kabapeli bonke noma bevinjezelwe yimpi engakanani bapuma abanye basinda. Kulapo-ke lapa kwafa 'gula linamasi kona.

Wanelu ukwenza lawo'manyala, waqubekela pambilil uBambada es'ewelela kwelakwa'Zulu, okwobane es'econde e'Nkandha, efuna ukuya'kungena ennqabeni.

Wawuhlabo-ke kaloku umkosi uHulumeni, wawuhlabo wawulaula. Izwe lapakamisa amehlo lonke kaloku, lageqa izindhlebe, lalalelisa ukuti konje kwenze njani namuhla, izauzala'nkomon? Bamlandela abalungu, bambona, waza waya'kungena ehlatini enKandha.

Kwabe lapa indaba is'ikulile kwa'maFuze, uMjongo nebandhla lake lamakolwa wabe es'evukile impela, nabo sebeqonde kona ukulwa nabelungu konalapo ekuteleni. Nembala kwenzeka loko, amakolwa ayiqata alwa. Kodwa okwabanga ubungcono lapo kwaba ukuba kwalwa wona wodwa, isizwe samaFuze saqinta nje sonke asaza salwa. Kwati nokubanjwa kwavo abanjwa ng'uye uMveli opete amaFuze, ngoba nawo amakolwa abe es'engene ehlatini elikulu.

Kwati lapaya enzansi kwesika'Mkonto ka'Ntwan-anhle wakwa'Mapumulo kwaba yiso leso, yalwa. Bati lapaya kwesika'Kula Majozu ka'Luntshungu ka'Ngoza kwahlubuka uMntele ka'Ngoza umfo wabo ka'Luntshungu, wahlabuka nesinye isizwe. Nampo-ke sebehlabuka qede beya kungena eNkandha nabo, belandela uBambada.

Kwaba ubunikiniki nje izwe lonke, abantu baba'nhla-lunhlalu.

Babe sebe lapa behlangana endhleleni abantu ababili babuzane ngesaga sabo abasebes'enzile ngokubingelelana kwabo, kwokuba omunye ati kwomunye "Utela-pi?" apendule ati lowo, inxa naye eng'ohlubuke uHulumeni, "Insumansumane, imali yamakanda;" 'ezwe-ke lowo omunye ukuti kanti ng'owakubo. Bababaningi *abajoyi-nayo* abasuka kwezinye izindawo abaya'kuhlangana nabanye kwamanye amazwe, labo abanxanele ukulwa nabellungu. Enkandha lapaya kwagewala kwati-swi abantu bezindawo ngezindawo, ngingasabapete laba abafike noBambada ka'Mancinza, sengitsho nabo abakwa'Zulu uqobo abasuka ezindaweni ezitile abafisa impi. Kepa kunjalo njalo umNtwana kazi'luto ngalabo'bantu.

Kutule kwatula kwezwakala ku'mNtwana ukuti abantu sebegcwele enKandha. Nango-ke es'etumela amanxusa ake kona eya'kuti abantu mabapume ehlatini enKandha, ngoba yena engahlangene naleyo'impi elwa noHulumeni. Wabe es'etumela ku'Hulumeni, wacela kuye ukuba avume ukuba ayokipa uBambada enKandha uqobo lwake. Kodwa uHulumeni kavumanga.

Kanti nango-ke uBambadandini ngobuqili bake lobo ehamba eya uqobo lwake ku'mNtwana, ehamba nenyne yamakosikazi ake, wati es'ebuyela enKandha wayishiya kona oSutu. Kepa angqondi kahle ukuti wayishiya qede wapindela enKandha yini noma wayishiya waqonda kwenye Indawo. Yilelo-ke izwi elabangela umNtwana icala, kwatiwa naye wabe ehlangene noBambada. Po-ke! loku nokufihliweyo kuyavela inxa sekubuzisiswa, kwati noma umNtwana es'epikile ukuti kazani

noBambada, wadhlula watola icala ngalo lelo'zwi lokuba kanti uBambada waka wanyatela emabaleni omuzi was'o-Sutu.

Kwaba njalo-ke: izindaba zalowo'nyaka zaba'mbi kakulu; kwaciteka igazi eliningi kakulu, ngoba abantu labo babeti bayalwa njalo benziwa izinhlizyo nje bengenazo izikali, beyisa izidumbu zemzimba yabo kupela.

Kwati labaya, aoMjongo, babulala umlungu waba munye, uSergt. Hunt. Kodwa icala labo, bebaningi, babulawa bonke ngokudutshulwa ngezibhamu, sebezimbele imigodi yabo eRichmond. Labo ababulawa eRichmond babe ishumi-nambili, amadodana ka'Mncindo ka'Dangadu ka'Mnyani wakwa'Ngcobo kanye nabanye. Okwati uma sebezakubulawa, bahlabelela amagama okuhuba ngokwenama okukulu njengabantu abaya ebuhleni obukulu; kwati noma sekutiwa mabazimbele amagodi abo, bawamba ngokwenama nje njengabantu abenamele ukufa.

uMjongo uqobo lwake wabe engeko kulabo aba ishumi nababili ababulawelwa eRichmond, wabe egula es'ejele emGungundhlovu kanye nababili bebandhla lakwake. Laba-ke abatatu baza babulawa muva sebekitshwa etilongweni, sebesindile ekuguleni ng'amanexeba.

Labaya baka'Mkonto ka'Ntwananhle wakwa'Mapumulo batshetsha ukubanjwa bengakenzi'luto. Kwafa abaningi kubo beti balinganisa ukulwa bengalwi'impi ya'luto. Kwati lapaya enKandha, impi yonke ka'Bambada yayengwa ng'umfo ka'Sigananda, wati impi yonke maiye endaweni etile, lapa yati uba ifike kona, kanti eyabelungu seibakakile, sebe pakati; bati betuka abantu basebezwu kuduma umbaimbai, es'ebaqedu bonke swaca, nonxa ngingetsho ukuti bonke, ngoba abantu

kabafu bonke bapele noma bevinjezelwe yimpi enkulu kangakanani.

XIII. Yat'uba inqamuke leyo'mpi, abelungu bangaoSutu ku'mNtwana baya'kumtata. Yena wesukela pezulu waya nabo kwa'Nongoma enkantolo. Kwasokuba ukubotshwa kwake njalo loko. Kute mdhla sekuzautetwa icala lake wayiswa emGungundhlovana. Kwabutana abantu abaningi bakwa'Zulu. Ijaji elikulu elateta lelo-cala kwaku ngu Sir William Smith, epahlwe ngu Mr. Justice Boshoff (Stofele), no Mr. Henriquez Shepstone (uGebhuza ka'Somtseu); ummeli wakomkulu kung'u-T. F. Carter, K.C., Attorney-General, ummeli ka'Dinuzulu (owafunwa ng'uDhlwedhlwe ka'Sobantu kwaku ng'u Mr. W. P. Schreiner, K.C., enoMfutshane (Mr. Eugene Renaud) no Mr. R. C. A. Samuelson (uLubembhedu). uDhlwedhlwe wabe ekona uqobo lwake; uBubi ka'Nondenisa Mtuli epelezela inkosazana. Ngangingeko mina lapo. Abantu bakwa'Zulu babebutene nongoso wabo. Latetwa-ke lelo'calakazi, ladhla amalanga amanini. Lagcina ngokumlahla umNtwana, lamnika ukubotshwa iminyaka emine.

Pakati kwofakazi ababependulela umNtwana ngikumbula munye owakuluma isiminya, uNgobozane ka'Vukuza wakwa'Mpungose, iMboza, owab'e induna ebekwe ng'uHulumeni yokupata abantu emaHlabatini, owakuluma isiminya sokuti: "Sonke tina'bantu sasingavumi ukuba kutelwe le'mali, ukupela yena uDinuzulu yedwa owati masiyitele." "Sasifuna ukulwa sonke; kodwa yena walile." . . . namanye amazwana atile amahle awakulunywa yile'nduna ekuluma isiminya.

Lamlahla-ke uDinuzulu, wabotshwa etilongweni

emGungundhlovu, kanye nabatile bakwa'Zulu ababenikwa amacala nabo okugila imikuba emibi. Emva kwaloko kwazinge sokuvela amacala atile aqondiswa kuye kutiwa uwenzile, imvama yawo kung'awamanga, 'enziwa ng'abakwa'Zulu, ababemzonda ngangoba umuntu ezonda innyoka, ngalo njalo igama lake aliquanjwa ng'uyise lokuti ung'uDinuzulu.

Iyo leyo-ke inkati yokugoduka kwomfo ka'Sobantu owab'e ummeli, ngoba lati litetwa lapa labe litetwa pethsyea icala lomNtwana. Okwati ngokulwa kwake okukulu, ekulumu isiminya sonke, waza wangenwa isifo leso senhlizyo esaka sangena uyise (uSobantu) ngecala elikulu lokubotshwa kuka'Langalibalele. Naye uSobantu wabe eyakufa ngalelo'langa ukuba akuvelanga innyanga yakti enkulu eyabe ihlakanipile, uDr. Gordon, owarfika wanqaba nje wati kaguli, kodwa utukutele. Wamelapa, wamahlula, wasinda. Siy'azi ngoku'siminya ukuti uGebuza (*Francis Ernest Colenso, Esq., Solicitor*), wafela esiminyeni elwela indhlu yakwa'Zulu, engatandi ukufihla isiminya. Yibo laba-ke esibabiza ngokuti ba "impi yabaMartire," inxa sikuleka ku'Nkulunkulu.

Akubanga'sikati eside kangakanani ebotshiwe emGungundhlovu, umNtwana uDinuzulu, wabuya wakutshulwa wayiswa eTransvaal waya'kubotshelwa kona oBhalule, lapa uGen. Botha wafika wamtengela indawo kona, wabe eseyita igama lokuti kukwa'Tengisangaye — etsho ukuti abakwa'Zulu batengise ngaye ezizweni. Kulapo-ke lapa wahlala kona iminyakana etile. Lokupela niqonda kahle ukuti uDinuzulu wabe enesifo lesi sokugula ngomlenze esabe siku'yisemkulu uMpande. Wahlala egula njalo. Kwaza kwezwakala ukuti innyanga emelapayo iquinisa

ngokumyisa kwelama *Jalimana*, lapa kukona amanzi abilayo, iyomelapela kona.

Po-ke saqinisa ngamandhla isifo, innyanga yake leyo impete imelapa ngamandhla nayo. Kwaza kwezwakala nalapa kiti ukuti isifo simpete ngamandhla impela umntwana wenkosi, sagcina ngokumtata, es'ehlupeke kakulu. Nanso-ke inkosi yalapo eMiddleburg, oBalule, yenza umusa omkulu, itumela lapa ukuzaubikela inkosazana uDhlwedhlwe. Po-ke uDhlwedhlwe naye kabanga esalibala, watabata uBubi Mtuli, bagcwala indhlela. uHulumeni wenza umusa omkulu ngokuvumela abakwa'Zulu ukuba batwale isidumbu sake basilete emalibeni aoyisemkulu kwa'Nobamba, lapa kukona uMageba noPunga noNdaba noJama noSenzangakona.

Inkosazana yahlangana naso isidumbu eFilidi; bati sebeya kwaNobamba basebehamba kanye nayo, sesitwelwe ngenqola; baza baya bafinyelela endaweni abaya'kusitshala kuyo.

XIV. Kwat'uba basitshale isidumbu kwabakona futi umsebenzi wokumisa umNtwana ozakuma esikundhleni sika'yise. Bagcina ngokuketa uSolomon ong'uNkaitshana, o'gama ling'uMapumuzana, indodana yakoka'Mkasilomo ka'Ntuzwa ka'Nhlaka wakwaMdhlalose, abe uyena'nhloko ka'Dinuzulu. Wati uNyawana ong'u-David indodana yakokaZihlazile ka'Qetuka ka'Manqondo wakwa'Magwaza waba njengomnawa, wabelwa isifunda sas'ebaQulusini.

Emva kwaloko bahlakazeka bonke abesililo, nenkosazana ka'Sobantu yaguquka. Lahlala-ke izwe lakwa'Zulu selimi esandhleni sika'Solomon ka'Dinuzulu nesi-

ka'Hulumeni. Ukuba uSolomon abe s'esandhleni sika'yisekazi uMnyaiza ka'Ndabuko, nesika'Makulumane Ndwandwe induna enkuIu yezwe ka'Dinuzulu, kanye nezikulu zonke ebe zipete isifunda sika'Dinuzulu ega-menI lika'Hulumeni.

Kepa seloku wasishiya owenkosi, abantu basaloku bepupa njalo beqiniisa ngokuti kafanga, beti us'eGermany lapa ekona; beti amaJalimana alwa nezizwe ezinye ezimhlope nje, alwela uDinuzulu; akubakanyeli abakiti ukuti kunge'nzeke ukuba kufe izwe las'eGermany namazwe onke lawa'abamhlope ngennxa yokuba kubangelwa uDinuzulu ofihlwE ng'amaJalimana. Kodwa aku'ngqala ukuba abantu bakulume ngokunjalo ngetambo lika'Senzangakona, ngoba kwati nanga'mdhla kubanga oCetshwayo noMbulazi, wafa qede uMbulazi badhlula baqinisa njalo abantu batI uMbulazi usekona ufihlwe ng'ama *Ngisi* ukuba kugoduke uyise qede abeke yena abe yinkosi yakwa'Zulu esikundhleni sika'Mpande. Izikulu zonke zakwa'Zulu zaqinisa sagomela ziti uMbulazi ufihlwe ng'abelungu. Sebeze bafa bapela bonke labo ababetsho njalo, abanangi bagoduka sebekulile, kepa abazange bambone uMbulazi.

Namhlanje kwa'Zulu akusekwa'Zulu, sekus'esi-Lungwini, izwe selipetwe ama*Ngisi*, sowapela umbuso was'endulo sokumi omutsha. Umbuso ka'Ntombela owa-zala uZulu, nombuso ka'Tshaka owangenisa ng'uNdaba ka'Punga us'unyamalele. Kwenza ngani-ke loko? Kwenza ngoba ute uTshaka wawungenisa ngamandhlala njengesipepo nesivunguvungu, wakulahla okwas'endulo kwaoSenzangakona. Ute eqala evela uMpande es'ebangela uTshaka, wabe es'ebekwa ng'amaBhunu; embeka

njalo es'embonile ukuti ung'umuntu ovileyo ohlonipayo onomunyu, kafani nabafo wabo ababili ababe izilwane, oTshaka noDingane.

As'azi ukuba laba ababili babefuze ubani, loku siyamuzwa nje uSenzangakona ukuti wab'e ng'umuntu ovileyo ocumileyo; kodwa siyezwa ezibongweni zake eziti: "Owadhla uMonhlambase, ingqongqokazana esatet'izindaba zas'eSinyameni; wadhla uMsikazi kwoNdimoshe, ingabi ub'eyokwenza-ni kwa'Mas'a'mlilo lap'imihlambi yabantu iselayo." Ezinye izibongo zika'Senzangakona ziqamisa ukuti naye wab'enolaka, mhlaumbe oTshaka laba noDingane babefuze yena. Munye owa-zwayo owab'engenalo—uMpande. Lo owanamuhla—uSolomon—ul'ibeka, uvile, utobile, angahle atsho umuntu ati ng'umnta ka'Mpande uqobo. Uyise uDinuzulu wab'etobile evile kakulu, kepa efuze uyise uma es'etukutele. Ngoba uCetshwayo wab'elunge kakulu enomusa, etanda bonke abantu bake. Ng'uye owalamulela uZulu wonke ku'Masipula ka'Mamba mdhla kugoduka uMpande, wanqaba ukuba kungabulawa abantu bagqitshwe egodiri bezwa njengamdhla kumbelwa uNandi.

ABANTU ABAMNYAMA LAPA BAVELA  
NGAKONA.

	Page
Isisusa	III.
Inkondhlo	IX.
Amangebeza	XIII.
 Isahluko	
I.—Abantu abamnyama, ukuvela kwabo	1
II.—Abatwa	3
III.—AmaLawu	6
IV.—AmaHiligwa	8
V.—Ukupunywa eNgonini ( <i>Suez Canal</i> ) njalo kuvelwa-pi?	9
VI.—Umlungu ku'muntu	10
VII.—Amalinganiso	13
VIII.—Abasala emuva	17
IX.—Ukuhlakazeka kwabantu ezweni	18
X.—Kuse yibo abahlakazekileyo njalo	21
XI.—Ukuhlala kwezizwe ezweni Inxa kutshone umuntu	29 31
Inxa kufe Inkosi	33
XII.—Izizwe ezazinamandhla kunezinye	34
XIII.—Isicoco nenkehli kwakungaziwa	38
XIV.—Ukusoka Ukutomba kwomfana	39 40
Ukutomba kwentombazana	41
XV.—Ukuganwa nokugana	43
XVI.—Kuyasinwa namuhla	47
XVII.—Ukugwetshwa kwenngane	51
XVIII.—Ukupuma kwempi	53
XIX.—Izizwe zabaNtungwa	54

ii.

	Page
Isahluko	
XX.—Owaziselela ngobukosi obuyakuvela enzalweni yake	56
XXI.—Ukuzaalwa kuka'Tshaka	58
XXII.—Ukuhambela kuka'Senzangakona kwa- 'Mtetwa	60
XXIII.—Ukuifa kuka'Senzangakona nokuhloma kuka'Tshaka	62
XXIV.—Ukunqotshwa kuka'Ndwandwe	64
XXV.—Ukuhlaselwa kwamaNgwane	66
XXVI.—Ukuhlaselwa kuka'Macingwane	68
XXVII.—Ukuciteka kuka'Qwabe	70
XXVIII.—Ukuciteka kuka'Mzilikazi	73
XXIX.—Ukuciteka kuka'Nomagaga	74
XXX.—Ukuqina kwombuso kwa'Zulu	76
XXXI.—Ukwenda nokufa kuka'Nandi	78
XXXII.—Amakosazana kaJama	81
XXXIII.—Ukuifa kuka'Nandi	83
XXXIV.—Imizi yakwa'Zulu	85
XXXV.—Ukuhlasela kuka'Tshaka kwa'Nyuswa	88
XXXVI.—Ezis'enncwadini ka Sobantu ('Izinda- ba zas'eNatal,' paras. 1—12)	90
XXXVII.—Izindaba zika'Tshaka (ngokutsho kwabelungu paras. 12a—23)	100
XXXVIII.—Izindaba zika'Dingane (ngokutsho kwabelungu paras. 24—34)	110
XXXIX.—Inhlangano yamaBhunu namaNgisi ku Zulu (paras. 35—39)	124
XL.—Umbango ka'Mpande noDingane, para. 40	135
XLI.—Ukuifa kuka'Dingane nokungena kuka 'Mpande nokungena kwombuso wama- Ngisi eNatal (ngokutsho kwabelungu paras. 41—52)	142

Isahluko	Page
XLII.—Amashinga amabi .....	149
XLIII.—Ukuma kwo'Tshaka noDingane no- Mpande izelamani .....	155
XLIV.—Umkosi .....	159
XLV.—Ukulunga kuka'Mpande .....	164
XLVI.—Amacala okubulala umuntu .....	167
XLVII.—Iminyaka yokubusa kwamakosi omane .....	170
XLVIII.—Ukubusa kuka'Cetshwayo .....	175
XLIX.—Imikosi ka'Cetshwayo .....	181
L.—Ukuhambela kuka'Magema kwa'Zulu .....	186
LI.—Ukuhlasela kwabelungu kwa'Zulu .....	190
LII.—Ukuhlulwa nokucitwa kuka'Zulu .....	195
LIII.—Ukubuyiselwa kwenkosi nokucitwa kwa- yo ekaya .....	199
LIV.—Ukupela kwenkosi .....	202
<hr/>	
Amazwi ombali .....	208
I.—Ukuzalwa kuka'Dinuzulu .....	212
II.—Ukugoduka kuka'Cetshwayo .....	215
III.—Imikuba emibi ka'Zibhebhу .....	218
IV.—uHulumeni wafika Ekukanyeni .....	221
V.—Ukutetwa kwamacala Etshowe .....	223
VI.—Ukuhlakazeka kwenkantolo .....	225
VII.—AbaNtwana e St. Helena .....	230
VIII.—Ukuma kwezwe las'e St. Helena .....	232
IX.—Ukulimala kuka'Magema .....	235
X.—Ukuhlala kwabenkosi e St. Helena .....	239
XI.—Izinkulumo zamanga ngomNtwana es'ebuyile .....	241
XII.—Ukuxabana kuka'Bambada noDhlovunga .....	245
XIII.—Ukutatwa kwomNtwana ng'abelungu ekaya .....	249
XIV.—Ukutshona nokutshalwa kwomNtwana .....	251

